” Kodwa abakoBhenjamini kababalalelanga abafowabo bako-Israyeli.<sup>14</sup> Baqoqana eGibhiya bevela emadolobheni akibo ukuba balwe labako-Israyeli.<sup>15</sup> Ngasikhathi sinye abakoBhenjamini babutha izinkulungwane ezingamatshumi amabili lesithupha zabahlome ngezinkemba emadolobheni akibo, phezu kwabantu abangamakhulu ayisikhombisa abakhethwa kulabo abahlala eGibhiya.<sup>16</sup> Phakathi kwamabutho la kwakulabantu abakhethiweyo abangamakhulu ayisikhombisa ababengamanxele, bonke bengakhuthi abakunxwaneleyo ngesavutha.

<sup>17</sup> Abako-Israyeli, ngaphandle kwabakoBhenjamini, babutha abantu abalwa ngezinkemba abazinkulungwane ezingamakhulu amane, bonke bengabantu bempi.

<sup>18</sup> Abako-Israyeli baya eBhetheli babuza uNkulunkulu. Bathi, “Ngubani wethu ozahamba kuqala ukuyakulwa labakoBhenjamini?”

” UTHIXO wathi, “NguJuda ozahamba kuqala.”

<sup>19</sup> Kusisa ekuseni, abako-Israyeli bavuka bamisa izihonqo eduzane leGibhiya.<sup>20</sup> Abantu bako-Israyeli baphuma ukuyakulwa labakoBhenjamini bema ezindaweni ezilungele ukubahlasela eGibhiya.<sup>21</sup> AbakoBhenjamini baphuma eGibhiya babulala abako-Israyeli abazinkulungwane ezingamatshumi amabili lambili endaweni yokulwela mhlalokho.<sup>22</sup> Kodwa abantu bako-Israyeli banikana isibindi babuyela njalo ezindaweni zabo lapho ababekhona ngelanga lakuqala.<sup>23</sup> Abako-Israyeli bahamba bayakhala phambi KUKATHIXO kwaze kwaba kusihlwa, njalo babuza UTHIXO bathi, “Singahamba njalo yini siyekulwa labakoBhenjamini, abafowethu na?”

” UTHIXO waphendula yathi, “Hambani liyebahlasela.”

<sup>24</sup> Abako-Israyeli basondela koBhenjamini ngosuku lwesibili.<sup>25</sup> Ngalesisikhathi, kwathi abakoBhenjamini sebephumile eGibhiya ukuba bamelane labo, babulala abanye njalo abazinkulungwane ezilitshumi lasificaminwembali, bonke behlome ngezinkemba.

<sup>26</sup> Lapho-ke, abako-Israyeli bonke lebuthe lonke baya eBhetheli, bahlala khona bekhala phambi KUKATHIXO. Ngalelolanga bazila kwaze kwaba kusihlwa, banikela leminikelo yokutshiswa kanye leminikelo yobudlelwano KUETHIXO.<sup>27</sup> Abako-Israyeli basebebuza UETHIXO. (Ngalezon-suku umtshokotsho wesivumelwano sikaNkulunkulu wawukhonapho,<sup>28</sup> uloFinehasi indodana ka-Eliyazari, indodana ka-Aroni, ekhonza phambi kwawo.) Babuza bathi, “Singahamba njalo yini siyekulwa loBhenjamini umfowethu loba hatshi na?”

UETHIXO waphendula wathi, “Hambani, ngoba kusasa ngizabanikela ezandleni zenu.”

<sup>29</sup> Ngakho abako-Israyeli bacathama bezungeze iGibhiya.<sup>30</sup> Bahamba bayahlasela abakoBhenjamini ngosuku lwesithathu, balungela ukuhlasela iGibhiya njengebabekwenze kuqala.<sup>31</sup> AbakoBhenjamini baphuma babahlangabeza baholelwa kude ledolobho. Baqalisa ukubabulala abako-Israyeli njengakuqala, kwathi ababephosa babengamatshumi amathathu

bafela egcekeni emgwaqweni oya eBhetheli lomunye oya eGibhiya. <sup>32</sup> Kwathi abakoBhenjamini besithi, “Siyabehlula njengakuqala,” abako-Israyeli bona besithi, “Kasihlehleleni emuva sibaholele kude ledolobho emigwaqweni.”

<sup>33</sup> Bonke abantu bako-Israyeli basuka ezindaweni zabo baya eBhali-Thamari, kwathi abako-Israyeli ababecatheme bahlasela bephuma endaweni yabo ngasentshonalanga kweGibhiya. <sup>34</sup> Izinkulungwane ezilitshumi zabantu bako-Israyeli abakhethiweyo bahlasela iGibhiya mathupha. Ukulwa kwakunzima kakhulu ngakho kwenza abakoBhenjamini bangananzeleli ukuthi ingozi yayisisondele. <sup>35</sup> UTHIXO wamngoba uBhenjamini phambi kuka-Israyeli, njalo ngalelolanga abako-Israyeli babulala abakoBhenjamini abazinkulungwane ezingamatshumi amabili lanhlanu lekhulu (25,100), bonke behlome ngezinkemba. <sup>36</sup> Lapho-ke abakoBhenjamini babona ukuthi babenqotshiwe.

Khonapho abako-Israyeli basebevulele abakoBhenjamini isikhala, ngoba babethembe ababecatheme eduze leGibhiya. <sup>37</sup> Abantu ababecatheme bagijimela eGibhiya ngokuphangisa, basabalala idolobho lonke balihlasela ngenkemba. <sup>38</sup> Abantu bako-Israyeli babehlele labacathamayo ukuthi benze iyezi elikhulu lentuthu phakathi kwedolobho, <sup>39</sup> lapho-ke abantu bako-Israyeli babezaphendukela ekulweni empini.

AbakoBhenjamini basebeqalisile ukubulala abako-Israyeli (babephosa babengamatshumi amathathu), njalo bathi, “Siyabehlula njengempini yakuqala.” <sup>40</sup> Kodwa kwathi izikhatha zentuthu seziqalise ukuphakama edolobheni, abakoBhenjamini baphenduka babona intuthu yedolobho lonke iqonga isiya phezulu emkhathini. <sup>41</sup> Lapho-ke abako-Israyeli babaphendukela, abantu bakoBhenjamini batshaywa luvalo, ngoba babona ukuthi ingozi yayisibehlele. <sup>42</sup> Ngakho babaleka phambi kwabako-Israyeli beqonda enkangala kodwa behluleka ukuyibalekela impi. Abako-Israyeli abaphuma emizini bababulalela khonapho. <sup>43</sup> Babahanqa abakoBhenjamini, baxotshana labo, bababhuqela eduze leGibhiya kalula ngasempumalanga. <sup>44</sup> Kwafa abakoBhenjamini abazinkulungwane ezilitshumi lasificaminwembili, bonke bengamaqhawe. <sup>45</sup> Sebephenduke babaleka beqonda enkangala edwaleni laseRimoni, abako-Israyeli babulala abantu abazinkulungwane ezinhlanu kulandela imigwaqo. Baqhubeka bexotshana labakoBhenjamini baze bayafika eGidomu babulala abanye njalo abazinkulungwane ezimbili.

<sup>46</sup> Ngalelolanga kwafa abakoBhenjamini abalwa ngenkemba abazinkulungwane ezingamatshumi amabili lanhlanu, bonke bengamaqhawe. <sup>47</sup> Kodwa abantu abangamakhulu ayisithupha baphenduka babalekela enkangala edwaleni laseRimoni, lapho abahlala khona izinyanga ezine. <sup>48</sup> Abantu bako-Israyeli babuyela koBhenjamini bahlasela imizi yonke ngenkemba, kubalwa izifuyo lakho konke okunye abakutholayo. Yonke imizi abafika kuyo bayithungela ngomlilo.

## 21

### *Abafazi Babantu BakoBhenjamini*

<sup>1</sup> Abantu bako-Israyeli babefunge isifungo eMizipha bathi, “Akukho lamunye wethu ozakwendisela indodakazi yakhe emuntwini wakoBhenjamini.”

<sup>2</sup> Abantu baya eBhetheli, lapho abahlala khona phambi kukaNkulunkulu kwaze kwaba kusihlwa, bephakamise amazwi abo bekhala kabuhlungu

besithi, <sup>3</sup> “Oh THIXO, Nkulunkulu ka-Israyeli, kungani lokhu kwenzakale ku-Israyeli na? Kungani esinye isizwana singekho ko-Israyeli lamhla na?”

<sup>4</sup> Ngakusasa ekuseni abantu bakha i-alithari banikela iminikelo yokutshiswa leminikelo yobudlelwano.

<sup>5</sup> Basebebuza abako-Israyeli besithi, “Yisiphi kuzozonke izizwana zako-Israyeli esingabuthananga phambi KUKATHIXO na?” Ngoba babefunge isifungo esiqinileyo bathi lowo owayengayikuba khona ekubuthaneni phambi KUKATHIXO eMizipha kwakuzamele abulawe.

<sup>6</sup> Abako-Israyeli bezwa ubuhlungu ngabafowabo bakoBhenjamini. Bathi, “Lamuhla esinye isizwana kasisekho ko-Israyeli. <sup>7</sup> Labo abaseleyo singabanika njani abafazi, njengoba thina sifunge isifungo NGOTHIXO ukuba kasiyi kubendisela amadodakazi ethu?” <sup>8</sup> Babuye babuza bathi, “Yisiphi sezizwana zako-Israyeli esingabuthananga phambi KUKATHIXO eMizipha na?” Bafumana ukuthi akulamuntu waseJabheshi Giliyadi owayefikile ezihonqweni elande umbuthano lowo. <sup>9</sup> Ngoba bathi bebala abantu, bathola ukuthi kwakungelamuntu waseJabheshi Giliyadi owayekhona.

<sup>10</sup> Ngakho ibandla lathuma abantu bempi abazinkulungwane ezilitshumi lambili belaywa ukuthi baye eJabheshi Giliyadi babahlasele ngenkamba labo abahlala khona, kubalwa abesifazane labantwana.

<sup>11</sup> Bathi, “Kumele libulale wonke owesilisa lowesifazane ongasintombi egcweleyo.” <sup>12</sup> Phakathi kwabantu ababehlala eJabheshi Giliyadi bathola izintombi ezigcweleyo ezingamakhulu amane, bazisa ezihonqweni eShilo kweleKhenani.

<sup>13</sup> Ibandla lonke lathumela ilizwi lokuthula kwabakoBhenjamini edwaleni laseRimoni. <sup>14</sup> Ngakho abakoBhenjamini babuyela ngalesosikhathi sebephiwe abesifazane baseJabheshi Giliyadi ababephephiwe. Kodwa kabawanelanga amadoda wonke.

<sup>15</sup> Abantu bezwa ubuhlungu ngabakoBhenjamini, ngoba UTHIXO wayesenze isikhexe phakathi kwezizwana zako-Israyeli. <sup>16</sup> Abadala bebandla bathi, “Njengoba abesifazane bakoBhenjamini beqothuliwe, amadoda aseleyo siwazuzela njani abafazi na? <sup>17</sup> AbakoBhenjamini abasindayo kumele babe lezindlalifa, ukuze isizwana sako-Israyeli singatshabalali. <sup>18</sup> Asingeke sibendisele amadodakazi ethu ngoba thina abako-Israyeli safunga isifungo lesi sathi: ‘Kaqalekiswe lowo owendisela umBhenjamini umfazi.’ <sup>19</sup> Kodwa khangalani, kulomkhosi weminyaka yonke KATHIXO eShilo, enyakatho kweBhetheli, ngasempumalanga komgwaqo osuka eBhetheli usiya eShekhemu, ngeningizimu kweLebhona.”

<sup>20</sup> Ngakho balaya abakoBhenjamini bathi, “Hambani liyecatsha ezivinini <sup>21</sup> lilinde. Lapho izintombi zaseShilo ziphuma ukuba zingene ekugideni, sukani ezivinini ligijima kuthi lowo lalowo wenu azibambe umfazi ezintombini zaseShilo libe selisiya elizweni lakoBhenjamini. <sup>22</sup> Oyise labanewabo bangakhonona kithi, thina sizakuthi kubo, ‘Ake lisenzele umusa ngokubasiza, ngoba kasibatholelanga abafazi ngesikhathi sempi. Kaliyikuba lacala ngokwephula isifungo, ngoba amadodakazi enu kaliwendiselanga kubo.’”

<sup>23</sup> Ngakho lokho yikho okwenziwa ngabakoBhenjamini. Kwathi izintombi zigida, indoda yabamba intombi yahamba layo ukuba ibe ngumkayo. Babuyela-ke elifeni labo bayakha kutsha imizi, bahlala kuyo.

<sup>24</sup> Ngalesisikhathi abako-Israyeli basuka kuleyondawo babuyela emakhaya ezizwaneni lasezinsendweni zabo, ngulowo lalowo elifeni lakhe.

<sup>25</sup>Ngalezonsuku abako-Israyeli babengelankosi; umuntu wonke ezenzela ayekubona kulungile kuye.

## URuthe

### *UNawomi Ulahlekelwa Ngumkakhe Lamadodana Akhe*

<sup>1</sup> Ngezinsuku kubusa abahluleli, kwaba lendlala elizweni. Ngakho indoda ethile yaseBhethilehema koJuda kanye lomkayo lamadodana abo amabili, basuka bayahlala elizweni lamaMowabi okwesikhatshana. <sup>2</sup> Ibizo lalindoda lalingu-Elimeleki, elomkakhe linguNawomi, amadodana akhe amabili ayengoMaheloni loKhiliyoni. Babengama-Efrathi aseBhethilehema koJuda. Baya eMowabi bayahlala khona.

<sup>3</sup> U-Elimeleki, umkaNawomi wafa, wasesala lamadodana akhe womabili. <sup>4</sup> Athatha abafazi baseMowabi, omunye wayethiwa ngu-Opha omunye ethiwa nguRuthe. Sebehlale lapho okweminyaka elitshumi, <sup>5</sup> bobabili uMaheloni loKhiliyoni labo bafa, uNawomi wasesala engaselamadodana kanye lomkakhe.

### *Ukubuyela KukaNawomi LoRuthe EBhethilehema*

<sup>6</sup> Wathi esizwa eseMowabi ukuthi uTHIXO wayesesize abantu bakhe ngokubapha ukudla, uNawomi kanye labomalukazana bakhe balungisela ukubuyela kibo. <sup>7</sup> Wasuka endaweni ayekade ehlala kuyo, labomalukazana bakhe bobabili, wangena indlela eyayizabasa emuva elizweni lamaJuda.

<sup>8</sup> UNawomi wasesithi kubomalukazana bakhe bobabili, “Buyelani emuva, ngulowo lalowo aye emzini kanina. Engani uTHIXO angalenzela umusa onjengalowo elingitshengise wona kanye labomkenu asebedlule. <sup>9</sup> Sengathi uTHIXO angenza ukuba ngulowo lalowo athole inhlalo enhle nxa esendele kwenye indoda.”

Wasebanga, basebekhala kakhulu <sup>10</sup> bathi kuye, “Sizahamba lawe ebantwini bakini.”

<sup>11</sup> Kodwa uNawomi wathi, “Buyelani ngekhaya madodakazi ami. Kambe lingabe lihambelani lami? Ngingazala amanye amadodana na angaba ngomkenu? <sup>12</sup> Buyelani ngekhaya madodakazi ami. Sengigugile, angingeke ngibe ngisazuza enye indoda. Loba bekungabe kulethemba lokuthi ngende loba bengingaba lendoda ngabona lobubusuku ngizale amadodana, <sup>13</sup> lingawamelela aze akhule na? Lingahlala lingendanga lilindele wona na? Hatshi, madodakazi ami. Kubuhlungu kakhulu lokho kimi okwedlula kini ngoba ingalo kaTHIXO isingihlanekele!”

<sup>14</sup> Bekuzwa lokho bakhala njalo. U-Opha wasesanga uninazala wamvalelisa, kodwa uRuthe wabambeleva kuye.

<sup>15</sup> UNawomi wathi, “Khangela, unyanewenu usebuyela kwabakibo kanye labonkulunkulu bakhe. Buyela laye.”

<sup>16</sup> URuthe waphendula wathi, “Ungangincengi ukuba ngikutshiye loba ukuba ngikufulathele. Lapho oya khona ngizakuya khona, lalapho ozahlala khona ngizahlala khona. Abantu bakini bazakuba ngabakithi loNkulunkulu wakho uzakuba nguNkulunkulu wami. <sup>17</sup> Lapho ozafela khona lami ngizafela khona njalo ngizangcwatshelwa khona. Sengathi uTHIXO angangihlanekela nxa ngingehlukana lawe ngenxa yolunye ulutho olungesikufa.” <sup>18</sup> Kwathi uNawomi esebonile ukuthi uRuthe uzimisele ukuhamba laye, waseyekela ukumcindezela.



<sup>19</sup> Basebehamba bobabili baze bayafika eBhethilehema. Bathi befika eBhethilehema, umuzi wonke waba lokuxokozela ngabo, kwathi abesifazane bababaza besithi, “Angabe enguNawomi lo na?”

<sup>20</sup> Yena wathi kubo, “Lingangibizi ngokuthi nginguNawomi. Wothani nginguMara, ngoba uSomandla wenze impilo yami yaba munyu. <sup>21</sup> Ngasuka lapha ngigcwele, kodwa UTHIXO usengibuyise ngingelalutho. Lingangibizelani ngokuthi nginguNawomi? UTHIXO ungehlisele uhlupho; uSomandla ungehlisele okubi.”

<sup>22</sup> Ngakho uNawomi wabuyela ngokunjalo eBhethilehema evela eMowabi. Wafika ephelikezelwa nguRuthe umalukazana wakhe waseMowabi. Bafika ngesikhathi sokuqalisa ukuvuna ibhali.

## 2

### *URuthe Uhlanguana LoBhowazi Emasimini*

<sup>1</sup> UNawomi wayelesihlobo sakwabozala, indoda eyayinothile osendweni luka-Elimeleki, ibizo layo linguBhowazi.

<sup>2</sup> URuthe um'Mowabi wathi kuNawomi, “Yekela ngiye emasimini ngiyedobha inhlamvu zamabele asala emuva kulowo ozakuba lomusa kimi.”

UNawomi wathi, “Kulungile, hamba ndodakazi yami.” <sup>3</sup> Wasehamba, wafika wadobha amabele asala ngemuva kwabavunayo. Kwenzakala ukuthi wafika wasebenza ensimini kaBhowazi, owayengowosendo luka-Elimeleki.

<sup>4</sup> Kwasekufika uBhowazi evela eBhethilehema, wabingelela abavuni wathi, “UTHIXO kabe lani!”

Baphendula bathi, “UTHIXO akubusise!”

<sup>5</sup> UBhowazi wabuza inceku yakhe eyayikhangele abavunayo wathi, “Intombi le ngekabani?”

<sup>6</sup> Yena wathi, “NgeyaseMowabi eyabuya loNawomi. <sup>7</sup> Uthe, ‘Ngicela ukudobha okusalayo phakathi kwezithungo ngemva kwabavunayo.’ Ulokhu efike emasimini ekuseni lokhu esebenza kuze kube khathesi, ngaphandle kokuphumula kancinyane nje emthunzini.”

<sup>8</sup> UBhowazi wasesithi kuRuthe, “Lalela lapha-ke ndodakazi yami. Ungaze wayadobha kwenye insimu, ungasuki lapha. Hlala lapha laman-tombazana azincekukazi zami. <sup>9</sup> Nanzelela leyonsimu lapho amadoda avuna khona, wena ulandele amantombazana. Ngiwalayile amadoda ukuba angakuhluphi. Ungezwa usuwomile, uhambe uyenatha ezimbizeni ezikhelelwe zagcwaliswa ngamadoda.”

<sup>10</sup> Ekuzwa lokhu uRuthe wathi mbo phansi ngobuso, wambuza wathi, “Kungani ngifumane umusa ongaka kuwe uze ungizwele mina ngingowezizweni?”

<sup>11</sup> UBhowazi wathi, “Sengitsheliwe ngakho konke owakwenzela unyokozala kusukela ekufeni komkakho lokuthi watshiya uyihlo lonyoko lelizwe lakini weza ukuzahlala labantu owawungabazi ngaphambilini.

<sup>12</sup> Sengathi UTHIXO angakupha umvuzo ngalokhu okwenzileyo. Sengathi UTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, oze ukuphephela ngaphansi kwamaphiko akhe angakupha umvuzo omkhulu.”

<sup>13</sup> URuthe wathi, “Sengathi ngingaqhubeka ngithola umusa kuwe, nkosi yami. Usungiphe ukududuzeka njalo ukhulume ngomusa encekukazini yakho loba ngingafanele ukuba ngomunye wamantombazana azincekukazi zakho.”

<sup>14</sup> Ngesikhathi sokudla, uBhowazi wathi kuye, “Woza lapha. Nansi isinkwa, dlana utshebe ngewayini elileviniga.”

Wahlala phansi labavunayo, uBhowazi wasemupha amabele akhanzingi-weyo. Wadla wasutha waze watshiya. <sup>15</sup> Esesukuma ukuthi ayebutha, uBhowazi walaya amadoda wathi, “Loba angaze adobhe phakathi kwezithungo, lingaze lamhlupha. <sup>16</sup> Kodwa, hwatshani amanye amahlanga ezithungweni limtshiyele ukuze adobhe kuwo, lingaze lamkhuza.”

<sup>17</sup> Ngakho uRuthe wadobha ensimini kwaze kwahwalala. Wasebhula ibhali ayeyidobhile, yagcwala phamu amagokoko amabili. <sup>18</sup> Wayithwala waya layo ngekhaya, uninazala wabona lokho ayekuvunile. URuthe wakhupha ayekutshiyile esedle wasutha, weza lakho wamupha.

<sup>19</sup> Uninazala wabuza wathi, “Udobhe ngaphi lamhlanje? Usebenze ngaphi? Ubusisiwe lowomuntu okunanzeleleyo!”

URuthe wasemtshela uninazala ngalowo lapho ayekade esebenza khona wathi, “Ibizo lendoda engisebenze kuyo lamhla nguBhowazi.”

<sup>20</sup> UNawomi wathi kumalukazana wakhe, “UTHIXO kambusise! Kayekelanga ukutshengisa umusa wakhe kwabaphilayo lakwasebafayo.” Wengeza njalo wathi, “Indoda leyo iyisihlobo sethu esiseduze; ingomunye wezihlobo zethu ezingabahlengi.”

<sup>21</sup> URuthe um’Mowabi wasesithi, “Uze wathi kimi, ‘Ubohhlala ulandela izisebenzi zami zize ziqede ukuvuna amabele ami.’”

<sup>22</sup> UNawomi wathi kuRuthe umalukazana wakhe, “Kuzakuba kuhle, ndodakazi yami, ukuthi uhambe lamantombazana akhe, ngoba ungahlutshwa ensimini yomunye.”

<sup>23</sup> Ngakho uRuthe waba seduze lamantombazana azincekukazi zikaBhowazi ekudobheni kwaze kwaphela ukuvuna ibhali lengqoloyi. Njalo wahlala loninazala.

### 3

#### *URuthe LoBhowazi ESizeni*

<sup>1</sup> Ngelinye ilanga uNawomi, uninazala wathi kuye, “Ndodakazi yami, akungcono ngikudingele umuzi lapho ozagcineka khona kuhle na?”

<sup>2</sup> UBhowazi lo obusebenza lamantombazana akhe, yisihlobo sethu. Ngobusuku balamhlanje uzabe esela ibhali esizeni. <sup>3</sup> Geza, uziqhole ngamakha, ugqoke izigqoko zakho zokuceca. Ubususiya esizeni, kodwa ungaze waziveza kuye aze aqede ukudla lokunatha. <sup>4</sup> Nxa eselala, uqaphelise indawo alala kuyo, ubusufika wambule ezinyaweni zakhe ulale lapho. Uzakutshela ukuthi wenzeni.”

<sup>5</sup> URuthe wathi, “Ngizakwenza lokho ongitshela khona.” <sup>6</sup> Wasesuka waya esizeni, wenza konke ayekutshelwe nguninazala.

<sup>7</sup> Kwathi uBhowazi esethabe kakhulu ngemva kokudla lokunatha, wasuka wayalala ekucineni kwenqumbi yamabele. URuthe wasondela ngokuthula, wembula inyawo zakhe, waselala lapho. <sup>8</sup> Kwathi phakathi kobusuku indoda yethuswa ngokuthile, yasiphenduka yathola owesifazane elele ezinyaweni zayo.

<sup>9</sup> Yabuza yathi, “Ungubani wena?”

Yena waphendula wathi, “NginguRuthe, incekekazi yakho. Ngembathisa ngesembatho sakho, njengoba uyisihlobo sethu esingumhlengi.”

<sup>10</sup> Yena wathi, “UTHIXO akubusise, ndodakazi yami. Umusa wakho lo mkhulu ukwedlula lokho okwenze kuqala. Awuzange ukhethe ukulandelana lamajaha, ingabe nganohileyo loba angabayanga. <sup>11</sup> Ngakho-ke, ungesabi ndodakazi yami. Ngizakwenzela konke okucelayo. Bonke abantu bakulo umuzi bayakwazi ukuthi wena ungowesifazane oqotho. <sup>12</sup> Lanxa kuliqiniso ukuthi mina ngiyisihlobo esihlengayo, kodwa ukhona oyisihlobo

esiseduze okwedlula mina. <sup>13</sup> Hlala lapha lobubusuku, kuthi ekuseni nxa efuna ukukuhlenga; uzakwenza njalo. Kodwa nxa engakavumi lokho, mina ngizakwenza lokho njengoba uTHIXO ephila. Lala lapha kuze kuse.”

<sup>14</sup> Ngakho walala kwaze kwasa, wasevuka engakananzelelwa muntu; uBhowazi wathi kuye, “Ungaze watshela muntu ukuthi ukhona owesifazane oke weza esizeni.”

<sup>15</sup> Wengeza wathi, “Letha kimi isembatho lesa osembetheyo usivule.” Kwathi esenzajalo, wathela kuso ibhali eyizilinganiso eziyisithupha wamethesa. Wasesuka wabuyela ngekhlanya.

<sup>16</sup> URuthe wathi efika kuninazala, uNawomi wabuza wathi, “Kuhambe njani ndodakazi yami?”

Yena wamtshela konke ayekwenzelwe nguBhowazi, <sup>17</sup> wengeza esithi, “Ungiphe izilinganiso eziyisithupha zebhali wathi, ‘Ungaze wabuyela kunyokozala ungelalutho.’”

<sup>18</sup> UNawomi wasesithi, “Mana ndodakazi yami, uze ubone okuzakwenzakala. Umuntu lo kasoke aphumule indaba le ize ilungiswe lamhlanje.”

## 4

### *UBhowazi Uthatha URuthe*

<sup>1</sup> Kusenjalo uBhowazi waya esangweni ledolobho wahlala lapho. Kwathi isihlobo esihlengayo ayekhulume ngaso sisedlula lapho, uBhowazi wathi, “Woza lapha mngane wami, uhlale phansi.” Waya kuye wahlala phansi.

<sup>2</sup> UBhowazi wabiza abadala bakulelodalobho abalitshumi wathi, “Hlalani lapha,” benza njalo. <sup>3</sup> Wasesithi esihlotsheni esihlengayo, “UNawomi osebuyile evela eMowabi uthengisa isiqinti esasingesomnewethu u-Elimeleki. <sup>4</sup> Ngibone kufanele ukuthi ngilethe loludaba kuwe njalo ngicebise ukuthi usithenge phambi kwabo laba abahlezi lapha laphambi kwabadala bakithi. Nxa usihlenga, yenza njalo. Kodwa nxa ungasihlengi ungazise. Phela kakho olelungelo lokwenza lokho ngaphandle kwakho, besekulandela mina.”

Yena wathi, “Ngizasihlenga.”

<sup>5</sup> UBhowazi wasesithi, “Mhla uthenga umhlabathi kuNawomi loRuthe um’Mowabi, uzazuza lomfelokazi womufi, ukuze umise ibizo lomufi kanye lempahla yakhe.”

<sup>6</sup> Sikuzwa lokho, isihlobo esingumhlengi sathi, “Angingeke-ke ngisihlengi ngoba sekungonakala okwelifa lami. Sihlengi wena ngokwakho. Mina anganelisi.”

<sup>7</sup> (Ngalezonsuku zakuqala ko-Israyeli, ukuze umkhuba wokuhlenga impahla zisuka komunye zisiya komunye uphelele, oyedwa wayekhupha inyathela lakhe aliphe omunye. Le yayiyindlela yokuqinisa isivumelwano ko-Israyeli.)

<sup>8</sup> Ngakho isihlobo esihlengayo sakhupha inyathela laso sathi kuBhowazi, “Sithengi wena.”

<sup>9</sup> UBhowazi wasebika ebadaleni lakubo bonke abantu wathi, “Lamhlanje lingofakazi bokuthi sengithengile kuNawomi yonke impahla ka-Elimeleki, loKhiliyoni loMaheloni. <sup>10</sup> LoRuthe um’Mowabi, umfelokazi kaMaheloni sengimzuzile ukuba abe ngumkami, ukuze kugcinakale ibizo lomufi kanye lempahla yakhe, lokuze ibizo lakhe linganyamalali emulini loba embalini yomuzi. Lingofakazi lamhlanje!”

<sup>11</sup> Abadala kanye labo bonke ababesangweni bathi, “Singofakazi. Sengathi uTHIXO angenza owesifazane ozayo emzini wakho abe njengoRasheli loLeya, abayakhayo indlu ka-Israyeli bendawonye. Sengathi

ungahlonitshwa e-Efrathi ube lodumo eBhethlehem. <sup>12</sup> Ngenzalo UTHIXO azakunika yona ngalo owesifazane, sengathi imuli yakho ingaba njengeka-Pherezi, uThamari ayizalela uJuda.”

*UNaomi Uthola Indodana*

<sup>13</sup> UBhowazi wamthatha uRuthe waba ngumkakhe. Wembatha laye, UTHIXO wenza wakhulelwa, wasezala indodana. <sup>14</sup> Abesifazane bathi kuNawomi, “Kadunyiswe UTHIXO, yena ongakutshiyanga wasala ungelasihlobo esihlengayo. Sengathi angaba lodumo kulolonke elako-Israyeli! <sup>15</sup> Uzakwenza impilo yakho ibentsha, akulondolozze ebudaleni bakho. Ngoba umalukazana wakho, yena okuthandayo njalo ongcono kulamadodana ayisikhombisa, usemuphe inzalo.”

<sup>16</sup> UNawomi wasethatha umntwana, wamanga, wamondla. <sup>17</sup> Abesifazane ababehlala lapho bathi, “UNawomi uselendodana.” Bamutha ibizo bathi ngu-Obhedi. Nguye owaba nguyise kaJese, uyise kaDavida.

*Usendo LukaDavida*

<sup>18</sup> Lesi yiso isizukulwane sikaPherezi:

uPherezi wayenguyise kaHezironi,  
<sup>19</sup> uHezironi enguyise kaRamu,  
 uRamu enguyise ka-Aminadabi,  
<sup>20</sup> u-Aminadabi enguyise kaNahashoni,  
 uNahashoni enguyise kaSalimoni,  
<sup>21</sup> uSalimoni enguyise kaBhowazi,  
 uBhowazi enguyise ka-Obhedi,  
<sup>22</sup> u-Obhedi enguyise kaJese,  
 uJese enguyise kaDavida.

## Ugwalo Lwakuqala LukaSamuyeli

### *Ukuzalwa KukaSamuyeli*

<sup>1</sup> Kwakulendoda ethile yaseRamathayimi, umZufi owayevela elizweni lamaqaqa elako-Efrayimi, ibizo layo lalingu-Elikhana indodana ka-Jerohamu, indodana ka-Elihu, indodana kaThohu, indodana kaZufi, um'Efrayimi. <sup>2</sup> Wayelabafazi ababili; omunye wayethiwa nguHana omunye enguPhenina. UPhenina wayelabantwana kodwa uHana enge-labo.

<sup>3</sup> Ngeminyaka yonke indoda le yayisuka emzini wakibo isiyakhonza, inikela lomhlatshele kuTHIXO uSomandla eShilo, lapho uHofini loFinehasi, amadodana amabili ka-Eli, ababengabaphristi BAKATHIXO khona.

<sup>4</sup> Kwakusithi kungafika isikhathi sokuthi u-Elikhana anikele umhlatshele, wayenika umkakhe uPhenina lawo wonke amadodana lamadodakazi akhe izabelo zenyama. <sup>5</sup> Kodwa uHana wayemnika isabelo esiphindwe kabili ngoba wayemthanda, kodwa uTHIXO wayesivalile isibeletho sakhe.

<sup>6</sup> Njalo ngenxa yokuthi uTHIXO wayesivalile isibeletho sakhe, unyanewabo wayehlala emgolomba ukuze amcaphule. <sup>7</sup> Lokhu kwaqhubeka iminyaka yonke. Ngezikhathi zonke lapho uHana eye endlini KATHIXO, unyanewabo wayemgolomba aze akhale njalo ehluleke lokudla. <sup>8</sup> U-Elikhana umkakhe, wayesithi kuye, "Hana, ukhalelani na? Kungani ungadli na? Kungani udanile? Kuwe angiqakathekanga ukwedlula amadodana alitshumi na?"

<sup>9</sup> Kwake kwathi sebegede ukudla lokunatha eShilo, uHana wasukuma. Ngalesosikhathi u-Eli umphristi wayehlezi esihlalweni phansi kwensika yomnyango wethempeli LIKATHIXO. <sup>10</sup> Ngobuhlungu bomoya uHana wakhala kakhulu njalo wakhuleka kuTHIXO. <sup>11</sup> Wafunga esithi, "Awu, THIXO Somandla, nxa ungakhangela nje usizi lwencekukazi yakho ungikhumbule, njalo ungayikhohlwa incekekazi yakho kodwa uyiphe indodana, lapho-ke ngizayinika uTHIXO okwensuku zonke zokuphila kwayo, njalo akulampuco ezasetshenziswe ekhanda layo."

<sup>12</sup> Ekuqhubekeni kwakhe uHana ekhuleka kuTHIXO, u-Eli wananzelela umlomo wakhe. <sup>13</sup> UHana wayekhulekela enhliziyweni yakhe, izindebe zakhe zinyikinyeka kodwa ilizwi lakhe lingezwakali. U-Eli wacabanga ukuthi wayedakiwe, <sup>14</sup> ngakho wathi kuye, "Koze kube nini ulokhu udakwa na? Yekela iwayini lakho."

<sup>15</sup> "Akunjalo nkosi yami," uHana waphendula. "Ngingowesifazane ohlupheke kakhulu. Kangizange nginathe iwayini kumbe utshwala. Kade ngisethula umphefumulo wami kuTHIXO. <sup>16</sup> Ungathathi incekekazi yakho njengowesifazane ogangileyo; kade ngikhuleka lapha ngenxa yosizi lwami olukhulu kanye lobuhlungu."

<sup>17</sup> U-Eli waphendula wathi, "Hamba ngokuthula, sengathi uNkulunkulu ka-Israyeli angakupha lokho okucele kuye."

<sup>18</sup> UHana wathi, "Sengathi incekekazi yakho ingathola umusa emehlweni akho." Lapho-ke wasuka wahamba, wadla, njalo ubuso bakhe babungasadananga.

<sup>19</sup> Ekuseni okwalandelayo bavuka bayakhonza phambi kuKATHIXO base-bebuyela emzini wabo eRama. U-Elikhana walala loHana umkakhe, uTHIXO wamkhumbula. <sup>20</sup> Ngakho ngokuhamba kwesikhathi uHana

wathatha isisu wazala indodana. Wayetha ibizo wathi nguSamuyeli, esithi, “Ngoba ngamcela KU<sup>THIXO</sup>.”

### *UHana Unikela USamuyeli*

<sup>21</sup> Kwathi lapho u-Elikhana ehamba labendlu yakhe bonke ukuyanikela umhlatshelo weminyaka yonke KU<sup>THIXO</sup> lokugcwalisa isifungo sakhe, <sup>22</sup> uHana kahambanga. Wathi kumkakhe, “Emva kokuba umfana eselunyulwe, ngizamthatha ngiyemethula phambi KUKA<sup>THIXO</sup>, njalo uzahlala khona kokuphela.”

<sup>23</sup> U-Elikhana umkakhe wathi kuye, “Yenza lokho okukhanya kukuhle kuwe. Hlala khonapho uze umkhuphe ebeleni; kuphela nje sengathi U<sup>THIXO</sup> angagcwalisa ilizwi lakhe.” Ngakho owesifazane wahlala ekhaya wondla indodana yakhe waze wayilumula.

<sup>24</sup> Emva kokuba esekhutshiwe ebeleni, wahamba lomfana, emncane enjalo kanye lenkunzi eyayileminyaka emithathu ubudala, lehefa lem-puphu yengqoloyi kanye lembodlela yewayini, wamusa endlini KA<sup>THIXO</sup> eShilo. <sup>25</sup> Kwathi inkunzi sebeyihlabile, bamhambisa umfana ku-Eli, <sup>26</sup> uHana wasesithi kuye, “Ngeqiniso elinjengoba ukhona, nkosi yami, mina ngingulwana umfazi owema phansi kwakho ekhuleka KU<sup>THIXO</sup>. <sup>27</sup> Ngakhulekela umntwana lo, njalo U<sup>THIXO</sup> usengiphile engakucelayo. <sup>28</sup> Ngakho khathesi sengimnika U<sup>THIXO</sup>. Uzanikwa U<sup>THIXO</sup> impilo yakhe yonke.” Wakhonza U<sup>THIXO</sup> khonapho.

## 2

### *Umkhuleko KaHana*

<sup>1</sup> UHana wasekhuleka esithi:  
 “Inhliziyo yami iyathokoza KU<sup>THIXO</sup>;  
 KU<sup>THIXO</sup> uphondo lwami luphakeme.  
 Umlomo wami uyaziklolodela izitha zami,  
 ngoba ngiyathokoza ekusindiseni kwakho.

<sup>2</sup> Kakho ongcwele NJENGO<sup>THIXO</sup>;  
 kakho omunye ngaphandle kwakho;  
 akulaDwala elinjengo-Nkulunkulu wethu.

<sup>3</sup> Lingabe lisakhuluma ngokuzigqaja kanje  
 loba uyekele umlomo wakho ukhuluma ukuzikhukhumeza okunje,  
 ngoba U<sup>THIXO</sup> unguNkulunkulu owaziyo,  
 njalo izenzo zilinganiswa nguye.

<sup>4</sup> Amadandili amabutho ephukile,  
 kodwa labo abakhubekayo bahlonyiswe ngamandla.

<sup>5</sup> Labo ababesuthi baziqhatshisa ngokudla,  
 kodwa labo ababelambile kabalambi futhi.  
 Lowo owayeyinyumbakazi usezele abantwana abayisikhombisa,  
 kodwa lowo owayelamadodana amanengi uyacikizeka.

<sup>6</sup> U<sup>THIXO</sup> uletha ukufa njalo enze ukuphila,  
 wehlisela phansi engcwabeni njalo avuse.

<sup>7</sup> U<sup>THIXO</sup> uthumela ubuyanga kanye lenotho;  
 uyathobekisa njalo uyaphakamisa.

<sup>8</sup> Uvusa abayanga ethulini

aphakamise abaswelayo esilotheni;  
 abahlalise lamakhosana.  
 Enze bathole isihlalo sodumo sibe yilifa labo.

Ngoba izisekelo zomhlaba NGEZIKATHIXO;  
 umise umhlaba phezu kwazo.  
<sup>9</sup> Uzalondoloza inyawo zabathembekileyo bakhe,  
 kodwa ababi bazathuliselwa emnyameni.

Akusikho ngamandla ukuthi umuntu ehlule;  
<sup>10</sup> labo abaphikisa UTHIXO bazaphahlazwa.  
 OPhezukonke uzaduma amelane labo esezulwini;  
 UTHIXO uzakwahlulela imikhawulo yomhlaba.

Uzayinika amandla inkosi yakhe  
 aphakamise lophondo logcotshiweyo wakhe.”

<sup>11</sup> Emva kwalokho u-Elikhana wabuyela ekhaya eRama, kodwa umfana wakhonza phambi KUKATHIXO ngaphansi kuka-Eli umphristi.

#### *Amadodana Ka-Eli Axhwalileyo*

<sup>12</sup> Amadodana ka-Eli ayengabantu abaxhwalileyo, ayengamnanzi UTHIXO. <sup>13</sup> Kwakungumkhuba wabaphristi labantu ukuthi kokuphela nxa loba ngubani enikele umhlathshelo, njalo lapho inyama isaphekwa, inceku yomphristi yayisiza iphetho ifologwe elencijo ezintathu. <sup>14</sup> Yayihlaba ngayo epaneni loba egedleleni loba ebhodweni kumbe embizeni, umphristi abe esezithathela loba kuyini okuphume lefologwe. Le yiyo indlela abaphatha ngayo bonke abako-Israyeli abafika eShilo. <sup>15</sup> Kodwa lalapho amahwahwa engakatshi, inceku yomphristi yayisiya emuntwini onikelayo ithi, “Nika umphristi inyama yokosa; kasoze ayamukele kuwe inyama ephekiweyo, kodwa eluhlaza kuphela.”

<sup>16</sup> Lapho umuntu ethe kuyo, “Yekela amahwahwa aqale atshe, ube usuthathake lokho okufunayo,” inceku yayiphendula ithi, “Hatshi, ngiqhubela yona khathesi; nxa ungenzi njalo, ngizayihluthuna ngamandla.”

<sup>17</sup> Lesisono samajaha sasisikhulu kakhulu emehlweni KATHIXO, ngoba babephatha umnikelo KATHIXO ngokwedelela.

<sup>18</sup> Kodwa uSamuyeli wayekhonzisa phambi KUKATHIXO engumfana eggoka isembatho samahlombe selineni. <sup>19</sup> Minyaka yonke unina wayemenzela ingubo encane ayise kuye lapho esiya khonale lomkakhe ukuyanikela umhlathshelo weminyaka yonke. <sup>20</sup> U-Eli wayebusisa u-Elikhana lomkakhe, esithi, “Sengathi UTHIXO angalipha abantwana ngalo owesifazane ukuba bathathe isikhundla salowo amkhulekelayo wasemnika UTHIXO.” Emva kwalokho babebuyela ekhaya. <sup>21</sup> UTHIXO waba lomusa kuHana; wakhulelwa wazala amadodana amathathu lamadodakazi amabili. Kusenjalo, umfana uSamuyeli wakhula phambi KUKATHIXO.

<sup>22</sup> Ngalesosikhathi u-Eli, owayesemdala kakhulu, wezwa ngakho konke okwakusenziwa ngamadodana akhe ku-Israyeli wonke kanye lokuthi ayelala njani labesifazane ababesebenza esangweni lethente lokuhlangana. <sup>23</sup> Ngakho wathi kuwo, “Kungani lisenza izinto ezinje na? Ngizizwa ngabantu bonke lezizenzo zenu ezimbi. <sup>24</sup> Hatshi, madodana ami; akusimbiko omuhle engiwuzwa usanda phakathi kwabantu BAKATHIXO. <sup>25</sup> Nxa umuntu esona komunye umuntu, uNkulunkulu angaba ngumeli

wakhe kodwa nxa umuntu esona kuTHIXO, ngubani ongamkhulumela na?" Kodwa amadodana akhe kawakulalelanga ukukhuza kukayise, ngoba kwakuyisifiso SIKATHIXO ukuba awabulale.

<sup>26</sup> Umfana uSamuyeli waqhubeka ekhula ngomzimba langokuthandeka kuTHIXO lasebantwini.

### *Isiphrofethi Esibi Ngendlu Ka-Eli*

<sup>27</sup> Ngalesosikhathi umuntu kaNkulunkulu wafika ku-Eli wathi kuye, "Nanku okutshiwo nguTHIXO ukuthi: 'Kangizibonakalisanga ngokubalulekileyo endlini kayihlo lapho babeseGibhithe ngaphansi kukaFaro na? <sup>28</sup> Ngakhetha uyihlo phakathi kwezizwana zonke zaku-Israyeli ukuba abe ngumphristi wami, ukuba aye e-alithareni lami, ukuba atshise impepha, lokuba agqoke isembatho samahlombe phambi kwami. Njalo nganika indlu kayihlo yonke iminikelo eyenziwa ngomlilo ngabako-Israyeli. <sup>29</sup> Pho kungani useyisa imihlatshelo yami kanye leminikelo engayiphawulela indlu yami yokuhlala na? Kungani uhlonipha amadodana akho okudlula mina ngokuzikhuluphalisa lina ngokwenu ngezingxenye zekhethelo zeminikelo yonke eyenziwa ngabantu bako-Israyeli na?'

<sup>30</sup> Ngakho-ke uTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi, 'Ngathembisa ukuthi indlu yakho lendlu kayihlo zizakhonza phambi kwami nini lanini.' Kodwa khathesi uTHIXO uthi, 'Akusenjalo kimi!' Labo abangihloniphayo ngizabahlonipha, kodwa labo abangeyisayo bazakweyiswa. <sup>31</sup> Isikhathi siyeza lapho engizaphungula khona amandla akho lamandla endlu kayihlo, ukuze kungabi lomuntu omdala kusendo lwakwenu <sup>32</sup> njalo uzabona usizi lapho engihlala khona. Lanxa okuhle kuzakwenziwa ku-Israyeli, kwabosendo lwakho akuyikuba lomuntu omdala. <sup>33</sup> Lowo lalowo wakini engingayikumsusa e-alithareni lami uzayekelwa nje ukuba amehlo akhe afiphale lokuba azwise inhliziyo yakho ubuhlungu, njalo yonke inzalo yakho izakufa kuyikhona isephakathi kwempilo.

<sup>34</sup> 'Njalo okwenzakala emadodaneni akho amabili, uHofini loFinehasi, kuzakuba yisiboniso kuwe, bobabili bazakufa langa linye. <sup>35</sup> Ngizakuzimisela umphristi othembekileyo ozakwenza mayelana lokusenhliziyweni yami lengqondweni yami. Ngizamisa indlu yakhe iqine, njalo uzakhonza phambi kogcotshiweyo wami kokuphela. <sup>36</sup> Lapho-ke bonke abosendo lwakho abaseleyo bazakuza bakhothame kuye becela uhlamvu lwesiliva loqweqwe lwesinkwa njalo bakhalaze besithi, "Ake ungibeke kwesinye isikhundla sobuphristi ukuze ngithole ukudla ngidle." "'"

## 3

### *UTHIXO Ubiza USamuyeli*

<sup>1</sup> Umfana uSamuyeli wakhonza phambi kuKATHIXO engaphansi kuka-Eli. Ngalezonsuku ilizwi LIKATHIXO lalingandanga; kwakungelamibono emineni.

<sup>2</sup> Ngobunye ubusuku u-Eli, amehlo akhe ayeseziphala esebona kalufifi, wayelele endaweni yakhe yansuku zonke. <sup>3</sup> Isibane sikaNkulunkulu sasingakacitshi, njalo uSamuyeli wayelele phansi ethempelini LIKATHIXO, lapho okwakulebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu khona. <sup>4</sup> UTHIXO wasembiza uSamuyeli.

USamuyeli wasabela wathi, "Ngilapha." <sup>5</sup> Wagijimela ku-Eli wathi, "Ngilapha; ungibizile."



Kodwa u-Eli wathi, “Angikubizanga; buyela uyelala.” Ngakho wabuyela wayalala.

<sup>6</sup> UTHIXO wambiza futhi wathi, “Samuyeli!” USamuyeli wavuka waya ku-Eli wathi, “Ngilapha; ungibizile.”

U-Eli wathi, “Ndodana yami, Angikubizanga; buyela uyelala.”

<sup>7</sup> Ngalesosikhathi uSamuyeli wayengakamazi UTHIXO: Ilizwi LIKATHIXO lalingakavezwa kuye.

<sup>8</sup> UTHIXO wambiza uSamuyeli okwesithathu, njalo uSamuyeli wavuka waya ku-Eli wathi, “Ngilapha; ungibizile.”

Lapho-ke u-Eli wabona ukuthi NGUTHIXO owayebiza umfana. <sup>9</sup> Ngakho u-Eli watshela uSamuyeli wathi, “Hamba uyelala, njalo nxa ekubiza wena uthi, ‘Khuluma THIXO, ngoba inceku yakho ilalele.’” Ngakho uSamuyeli wahamba wayalala endaweni yakhe.

<sup>10</sup> UTHIXO weza wema khonapho, ebiza njengakuqala esithi, “Samuyeli! Samuyeli!”

USamuyeli wathi, “Khuluma, ngoba inceku yakho ilalele.”

<sup>11</sup> UTHIXO wasesithi kuSamuyeli, “Khangela, sekuseduze ukuba ko-Israyeli ngenze into ezakwenza indlebe zomuntu wonke okuzwayo lokho zincencethe. <sup>12</sup> Ngalesosikhathi ngizamelana lo-Eli, ngenze konke engakukhuluma mayelana lendlu yakhe kusukela ekuqaleni kusiya ekucineni. <sup>13</sup> Ngoba ngamtshela ukuthi ngizakwahlulela indlu yakhe okulaphakade ngenxa yesono ayesazi; amadodana akhe ayehlambaza uNkulunkulu, yena wehluleka ukuwakhuza. <sup>14</sup> Ngakho, ngayifungela indlu ka-Eli ngathi, ‘Icala lendlu ka-Eli kaliyikuhlulwa ngomhlathelo loba ngomnikelo.’”

<sup>15</sup> USamuyeli walala phansi kwaze kwaba sekuseni wasevula iminyango yendlu KATHIXO. Wayesesaba ukutshela u-Eli umbono, <sup>16</sup> kodwa u-Eli wambiza wathi, “Samuyeli, ndodana yami.”

USamuyeli wasabela wathi, “Ngilapha.”

<sup>17</sup> U-Eli wabuza wathi, “Kuyini akutshiloyo kuwe na? Ungangifihleli. Sengathi uNkulunkulu angakujezisa, kube buhlungu kakhulu, nxa uzangifihlela loba kuyini akutshele khona.” <sup>18</sup> Ngakho uSamuyeli wamtshela konke, engamfihlelanga lutho. U-Eli wasesithi, “UNGUTHIXO; kenze lokho akubona kukuhle emehlweni akhe.”

<sup>19</sup> UTHIXO wayeloSamuyeli ekukhuleni kwakhe, njalo kayekelanga lalinye lamazwi akhe liwela phansi. <sup>20</sup> Njalo u-Israyeli wonke kusukela eDani kusiya eBherishebha wakwazi ukuthi uSamuyeli wayebekwe ukuba ngumphrofethi KATHIXO. <sup>21</sup> UTHIXO waqhubeka ebonakala eShilo, njalo khonapho waziveza kuSamuyeli ngelizwi lakhe.

## 4

<sup>1</sup> Ilizwi likaSamuyeli lafika ku-Israyeli wonke.

### *AmaFilistiya Athumba Ibhokisi Lesivumelwano*

Ngalesosikhathi abako-Israyeli baphuma ukuyakulwa lamaFilistiya. Abako-Israyeli bamisa e-Ebhenezeri, amaFilistiya e-Afekhi. <sup>2</sup> AmaFilistiya ahlela amabutho awo ukuba ayohlangana labako-Israyeli, kwathi ekumemethekeni kwempi, u-Israyeli wehlulwa ngamaFilistiya, abulala abaphosa babe zinkulungwane ezine enkundleni yokulwela. <sup>3</sup> Kwathi esebuyele ezihonqweni, abadala bako-Israyeli bathi, “Kungani UTHIXO esilethele ukwehlulwa lamhla phambi kwamaFilistiya na? Kasiyenithatha

ibhokisi lesivumelwano sika THIXO eShilo, ukuze lihambe lathi lisisindise esandleni sezitha zethu.”

<sup>4</sup> Ngakho abantu bathuma amadoda eShilo, abuya lebhokisi lesivumelwano SIKATHIXO uSomandla, ehlezi ebukhosini phakathi kwamakherubhi. Lamadodana ka-Eli amabili, uHofini loFinehasi, ayekhona lebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu.

<sup>5</sup> Kwathi lapho ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO lifika ezihongweni, wonke u-Israyeli wenza umsindo omkhulu iphansi laze lanyikinyeka. <sup>6</sup> Esizwa ukuxokozela amaFilistiya abuza athi, “Utshoni umsindo wonke lo ezihongweni zamaHebheru na?”

Kwathi esezwile ukuthi ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO laselikhona ezihongweni, <sup>7</sup> amaFilistiya esaba. Athi, “Unkulunkulu usefikile ezihongweni. Siphakathi kohlupho. Akulanto enje eseyake yenzakala ngaphambili. <sup>8</sup> Maye kithi! Ngubani ozasikhulula esandleni sabonkulunkulu laba abalamandla abatshaya amaGibhithe ngenhlobo zonke zezifo enkangala? <sup>9</sup> Qinani, maFilistiya! Wobani ngamadoda hlezi libe yizichaka zamaHebheru, njengalokhu ababeyikho kini. Wobani ngamadoda, lilwe!”

<sup>10</sup> Ngakho amaFilistiya alwa, abako-Israyeli behlulwa njalo amadoda wonke abalekela emathenteni awo. Ababulawayo babebanengi kakhulu; u-Israyeli walahlekelwa ngamabutho ezinyawo azinkulungwane ezingamatshumi amathathu. <sup>11</sup> Ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lathunjwa, lamadodana amabili ka-Eli, Hofini loFinehasi, afa.

### *Ukufa Kuka-Eli*

<sup>12</sup> Ngalelolanga umuntu wakoBhenjamini wagijima esuka empini waya eShilo, iziggoko zakhe zazidabukile elothuli ekhanda. <sup>13</sup> Ekufikeni kwakhe, kwakulo-Eli ehlezi esihlalweni eceleni komgwaqo, elindle, ngoba inhliziyo yakhe yayisesabela ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu. Kwathi umuntu lowo esengenile emzini wabika okwasekwenzakele, umuzi wonke waqhinqa isililo.

<sup>14</sup> U-Eli wezwa umsindo wokukhala wabuza wathi, “Ukuxokozela lokhu kutshoni na?”

Umuntu lowo watshitshela ku-Eli, <sup>15</sup> owayeleminyaka engamatshumi ayisificamunwemunye munye lasificaminwembili mibili ubudala, njalo amehlo akhe ayesefiphele, engasaboni. <sup>16</sup> Watshela u-Eli wathi, “Ngisanda kufika ngivela empini; ngibalekile kuyo ngalonaleli ilanga.”

U-Eli wabuza wathi, “Kutheni ndodana yami?”

<sup>17</sup> Umuntu owaletha umbiko waphendula wathi, “U-Israyeli ubalekile phambi kwamaFilistiya njalo ibutho lilahlekelwe kakhulu. Njalo lamadodana akho amabili, uHofini loFinehasi, afile njalo lebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lithunjiwe.”

<sup>18</sup> Kwathi esethinte ngebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu, u-Eli wawa ngesiphundu esihlalweni sakhe eceleni kwesango. Intamo yakhe yephuka, wafa, ngoba wayesengumuntu omdala njalo emkhulu. Wayekhokhele u-Israyeli iminyaka engamatshumi amane.

<sup>19</sup> Umalukazana wakhe, umkaFinehasi, wayekhulelwe njalo esezabeletha. Kwathi esizwa izindaba zokuthi ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lalithunjiwe lokuthi uyisezala lomkakhe basebefile, wachelelwa wabeletha, kodwa wakhulelwa yibuhlungu bomhelo wakhe. <sup>20</sup> Esesifa, abesifazane ababembelethisa bathi kuye, “Ungalahli ithemba; uzele indodana.” Kodwa yena kaphendulanga loba anake.

<sup>21</sup> Wametha ibizo umfana wathi ngu-Ikhabhodi, esithi, “Udumo lusukile ko-Israyeli” ngenxa yokuthunjwa kwebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lokufa kukayisezala kanye lomkakhe. <sup>22</sup> Wathi, “Udumo lusukile ko-Israyeli, ngoba ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lithunjiwe.”

## 5

### *Ibhokisi Lesivumelwano E-Ashidodi Kanye Le-Ekroni*

<sup>1</sup> Emva kokuba amaFilistiya esethumbe ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu, alithatha e-Ebhenezeri alisa e-Ashidodi. <sup>2</sup> Aphinda alithwala alisa ethempelini likaDagoni. <sup>3</sup> Kwathi abantu base-Ashidodi bevuka ekuseni kakhulu okwalandelayo, nango uDagoni, ewele phansi ngobuso phambi kwebhokisi lesivumelwano SIKATHIXO! Bamthatha uDagoni bambeka endaweni yakhe. <sup>4</sup> Kodwa ngakusasa ekuseni bathi bevuka, nango uDagoni, ewele phansi ngobuso phambi kwebhokisi lesivumelwano SIKATHIXO! Ikhanda lakhe lezandla kwakugumukile kuthe qecele eduze lomnyango; kwakusele umzimba wakhe kuphela. <sup>5</sup> Ngalokho-ke kuze kube lamhla abaphristi bakaDagoni labanye nje abangena ethempelini likaDagoni kabanyatheli ekuqaliseni komnyango.

<sup>6</sup> Isandla SIKATHIXO sasinzima phezu kwabantu base-Ashidodi laseduze kwayo; wehlisela incithakalo phezu kwabo yabahlupha langamathumba. <sup>7</sup> Kwathi abantu base-Ashidodi bebona okwakusenzakala, bathi, “Ibhokisi lesivumelwano sikankulunkulu ka-Israyeli akumelanga lihlale lathi lapha, ngoba isandla sakhe sinzima phezu kwethu laphezu kukaDagoni unkulunkulu wethu.” <sup>8</sup> Ngakho babiza bonke ababusi bamaFilistiya bababuza bathi, “Sizakwenzani ngebhokisi lesivumelwano sikankulunkulu ka-Israyeli na?”

Baphendula bathi, “Ibhokisi lesivumelwano sikankulunkulu ka-Israyeli liseni eGathi.” Ngakho ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu balisa eGathi.

<sup>9</sup> Kodwa kwathi sebelihambisile, isandla SIKATHIXO samelana lalodolobho, okwenza kwaba lokuthuthumela okukhulu kulo. Wahlupha abantu bedolobho lelo, abatsha labadala, ngokuphihlaka kwamathumba. <sup>10</sup> Ngakho ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lasiwa e-Ekroni.

Kwathi ibhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu lifika e-Ekroni, abantu base-Ekroni bakhala besithi, “Sebelethe ibhokisi lesivumelwano sikankulunkulu ka-Israyeli kithi lapha ukuzasibulala kanye labantu bakithi.”

<sup>11</sup> Ngakho babiza bonke ababusi bamaFilistiya, bathi, “Susani ibhokisi lesivumelwano sikankulunkulu ka-Israyeli; kalibuyele emuva endaweni yalo, hlezi lisibulale thina kanye labantu bakithi.” Ngoba ukufa kwakwenze kwaba lokuthuthumela edolobheni; isandla sikaNkulunkulu sasinzima kakhulu phezu kwalo. <sup>12</sup> Labo abangafanga baphunywa ngamathumba, njalo umkhosi wedolobho waya phezulu ezulwini.

## 6

### *Ibhokisi Lesivumelwano Libuyiselwa Ko-Israyeli*

<sup>1</sup> Kwathi ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO selihlale elizweni lamaFilistiya izinyanga eziyisikhombisa, <sup>2</sup> amaFilistiya abiza abaphristi labahlahluli athi, “Sizakwenzani ngebhokisi lesivumelwano SIKATHIXO na? Sitsihleni ukuthi singalibuyisela njani emuva endaweni yalo.”

<sup>3</sup> Baphendula bathi, “Nxa libuyisela ibhokisi lesivumelwano sikankulunkulu ka-Israyeli, lingalibuyiseli lingelalutho, kodwa impela thumelani

umnikelo wecala kuye. Ngalokho lizasila, njalo lizakwazi ukuthi kungani isandla sakhe singasuswanga kini.”

<sup>4</sup> AmaFilistiya abuza athi, “Ngumnikelo bani wecala okumele si-wuthumele kuye na?”

Baphendula bathi, “Amathumba egolide amahlanu lamagundwane egolide amahlanu, kusiya ngenani lababusi bamaFilistiya, ngoba isifo sinye sihlasele lina kanye lababusi benu.” <sup>5</sup> Yenzani izifanekiso zamathumba lamagundwane achitha ilizwe, lidumise unkulunkulu ka-Israyeli. Mhlawumbe uzasusa isandla sakhe kini lakubonkulunkulu benu kanye laselizweni lenu. <sup>6</sup> Kungani lisenza inhliziyo zenu zibe lukhuni njengalokhu okwenziwa ngamaGibhithe loFaro na? Lapho unkulunkulu wama-Israyeli esebaphethe kalukhuni kabawavumelanga ama-Israyeli ukuba ahambe na?

<sup>7</sup> “Ngakho-ke khathesi, lungisani inqola entsha lamankomokazi amabili azeleyo njalo angakaze afakwe ijogwe. Bophelani amankomokazi enqoleni, kodwa lisuse amankonyane awo liwavalele esibayeni. <sup>8</sup> Thathani ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO lilibeke enqoleni, kuthi emxhakeni oseceleni kwalo lifake izinto zegolide elizithumela kuye njengomnikelo wecala. Ikhupheni izihambeke ngendlela yayo, <sup>9</sup> kodwa liyiqaphelisise. Ingaya elizweni lakibo, iqonde eBhethi-Shemeshi, kuyabe KUNGUTHIXO othelele incithakalo le enkulu phezu kwethu. Kodwa nxa ingenzi njalo, sizakwazi ukuthi kade kungasisosandla sakhe esisitshayileyo kanye lokuthi kuzenzakalele kodwa nje kithi.”

<sup>10</sup> Ngakho-ke bakwenza lokhu. Bathatha amankomokazi amabili anjalo bawabophela enqoleni kwathi amankonyane awo bawavalele esibayeni. <sup>11</sup> Babeka ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO enqoleni ndawonye lomxhaka owawulamagundwane egolide lezifanekiso zamathumba. <sup>12</sup> Emva kwalokho amankomokazi ahamba eqonde eBhethi-Shemeshi, elokhu esemgwaqweni njalo ebhonsa indlela yonke; kawazange aphambukele kwesokudla kumbe kwesenxele. Ababusi bamaFilistiya bawalandela baze bayafika emngceleni weBhethi Shemeshi.

<sup>13</sup> Ngalesosikhathi abantu beBhethi-Shemeshi babevuna ingqoloyi yabo esigodini, njalo bathi lapho bekhangelela babona ibhokisi lesivumelwano, bathokoza ukulibona. <sup>14</sup> Inqola yafika ensimini kaJoshuwa waseBhethi-Shemeshi, yasisima khonapho phansi kwedwala elikhulu. Abantu babanda inqola yaba zinkuni basebehlaba amankomokazi ukuba ngumnikelo wokutshiswa KUTHIXO. <sup>15</sup> AbaLevi bethula ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO, kanye lomxhaka owawulezinto zegolide, bakubeka phezu kwedwala elikhulu. Ngalelolanga abantu baseBhethi-Shemeshi banikela iminikelo yokutshiswa benza lemihlatshelo KUTHIXO. <sup>16</sup> Ababusi abahlanu bamaFilistiya bakubona konke lokhu basebebuyela e-Ekroni ngalelolanga.

<sup>17</sup> Amathumba egolide amaFilistiya awathumela KUTHIXO njengomnikelo wecala yila, elilodwa ele-Ashidodi, leleGaza, lele-Ashikheloni, leleGathi kanye lele-Ekroni. <sup>18</sup> Lenani lamagundwane egolide lalisiya ngenani lamadolobho amaFilistiya ayengawababusi abahlanu, amadolobho ayevikelwe alemizi yawo yasemaphandleni. Idwala elikhulu ababebeke ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO phezu kwalo, liyibufakazi lalamhlanje ensimini kaJoshuwa waseBhethi-Shemeshi.

<sup>19</sup> Kodwa uNkulunkulu watshaya abanye babantu baseBhethi-Shemeshi, wabulala abangamatshumi ayisikhombisa babo ngoba babelunguze phakathi kwebhokisi lesivumelwano sikaNkulunkulu. Abantu balila ngenxa yokugadla okunzima UTHIXO ayekwenze kubo, <sup>20</sup> njalo abantu

baseBhethi-Shemeshi babuza bathi, “Pho ngubani ongema phambi KUKATHIXO, uNkulunkulu lo ongcwele na?”

<sup>21</sup> Emva kwalokho bathumela izithunywa ebantwini baseKhiriyathi-Jeyarimi, besithi, “AmaFilistiya aselibuyisile ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO. Wozani lizolithatha lilise endaweni yenu.”

## 7

<sup>1</sup> Ngakho abantu baseKhiriyathi-Jeyarimi beza balithatha ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO. Balisa endlini ka-Abhinadabi eqaqeni bangcwelisa u-Eliyazari indodana yakhe ukuba agcine ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO.

<sup>2</sup> Kwakuyisikhathi eside, iminyaka engamatshumi amabili isiyonke, ibhokisi lesivumelwano liseKhiriyathi-Jeyarimi.

### *USamuyeli Unqoba AmaFilistiya eMizipha*

Njalo bonke abantu bako-Israyeli bakhala befuna uTHIXO. <sup>3</sup> USamuyeli wasesithi kuyo yonke indlu ka-Israyeli, “Nxa libuyela kuTHIXO ngezinhliziyi zenu zonke zehlukaniseni labonkulunkulu bezizweni labo-Ashithorethi lizinikele kuTHIXO njalo likhonze yena kuphela, uzalikhulula esandleni samaFilistiya.” <sup>4</sup> Ngakho abako-Israyeli babalahla oBhali babo labo-Ashithorethi, bakhonza uTHIXO kuphela.

<sup>5</sup> USamuyeli wasesithi, “Buthanisani u-Israyeli wonke eMizipha mina ngizalikhulekela kuTHIXO.” <sup>6</sup> Kwathi seabuthene eMizipha, bakha amanzi bawathela phambi KUKATHIXO. Ngalolosuku bazila njalo bavuma izono zabo khonapho besithi, “Sonile.” Njalo uSamuyeli wahlulela abantu bako-Israyeli eMizipha.

<sup>7</sup> Kwathi amaFilistiya esizwa ukuthi u-Israyeli wayebuthene eMizipha, ababusi bamaFilistiya baya khona ukuyabahlasela. Kwathi abako-Israyeli bekuzwa, besaba ngenxa yamaFilistiya. <sup>8</sup> Bathi kuSamuyeli, “Ungayekeli ukusikhalela kuTHIXO uNkulunkulu wethu ukuba asihlenge esandleni samaFilistiya.” <sup>9</sup> USamuyeli wathatha iwundlu elimunyayo walinikela kuTHIXO njengomnikelo opheleleyo wokutshiswa. Wamkhulekela kuTHIXO u-Israyeli, uTHIXO wamphendula.

<sup>10</sup> Kwathi uSamuyeli enikela umnikelo wokutshiswa, amaFilistiya asondela eduze ukuba alwe lo-Israyeli. Kodwa mhlalokho uTHIXO waduma ngomdumo omkhulu emelane lamaFilistiya wawenza athuthumela kangangoba aze achithwachithwa phambi kwabako-Israyeli. <sup>11</sup> Abantu bako-Israyeli bagijima bephuma eMizipha baxotshana lamaFilistiya bewabulala endleleni baze bayafika endaweni engaphansi kweBhethi-Khari.

<sup>12</sup> USamuyeli wasethatha ilitshe walimisa phakathi kweMizipha leSheni. Walibiza ngokuthi yi-Ebhenezeri, esithi, “Kuze kube khathesi uTHIXO usisizile.”

Kwathi amaFilistiya ebona ukuthi iqhawe lawo laselifile, aphenduka abaleka. <sup>52</sup> Lapho-ke abantu bako-Israyeli labakoJuda balangathela besiya phambili bememeza, baxotshana lamaFilistiya baze bayafika entubeni lasemasangweni ase-Ekroni. Abafileyo bakibo babegcwele emgwaqweni waseShaharayimu kusiya eGathi lase-Ekroni. <sup>53</sup> Kwathi abako-Israyeli sebephendukile ekuxotsheni amaFilistiya, baphanga izihongo zawo.

<sup>54</sup> UDavida wathatha ikhanda lomFilistiya, walisa eJerusalema, wabeka izikhali zomFilistiya ethenteni lakhe.

<sup>55</sup> Kwathi uSawuli ekhangele uDavida esiyahlangana lomFilistiya, wathi ku-Abhineri, umlawuli webutho, “Abhineri, ijaha leliyana liyindodana kabani na?”

U-Abhineri waphendula wathi, “Ngeqiniso elinjengoba uphila, nkosi, angazi.”

<sup>56</sup> Inkosi yasisithi, “Buza ukuthi ijaha leli liyindodana kabani.”

<sup>57</sup> Kwathi khonokho nje uDavida esevela ekubulaleni umFilistiya, u-Abhineri wamthatha wamusa kuSawuli, uDavida elokhu ephethe ikhanda lomFilistiya.

<sup>58</sup> USawuli wambuza wathi, “Uyindodana kabani, jaha?”

UDavida wathi, “Ngiyindodana yenceku yakho uJese waseBhethilehema.”

## 18

### *Umhawu KaSawuli NgoDavida*

<sup>1</sup> Emva kokuba uDavida eseqedile ukukhuluma loSawuli, uJonathani waba moya munye loDavida, wamthanda njengoba ezithanda yena

ngokwakhe. <sup>2</sup> Kusukela ngalolosuku uSawuli wahlala loDavida akaze amvumela ukubuyela endlini kayise. <sup>3</sup> Njalo uJonathani wenza isivumelwano loDavida ngoba wayemthanda njengoba ezithanda yena ngokwakhe. <sup>4</sup> UJonathani wakhupha isembatho ayesigqokile wasinika uDavida, lebhathi lakhe, lenkamba yakhe, idandili lakhe kanye lebhanti lakhe.

<sup>5</sup> Loba kuyini uSawuli amthuma ukuba akwenze, uDavida wakwenza ngokuphumelela uSawuli waze wamnika isikhundla esikhulu ebuthweni. Lokhu kwathokozisa abantu bonke, kanye lezikhulu zikaSawuli.

<sup>6</sup> Kwathi abantu sebebuyela ekhaya emva kokuba uDavida esebulele umFilistiya, abesifazane baphuma kuyo yonke imizi yako-Israyeli bahlangabeza inkosi uSawuli ngokuhlabela lokugida, ngezingoma zokuthokoza lamagedla kanye lemitshingo. <sup>7</sup> Ekugideni kwabo bahlabela besithi:

“USawuli ubulele izinkulungwane zakhe,  
kodwa uDavida ubulele amatshumi ezinkulungwane zakhe.”

<sup>8</sup> USawuli wazonda kakhulu, amazwi la amthukuthelisa. Wacabanga wathi, “Badumisa uDavida ngamatshumi ezinkulungwane, kodwa mina ngezinkulungwane kuphela nje. Kuyini okunye angakuzuzi ngaphandle kombuso na?” <sup>9</sup> Kusukela ngalololanga kusiya phambili uSawuli wakhangele uDavida ngelihlo elilomhawu.

<sup>10</sup> Ngelanga elalandelayo umoya omubi wavela kuNkulunkulu wehlela phezu kukaSawuli ngamandla. Wayephrofetha endlini yakhe, lapho uDavida wayetshaya ichacho njengenjwayelo yakhe. USawuli wayephethe umkhonto ngesandla sakhe, <sup>11</sup> wawuphosa esithi, “UDavida ngizambambanisa lomduli.” Kodwa uDavida wavika kwaze kwaba kabili.

<sup>12</sup> USawuli wayemesaba uDavida ngoba UTHIXO wayeloDavida kodwa esemdelile uSawuli. <sup>13</sup> Ngakho wamsusa uDavida kuye wamenza umlawuli wabantu abayinkulungwane; njalo uDavida wakhokhela amabutho ekuhlaseleni kwawo. <sup>14</sup> Kukho konke akwenzayo waphumelela kakhulu, ngoba UTHIXO wayelaye. <sup>15</sup> Kwathi uSawuli ebona ukuphumelela kwakhe, wamesaba. <sup>16</sup> Kodwa wonke u-Israyeli loJuda wamthanda uDavida, ngoba wabakhokhela ekuhlaseleni kwabo.

<sup>17</sup> USawuli wasesithi kuDavida, “Nansi indodakazi yami endala uMerabi; ngizakwendisela yona ukuba ibe ngumkakho; wena ungisebenzele ngesibindi kuphela njalo ulwe izimpi zikaTHIXO.” Ngoba uSawuli wakhuluma yedwa wathi, “Kangiyikumphakamisela isandla. AmaFilistiya kawenze lokho!”

<sup>18</sup> Kodwa uDavida wathi kuSawuli, “Ngingubani mina labendlu yakwethu bayini, loba isizwana sikababa ko-Israyeli, ukuba ngibe ngumkhwenyana wenkosi na?” <sup>19</sup> Kodwa kwathi isikhathi sesifikile esokuba uMerabi, indodakazi kaSawuli, aphiwe uDavida, waphiwa u-Adiriyeli waseMehola ukuba abe ngumkakhe.

<sup>20</sup> Ngalesosikhathi uMikhali, indodakazi kaSawuli, wayemthanda uDavida, njalo kwathi uSawuli bemtshela ngakho, wathaba. <sup>21</sup> Wacabanga wathi, “Ngizamnika yena ukuba abe ngumjibila kuye lokuze isandla samaFilistiya simelane laye.” Ngakho uSawuli wathi kuDavida, “Khathesi usulethuba lesibili lokuba ngumkhwenyana wami.”

<sup>22</sup> USawuli walaya inceku zakhe wathi, “Khulumani loDavida ngase lithi, ‘Khangela, inkosi iyathokoza ngawe, lenceku zayo zonke ziyakuthanda; ngakho woba ngumkhwenyana wayo.’”

<sup>23</sup> Zawatsho amazwi la kuDavida kodwa uDavida wathi, “Licabanga ukuthi kuyinto encane ukuba ngumkhwenyana wenkosi na? Mina ngingumuntukazana njalo ongeladumo.”

<sup>24</sup> Kwathi izinceku zikaSawuli sezimtshelile okwaktshiwo nguDavida, <sup>25</sup> uSawuli waphendula wathi, “Alibokuthi kuDavida, ‘Inkosi kayifuni enye inhlawulo yamalobolo ngaphandle kwamajwabu ezitho zangaphambili zamaFilistiya alikhulu, ukuba iphindisele ezitheni zayo.’” Icebo likaSawuli lalingelokuthi uDavida afe ebulawa ngamaFilistiya.

<sup>26</sup> Kwathi inceku sezimtshelile uDavida izinto lezi, wathokoza ukuba ngumkhwenyana wenkosi. Ngakho kwathi isikhathi esasibekiwe singakedluli, <sup>27</sup> uDavida labantu bakhe basuka bayabulala amaFilistiya angamakhulu amabili. Weza lamajwabu emiphambili yawo waqhubela inkosi inani elipheleleyo ukuze abe ngumkhwenyana wenkosi. USawuli wamendisela-ke indodakazi yakhe uMikhali ukuba ngumkakhe.

<sup>28</sup> Kwathi uSawuli ebona ukuthi UTHIXO wayeloDavida kanye lokuthi indodakazi yakhe, uMikhali, yayimthanda uDavida, <sup>29</sup> uSawuli wabuye wamesaba kakhulu, njalo waba yisitha sakhe impilo yakhe yonke.

<sup>30</sup> Abalawuli bamaFilistiya baqhubeka besiyakulwa izimpi, njalo izikhathi zonke bephuma, uDavida waba lokuphumelela okwedlula ezinye izikhulu zikaSawuli, lebizo lakhe laba lodumo.

## 19

### *USawuli Ufuna Ukubulala UDavida*

<sup>1</sup> USawuli watshela indodana yakhe uJonathani kanye lezinceku zonke ukuba babulale uDavida. Kodwa uJonathani wayemthanda uDavida <sup>2</sup> ngakho wamxwayisa wathi, “Ubaba uSawuli udinga ithuba lokukubulala. Qaphela kusasa ekuseni; hamba uyecatsha uhlale khona. <sup>3</sup> Mina ngizaphuma ngiyekuma lobaba egangeni lapho okhona. Ngizakhuluma laye ngawe njalo ngizakutshela lokho engizakuthola.”

<sup>4</sup> UJonathani wakhuluma kuhle ngoDavida kuSawuli uyise wathi kuye, “Inkosi kayingenzi okubi encekwini yayo uDavida, konanga lutho kuwe, njalo akwenzileyo kukusize kakhulu. <sup>5</sup> Wadela impilo yakhe ekubulaleni kwakhe umFilistiya. UTHIXO wazuzela u-Israyeli ukunqoba okukhulu, lawe wakubona njalo wathaba. Pho kungani ungenza okubi emuntwini omsulwa njengoDavida ngokumbulala kungelasizatho na?”

<sup>6</sup> USawuli wamlalela uJonathani wasefunga isifungo lesi esithi, “Ngeqiniso elinjengoba UTHIXO ekhona, uDavida kayikubulawa.”

<sup>7</sup> Ngakho uJonathani wabiza uDavida wamtshela inkulumo yonke. Wamusa kuSawuli, uDavida wahlala loSawuli njengakuqala.

<sup>8</sup> Kwabuya kwaba lempi futhi, uDavida waphuma ukuyakulwa lamaFilistiya. Wawatshaya ngamandla amakhulu aze abaleka.

<sup>9</sup> Kodwa umoya omubi owavela kuUTHIXO wafika kuSawuli ehlezi endlini yakhe ephethe umkhonto wakhe ngesandla. Kwathi uDavida etshaya ichacho, <sup>10</sup> uSawuli wazama ukumnamathisela emdulini ngomkhonto wakhe, kodwa uDavida wavika uSawuli wagwaza umduli ngomkhonto. Ngalobobusuku uDavida waphunyuka wabaleka.

<sup>11</sup> USawuli wathuma izithunywa endlini kaDavida ukuba bayilinde njalo bambulale ekuseni. Kodwa uMikhali, umkaDavida, wamxwayisa wathi, “Nxa ungabaleki ngalobobusuku ukuba uvikele impilo yakho kusasa uzabulawa.” <sup>12</sup> Ngakho uMikhali wehlisela uDavida phansi emkhuphe ngefasitela, wabaleka-ke waphepha. <sup>13</sup> Emva kwalokho uMikhali wathatha

isithombe wasilalisa embhedeni, wasembesa ngengubo ebeke uboya bembuzi ekhanda.

<sup>14</sup> USawuli esethume abantu ukuba bayethumba uDavida, uMikhali wathi, "Uyagula."

<sup>15</sup> USawuli wababuyisela abantu labo ukuba bayebona uDavida esithi kubo, "Mletheni kimi ngombheda wakhe ukuze ngimbulale." <sup>16</sup> Kodwa kwathi amadoda lawo engena, embhedeni kwakulesithombe, ekhanda kuloboya bembuzi.

<sup>17</sup> USawuli wathi kuMikhali, "Kungani ungikhohlise kanje wabalekisa isitha sami ukuze siphephe?"

UMikhali wathi kuye, "Uthe kimi, 'Yekela ngibaleke. Ngingakubulalelani na?'"

<sup>18</sup> UDavida esebaleke waphepha, waya kuSamuyeli eRama wamtshela konke okwakwenziwe nguSawuli kuye. Ngakho yena loSamuyeli baya eNayothi bahlala khona. <sup>19</sup> Ilizwi lafika kuSawuli lisithi: "UDavida useNayothi eRama." <sup>20</sup> Ngakho wathuma abantu ukuba bayemthumba. Kodwa bathi bebona ixuku labaphrofethi liphrofitha, loSamuyeli emi khonapho njengomkhokheli wabo, uMoya kaNkulunkulu wehlela ebantwini bakaSawuli labo baphrofetha. <sup>21</sup> USawuli waktshelwa lokho wasethuma abanye abantu, labo baphrofetha. USawuli wathuma abantu okwesithathu, labo futhi baphrofetha. <sup>22</sup> Ekucineni, yena ngokwakhe wasuka waya eRama, wasesiya emgodini omkhulu eSekhu. Wabuza wathi, "USamuyeli loDavida bangaphi?"

Bathi, "Le eNayothi eRama."

<sup>23</sup> Ngakho uSawuli waya eNayothi eRama. Kodwa uMoya kaNkulunkulu wehlela lakuye, wahamba ephrofitha waze wayafika eNayothi. <sup>24</sup> Wakhulula izigqoko zakhe laye waphrofitha uSamuyeli ekhona. Walala enjalo ilanga lonke lobusuku bonke. Yikho-nje abantu besithi, "Kanti uSawuli laye uphakathi kwabaphrofethi na?"

## 20

### *UDavida LoJonathani*

<sup>1</sup> UDavida wabaleka eNayothi eRama waya kuJonathani wabuza wathi, "Kanti ngenzeni na? Icala lami ngelani na? Uyihlo ngimone kanjani, okwenza afune ukungibulala?"

<sup>2</sup> UJonathani waphendula wathi, "Hatshi bo! Kawuyikufa! Khangela, ubaba kenzi lutho, olukhulu loba oluncane, engangitshelanga. Kungani engangifihlela lokhu na? Akunjalo!"

<sup>3</sup> Kodwa uDavida wenza isifungo wathi, "Uyihlo ukwazi kakuhle ukuthi mina sengithole umusa kuwe njalo usezitshele wathi, 'UJonathani akumelanga akwazi lokhu hlezi ezwe ubuhlungu.' Ikanti ngeqiniso elinjengoba UTHIXO ekhona lanjengoba lawe ukhona, kulenyathelo elilodwa nje phakathi kwami lokufa."

<sup>4</sup> UJonathani wathi kuDavida, "Loba kuyini ofuna ukuthi ngikwenze, ngizakwenzela khona."

<sup>5</sup> Ngakho uDavida wathi, "Khangela, kusasa kuledili lokuThwasa kweNyanga, njalo kumele ngidle lenkosi; kodwa yekela ngiyecatsha egangeni kuze kube kusihlwa phambi kwakusasa. <sup>6</sup> Nxa uyihlo ezingiswela, mtshela uthi, 'UDavida ucele imvumo kimi ngokutshiseka ukuba ake agijimele eBhethilehema, idolobho lakibo, ngoba umhlathelo wesizwana sonke sakibo uyenziwa khona.' <sup>7</sup> Angathi, 'Kulungile,' inceku yakho



kayiyikuba sengozeni. Kodwa angavuka ulaka woba leqiniso ukuthi uzimisele ukwenza okubi kimi. <sup>8</sup> Kodwa wena, bonakalisa isisa encekwini yakho ngoba uyenzise isivumelwano lawe phambi KUKATHIXO. Nxa ngilecala, ngibulala wena ngokwakho! Kungani ungiqhubela kuyihlo na?"

<sup>9</sup> UJonathani wathi, "Hatshi bo! Kambe aluba bengilolwazi oluncane ukuthi ubaba uzimisele ukwenza okubi kuwe, kade ngingasoze ngikutshele na?"

<sup>10</sup> UDavida wabuza wathi, "Ngubani ozangitshela nxa uyihlo ekuphendula kubi na?"

<sup>11</sup> UJonathani wathi, "Woza, kasiye egangeni." Ngakho baya khonale bobabili.

<sup>12</sup> UJonathani wasesithi kuDavida, "Ngifunga NGOTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, ngempela ubaba ngizakuba sengimzwile ngalesisikhathi ngomhlomunye! Nxa elomusa kuwe, kambe kangiyikuthumela ilizwi ngikwazise na? <sup>13</sup> Kodwa nxa ubaba ehlose ukwenza okubi kuwe, UTHIXO kangijezise, kube nzima kakhulu, nxa ngingakwazisi njalo ngikususe kungekho ngozi. Sengathi UTHIXO angaba lawe njengoba kade elobaba. <sup>14</sup> Kodwa ngibonise umusa ongapheliyo ONJENGOKATHIXO isikhathi sonke ngisaphila, ukuze ngingabulawa, <sup>15</sup> njalo ungasusi umusa wakho kwabendlu yakwethu lanxa UTHIXO eseziqede du zonke izitha zikaDavida ebusweni bomhlaba."

<sup>16</sup> Ngakho uJonathani wenza isivumelwano labendlu kaDavida, esithi, "Sengathi UTHIXO angazethesa amacala izitha zikaDavida." <sup>17</sup> UJonathani wabuya wamfungisa futhi uDavida isifungo sakhe ngenxa yothando lwakhe kuye, ngoba wayemthanda njengokuzithanda kwakhe.

<sup>18</sup> UJonathani wasesithi kuDavida, "Kusasa kuledili lokuThwasa kweNyanga. Uzaswelakala ngoba isihlalo sakho sizabe singelamuntu. <sup>19</sup> Phambi kwakusasa, sekuzakuhlwa, yana lapho owacatsha khona ekuqaliseni kwaloluhlupho, ulinde elitsheni e-Ezeli. <sup>20</sup> Mina ngizatshokela imitshoko emithathu eceleni kwalo angathi ngitshokela kwengihlose kukho. <sup>21</sup> Emva kwalokho ngizathuma umfana ngithi, 'Hamba uyedinga imitshoko.' Ngingathi kuye, 'Khangela, imitshoko ingakuleli icele lakho, ilethe lapha,' lapho-ke woza, ngoba ngeqiniso elinjengoba UTHIXO ekhona, uphephile, akulangozi. <sup>22</sup> Kodwa ngingathi emfaneni, 'Khangela, imitshoko ingale kwakho,' lapho-ke kumele uhambe, ngoba UTHIXO uthe suka uhambe. <sup>23</sup> Njalo mayelana lalindaba esiyikhulumileyo mina lawe, khumbula ukuthi UTHIXO unguafakazi phakathi kwakho lami nini lanini."

<sup>24</sup> Ngakho uDavida wacatsha egangeni, njalo kwathi idili lokuThwasa kweNyanga selifikile, inkosi yahlala phansi yadla. <sup>25</sup> Yayihlezi endaweni yayo yezikhathi zonke phansi komduli, maqondana loJonathani, u-Abhineri ehlezi eduze loSawuli, kodwa indawo kaDavida yayingelamuntu. <sup>26</sup> USawuli katshongo lutho mhlalokho, ngoba wacabanga wathi, "Mhlawumbe kulento ethile eyehlele kuDavida yamenza waba ngongahlambulukanga ngokomkhuba, ngeqiniso kahlambulukanga." <sup>27</sup> Kodwa ngelanga elilandelayo, ilanga lesibili lenyanga, indawo kaDavida yayingelamuntu futhi. Lapho-ke uSawuli wathi endodaneni yakhe uJonathani, "Kungani indodana kaJese ingezanga ekudleni, izolo kumbe lamuhla na?"

<sup>28</sup> UJonathani waphendula wathi, "UDavida ucele imvumo kimi ngokutshiseka ukuba aye eBhethilehema. <sup>29</sup> Uthe, 'Ngivumela ngihambe ngoba abendlu yakwethu balomkhosi womhlatshele edolobheni njalo umnewethu ungilaye ukuba ngibe khona. Nxa ngithole umusa kuwe,

ngivumela ngihambe ngiyebona abafowethu.' Yikho-nje engezanga ukuza-kudla lenkosi."

<sup>30</sup> Ulaka lukaSawuli lwavutha kuJonathani wathi kuye, "Wena ndodana yomfazi olihlongandlebe lolenkani! Uthi kangazi yini ukuthi wena ususekelane lendodana kaJese okulihlazo kuwe njalo okulihlazo lakunyoko owakuzalayo na? <sup>31</sup> Nxa indodana kaJese isekhona kulo umhlaba, wena kawuyikuma kumbe umbuso wakho. Ngakho thumela ilizwi umlethe kimi, ngoba umele afe!"

<sup>32</sup> UJonathani wabuza uyise wathi, "Kungani kumele abulawe? Wenzeni na?" <sup>33</sup> Kodwa uSawuli waphosa umkhonto wakhe kuye ukuba ambulale. Ngakho uJonathani wakwazi ukuthi uyise wayehlose ukubulala uDavida.

<sup>34</sup> UJonathani wasuka etafuleni ethukuthele kakhulu; ngosuku lwesibili lwedili kazange adle, ngoba wayebuhlungu ngehlazo uyise ayephatha ngalo uDavida.

<sup>35</sup> Ekuseni uJonathani waphuma waya egangeni ukuyahlangana lo-Davida. Wayelomfana omncinyane, <sup>36</sup> njalo wathi emfaneni, "Gijima uyedobha imitshoko engiyitshokayo." Umfana esagijima, watshokela umtshoko ngale kwakhe. <sup>37</sup> Kwathi umfana esefike lapho umtshoko kaJonathani owawuwele khona, uJonathani wamemeza wathi, "Umtshoko kawukho ngale kwakho na?" <sup>38</sup> Wabuye wamemeza wathi, "Phangisa! Ukhawuleze! Ungemi!" Umfana wadobha umtshoko wabuyela enkosini yakhe. <sup>39</sup> (Umfana wayengazi lutho ngakho konke lokhu; kusazi uJonathani loDavida kuphela.) <sup>40</sup> Emva kwalokho uJonathani wanika umfana izikhali zakhe wathi, "Hamba, zithwale ubuyele lazo edolobheni."

<sup>41</sup> Umfana esehambile uDavida wasukuma eceleni langaseningizimu kwelitshe, wakhothama kathathu phambi kukaJonathani, ubuso bakhe bukhangele phansi. Emva kwalokho bangana, bakhala bendawonye kodwa uDavida wakhala kakhulu.

<sup>42</sup> UJonathani wasesithi kuDavida, "Hamba ngokuthula, ngoba sifungelane ubungane omunye komunye ebizweni LIKATHIXO sisithi, 'UTHIXO ungufakazi phakathi kwami lawe, laphakathi kwenzalo yakho leyami nini lanini.'" UDavida wasesuka, loJonathani wasebuyela edolobheni.

## 21

### *UDavida eNobhi*

<sup>1</sup> UDavida waya eNobhi ku-Ahimeleki umphristi. U-Ahimeleki wathuthumela ekuhlanganeni kwakhe laye, wasebuza esithi, "Kungani uwedwa na? Kungani kungekho olawe na?"

<sup>2</sup> UDavida waphendula u-Ahimeleki umphristi wathi, "Inkosi ingiphathise udaba oluthize, wathi kimi, 'Akungabikhona ozakwazi ngenjongo yakho langalokho okuthunyiweyo.' Abantu bami ngibatshela ukuba bahlangane lami endaweni ethize. <sup>3</sup> Manje-ke, kuyini olakho? Ngipha izinkwa ezinhlanu, loba kuyini ongakuthola."

<sup>4</sup> Kodwa umphristi waphendula uDavida wathi, "Kangilasinkwa esejwayelekileyo; kodwa-ke kulesinkwa esingcwelisiweyo lapha kodwa kuya ngokuthi amadoda abezigcinile esifazaneni na."

<sup>5</sup> UDavida waphendula wathi, "Impela abesifazane babevinjelwe kithi, njengenjwayelo lapho ngiphuma. Imizimba yamadoda ingcwele lasemikhankasweni engengcwele. Pho ingaba njalo okungakanani lamhla!" <sup>6</sup> Ngakho umphristi wamnika isinkwa esingcwelisiweyo ngoba kwakungelasinkwa lapho ngaphandle kwesinkwa esiNgcwele sikaThixo

esasisuswe phambi KUKATHIXO kwasekubekwa esitshisayo endaweni yaso ngosuku esasuswa ngalo.

<sup>7</sup> Ngalolosuku omunye wezinceku zikaSawuli wayekhona pho, ekhona phambi KUKATHIXO; wayenguDoyegi um'Edomi, induna yabelusi baka-Sawuli.

<sup>8</sup> UDavida wabuza u-Ahimeleki wathi, "Kawulamkhonto kumbe inkemba lapha na? Kangizanga lenkemba yami loba nje esinye isikhali, ngoba umsebenzi wenkosi ubungophuthumayo."

<sup>9</sup> Umphristi waphendula wathi, "Inkemba kaGoliyathi umFilistiya owambulalayo eSigodini sase-Ela, ilapha; igoqelwe ngelembu ngemva kwesembatho semahlombe. Nxa uyifuna, ithathe; kakukho enye inkemba lapha ngaphandle kwaleyo."

UDavida wasesithi, "Kayikho enjengayo; ngipha yona."

### *UDavida EGathi*

<sup>10</sup> Ngalolosuku uDavida wabalekela uSawuli waya ku-Akhishi inkosi yaseGathi. <sup>11</sup> Kodwa izinceku zika-Akhishi zathi kuye, "Lo kasuDavida inkosi yelizwe na? Kasuye yini abahlabela ngaye emigidweni yabo besithi: 'USawuli ubulele izinkulungwane zakhe,

kodwa uDavida ubulele amatshumi ezinkulungwane zakhe?'"

<sup>12</sup> UDavida wawagcina amazwi la enhliziyweni yakhe wamesaba kakhulu u-Akhishi inkosi yaseGathi. <sup>13</sup> Ngakho wazenza ophambeneyo kubo; njalo kwathi lapho ekubo wenza njengomuntu ohlanyayo, edwebadweba ezivalweni zesango njalo wayekela lendenda zehlela endevini zakhe.

<sup>14</sup> U-Akhishi wasesithi ezincekwini zakhe, "Khangelani umuntu lo! Uphambene! Kungani limletha kimi na? <sup>15</sup> Lithi ngiziswele yini inhlanya lize lilethe umuntu lo lapha ukuba aqhubeke kanje phambi kwami na? Umuntu lo kumele angene endlini yami na?"

## 22

### *UDavida E-Adulami Kanye LaseMizipha*

<sup>1</sup> UDavida wasuka eGathi wabalekela ebhalwini lwase-Adulami. Kwathi abafowabo labendlu kayise sebekuzwile, baya kuye khonale. <sup>2</sup> Bonke labo ababelosizi loba ababelemlandu kumbe ababelensolo babuthana kuye, wasesiba ngumkhokheli wabo. Abantu ababelaye babengaba zinkulungwane ezine.

<sup>3</sup> Esuka lapho uDavida waya eMizipha kwelaseMowabi wathi enkosini ye-Mowabi, "Ungabavumela yini ubaba lomama ukuba bazehlala lawe ngize ngazi uNkulunkulu azangenzela khona na?" <sup>4</sup> Ngakho wabatshiya enkosini yaseMowabi njalo bahlala layo sonke isikhathi uDavida esenqabeni.

<sup>5</sup> Kodwa umphrofethi uGadi wathi kuDavida, "Ungahlali enqabeni. Yana elizweni lakoJuda." Ngakho uDavida wasuka waya ehlathini laseHerethi.

### *USawuli Ubulala AbaPhristi BaseNobhi*

<sup>6</sup> Ngalesosikhathi uSawuli wezwa ukuthi uDavida labantu bakhe babebonakele. Njalo uSawuli, ephethe umkhonto ngesandla, wayehlezi ngaphansi kwesihlahla somthamarisiki phezu koqaqa eGibhiya, lazozonke izikhulu zakhe zimi zimhanqile. <sup>7</sup> USawuli wathi kuzo, "Lalalani bantu bakoBhenjamini! Kambe indodana kaJese izalipha lonke amasimu lezivini na? Kambe lonke izalenza libe ngabalawuli bezinkulungwane labalawuli bamakhulu na? <sup>8</sup> Kungenxa yalokho lonke selicebe okubi ngami na? Kakho ongitshelayo nxa indodana yami isenza isivumelwano lendodana kaJese.

Kakho owenu okhathazekayo ngami loba angitshele ukuthi indodana yami itshotshozela izinceku zami ukuba zingicathamele, njengalokhu ekwenzayo lamhla.”

<sup>9</sup> Kodwa uDoyegi, um’Edomi, owayemi lezikhulu zikaSawuli wathi, “Mina ngibone indodana kaJese isiya ku-Ahimeleki indodana ka-Ahithubi eNobhi. <sup>10</sup> U-Ahimeleki umbuzele kuTHIXO; waphinda wamnika ukudla lenkamba kaGoliyathi umFilistiya.”

<sup>11</sup> Lapho-ke inkosi yathumela ilizwi lokubiza umphristi u-Ahimeleki indodana ka-Ahithubi labo bonke abendlu kayise, ababengabaphristi eNobhi, yikho bonke baya enkosini. <sup>12</sup> USawuli wasesithi, “Khathesi-ke lalala, ndodana ka-Ahithubi.”

Waphendula wathi, “Yebo, nkosi yami.”

<sup>13</sup> USawuli wasesithi kuye, “Kungani licebe okubi ngami, wena lendodana kaJese, wayinika isinkwa lenkamba njalo wayibuzela kuNkulunkulu, okwenze yangihlamukela njalo yangicathamela, njengalokhu ekwenzayo lamhla na?”

<sup>14</sup> U-Ahimeleki waphendula wathi, “Ngubani kuzozonke izinceku zakho othembeke njengoDavida, umkhwenyana wenkosi, induna yabakulindayo njalo lohlonitshwa kakhulu endlini yakho na? <sup>15</sup> Ngalelolanga ngangiqala ukumbuzela kuNkulunkulu na? Hatshi impela! Inkosi kayingethesi inceku yakho icala loba omunye wabendlu kayise, ngoba inceku yakho kayazi lutho lakancane ngodaba lonke lolu.”

<sup>16</sup> Kodwa inkosi yathi, “Ngeqiniso uzakufa, Ahimeleki, wena labo bonke abendlu kayihlo.”

<sup>17</sup> Inkosi yasilaya abalindi ababephansi kwayo yathi, “Phendukani libulale abaphristi BAKATHIXO ngoba labo basekele uDavida. Babekwazi ukuthi uyabaleka, kodwa kabangitshelanga.”

Kodwa izikhulu zenkosi zazingafuni ukuphakamisa izandla ukuba zigalele abaphristi BAKATHIXO.

<sup>18</sup> Ngakho inkosi yalaya uDoyegi yathi, “Phenduka ugalele abaphristi!” UDoyegi um’Edomi waphenduka wabagongoda. Mhlalokho wabulala abantu abangamakhulu ayisificaminwembili lanhlanu ababegqoka izembatho zemahlombe ezelineni. <sup>19</sup> Wabuye wahlasela iNobhi ngenkamba, umuzi wabaphristi, lamadoda ayo kanye labesifazane, abantwana bayo lensane, lenkomo zayo, obabhemi kanye lezimvu.

<sup>20</sup> Kodwa u-Abhiyathari, indodana ka-Ahimeleki indodana ka-Ahithubi, waphunyuka wabaleka wayamanyana loDavida. <sup>21</sup> Watshela uDavida ukuthi uSawuli wayebulele abaphristi BAKATHIXO. <sup>22</sup> UDavida wasesithi ku-Abhiyathari, “Ngaloluyana usuku, lapho uDoyegi um’Edomi wayekhona, ngakwazi ukuthi uzamtshela ngempela uSawuli. Ngilecala lokufa kwabendlu kayihlo bonke. <sup>23</sup> Hlala lami; ungesabi; umuntu ofuna ukukubulala lami futhi ufuna ukungibulala. Uvikelekile nxa ulami.”

## 23

### *UDavida Uhlenga IKheyila*

<sup>1</sup> Kwathi uDavida esetsheliwe ukuthi, “Khangela, amaFilistiya ahlasela iKheyila njalo aphanga leziza,” <sup>2</sup> wabuza uTHIXO, esithi, “Ngingahamba ukuyahlasela amaFilistiya la na?”

UTHIXO waphendula wathi, “Hamba uyehlasela amaFilistiya uhlenge iKheyila.”

<sup>3</sup> Kodwa abantu bakaDavida bathi kuye, “Lapha koJuda thina siyesaba. Pho kuzakuba kukhulu kangakanani nxa sizakuyamelana lamabutho amaFilistiya eKheyila!”

<sup>4</sup> UDavida waphinda wambuza futhi uTHIXO, njalo uTHIXO wamphendula wathi, “Hamba eKheyila, ngoba amaFilistiya ngizawanikela ezandleni zakho.” <sup>5</sup> Ngakho uDavida labantu bakhe baya eKheyila, walwa lamaFilistiya wathumba izifuyo zawo. Wabulala amaFilistiya amanengi kakhulu wahlenga abantu baseKheyila. <sup>6</sup> (U-Abhiyathari indodana ka-Ahimeleki wayeze lesembatho semahlombe ekubalekeleni kwakhe kuDavida eKheyila.)

### *USawuli Uxotshana LoDavida*

<sup>7</sup> USawuli watshelwa ukuthi uDavida wayeseye eKheyila, ngakho wathi, “UNkulunkulu usemnikele kimi, ngoba uDavida usezifake entolongweni ngokungena edolobheni elilamasango lemigoqo.” <sup>8</sup> USawuli wamemeza amabutho akhe wonke empini ukuba aye eKheyila ukuyavimbezela uDavida labantu bakhe.

<sup>9</sup> Kwathi uDavida esizwa ukuthi uSawuli wayeceba okubi ngaye, wathi ku-Abhiyathari umphristi, “Letha isembatho samahlombe.” <sup>10</sup> UDavida wasesithi, “Awu THIXO, Nkulunkulu ka-Israyeli, inceku yakho isizwile impela ukuthi uSawuli uceba ukuza eKheyila achithe idolobho ngenxa yami. <sup>11</sup> Abantu baseKheyila banganginikela kuye na? USawuli uzakuza na njengalokhu inceku yakho ekuzwileyo? Awu THIXO Nkulunkulu ka-Israyeli, itshele inceku yakho.”

UTHIXO wathi, “Uzakuza.”

<sup>12</sup> UDavida wabuza njalo wathi, “Abantu baseKheyila bazanginikela labantu bami kuSawuli na?”

UTHIXO wathi, “Bazakunikela.”

<sup>13</sup> Ngakho uDavida labantu bakhe, ababengaba ngamakhulu ayisithupha ubunengi babo, basuka eKheyila baqhubeka behamba besuka kwenye indawo baye kwenye. USawuli esezwile ukuthi uDavida wayesebalekile eKheyila kasayanga khona.

<sup>14</sup> UDavida wahlala ezingabeni zasenkangala lasezintabeni zeNkangala yaseZifi. Nsuku zonke uSawuli wamdinga, kodwa uNkulunkulu kamnikelanga uDavida ezandleni zakhe.

<sup>15</sup> Kwathi uDavida eseHoreshi eNkangala yaseZifi, wezwa ukuthi uSawuli wayephumele ukuyambulala. <sup>16</sup> Njalo indodana kaSawuli uJonathani waya kuDavida eHoreshi wamsiza ukuba athole amandla kuNkulunkulu. <sup>17</sup> Wathi kuye, “Ungesabi. Ubaba uSawuli kasoze abeke isandla phezu kwakho. Wena uzakuba yinkosi yako-Israyeli, njalo mina ngizakuba ngumsekeli wakho. Lobaba uSawuli uyakwazi lokhu.”

<sup>18</sup> Bobabili benza isivumelwano phambi kUKATHIXO. Emva kwalokho uJonathani waya ekhaya, kodwa uDavida wasala eHoreshi.

<sup>19</sup> Abantu baseZifi baya kuSawuli eGibhiya bathi kuye, “Kanti uDavida kacatshanga phakathi kwethu ezingabeni eHoreshi, entabeni yaseHakhila, eningizimu kweJeshimoni na? <sup>20</sup> Ngakho-ke woza Nkosi nxa kukuthokozisa ukwenzanalo, thina sizakuba yithi esizamnikele enkosini.”

<sup>21</sup> USawuli wamphendula wathi, “UTHIXO alibusise ngokungikhathalela kwenu. <sup>22</sup> Hambani liyekwenza amanye amalungiselelo. Dingani ukwazi lapho uDavida ajayele ukuya khona lokuthi ngubani owambonayo khonapho. Bangitshela ukuthi uliqili kakhulu. <sup>23</sup> Funani ukwazi ngazozonke izindawo zokucatsha azisebenzisayo beselibuya kimi lilolwazi

oluqinisekileyo. Emva kwalokho ngizahamba lani; nxa ekhona esigabeni, ngizamdinga phakathi kwezizwana zonke zakoJuda.”

<sup>24</sup> Ngakho-ke basuka baya eZifi besandulela uSawuli. Ngalesosikhathi uDavida labantu bakhe babeseNkangala yaseMawoni, e-Arabha eningizimu kweJeshimoni. <sup>25</sup> USawuli labantu bakhe baqalisa ukudinga, njalo kwathi uDavida esetsheliwe ngakho wehlela edwaleni wahlala eNkangala yaseMawoni. Kwathi uSawuli esekuzwile lokhu, waya eNkangala yaseMawoni elandela uDavida.

<sup>26</sup> USawuli wayehamba ngakwelinye icele lentaba, uDavida labantu bakhe bengakwelinye icele bephangisa ukuba babalekele uSawuli. Kwathi uSawuli lamabutho akhe sebezamfika uDavida labantu bakhe ukuba babathumbe, <sup>27</sup> kwafika isithunywa kuSawuli, sisithi, “Woza ngokuphangisa! AmaFilistiya ahlasele ilizwe.” <sup>28</sup> Lapho-ke uSawuli wayekela ukulandela uDavida wasesiyakulwa lamaFilistiya. Yikho-nje indawo le beyibiza ngokuthi Sela Hamalekhoti. <sup>29</sup> UDavida wahamba esuka lapho wayahlala ezingabeni zase-Eni-Gedi.

## 24

### *UDavida Uphephisa Impilo KaSawuli*

<sup>1</sup> Kwathi uSawuli esebuyile ekuxotsheni amaFilistiya watshelwa ukuthi, “UDavida useNkangala yase-Eni-Gedi.” <sup>2</sup> Ngakho uSawuli wathatha abantu abazinkulungwane ezintantu abakhethwa ko-Israyeli waphuma ukuyadinga uDavida labantu bakhe eduze kwamadwala amaGogo.

<sup>3</sup> Wafika ezibayeni zezimvu endleleni; kwakulobhalu khonapho, yikho uSawuli wasengena phakathi ukuba aye ngaphandle. UDavida labantu bakhe babekhatshana emuva phakathi kobhalu. <sup>4</sup> Abantu bathi, “Leli yilo ilanga uTHIXO akhuluma ngalo lapho wathi kuwe, ‘Ngizanikela izitha zakho ezandleni zakho ukuba uziphathe njengokufisa kwakho.’ ” UDavida wanyenya egaqa waquma umphetho wesembatho sikaSawuli.

<sup>5</sup> Muva uDavida wakhathazeka ngokuquma umphetho wesembatho sikaSawuli. <sup>6</sup> Wathi ebantwini bakhe, “UTHIXO kakwenqabele ukwenza into enje enkosini yami, ogcotshiweyo KATHIXO.” <sup>7</sup> Ngala amazwi uDavida wabakhuza abantu bakhe akaze wabavumela ukuthi bahlasele uSawuli. USawuli waphuma ebhalwini wazihambela.

<sup>8</sup> Lapho-ke uDavida waphuma ebhalwini wamemeza uSawuli esithi, “nkosi, nkosi yami!” Kwathi lapho uSawuli ekhangela emuva kwakhe, uDavida wakhothama waselala phansi ethe mbo phansi ngobuso. <sup>9</sup> Wathi kuSawuli, “Kungani ulalela nxa abantu besithi, ‘UDavida ujonge ukwenza okubi kuwe?’ ” <sup>10</sup> Lamhla uzibonele ngamehlo akho ukuthi uTHIXO ukunikele ezandleni zami ebhalwini. Abanye bangikhuthaze ukuthi ngikubulale, kodwa ngikuphephisile, ngithe, ‘Angiyikuphakamisa isandla sami ngimelana lenkosi yami, ngoba ingogcotshiweyo KATHIXO.’ ” <sup>11</sup> Khangela, baba, khangela isiqa sesembatho sakho lesi esisesandleni sami! Ngisiqume emphethweni wesembatho sakho, kodwa kangikubulalanga. Ngakho zwisisa ubone ukuthi kangilacala lokwenza okubi loba ukuhlamuka. Kangonanga lutho kuwe, kodwa wena uyangizingela ufuna ukungibulala. <sup>12</sup> Sengathi uTHIXO angahlulela phakathi kwami lawe. Njalo sengathi uTHIXO angaphindisela ububi obenze kimi, kodwa esami isandla kasiyikukuthinta. <sup>13</sup> Njengoba isitsho sendulo sisitsho ukuthi, ‘Kwabenza okubi kuvela izenzo ezimbi,’ ngakho esami isandla kasiyikukuthinta.

<sup>14</sup> Inkosi yako-Israyeli iphume ukuyamelana lobani na? Ngubani oxotshana laye? Yinja efileyo na? Yindwebundwebu na? <sup>15</sup> Sengathi UTHIXO angaba ngumahluleli wethu ahlulele phakathi kwethu. Sengathi angahlola injongo yami ayisekele; sengathi angangikhulula ngokungisindisa esandleni sakho.”

<sup>16</sup> Kwathi uDavida eseqedile ukutsho lokhu, uSawuli wabuza wathi, “Lelo yilizwi lakho, Davida ndodana yami na?” Wasekhala kakhulu. <sup>17</sup> Wasesithi, “Wena ulungile kakhulu kulami. Ungiphathe kuhle, kodwa mina ngikuphathe kubi. <sup>18</sup> Usungitshelile khathesi nje okuhle okwenze kimi; UTHIXO unginikele ezandleni zakho, kodwa kawungibulalanga. <sup>19</sup> Kanje nxa umuntu efica isitha sakhe, uyasiyekela sihambe singenziwanga lutho olubi na? Sengathi UTHIXO angakunika umvuzo omuhle ngenxa yendlela ongiphathe ngayo lamhla. <sup>20</sup> Ngiyakwazi ukuthi uzakuba yinkosi impela kanye lokuthi umbuso wako-Israyeli uzamiswa ezandleni zakho. <sup>21</sup> Khathesi-ke funga kimi ngo THIXO ukuthi kawuyikubulala inzalo yami loba wesule ibizo lami kwabendlu kababa.”

<sup>22</sup> UDavida wafunga kuSawuli. Emva kwalokho uSawuli wabuyela ekhaya, kodwa uDavida labantu bakhe baya enqabeni.

## 25

### *UDavida, UNabhali Lo-Abhigeli*

<sup>1</sup> Ngalesosikhathi uSamuyeli wafa, kwathi u-Israyeli wonke wabuthana wamlilela; njalo bamngcwaba emzini wakhe eRama. Lapho-ke uDavida wehlela eNkangala yasePharani.

<sup>2</sup> Umuntu othile waseMawoni, owayelempahla khonale eKhameli, wayenotho kakhulu. Wayelenkulungwane yembuzi lezinkulungwane ezintathu zezimvu ayezigunda eKhameli. <sup>3</sup> Ibizo lakhe lalinguNabhali lebizu lomkakhe lingu-Abhigeli. Wayengumfazi okhaliphileyo njalo emuhle, kodwa umkakhe, um'Khalebi, wayelenhliziyo embi kwabanye abantu.

<sup>4</sup> UDavida esenkangala wezwa ukuthi uNabhali wayegunda izimvu. <sup>5</sup> Ngakho wathuma amajaha alitshumi wathi kuwo, “Hambani kuNabhali eKhameli limbingelele ngebizo lami. <sup>6</sup> Lithi kuye, ‘Impilo ende kuwe! Impilo enhle kanye labendlu yakho! Impilo enhle kukho konke okungokwakho!”

<sup>7</sup> Khathesi ngizwa kuthiwa yisikhathi sokugunda izimvu. Lapho abelusi bakho babelathi, kasibaphathanga kubi, njalo isikhathi sonke beseKhameli akukho lutho olwacatshayo. <sup>8</sup> Buza izinceku zakho zizakutshela. Ngakho ake ube lomusa ezinsizweni zami, njengoba size ngesikhathi somkhosi. Ake unike izinceku zakho lendodana yakho uDavida loba kuyini ongabatholela khona.’”

<sup>9</sup> Kwathi abantu bakaDavida sebefikile, bamnika uNabhali umbiko lo ngebizo likaDavida. Emva kwalokho balinda.

<sup>10</sup> UNabhali waphendula izinceku zikaDavida wathi, “Ungubani uDavida lowo? Ingubani indodana kaJese leyo na? Ngalezizinsuku izinceku ezinengi ziyawabalekela amakhosi azo. <sup>11</sup> Kungani kumele ngithathe isinkwa sami lamanzi, lenyama engiyihlebele abagundi bami, nginike abantu abavela lapho engingazi khona na?”

<sup>12</sup> Abantu bakaDavida baphenduka babuyela emuva. Sebefikile babika amazwi wonke. <sup>13</sup> UDavida wasesithi ebantwini bakhe, “Hlomani ngezinkemba zenu!” Ngakho bahloma ngezinkemba zabo, loDavida wahloma ngeyakhe. Abantu ababengaba ngamakhulu amane bahamba loDavida, kwathi abangamakhulu amabili basala lempahla.

<sup>14</sup> Omunye wezinceku watshela umkaNabhali u-Abhigeli wathi, “UDavida wathuma izithunywa esenkangala ukuzabingelela inkosi yethu, kodwa yona yazithethisa. <sup>15</sup> Ikanti abantu laba thina basiphatha kuhle. Kabazange basiphathe kubi, njalo isikhathi sonke sisegangeni phansi kwabo akulalutho olwacatshayo. <sup>16</sup> Emini lebusuku babengumduli osihonqolozelayo isikhathi sonke siselusela izimvu zethu phansi kwabo. <sup>17</sup> Kucabange ubone ongakwenza ngoba ingozi iyalenga ngaphezu kwenkosi yethu labendlu yayo bonke. Ingumuntu omubi kangaka okungelamuntu ongakhuluma layo.”

<sup>18</sup> U-Abhigeli kasachithanga sikhathi. Wathatha izinkwa ezingamakhulu amabili, izikhumba ezimbili zewayini, izimvu ezinhlanu ezihlinziweyo, amagokoko amahlanu amabele akhazangiweyo, amakhekhe alikhulu amagrebisi awonyisiweyo, lamakhulu amabili amakhekhe omkhiwa okhanyiweyo, wakuthwalisa obabhemi. <sup>19</sup> Wasesithi ezincekwini zakhe, “Hambani phambili; ngizalilandela.” Kodwa umkakhe uNabhali kamtshelanga.

<sup>20</sup> Wathi esiza egade ubabhemi wakhe phakathi kodonga lwentaba, wabona uDavida labantu bakhe besehla beqonde kuye, wasebahlangabeza. <sup>21</sup> UDavida wayesanda kuthi, “Kakusizanga lutho konke ukugcina kwami impahla yomuntu lo enkangala ukuze kungabi lalutho lwakhe olulahlekayo. Ungibhadale okuhle ngokubi. <sup>22</sup> Sengathi uNkulunkulu angaphatha uDavida kabuhlungu nxa ekuseni ngitshiya indoda eyodwa iphila kubo bonke abangabakhe!”

<sup>23</sup> U-Abhigeli esebone uDavida, wehla ngokuphangisa kubabhemi wakhe wakhothamela phansi phambi kukaDavida ubuso bakhe buthe mbo emhlabathini. <sup>24</sup> Wawela ezinyaweni zakhe wathi, “Nkosi yami, insolo kayibe phezu kwami ngedwa. Ake uyivumele incekekazi yakho ikhulume lawe; zwana lokho incekekazi yakho efuna ukukutsho. <sup>25</sup> Sengathi inkosi yami ingayekela ukumnaka umuntu omubi lowana uNabhali. Ufuze ibizo lakhe, ibizo lakhe lithi Sithutha, njalo ubuwula buhamba laye. Kodwa-ke mina, incekekazi yakho, angizibonanga insizwa inkosi yami ezithumileyo. <sup>26</sup> Khathezi njengoba uTHIXO ekugcinile, nkosi yami, ekuchithekeni kwegazi lasekuphindiseleni ngezandla zakho, ngeqiniso elinjengoba uTHIXO uNkulunkulu wakho ekhona lanjengoba lawe uphila, sengathi izitha zakho labo bonke abafuna ukwenza okubi kuwe nkosi yami bangaba njengoNabhali. <sup>27</sup> Njalo isipho lesi, incekekazi yakho esilethe enkosini yami, kasiphiwe insizwa ezikulandelayo.

<sup>28</sup> Ake uthethelele ukona kwencekekazi yakho, ngoba uTHIXO uNkulunkulu wenu impela uzakwenzela inkosi yami inzalo yamakhosi engapheliyo, ngoba ilwela izimpi zIKATHIXO. Akungabi lokona okutholwa kuwe kukho konke ukuphila kwakho. <sup>29</sup> Lanxa omunye exotshana lawe ukuba akubulale, ukuphila kwenkosi yami, uTHIXO uNkulunkulu wakho uzakubophela kuqine elixheni labaphilayo. Kodwa ukuphila kwezitha zakho uzakuphosela khatshana kungathi kuphuma esikhwameni sesavutha. <sup>30</sup> Lapho uTHIXO eseyenzele inkosi yami zonke izinto ezinhle azithembisayo mayelana layo, njalo eseyibekile ukuba ngumkhokheli wako-Israyeli, <sup>31</sup> inkosi yami kayiyikuba lesazela somthwalo ohloniphisayo sokuchithwa kwegazi esingaswelekiyo loba esokuphindisela. Njalo lapho uTHIXO uNkulunkulu wenu eselethele inkosi yami ukuphumelela, uyikhumbule incekekazi yakho.”

<sup>32</sup> UDavida wasesithi ku-Abhigeli, “Kadunyiswe uTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, okuthumileyo lamhla ukuzabonana lami. <sup>33</sup> Sengathi ungabu-



siswa ngenxa yokwahlulela kwakho okuhle lokuvimbela kwakho eku-chitheni igazi lamhla kanye lasekuphindiseleni kwami ngezandla zami. <sup>34</sup> Ngoba, ngeqiniso elinjengoba uTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, ekhona, yena ongivimbele ekwenzeni okubi kuwe, aluba kawufikanga masinyane ukuzabonana lami, akukho lamunye owesilisa ongokaNabhali obezasala ephila ekudabukeni kokusa.”

<sup>35</sup> Emva kwalokho uDavida wamukela esandleni sika-Abhigeli lokho ayemlethele khona wasesithi, “Buyela ekhaya ngokuthula. Ngiwazwile amazwi akho ngasivuma isicelo sakho.”

<sup>36</sup> U-Abhigeli esebuyele kuNabhali, wayesendlini eledili elinjengelenkosi. Wayejabula njalo edakwe kakhulu. Ngakho u-Abhigeli kamtshelanga lutho kwaze kwasa. <sup>37</sup> Kwathi ekuseni, uNabhali engasadakwanga, umkakhe wamtshela zonke lezizinto, watshaywa luvalo woma qha. <sup>38</sup> Emva kwensuku ezazingaba litshumi, uTHIXO wamtshaya uNabhali wafa.

<sup>39</sup> Kwathi uDavida esizwa ukuthi uNabhali wayefile, wathi, “Kabongwe uTHIXO, yena osekele injongo yami yokumelana loNabhali ngenxa yokungeyisa. Uvimbele inceku yakhe ekwenzeni okubi njalo wehlisela uNabhali izenzo zakhe ezimbi phezu kwelakhe ikhanda.”

Emva kwalokho uDavida wathumela ilizwi ku-Abhigeli emcela ukuba abe ngumkakhe. <sup>40</sup> Izinceku zakhe zaya eKhameli zathi ku-Abhigeli, “UDavida usithume kuwe ukuba sizekuthatha ukuze ube ngumkakhe.”

<sup>41</sup> U-Abhigeli wathi mbo phansi ngobuso, wathi, “Nansi incekekazi yakho, ilungele ukukusebenzela lokugezisa inyawo zezinceku zenkosi yami.” <sup>42</sup> U-Abhigeli waphanga wagada ubabhemi, ephelekezelwa yizisebenzikazi zakhe ezinhlanu, wahamba lezithunywa zikaDavida wasesiba ngumkakhe. <sup>43</sup> UDavida wayethethe njalo u-Ahinowama waseJez-erili, bobabili-ke baba ngomkakhe. <sup>44</sup> Kodwa uSawuli, indodakazi yakhe uMikhali, umkaDavida, wayeseyinike uPhalithiyeli indodana kaLayishi, owayengowaseGalimi.

## 26

### *UDavida Uphephisa Impilo KaSawuli Okwesibili*

<sup>1</sup> AmaZifi aya kuSawuli eGibhiya athi kuye, “UDavida kacatshanga entabeni yaseHakhila, ekhangele eJeshimoni na?”

<sup>2</sup> Ngakho uSawuli waya eNkangala yaseZifi, elezinkulungwane ezintathu zabantu bakhe abakhethiweyo bako-Israyeli, ukuyadinga uDavida khona. <sup>3</sup> USawuli wenza isihonqo phansi komgwaqo entabeni yaseHakhila ekhangele eJeshimoni, kodwa uDavida wahlala enkangala. Kwathi ebona ukuthi uSawuli wayesemlandele khonale, <sup>4</sup> wathuma inhloli wasekwazi ukuthi uSawuli wayefikile impela.

<sup>5</sup> Ngakho uDavida wasuka waya lapho uSawuli ayemise khona wabona lapho okwakulele khona uSawuli lo-Abhineri indodana kaNeri, umlawuli webutho. USawuli wayelele phakathi kwesihonqo, ibutho lisezihonqweni limhanqile.

<sup>6</sup> UDavida wasebuza u-Ahimeleki umHithi lo-Abhishayi indodana kaZeruya, umfowabo kaJowabi, wathi, “Ngubani ozahamba lami phakathi kwesihonqo kuSawuli na?”

U-Abhishayi wathi, “Ngizahamba lawe.”

<sup>7</sup> Ngakho uDavida lo-Abhishayi baya ebuthweni ebusuku babona uSawuli elele ubuthongo phakathi kwesihonqo umkhonto wakhe ugwaze

phansi eduzane lekhanda lakhe. U-Abhineri lamabutho babelele bemhantle.

<sup>8</sup> U-Abhishayi wasesithi kuDavida, “Lamhla uNkulunkulu unikele isitha sakho ezandleni zakho. Khathesi-ke kahle ngingwazele phansi kanye nje ngomkhonto wami; kangiyi kugalela kabili.”

<sup>9</sup> Kodwa uDavida wathi ku-Abhishayi, “Ungambulali. Ngubani ongabeka isandla kogcotshiweyo KATHIXO angabi lecala na?” <sup>10</sup> Wasesithi, “Ngeqiniso elinjengoba UTHIXO ekhona, UTHIXO yena ngokwakhe uzamtshaya; mhlawumbe isikhathi sakhe sizafika afe, loba aye empini abhubhe. <sup>11</sup> Kodwa UTHIXO kanqabele ukuba ngibeke isandla kogcotshiweyo KATHIXO. Thatha umkhonto lesigxingi samanzi okuphansi kwekhanda lakhe, sihambe.”

<sup>12</sup> Ngakho uDavida wathatha umkhonto lesigxingi samanzi okwakuphansi kwekhanda likaSawuli, basebehamba. Bonke babelele ngoba UTHIXO wayebhlisele ubuthongo obukhulu.

<sup>13</sup> UDavida wachaphela ngakwelinye icele wema phezu kwentatshana khatshana; kwakulebanga elibanzi phakathi kwabo. <sup>14</sup> Wamemeza ibutho lo-Abhineri indodana kaNeri, wathi, “Kanti kawungiphenduli, Abhineri na?”

U-Abhineri waphendula wathi, “Ungubani wena omemeza inkosi na?”

<sup>15</sup> UDavida wathi, “Uyindoda, kawusiyo na? Njalo ngubani onjengawe ko-Israyeli na? Kungani ungayilindanga inkosi yakho na? Umuntu othile ufikile ukuba abulale inkosi yakho. <sup>16</sup> Okwenzileyo kakukuhle. Ngeqiniso elinjengoba UTHIXO ephila, wena labantu bakho lifanele ukufa, ngoba kaliyilindanga inkosi yenu, ogcotshiweyo KATHIXO. Khangelani emaceleni enu. Ungaphi umkhonto wenkosi lesigxingi samanzi okube kuphansi kwekhanda layo na?”

<sup>17</sup> USawuli walazi ilizwi likaDavida, wasesithi, “Yilizwi lakho lelo yini, Davida ndodana yami?”

UDavida waphendula wathi, “Yebo yilo, nkosi, nkosi yami.” <sup>18</sup> Wengeza wathi, “Kanti kungani inkosi yami ixotshana lenceku yayo na? Kuyini engikwenzileyo, njalo licala bani engilalo na? <sup>19</sup> Khathesi-ke nkosi, nkosi yami, lalela amazwi enceku yakho. Nxa UTHIXO ekuqubule ukuba umelane lami, kamkele umhlatshelo. Kodwa nxa kwenziwe ngabantu, kabathukwe phambi KUKATHIXO! Khathesi sebengixotshile esabelweni sami elifeni LIKATHIXO njalo bathi, ‘Hamba uyekhonzisa abanye onkulunkulu.’

<sup>20</sup> Ungenzi igazi lami lichithekele phansi khatshana lobukhona BUKATHIXO. Inkosi yako-Israyeli iphumile ukuzadinga insikizi njengomuntu ozingela isikhwehle ezintabeni.”

<sup>21</sup> Lapho-ke uSawuli wathi, “Ngenze isono. Buya Davida, ndodana yami. Ngenxa yokuthi ukhangele impilo yami njengegugu lamhla, kangiyikuzama futhi ukwenza okubi kuwe. Ngempela ngenze ubuwula njalo ngiphambanise kakhulu.”

<sup>22</sup> UDavida waphendula wathi, “Nanku umkhonto wenkosi. Wothi omunye wezinsizwa zakho keze ngapha azewuthatha. <sup>23</sup> UTHIXO uyamnika umvuzo umuntu wonke ngenxa yokulunga kwakhe lokuthembeka kwakhe. UTHIXO ukunikele ezandleni zami lamhla, kodwa kade ngingengeke ngibeke isandla kogcotshiweyo KATHIXO. <sup>24</sup> Ngeqiniso njengoba ngiqakathekise ukuphila kwakho lamhla, sengathi kanjalo-ke UTHIXO angaqakathekisa ukuphila kwami angisindise kukho konke ukuhlupheka.”

<sup>25</sup> Lapho-ke uSawuli wathi kuDavida, “Sengathi ungabusiseka, ndodana yami Davida; uzakwenza izinto ezinkulu njalo unqobe.”

UDavida wasuka wazihambela, uSawuli wasebuyela ekhaya.

## 27

### *UDavida Phakathi KwamaFilistiya*

<sup>1</sup> Kodwa uDavida wacabanga wathi, “Ngolunye lwalezi insuku uSawuli uzangibulala. Into engcono engingayenza yikubalekela elizweni lamaFilistiya. Lapho-ke uSawuli uzadela ukungidinga loba kungaphi ko-Israyeli, njalo ngizaphunyuka esandleni sakhe.”

<sup>2</sup> Ngakho uDavida labantu abangamakhulu ayisithupha basuka laye baya ku-Akhishi indodana kaMawokhi inkosi yaseGathi. <sup>3</sup> UDavida labantu bakhe bahlala eGathi lo-Akhishi. Umuntu ngamunye wayelabendlu yakhe, uDavida elabomkakhe ababili: u-Ahinowama waseJezerili lo-Abhigeli waseKhameli, umfelokazi kaNabhali. <sup>4</sup> Kwathi uSawuli esetsheliwe ukuthi uDavida wayebalekele eGathi kasamdinganga futhi.

<sup>5</sup> UDavida wasesithi ku-Akhishi, “Nxaxa ngithole umusa emehlweni akho ngabela indawo komunye wemizi yasemaphandleni, ukuze ngiyehlala khona. Inceku yakho ingahlalelani lawe edolobheni lobukhosi na?”

<sup>6</sup> Ngakho ngalelolangana u-Akhishi wamnika iZikhilagi, njalo seyaba ngeyamakhosi akoJuda kusukela lapho. <sup>7</sup> UDavida wahlala elizweni lamaFilistiya umnyaka lezinyanga ezine.

<sup>8</sup> UDavida labantu bakhe basuka bayahlasela amaGeshuri, amaGirizi kanye lama-Amaleki. (Kusukela ezikhathini zasendulo abantu laba babehlale elizweni elalifika eShuri kanye laseGibhithe.) <sup>9</sup> Lapho uDavida ehlasela indawo, wayengatshiyi ndoda kumbe umfazi ephila, kodwa wayethatha izimvu lenkomo, obabhemi lamakamela, kanye lezigqoko. Wabuyela ku-Akhishi.

<sup>10</sup> Lapho u-Akhishi embuza esithi, “Lamhla ubuyehlasela ngaphi na?” UDavida wayesithi, “Besimelane leNegebi yakoJuda,” loba athi, “Besimelane leNegebi yaseJerameli,” loba athi, “Besimelane leNegebi yama-Kheni.” <sup>11</sup> Katshiyanga ndoda kumbe umfazi ephila ukuba asiwe eGathi ngoba wacabanga wathi, “Bangasiceba bathi, ‘Lokhu yikho okwenziwe nguDavida.’” Lokhu yikho ayekwenza sonke isikhathi sokuhlala kwakhe elizweni lamaFilistiya. <sup>12</sup> U-Akhishi wayemthemba uDavida njalo wazitshela wathi, “Usezondakala kangaka ebantwini bakibo, ama-Israyeli, usezakuba yinceku yami kuze kube nininini.”

## 28

<sup>1</sup> Ngalezonsuku amaFilistiya aqoqa amabutho awo ukuba alwe lo-Israyeli. U-Akhishi wathi kuDavida, “Kumele uzwisise ukuthi wena labantu bakho lizahamba lami empini.”

<sup>2</sup> UDavida wathi, “Lapho-ke uzazibonela okungenziwa yinceku yakho.”

U-Akhishi wathi, “Kulungile, ngizakwenza ube ngumlindi wami impilo yakho yonke.”

### *USawuli Lowesifazane Oyisanuse E-Endori*

<sup>3</sup> Ngalesosikhathi uSamuyeli wayesewafa, njalo u-Israyeli wonke wayemlilele wamgcwaba emzini wakibo eRama. USawuli wayesewaxotsha zonke izanuse labemimoya elizweni.

<sup>4</sup> AmaFilistiya abuthana eza amisa izihonqo zawo eShunemi, lapho uSawuli wabutha ama-Israyeli wonke wamisa izihonqo eGilibhowa. <sup>5</sup> USawuli ebona ibutho lamaFilistiya wesaba, inhliziyo yakhe yaba lokuthuthumela. <sup>6</sup> Wabuza uTHIXO, kodwa uTHIXO kamphendulanga ngamaphupho loba nge-Urimi kumbe ngabaphrofethi. <sup>7</sup> USawuli wasesithi

encekwini zakhe, “Ngidingelani owesifazane oyisanuse ukuze ngiyebuza kuye.”

Bona bathi, “Kulomunye e-Endo.”

<sup>8</sup> Ngakho uSawuli waziguqula, wafaka ezinye izigqoko, kwathi ebusuku yena labantu ababili baya kulowomfazi. Wathi kuye, “Ngibuzela umoya, njalo ungilethele lowo engizamutsho.”

<sup>9</sup> Kodwa owesifazane wathi kuye, “Impela uyakwazi ukuthi uSawuli wenzeni. Useziquedile izanuse labemimoya elizweni. Kungani uthiya impilo yami ngomjibila ukuba ngibulawe na?”

<sup>10</sup> USawuli wafunga kuye ngoTHIXO wathi, “Ngeqiniso elinjengoba uTHIXO ekhona, kawuyikujezisela lokhu.”

<sup>11</sup> Owesifazane lowo wasesithi, “Ngikuvusele bani na?”

Yena wathi, “Ngilethela uSamuyeli.”

<sup>12</sup> Kwathi owesifazane lowo ebona uSamuyeli, wakhala ngelizwi eliphezulu wasesithi kuSawuli, “Kungani ungikhohlisile na? Wena unguSawuli.”

<sup>13</sup> Inkosi yasisithi, “Ungesabi. Kuyini okubonayo?”

Owesifazane wathi, “Ngibona umoya ophuma phansi.”

<sup>14</sup> USawuli wathi, “Ukhangeleka njani?”

Owesifazane wathi, “Kuphuma ixhegu eligqoke ingubo.”

Lapho-ke uSawuli wakwazi ukuthi kwakunguSamuyeli, wakhothama wasesithi mbo phansi ngobuso.

<sup>15</sup> USamuyeli wasesithi kuSawuli, “Ungikhathazelani ngokungivusa na?”

USawuli wathi, “Mina ngiphakathi kohlupho olukhulu. AmaFilistiya alwa lami, njalo uNkulunkulu usengifulathele. Kasangiphenduli, ngabaphrofethi loba ngamaphupho. Ngakho ngibize wena ukuba ungitshele ukuthi ngenzeni.”

<sup>16</sup> USamuyeli wathi, “Ungibizelani, njengoba uTHIXO esekufulathele njalo esebe yisitha sakho na? <sup>17</sup> UTHIXO usekwenzile lokhu akutsho ngaphambili ngami. UTHIXO usewuhluthunile umbuso ezandleni zakho wawunika omunye wabomakhelwane bakho, uDavida. <sup>18</sup> Ngenxa yokuthi uTHIXO kawumlalanga kumbe wafeza ulaka lwakhe olwesabekayo kuma-Amaleki, uTHIXO wenze lokhu kuwe lamhla. <sup>19</sup> UTHIXO uzanikela u-Israyeli kanye lawe kumaFilistiya, njalo kusasa wena lamadodana akho lizakuba lami. UTHIXO uzanikela lebutsho lako-Israyeli kumaFilistiya.”

<sup>20</sup> Khonokho nje uSawuli wawela phansi wathi daca emhlabathini, esegcwele ukwesaba ngenxa yamazwi kaSamuyeli. Wayengaselamandla, ngoba wayengadlanga lutho ilanga lonke mhlalokho lobusuku bonke.

<sup>21</sup> Kwathi owesifazane esesondele kuSawuli wabona ukuthi wayethuthumele kakhulu, wathi kuye, “Khangela, incekekazi yakho ikulalele. Ngibeke ukuphila kwami engozini ngenza lokho othe ngikwenze.

<sup>22</sup> Khathesi-ke ake ulalele incekekazi yakho uvume ukuba ngikuphe ukudla ukuze udle ube lamandla uzihambe.”

<sup>23</sup> Yena wala wathi, “Kangiyikudla.”

Kodwa abantu bakhe baphathisana lowesifazane ukumncenga, waze wabalalela. Wavuka phansi wahlala esihlalweni.

<sup>24</sup> Owesifazane wayelethole elinonisiweyo endlini, alihlaba khonokho nje. Wathatha impuphu yengqoloyi, wayivuba wenza isinkwa esingelamvubelo. <sup>25</sup> Wasibeka phambi kukaSawuli labantu bakhe, badla. Ngalobobusuku bavuka bahamba.

## 29

### *U-Akhishi Ubuyisela UDavida EZikhilagi*

<sup>1</sup> AmaFilistiya aqoqela wonke amabutho awo e-Afekhi, kwathi u-Israyeli wamisa emthonjeni weJezerili. <sup>2</sup> Kwathi ababusi bamaFilistiya befola lamabutho abo angamakhulu lazinkulungwane, uDavida labantu bakhe babefola emuva lo-Akhishi.

<sup>3</sup> Umlawuli wamaFilistiya wabuza wathi, “AmaHebheru la-ke?” U-Akhishi waphendula wathi, “Kanti lo kasuDavida yini owayeyisikhulu sikaSawuli inkosi yako-Israyeli na? Usebe lami okudlula umnyaka, njalo kusukela mhla etshiya uSawuli kuze kube khathesi, angikaboni sici kuye.”

<sup>4</sup> Kodwa abalawuli bamaFilistiya bamthukuthelela bathi kuye, “Buyisela umuntu lo emuva, ukuze abuyele endaweni owamabela yona. Akumelanga aye empini lathi, hlezi asiphendukele lapho sekulwiwa. Angawuthola ngcono kanjani futhi umusa wenkosi yakhe kulokuthatha amakhanda abantu bakithi na? <sup>5</sup> Kasuyenalo yini uDavida abahlabela ngaye emigidweni yabo besithi:

‘USawuli ubulele izinkulungwane zakhe,

<sup>6</sup> UDavida wasesithi ku-Abhishayi, “Khathezi uShebha indodana kaBhikhiri uzasenzela umonakalo odlula owenziwa ngu-Abhisalomu. Thatha abantu benkosi yakho umlandele, hlezi athole amadolobho avikelweyo aphunyuke kithi.” <sup>7</sup> Ngakho abantu bakaJowabi lamaKherethi lamaPhelethi kanye lamaqhawe wonke alamandla baphuma belawulwa ngu-Abhishayi. Bahamba besuka eJerusalema belandela uShebha indodana kaBhikhiri.

<sup>8</sup> Kwathi besesedwaleni elikhulu eGibhiyoni, u-Amasa wayabahlangabeza. UJowabi wayegqoke ibhatshi lakhe lempi, phezu

kwalo, ekhalweni lwakhe, kubophe ibhanti lilomhedla esikhwameni sawo. Esahamba esiya phambili, umhedla wawela ngaphandle kwesikhwama sawo.

<sup>9</sup> UJowabi wasesithi ku-Amasa, “Unjani, mfowethu?” UJowabi wasebamba u-Amasa ngendevu ngesandla sakhe sokudla wasemanga. <sup>10</sup> U-Amasa kawunanzelelanga umhedla owawuphethwe nguJowabi, uJowabi wasemgwaza esiswini sakhe, amathumbu akhe ahutshukela phandle emhlabathini. Lanxa engasagwazwanga futhi, u-Amasa wafa. Emva kwalokho uJowabi lomfowabo u-Abhishayi baxotshana loShebha indodana kaBhikhiri.

<sup>11</sup> Omunye wabantu bakaJowabi wema phansi kuka-Amasa wathi, “Lowo othanda uJowabi, lalowo ongokaDavida, kalandele uJowabi!” <sup>12</sup> U-Amasa walala ezibhixeka egazini lakhe phakathi komgwaqo, umuntu lowo wabona ukuthi amabutho wonke afika ame khonapho. Kwathi esenanzelele ukuthi umuntu wonke owafika ku-Amasa wema, wamhudula emsusa emgwaqweni wamusa egangeni, waphosela isembatho phezu kwakhe. <sup>13</sup> Emva kokuba u-Amasa esesusiwe emgwaqweni, abantu bonke bedlula loJowabi ukuyaxotshana loShebha indodana kaBhikhiri.

<sup>14</sup> UShebha wadabula phakathi kwazo zonke izizwana zako-Israyeli kusiya e-Abheli-Bhethi-Mahakha laphakathi kwesabelo sonke samaBikiri, aqoqanayo amlandela. <sup>15</sup> Wonke amabutho ayeloJowabi afika amvimbezela uShebha e-Abheli-Bhethi-Mahakha. Bakha idundulu lokuvimbezela elalifika edolobheni njalo laleyame izinqaba zangaphandle. Besagqula umduli ukuba bawudilize, <sup>16</sup> owesifazane ohlakaniphileyo wamemeza esedolobheni wathi, “Lalelani! Lalelani! Tshelani uJowabi eze lapha ukuze ngikhulume laye.” <sup>17</sup> Wahamba esiya kuye, wasembuza esithi, “Ungujowabi na?”

Yena waphendula wathi, “Nginguye.”

Wasesithi, “Lalela okuzatshiwo yincekukazi yakho.”

Wathi, “Ngilalele.”

<sup>18</sup> Owesifazane waqhubeka wathi, “Kudala babejwayele ukuthi, ‘Funani impendulo e-Abheli-Bhethi-Mahakha,’ lokho kwakuyiqeda indaba.

<sup>19</sup> Thina singabathuleyo labathembekileyo ko-Israyeli. Wena uzama ukudiliza idolobho elingunina ko-Israyeli. Kungani ufuna ukuginya ilifa LIKATHIXO na?”

<sup>20</sup> UJowabi waphendula wathi, “Akusikho lokho! Akusikho lokho ukuginya loba ukudiliza! <sup>21</sup> Akunjalo. Umuntu othiwa nguShebha indodana kaBhikhiri, owaselizweni lezintaba lako-Efrayimi, uphakamisele inkosi isandla sakhe emelana layo, emelana loDavida. Mletheni umuntu lowo, ngisuke edolobheni.”

Owesifazane wathi kuJowabi “Ikhandla lakhe lizaphoswa kuwe lisuka emdulini.”

<sup>22</sup> Emva kwalokho owesifazane lowo waya ebantwini bonke leseluleko sakhe esikhaliphileyo, baquma ikhandla likaShebha indodana kaBhikhiri baliphosela kuJowabi. Ngakho wakhalisa icilongo, abantu bakhe bachitheka besuka edolobheni, lowo lalowo ebuyela emzini wakhe. UJowabi wabuyela enkosini eJerusalema.

### *Iziphathamandla ZikaDavida*

<sup>23</sup> UJowabi wayephethe lonke ibutho lako-Israyeli; uBhenaya indodana kaJehoyada ephethe amaKherethi lamaPhelethi;

<sup>24</sup> u-Adoniramu wayephethe izibhalwa; uJehoshafathi indodana ka-Ahiludi

wayengumbhali;  
<sup>25</sup> uSheva engumabhalane;  
 uZadokhi lo-Abhiyathari bengabaphristi;  
<sup>26</sup> u-Ira umJayiri engumphristi kaDavida.

## 21

### *AmaGibhiyoni Ayaphindisela*

<sup>1</sup> Ekubuseni kukaDavida kwaba lendlala iminyaka emithathu ilandelana; ngakho uDavida wabuza uTHIXO. UTHIXO wathi, “Kungenxa kaSawuli lendlu yakhe enindwe ngegazi; kungenxa yokuthi yena wabulala amaGibhiyoni.”

<sup>2</sup> Inkosi yabiza amaGibhiyoni yakhuluma lawo. (AbaseGibhiyoni babengasiyo ngxenye ka-Israyeli kodwa babengabasalayo bama-Amori, abako-Israyeli babefunge ukubayekela, kodwa uSawuli ngenxa yokutshisekela kwakhe u-Israyeli loJuda wafuna ukubaqeda du.) <sup>3</sup> UDavida wabuza amaGibhiyoni wathi, “Kuyini engingalenzela khona na? Ngingakwenza njani ukubuyisana ukuze libusise ilifa LIKATHIXO na?”

<sup>4</sup> AmaGibhiyoni amphendula athi, “Kasilalo ilungelo lokufuna isiliva loba igolide kuSawuli kumbe kwabendlu yakhe, lelungelo lokubulala umuntu ko-Israyeli kasilalo.”

UDavida wabuza wathi, “Pho lifuna ukuthi ngilenzeleni?”

<sup>5</sup> Bayiphendula inkosi bathi, “Umuntu owasichithayo waceba okubi ngathi saze satshabalala njalo kasaze saba lendawo loba ngaphi ko-Israyeli, <sup>6</sup> kasinikwe abenzalo yakhe besilisa abayisikhombisa ukuba babulawe balengiswe phambi KUKATHIXO eGibhiya kaSawuli, okhethiweyo KATHIXO.”

Ngakho inkosi yathi, “Ngizalinika bona.”

<sup>7</sup> Kodwa uMefibhoshethi indodana kaJonathani, indodana kaSawuli, inkosi yamtshiya ngenxa yesifungo phambi KUKATHIXO phakathi kuka-Davida loJonathani indodana kaSawuli. <sup>8</sup> Kodwa inkosi yathatha u-Arimoni loMefibhoshethi amadodana amabili endodakazi ka-Ayiya uRizipha, ayemzale loSawuli, kanye lamadodana amahlanu endodakazi kaSawuli uMerabi, ayewazale lo-Adiriyeli indodana kaBhazilayi wase-Mehola. <sup>9</sup> Yabanikeza kumaGibhiyoni, ababulala abachaya eqaqeni phambi KUKATHIXO. Bonke beyisikhombisa bafela ndawonye; babulawa ngezinsuku zakuqala zokuvuna, ukuvunwa kwebhali kuqalisa nje.

<sup>10</sup> URizipha indodakazi ka-Ayiya wathatha isaka wazendlalela lona edwaleni. Kusukela ekuqaliseni kokuvuna izulu laze lana livela emazulwini linetha izidumbu, kavumelanga izinyoni zasemoyeni ukuba zizithinte emini loba izinyamazana zeganga ebusuku. <sup>11</sup> Kwathi uDavida esetshelwe ngokwakwenziwe yindodakazi ka-Ayiya uRizipha, umfazi kaSawuli weceleni, <sup>12</sup> wahamba wayathatha amathambo kaSawuli lawendodana yakhe uJonathani ebantwini baseJabheshi Giliyadi. (Babewathathe ensitha enkundleni kazulu eBhethi-Shani, lapho amaFilistiya ayewachaye khona emva kokubulala kwawo uSawuli eGilibhowa.) <sup>13</sup> UDavida wawathatha khonapho amathambo kaSawuli lawendodana yakhe uJonathani, lamathambo alabo ababebulawe babuye bachaywa abuthwa.

<sup>14</sup> Amathambo kaSawuli lawendodana yakhe uJonathani bawangcwaba ethuneni likasekaSawuli uKhishi, eZela koBhenjamini, benza konke njengokulaya kwenkosi. Emva kwalokho uNkulunkulu wayiphendula imikhuleko eyenzelwa ilizwe.

### *Izimpi Kulwisana LamaFilistiya*

<sup>15</sup> Kwaphinda kwaba lempi futhi phakathi kwamaFilistiya lo-Israyeli. UDavida wahamba labantu bakhe ukuyakulwa lamaFilistiya, wasedinwa.

<sup>16</sup> U-Ishibhi-Bhenobi, omunye wabenzalo kaRafa, isihloko somkhonto wakhe wethusi esasilobunzima obungamashekeli angamakhulu amathathu, njalo ehlome ngenkemba entsha, wathi uzabulala uDavida.

<sup>17</sup> Kodwa u-Abhishayi indodana kaZeruya wamhlenga uDavida; wamcakazela phansi umFilistiya lowo wambulala. Abantu bakaDavida bafunga kuye bathi, “Kawuyikuhamba lathi futhi empini, ukuze isibane sika-Israyeli singacitshwa.”

<sup>18</sup> Ngokuqhubeka kwesikhathi kwaba lenye impi futhi lamaFilistiya, eGobi. Ngalesosikhathi uSibhekhayi umHushathi wabulala uSafi, omunye wabosendo kaRafa.

<sup>19</sup> Kweyinye impi lamaFilistiya njalo eGobi, u-Elihanani indodana kaJayiri umBhethilehema wabulala umfowabo kaGoliyathi umGithi, owayelomkhonto owawuloluthi olunjengogodo lomaluki.

<sup>20</sup> Kanti njalo kwenye impi eyalwelwa eGathi, kwakulendoda enkulu kakhulu ileminwe eyisithupha esandleni ngasinye lamazwane ayisithupha enyaweni ngalunye, sekubalwa konke ndawonye kungamatshumi amabili lane. Laye wayengowosendo lukaRafa. <sup>21</sup> Kwathi echothoza u-Israyeli, uJonathani indodana kaShimeya, umfowabo kaDavida, wambulala.

<sup>22</sup> Abane laba babengabosendo lukaRafa eGathi, bonke babulawa ngu-Davida lamabutho akhe.

## 22

### *Ihubo LikaDavida Lokudumisa*

<sup>1</sup> UDavida wahlabelela uTHIXO amazwi alelihubo lapho uTHIXO wamsindisa esandleni sezitha zakhe zonke lasesandleni sikaSawuli. <sup>2</sup> Wathi: “UTHIXO ulidwala lami, inqaba yami lomsindisi wami;

<sup>3</sup> uNkulunkulu wami ulidwala lami, lapho engiphephela khona, isihlangu sami lophondo lokusindiswa kwami.

Uyinqaba yami, isiphephelo sami lomsindisi wami uyangisindisa ebantwini abalodlakela.

<sup>4</sup> Ngakhuleka kuTHIXO ofanele ukudunyiswa, njalo ngikhululwe ezitheni zami.

<sup>5</sup> Amagagasi okufa angikhulela; lezikhukhula zokubhubhisa zangikhulela.

<sup>6</sup> Izibopho zengcwaba zangithandela; imijibila yokufa yangijamela.

<sup>7</sup> Ekukhathazekeni kwami ngakhuleka kuTHIXO; ngakhala kuNkulunkulu wami.

Esethempelini lakhe walizwa ilizwi lami; ukukhala kwami kwafika ezindlebeni zakhe.

<sup>8</sup> Umhlaba wagedezela wamazama, izisekelo zamazulu zanyikinyeka; zagedezela ngoba wayethukuthele.

<sup>9</sup> Intuthu yalanquka emakhaleni akhe; umlilo ohangulayo waphuma emlonyeni wakhe, amalahle avuthayo alavuka ephuma kuwo.

<sup>10</sup> Waqhekeza amazulu wehlela phansi; amayezi amnyama ayengaphansi kwezinyawo zakhe.



- 11 Wagada amakherubhi waphapha;  
wantweza phezu kwamaphiko omoya.
- 12 Wenza umnyama isigubuzelo esimhanqileyo,  
amayezi ezulu amnyama asemkhathini.
- 13 Phakathi kokukhazimula kobukhona bakhe,  
izikhatha zombane zalavuzwa khona.
- 14 UTHIXO wakhwaza esezulwini;  
ilizwi loPhezukonke lanqenqetha.
- 15 Waciba imitshoko wazihlakaza izitha,  
ngezikhatha zombane waziqothula.
- 16 Izigodi zolwandle zambulwa  
lezisekelo zomhlaba zavezwa obala  
ekukhuzeni KUKATHIXO,  
ngomfutho wokuphefumula kwamakhala akhe.
- 17 Welula isandla sakho usezulwini wangibamba  
wangihlenga enzikini yamanzi.
- 18 Wangihlenga esitheni sami esilamandla,  
ezitheni zami ezazingigabhela ngamandla.
- 19 Zangijamela mhla ngisebunzimeni,  
kodwa UTHIXO waba yinsika yami.
- 20 Wangikhupha wangibeka endaweni ebanzi;  
wangihlenga ngoba wayethokoza ngami.
- 21 UTHIXO ungenzele okulingene ukulunga kwami;  
wangivuza ngokufanele ukuhlangezeka kwezandla zami.
- 22 Ngoba ngizigcinile izindlela ZIKATHIXO;  
angenzanga okubi ngokufulathela uNkulunkulu wami.
- 23 Yonke imithetho yakhe iphambi kwami;  
angizifulathelanga izimiso zakhe.
- 24 Ngibe ngilokhu ngimsulwa phambi kwakhe  
njalo ngisixwayile isono.
- 25 UTHIXO ungivuze ngokufanele ukulunga kwami;  
ngokufanele ukuhlangezeka kwami phambi kwakhe.
- 26 Kwabathembekileyo lawe uthembekile,  
kwabamsulwa lawe umsulwa,
- 27 kwabahlanzekileyo uziveza uhlanzekile,  
kodwa kwabangaqondanga uziveza ukhaliphile.
- 28 Uyabasindisa abathobekileyo;  
kodwa amehlo akho akhangele abazigqajayo ukuba ubehlisele phansi.
- 29 Uyisibane sami, Oh THIXO,  
UTHIXO uguqula ubumnyama bami bube yikukhanya.
- 30 Ngosizo lwakho ngingaphuma ngimelane lebutho lempi,  
ngoNkulunkulu wami ngingawukhwela umduli.
- 31 Izindlela zikaNkulunkulu uqobo lwakhe ziphelele;  
ilizwi LIKATHIXO kalilasici.  
Ulihawu labo bonke abaphephela kuye.
- 32 Ngoba ngubani uNkulunkulu ngaphandle KUKATHIXO?  
Njalo ngubani oliDwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu na?
- 33 NguNkulunkulu ongihlomisa amandla

- enze indlela yami iphelele.
- 34 Wenza inyawo zami zibe njengezempala;  
ungenza ngime ezingqongweni.
- 35 Ufundisa izandla zami ukulwa impi,  
izingalo zami zingaligobisa idandili lethusi.
- 36 Uyanginika isihlangu sakho sokunqoba;  
uyazehlisela phansi ukuze ungenze ngibe mkhulu.
- 37 Uqhelisa indlela enginyathela kuyo,  
ukuze inqagala zami zingapheci.
- 38 Ngaxotshana lezitha zami ngaziqothula;  
kangibuyanga ngingakazibhubhisi zonke.
- 39 Ngaziqothula okupheleleyo, njalo zazingeke zisavuka;  
zawela ngaphansi kwezinyawo zami.
- 40 Wangihlomisa ngamandla okulwa impi;  
wenza abaxabana lami bakhothama ezinyaweni zami.
- 41 Wenza izitha zami zafulathela zabaleka,  
njalo ngazibhubhisa izitha zami.
- 42 Bakhala becela uncedo, kodwa wayengekho owayengabahlenga  
kuTHIXO, kodwa kaphendulanga.
- 43 Ngabatshaya bacholeka njengothuli lomhlabathi;  
ngabagxoba ngabanyathela njengodaka ezindleleni.
- 44 Ungikhulule ekuhlaselweni yilababantu;  
ungigcine ngiyinhloko yezizwe.  
Abantu engangingabazi sebebuswa yimi,  
45 abezizweni bayatshotshobala phambi kwami;  
bathi bengizwa nje ngendaba, bangilalele.
- 46 Bonke badelile;  
beza bethuthumela bevela ezingqabeni zabo.
- 47 UTHIXO uyaphila! Alidunyiswe iDwala lami!  
Kaphakanyiswe uNkulunkulu wami, iDwala, uMsindisi wami!
- 48 UnguNkulunkulu ongiphindiselelayo,  
obeka izizwe ngaphansi kwami,  
49 ongikhululayo ezitheni zami.
- Wena wangiphakamisela ngaphezu kwezitha zami;  
wangihlenga ebantwini bodlakela.
- 50 Ngakho ngizakudumisa, OH THIXO, phakathi kwezizwe;  
ngizahlabelela indumiso yebizo lakho.
- 51 Unika inkosi yakhe ukunqoba okukhulu;  
ubonakalisa umusa wakhe ongapheliyo kogcotshiweyo wakhe,  
kuDavida lenzalo yakhe kuze kube phakade.”

## 23

### *Amazwi KaDavida Okucina*

- 1 La ngamazwi okucina kaDavida:  
“Umbono kaDavida indodana kaJese,  
umbono womuntu owaphakanyiswa ngoPhezukonke,  
umuntu owagcotshwa nguNkulunkulu kaJakhobe,

umhlabeleli wezingoma ka-Israyeli:

- <sup>2</sup> Umoya kaTHIXO wakhuluma ngami,  
ilizwi lakhe lalisolimini lwami.
- <sup>3</sup> UNkulunkulu ka-Israyeli wakhuluma,  
iDwala lika-Israyeli lathi kimi:  
'Lapho umuntu ebusa abantu ngokulunga,  
lapho ebusa ngokwesaba uNkulunkulu,  
<sup>4</sup> unjengokukhanya kwekuseni ekuphumeni kwelanga  
ekuseni okungelamayezi,  
njengokukhanya emva kokuna kwezulu  
okumilisa utshani emhlabathini.'
- <sup>5</sup> Indlu yami kayifanelanga kuNkulunkulu na?  
Kanje kenzanga lami isivumelwano esingapheliyo  
esalungiswayo saqiniswa izigaba zonke na?  
Kambe kazukuphumelelisa ukusindiswa kwami  
angiphe konke engikufisayo na?
- <sup>6</sup> Kodwa abantu ababi bonke bazaphoselwa eceleni njengameva,  
angabuthwayo ngesandla.
- <sup>7</sup> Loba ngubani othinta ameva  
usebenzisa insimbi loba uluthi lomkhonto;  
ayatshiswa ngomlilo khonapho akhona."

### *Amaqhawe KaDavida*

- <sup>8</sup> La ngamabizo amaqhawe kaDavida:  
UJoshebi-Bhasishebethi umThakemoni wayeyinduna yabaThathu,  
waphakamisela abantu abangamakhulu ayisificaminwembili umkhonto  
wakhe, ababulalayo ekuhlaseleni kunye.
- <sup>9</sup> Yena elandelwa ngu-Eliyazari indodana kaDodo um'Ahozi. Njengo-  
munye wamaqhawe amathathu, wayeloDavida lapho bechothoza amaFil-  
istiya ayebuthanele impi ePhasi Damimi. Lapho-ke abantu bako-Israyeli  
bahlehlela emuva, <sup>10</sup> kodwa yena wajama wawacakazela phansi amaFilis-  
tiya isandla sakhe saze sadinwa sanamathela enkembeni. Ngalelolanga  
uTHIXO waletha ukunqoba okukhulu. Amabutho abuyela ku-Eleyazari  
ukuyahlubula abafuleyo kuphela nje.
- <sup>11</sup> Phansi kwakhe kwakuloShama indodana ka-Ageye umHarari. Kwathi  
amaFilistiya eseqoqene endaweni eyayilezindumba ezinengi, amabutho  
ako-Israyeli awabalekela. <sup>12</sup> Kodwa uShama wajama phakathi kwensimu.  
Wayivikela wawacakazela phansi amaFilistiya, uTHIXO waletha ukunqoba  
okukhulu.
- <sup>13</sup> Ngesikhathi sokuvuna, abathathu ezinduneni ezingamatshumi  
amathathu baya kuDavida ebhalwini lwase-Adulami, lapho ibutho  
lamaFilistiya lalimise eSigodini saseRefayi. <sup>14</sup> Ngalesosikhathi uDavida  
wayesenqabeni, iviyo lamabutho amaFilistiya laliseBhethilehema.
- <sup>15</sup> UDavida womela amanzi wasesithi, "Oh, sengathi kungaba  
lomuntu ongangikhela amanzi okunatha emthonjeni oseduze lesango  
laseBhethilehema!" <sup>16</sup> Ngakho amaqhawe amathathu adabula phakathi  
kwamaviyo amaFilistiya, akha amanzi emthonjeni eduze lesango  
laseBhethilehema ahamba lawo kuDavida. Kodwa wala ukuwanatha,  
esikhundleni salokho wawathela phambi kuKATHIXO. <sup>17</sup> Wathi,  
"Akungenzeki, OH THIXO, ukuba ngenze lokhu. Akusigazi labantu  
abahambe befake ukuphila kwabo engozini na?" UDavida kawanathanga.

Lezi zaziyizenzo zobuqhawe zalawomabutho womathathu.

<sup>18</sup> U-Abhishayi umfowabo kaJowabi indodana kaZeruya wayeyinduna yabaThathu labo. Waphakamisela umkhonto wakhe phezu kwabangamakhulu amathathu, ababulalayo, ngakho waba lodumo njengabaThathu.

<sup>19</sup> Kahlonitshwanga kakhulu kulabaThathu na? Waba ngumlawuli wabo, loba engazange abe phakathi kwabo.

<sup>20</sup> UBhenaya indodana kaJehoyada wayeliqhawe elilesibindi laseKhabhizeli, elenza izenzo zobuqhawe obukhulu. Wabulala amaqhawe amaMowabi amabili ayezintshantshu ekulweni. Wake wangena emgodini wabulala isilwane mhla kulongqwaqwane. <sup>21</sup> Njalo wabulala umGibhithe owayemkhulu kakhulu. Lanxa umGibhithe lowo wayephethe umkhonto, uBhenaya wamhlasela ngenduku. Wawuhluthuna umkhonto esandleni somGibhithe wambulala ngomkhonto wakhe. <sup>22</sup> Lezi zaziyizenzo zobuqhawe zikaBhenaya indodana kaJehoyada; laye futhi wayedume njengamaqhawe amathathu. <sup>23</sup> Wayehlonitshwa kakhulu ukwedlula bonke abangamaTshumi Amathathu, kodwa wayengabalwa kanye labaThathu. UDavida wambeka ukuba abe ngumphathi wabalindi bakhe.

<sup>24</sup> Phakathi kwabangamatshumi amathathu labo kwakuyilaba:

U-Asaheli umfowabo kaJowabi,

u-Elihanani indodana kaDodo waseBhethilehema,

<sup>25</sup> uShama umHarodi,

u-Elika umHarodi,

<sup>26</sup> uHelezi umPhalithi,

u-Ira indodana ka-Ikheshi waseThekhowa,

<sup>27</sup> u-Abhiyezeri wase-Anathothi,

uSibhekhayi umHushathi,

<sup>28</sup> uZalimoni um'Ahoi,

uMaharayi umNethofa,

<sup>29</sup> uHeledi indodana kaBhana umNethofa,

u-Ithayi indodana kaRibhayi owaseGibhiya koBhenjamini,

<sup>30</sup> uBhenaya umPhirathoni,

uHidayi wasezindongeni zaseGashi,

<sup>31</sup> u-Abhi-Alibhoni um'Aribhathi,

u-Azimavethi umBharihumi,

<sup>32</sup> u-Eliyaba umShalibhoni,

amadodana kaJasheni,

uJonathani <sup>33</sup> indodana kaShama

umHarari, u-Ahiyamu indodana kaSharari umHarari,

<sup>34</sup> u-Elifelethi indodana ka-Ahasibhayi um'Mahakhathi,

u-Eliyami indodana ka-Ahithofeli umGiloni,

<sup>35</sup> uHeziro umKhameli,

uPharayi um'Aribhi,

<sup>36</sup> u-Igali indodana kaNathani waseZobha,

indodana kaHagiri,

<sup>37</sup> uZelexhi um'Amoni,

uNaharayi umBherothi, owayethwala izikhali zikaJowabi, indodana kaZeruya,

<sup>38</sup> u-Ira um'Ithira,

uGarebhi um'Ithiri

<sup>39</sup> kanye lo-Uriya umHithi.

Bebonke babengamatshumi amathathu lesikhombisa.

## 24

### *UDavida Ubala Abantu Bokulwa*

<sup>1</sup> Ulaka LUKATHIXO lwabuya lwavutha phezu kuka-Israyeli, wenza uDavida wamelana labo, esithi, “Hambani liyebala abantu bako-Israyeli labakoJuda.”

<sup>2</sup> Ngakho inkosi yathi kuJowabi labalawuli bebutho ababelaye, “Hambani ezizweni zonke zako-Israyeli kusukela koDani kusiya eBherishebha libhale abantu bokulwa, ukuze ngazi ukuthi bangaki.”

<sup>3</sup> Kodwa uJowabi waphendula inkosi wathi, “Sengathi uTHIXO uNkulunkulu wakho angandisa amabutho ngokuphindwe okwedlula ikhulu, njalo sengathi lamehlo kamhlekezi wami inkosi angakubona lokho. Kodwa-ke umhlekezi wami inkosi ifunelani ukwenza into enje?”

<sup>4</sup> Kodwa ilizwi lenkosi lamenqabela uJowabi kanye labalawuli bebutho; ngakho basuka phambi kwenkosi ukuba bayebhala abantu bokulwa ko-Israyeli.

<sup>5</sup> Sebechaphe ijodani bamisa eduze le-Aroweri, eningizimu komuzi edongeni, basebedabula phakathi kwakoGadi besedlulela eJazeri. <sup>6</sup> Baya eGiliyadi lasesabelweni saseThathimi Hodishi, laphambili eDani Jawani lasezindaweni eziseduze kusiya eSidoni. <sup>7</sup> Emva kwalokho baqonda enqabeni yaseThire lakuyo yonke imizi yamaHivi lamaKhenani. Ekucineni, baya eBherishebha eNegebi yakoJuda.

<sup>8</sup> Sebelihambe lonke ilizwe, babuyela eJerusalema emva kwezinyanga eziyisificamunwemunye lezinsuku ezingamatshumi amabili.

<sup>9</sup> UJowabi wafika wabikela inkosi inani lamadoda ayengalwa empini: Ko-Israyeli kwakulamadoda azinkulungwane ezingamakhulu amahlanu aqinileyo ayelakho ukuthi angayiphatha inkemba, koJuda.

<sup>10</sup> Emva kokubala abantu bokulwa uDavida wakhathazeka enhliziyweni yakhe, wasesithi kuTHIXO, “Ngonile kakhulu ngalokhu engikwenzileyo. Khathesi-ke, awu THIXO, ngiyakuncenga, susa icala lenceku yakho. Ngenze ubuwula obukhulu kakhulu.”

<sup>11</sup> UDavida engakavuki ngokusa okwalandelayo, ilizwi LIKATHIXO laselifikile kuGadi umphrofethi, umboni kaDavida, lisithi: <sup>12</sup> “Hamba uyetshele uDavida ukuthi, ‘Nanku okutshiwo nguTHIXO: Ngikunika ukuthi ukhetha phakathi kokuthathu. Khetha okukodwa kwakho ukuba ngikwenze kuwe.’”

<sup>13</sup> Ngakho uGadi waya kuDavida wathi kuye, “Kungehliselwa kuwe indlala yeminyaka emithathu elizweni lakho na? Loba izinyanga ezintathu ubalekela izitha zakho zixotshana lawe na? Kumbe insuku ezintathu zesifo elizweni lakho na? Khathesi-ke cabanga ngakho wenze isinqumo ukuthi ngizamphendula njani lowo ongithumileyo.”

<sup>14</sup> UDavida wathi kuGadi, “Ngiphakathi kokukhathazeka okukhulu. Kasiweleni ezandleni zIKATHIXO, ngoba isihawu sakhe sikhulu, kodwa ungangiyekeli ngiwela ezandleni zabantu.”

<sup>15</sup> Ngakho uTHIXO wathumela isifo ko-Israyeli kusukela ekuseni kwamhlalokho kwaze kwafika isikhathi esasimisiwe, kwafa abantu abazinkulungwane ezingamatshumi ayisikhombisa kusukela koDani kusiya eBherishebha. <sup>16</sup> Kwathi ingilosi isiyelule isandla sayo ukuba itshabalalise iJerusalema, uTHIXO wayeseluzizi ngenxa yomonakalo ngakho wathi engilosini eyayiqothula abantu, “Kwanele! Susa isandla sakho.” Ngalesosikhathi ingilosi KATHIXO yayisisesizeni sika-Arawuna umJebusi.

<sup>17</sup> Kwathi uDavida ebona ingilosi eyayibulala abantu, wathi kuTHIXO, “Mina yimi engenze isono ngenza okubi. Laba bayizimvu nje. Kuyini abakwenzileyo? Isandla sakho kasiwele phezu kwami labendlu yami.”

*UDavida Wakha I-Alithari*

<sup>18</sup> Ngalolosuku uGadi waya kuDavida wathi kuye, “Hamba uyekwakhela uTHIXO i-alithari esizeni sika-Arawuna umJebusi.” <sup>19</sup> Ngakho uDavida wahamba njengokulaya kuKATHIXO ngoGadi. <sup>20</sup> Kwathi u-Arawuna ekhangela njalo ebona inkosi labantu bayo besiza kuye, waphuma wakhothama phambi kwenkosi ubuso bakhe buthe mbo phansi.

<sup>21</sup> U-Arawuna wathi, “Umhlelezi wami inkosi ulandeni encekwini yakhe na?”

UDavida waphendula wathi, “Ngilande ukuzathenga isiza sakho, ukuze ngakhele uTHIXO i-alithari, ukuze isifo esisebantwini simiswe.”

<sup>22</sup> U-Arawuna wasesithi kuDavida, “Umhlelezi wami inkosi kathathe loba kuyini okumthokozisayo anikele ngakho. Nanzi inkabi zomnikelo wokutshiswa, nansi lemibhulo yokubhula kanye lamajogwe enkabi ukuba kube zinkuni. <sup>23</sup> Awu nkosi, u-Arawuna unika inkosi konke lokhu.” U-Arawuna wabuya wathi kuye, “Sengathi uTHIXO uNkulunkulu wakho angakwamukela.”

<sup>24</sup> Kodwa inkosi yathi ku-Arawuna, “Hayi, ngiyagcizelela ekuthini ngikuthenge kuwe. Kangiyikunikela kuTHIXO uNkulunkulu wami umnikelo wokutshiswa ongangibizelanga lutho.”

Ngakho uDavida wasithenga isiza kanye lenkabi ngamashekeli esiliva angamatshumi amahlanu. <sup>25</sup> UDavida wakhela uTHIXO i-alithari kuleyondawo wanikela iminikelo yokutshiswa leminikelo yobudlelwano. Lapho-ke uTHIXO waphendula ukukhulekelwa kwelizwe, isifo saphela ko-Israyeli.

## Ugwalo Lwakuqala LwamaKhosi

### *U-Adonija Uzibeka Ukuba Yinkosi*

<sup>1</sup> Kwathi inkosi uDavida esemdala kakhulu, wayengasafudumali lanxa elele loba bemembathise kakhulu. <sup>2</sup> Izinceku zakhe zathi kuye, “Kasidinge intombazana yokunakekela inkosi iyifudumeze. Izalala eceleni kwayo ukuze inkosi yethu ifudumale.”

<sup>3</sup> Ngakho balibhudula lonke elako-Israyeli bedinga intombi enhle baze bafumana u-Abhishagi, umShunami walethwa enkosini. <sup>4</sup> Intombazana leyo yayinhle kakhulu; yayinakekela inkosi yayilondoloza, kodwa inkosi kayiyenzanga umfazi.

<sup>5</sup> Kwathi u-Adonija, unina owayenguHagithi, waziveza wathi, “Yimi engizakuba yinkosi.” Waselungisa izinqola lamabhiza kanye lamadoda angamatshumi amahlanu ukumandulela. <sup>6</sup> (Uyise kazange amkhuze ngokumbuza ukuthi, “Ukwenzeleni konke lokhu?” Laye wayemuhle kakhulu, eselama u-Abhisalomu.)

<sup>7</sup> U-Adonija wacebisana loJowabi indodana kaZeruya lo-Abhiyathari umphristi, laba bamsekela. <sup>8</sup> Kodwa uZadokhi umphristi, loBhenaya indodana kaJehoyada, loNathani umphrofethi, loShimeyi, loReyi kanye labalindi benkosi abamsekelanga u-Adonija.

<sup>9</sup> U-Adonija wasesenza umhlatshelo ngezimvu, ngenkomo langamathole anonileyo eLitsheni laseZohelathi eduze le-Eni Rogeli. Wanxusa abafowabo, lamadodana enkosi lawo wonke amadoda akoJuda ayengawesikhosini, <sup>10</sup> kodwa kamnxusanga uNathani umphrofethi loba uBhenaya loba abalindi benkosi loba umfowabo uSolomoni.

<sup>11</sup> Ngakho uNathani wabuza uBhathishebha, unina kaSolomoni wathi, “Awukezwa yini ukuthi u-Adonija, indodana kaHagithi, useyinkosi, ezibeka inkosi yethu uDavida ingakakwazi lokho? <sup>12</sup> Khathesi-ke lalela ngikweluleke, ukuze uzisindise wena lokuvikela impilo yendodana yakho uSolomoni. <sup>13</sup> Ngena lapha okulenkosi uDavida khona ufike uthi kuyo, ‘Wena omkhulu nkosi yami, awufunganga na phambi kwami mina sichaka sakho ukuthi: “Ngoqotho sibili indodana yakho uSolomoni uzakuba yinkosi ngemva kwakho, uzahlala esihlalweni sami”? Kungani pho u-Adonija esebe yinkosi?’ <sup>14</sup> Uzakuthi usuphakathi ukhuluma layo inkosi, lami ngizangena ngifike ngigcwalisele lokho ozabe ukutshilo.”

<sup>15</sup> Ngalokho-ke uBhathishebha wayayibona inkosi eyayivele isiluphele isendlini yayo, lapho u-Abhishagi ongumShunami ayelondoloza khona inkosi. <sup>16</sup> UBhathishebha wakhothama wazehlisa waguqa phambi kwenkosi.

Inkosi yambuza yathi: “Kuyini okufunayo?”

<sup>17</sup> Wathi kuyo, “nkosi yami, wena uqobo lwakho wafunga kimi inceku yakho ngoThixo uNkulunkulu wakho wathi: ‘USolomoni indodana yakho uzakuba yinkosi ngemva kwami, njalo uzahlala esihlalweni sami sobukhosi.’ <sup>18</sup> Kodwa khathesi u-Adonija usebe yinkosi, kodwa wena mbusi, nkosi yami awukwazi okwenzakalayo. <sup>19</sup> Usenikele ngenkomo ezinengi, amaguqa anonisiweyo, kanye lezimvu, njalo usenxuse wonke amadodana enkosi, u-Abhiyathari umphristi kanye loJowabi umlawuli webutho, kodwa kamnxusanga uSolomoni inceku yakho. <sup>20</sup> Mbusi wami,

nkosi, abako-Israyeli bonke bakukhangele, badinga ukwazi ukuthi ngubani ozahlala esihlalweni sakho sobukhosi ngemva kwakho. <sup>21</sup> Kungenzeka phela ukuthi inkosi yami ingavele iyephumula kubokhokho, mina lendodana yami uSolomoni sizaphathwa njengezigangi.”

<sup>22</sup> Kwathi elokhu esakhuluma lenkosi, kwafika uNathani umphrofethi. <sup>23</sup> Bayibikela inkosi bathi, “UNathani umphrofethi ulapha.” Waya phambi kwenkosi wakhothama embele ubuso bakhe phansi.

<sup>24</sup> UNathani wabuza wathi, “Kambe, nkosi yami, nguwe na othe u-Adonija uzamele athathe ubukhosi bakho ungasekho wena, utshilo na ukuthi uzahlala esihlalweni sakho sobukhosi? <sup>25</sup> Lamuhla lokhu wehlile wayakwenza umhlatshelelo wenkomo ezinengi, amaguqa anonisiweyo, lezimvu. Unxuse wonke amadodana enkosi, abalawuli bamabutho enkosi kanye lo-Abhiyathari umphristi. Khona khathesi nje bayadla benatha kanye laye besitsho besithi, ‘Mpilonde nkosi Adonija!’ <sup>26</sup> Kodwa mina inceku yakho, loZadokhi umphristi, loBhenaya indodana kaJehoyada, kanye lenceku yakho uSolomoni kasinxusanga. <sup>27</sup> Kambe kungaba yikuthi lokhu inkosi yami ikwenze ingatshelanga izinceku zayo ukuthi ngubani ozahlala esihlalweni sobukhosi benkosi yami ngemva kokuba inkosi ingasekho?”

#### *UDavida Unika USolomoni Ubukhosi*

<sup>28</sup> Ngalokho iNkosi uDavida yathi, “Mbize, angene uBhathishebha.” Ngakho weza enkosini wema phambi kwayo.

<sup>29</sup> Inkosi yasifunga yathi: “Ngeqiniso lokuthi uTHIXO wami ngophilayo, lowo owangikhipha ezinhluphekweni zami zonke, <sup>30</sup> ngempela khona lamuhla lokhu ngizagcwalisa lokho engakufunga ngoTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli: uSolomoni indodana yakho uzakuba yinkosi ngemva kwami, njalo uzahlala esihlalweni sami esikhundleni sami.”

<sup>31</sup> Ngalokho uBhathishebha wakhothamisa ikhanda ekhangele phansi, kwathi eseguqe phambi kwenkosi, wathi. “Umbusi wami inkosi uDavida kaphile kuze kube nini lanini!”

<sup>32</sup> INkosi uDavida yathi, “Ngibizela uZadokhi umphristi, uNathani umphrofethi kanye loBhenaya indodana kaJehoyada.” Bathe sebephambi kwenkosi, <sup>33</sup> yathi kubo: “Thathani izinceku zenkosi yenu lihambe lazo liyekhweza uSolomoni indodana yami phezu kwembongolo yami lehle laye liye eGihoni. <sup>34</sup> Khonale uZadokhi umphristi loNathani umphrofethi kuza-mele bamgcoke ubukhosi phezu kuka-Israyeli wonke. Livuthele icilongo limemeze lithi, ‘Kayiphile okulaphakade iNkosi uSolomoni!’ <sup>35</sup> Lizakhwela laye, abuye azohlala esihlalweni sami sobukhosi aze abuse esikhundleni sami. Sengimkethile ukuthi abuse phezu kuka-Israyeli lakoJuda.”

<sup>36</sup> UBhenaya indodana kaJehoyada waphendula inkosi wathi, “Akube njalo! Kungathi uTHIXO, uNkulunkulu wombusi lenkosi yami, angakumisa kube njalo. <sup>37</sup> Njengoba uTHIXO elondolozile umbusi wami oyinkosi, akube njalo lakuSolomoni ukuze enze ubukhosi bakhe bube ngaphezu kwalobo obenkosi yami iNkosi uDavida!”

<sup>38</sup> Ngakho uZadokhi umphristi, loNathani umphrofethi, loBhenaya indodana kaJehoyada lamaKherethi lamaPhelethi behla bafika bakhweza uSolomoni embongolweni yeNkosi uDavida bamqhuba bamusa eGihoni. <sup>39</sup> UZadokhi umphristi wathatha uphondo lwamafutha ethenteni elingcwele wagcoba uSolomoni. Ngakho bahle bavuthela icilongo, abantu bonke bahlaba umkhosi behaya besithi, “Mpilonde Nkosi Solomoni!”



<sup>40</sup> Bonke bamlandela, bavuthela imihubhe bejabula kakhulu, kwaze kwanyikinyeka umhlaba.

<sup>41</sup> U-Adonija kanye lezethekeli ezazilaye zawuzwa lumkhosi njengoba bona basebeqedisa ukudla. UJowabi wathi esizwa icilongo wabuza wathi, “Utshoni umsindo wonke lo edolobheni?”

<sup>42</sup> Kwathi elokhu esakhuluma kwafika uJonathani indodana ka-Abhiyathari umphristi. U-Adonija wathi, “Ngena phakathi. Indoda eqakathekileyo njengawe kufanele ukuthi isiphathele izindaba ezimandi.”

<sup>43</sup> UJonathani waphendula wathi, “Akulalutho. Inkosi uDavida uMbusi wethu usegcobe uSolomoni ubukhosi. <sup>44</sup> Inkosi isimthumele kanye loZadokhi umphristi, loNathani umphrofethi, loBhenaya indodana kaJehoyada, lamaKherethi lamaPhelethi, njalo sebehle bamkhweza embongolweni yenkosi. <sup>45</sup> Njalo uZadokhi umphristi loNathani umphrofethi sebehle bangcobela ubukhosi eGihoni. Besuka lapho bahle bahaya bembuka, kanti ledolobho lonke lihlokoma ngenjabulo. Yiwo lo umkhosi eliwuzwayo. <sup>46</sup> Kunjalo-nje uSolomoni usehle wahlala esihlalweni sobukhosi.

<sup>47</sup> Phezu kwalokho izikhulu zesikhosini sezifikile ukuthi zizokwenzela iNkosi uDavida amhlophe zisithi, ‘Sengathi uNkulunkulu wakho angenza ibizo likaSolomoni lidume kulelakho kuthi lesihlalo sakhe sobukhosi sibe lodumo ukwedlula esakho!’ Ngalokho inkosi yakhothama yakhonza isembhedeni wayo <sup>48</sup> yathi, ‘Udumo alube kuye uTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli, yena ovumele ukuthi ngizibonele ngawami amehlo lowo ozathatha isihlalo sami sobukhosi lamuhla.’”

<sup>49</sup> Ngenxa yalokhu, izethekeli zika-Adonija zathi lothu zaphakama ngokwethuka zachitheka. <sup>50</sup> Kodwa u-Adonija, ngokwesaba uSolomoni, wahamba wayabamba impondo ze-alithare. <sup>51</sup> USolomoni wasetshelwa ukuthi, “U-Adonija uyayesaba iNkosi uSolomoni ngakho usegagadlele impondo ze-alithare. Uthi yena, ‘iNkosi uSolomoni kayifunge kimi lamuhla ithi kayiyikubulala isichaka sayo ngenkemba.’”

<sup>52</sup> USolomoni waphendula wathi, “Nxa angatshengisela ukuthi uyindoda uqobo lwayo akulanwele lolulodwa lwekhanda lakhe oluzawela emhlabathini; kodwa nxa ebanjwe yikona, uzakufa.” <sup>53</sup> Ngakho iNkosi uSolomoni yathumela amadoda, ayamethula e-alithareni abuya laye. Ngalokho u-Adonija weza wafika wazehlisa wakhothama enkosini uSolomoni, yena uSolomoni wathi. “Hamba, yana emzini wakho.”

## 2

### *UDavida Ulaya USolomoni*

<sup>1</sup> Kwathi isikhathi sokuthi uDavida afe sesisondele, walaya indodana yakhe uSolomoni.

<sup>2</sup> Wathi, “Sengiseduze ukuyiphetha indlela yemhlabeni. Ngakho qina, zitshengisele ubudoda bakho, <sup>3</sup> unanzelele lokho okufunwa nguTHIXO uNkulunkulu wakho: Ukuhamba endleleni yakhe, ugcine imilayo leziqondiso zakhe, imithetho yakhe kanye lezilayezelo zayo: Hamba ezindleleni zakhe, ugcine izimiso zakhe leziqondiso zakhe, imithetho yakhe lokulotshiweyo ngokoMthetho kaMosi, ukuze uphumelele kukho konke okwenzayo kanye lalapho oya khona, <sup>4</sup> ngalokho uTHIXO uzagcina isithembiso sakhe kimi: ‘Nxa isizukulwane sakho sizanzelelela izindlela zokuphila kwaso, njalo sizahamba ngobuqotho phambi kwami ngezinhliziyi zaso lasemoyeni waso, awuyikwehluleka uswele indoda ezahlala esihlalweni sobukhosi ko-Israyeli.’”

<sup>5</sup> Wena ngokwakho uyakwazi ukuthi uJowabi indodana kaZeruya wenzani kimi lekubulaweni kwabalawuli bamabutho ako-Israyeli, u-Abhineri indodana kaNeri lo-Amasa indodana kaJetha. Wababulala, wachitha igazi ngesikhathi sokuthula kwangathi kusempini, ngalokho igazi langcolisa uzwezwe okhalweni lwakhe lenyathelo ezinyaweni zakhe. <sup>6</sup> Yenza lokho obona kufanele kuye, kodwa ikhanda lakhe elimpunga ungavumeli lingcwatshwe ngokuthula.

<sup>7</sup> Kodwa ube lomusa emadodaneni kaBhazilayi weGiliyadi babengabanye balabo abazakudla kanye lawe ethaleni lakho. Bona bema kanye lami nxa ngangibalekela umfowenu u-Abhisalomu.

<sup>8</sup> Njalo ukhumbule ukuthi, wena ulendodana kaGera uShimeyi ongowakoBhenjamini oweBhahurimi owangithuka kabuhlungu mhla ngisiya kuMahanayimi. Wathi lapho ezongihlangabeza eJodani, ngafunga ngoTHIXO ngathi: 'Angiyikukubulala ngenkamba.' <sup>9</sup> Kodwa loba kunjalo ungabonakana ukuthi umsulwa. Uyindoda elengqondo ekhaliphileyo, kumele ukwazi ozakwenza kuye. Yethula ikhanda lakhe elimpunga liye emangcwabeni ligcwele igazi."

<sup>10</sup> Kwaba yikwedlula kukaDavida esesiya kubokhokho bakhe abafayo wayangcwatshwa eMzini kaDavida. <sup>11</sup> Wayesebuse okweminyaka engamatshumi amane ko-Israyeli, iminyaka eyisikhombisa eHebhroni kwathi engamatshumi amathathu lemithathu eJerusalema. <sup>12</sup> Ngakho uSolomoni wahlala esihlalweni sobukhosi sikayise uDavida, umbuso wakhe wagxila waqina.

### *Ukuzinziswa Kombuso KaSolomoni*

<sup>13</sup> Kwathi u-Adonija, indodana kaHagithi, waya kuBhathishebha, unina kaSolomoni. UBhathishebha wambuza wathi, "Kambe uza ngokuthula na?"

Yena waphendula wathi, "Ye, ngokuthula." <sup>14</sup> Waqhubekela phambili wathi, "Kukhona engifisa ukukutsho kuwe."

Wathi, "Ungatsho lokho oza ngakho."

<sup>15</sup> "Njengoba usazi ukuthi ubukhosi bebungobami. U-Israyeli ubekhangele ukuthi yimi inkosi yabo. Kodwa izinto seziguqukile, ubukhosi sebuthethwe ngumfowethu, ngoba yena ubuphiwe ngoTHIXO. <sup>16</sup> Pho khathesi ngilesicelo engiza ngaso kuwe. Ungabokwala."

Waphendula wathi, "Khuluma isikhalazo sakho."

<sup>17</sup> Yena waqhubekela phambili wathi, "Ngicelela inkosi uSolomoni anginike u-Abhishagi umShunami ukuze abe ngumkami, ngiyazi ngeke ale kuwe."

<sup>18</sup> UBhathishebha waphendula wathi, "Yebo kambe, ngizakukhulumela ngikubike enkosini."

<sup>19</sup> Kwathi uBhathishebha esiyakhulumela u-Adonija enkosini uSolomoni, inkosi yaphakama yamhlangabeza yamkothamela yasihlala esihlalweni sayo sobukhosi. Yathi kabalethele unina isihlalo sesikhosini, unina wasehlala esandleni sayo sokudla.

<sup>20</sup> Unina wathi, "Ungabokwala, ngilesicelo esincane engizasethula kuwe."

Inkosi yaphendula yathi, "Cela mama, angiyikukuncitsha, angikwaleli."

<sup>21</sup> Unina wasesithi, "Yekela u-Abhishagi umShunami abe ngumfazi womfowenu u-Adonija."

<sup>22</sup> Inkosi uSolomoni ephendula unina wathi, "Kungani ucelela u-Adonija u-Abhishagi umShunami? Kuyafanana lokuthi umcelela ubukhosi, kanti

njalo yena ngokwakhe umnewethu umdala kulami kanye laku-Abhiyathari umphristi loJowabi indodana kaZeruya!”

<sup>23</sup> Ngakho inkosi uSolomoni yasifunga NGOTHIXO yathi: “Kungani uNkulunkulu angangijezisa mina, loba kabuhlungu kanganani, nxa u-Adonija engasahlawulanga ngokufela lesisicelo esinje!” <sup>24</sup> Khathesi-ke, ngeqiniso LIKATHIXO ophilayo, yena kanye ongibeke wangizinzisa esihlalweni sobukhosi bukababa uDavida wangidalela indlu yesikhosini njengokuthembisa kwakhe, u-Adonija uzabulawa lamhlanje!” <sup>25</sup> Ngakho iNkosi uSolomoni yakhipha ilizwi yathuma uBhenaya indodana kaJehoyada, lakanye wamlahla phansi u-Adonija kwahle kwaba yikufa kwakhe.

<sup>26</sup> Ku-Abhiyathari umphristi iNkosi yathi, “Buyela emasimini akho e-Anathothi. Kufanele ufe kodwa angiyikukubulala khathesi, ngoba wathwala ibhokisi lesivumelwano SIKATHIXO Wobukhosi phambi kukababa uDavida waba kanye lobaba esebunzimeni.” <sup>27</sup> Ngakho uSolomoni wasusa u-Abhiyathari esihlalweni sobuphristi BUKATHIXO, kwagcwaliseka lelolizwi LIKATHIXO alikhuluma eShilo ekhuluma ngendlu ka-Eli.

<sup>28</sup> UJowabi ekuzweni lelilizwi, njengoba yena wayekade ebambene lo-Adonija engazange enze lokho lo-Abhisalomu, wabalekela ethenteni LIKATHIXO wafika wadumela impondo ze-alithare. <sup>29</sup> Inkosi uSolomoni yatshelwa ukuthi uJowabi ubalekele ethenteni LIKATHIXO lapha afike wazisondeza e-alithareni. Ngalokho uSolomoni wathi kuBhenaya indodana kaJehoyada, “Hamba uyemtshaya umbhuqe.”

<sup>30</sup> Lakanye uBhenaya wangena ethenteni LIKATHIXO wathi kuJowabi, “Inkosi ithi, ‘Phuma phandle!’”

Kodwa yena waphendula wathi, “Angiphumi, ngizafela khonapha.”

UBhenaya wayabika enkosini wathi, “Yiyonale indlela angiphendule ngayo uJowabi.”

<sup>31</sup> Ngalokho inkosi yathi kuBhenaya, “Yenza njengokutsho kwakhe. Umtshaye umbhuqe, uhle umngcwabe, ukuze ungigeze mina kanye lendlu kababa kulowomlandu wegazi elingelacala elachithwa nguJowabi. <sup>32</sup> UTHIXO uzamjezisa ngegazi alichithayo, ngoba wahlasela wabulala amadoda amabili ngenkamba ubaba inkosi uDavida engakwazi. Bobabili u-Abhineri indodana kaNeri, umlawuli wamabutho ako-Israyeli, kanye lo-Amasa indodana kaJetha, umlawuli wamabutho akoJuda, babengamadoda angcono begotho kulaye. <sup>33</sup> Kungani umlandu waleligazi labo unghalala phezu kukaJowabi labenzalo yakhe kuze kube nini lanini. Kodwa inkosi uDavida lenzalo yakhe, lendlu yakhe lesihlalo sobukhosi sakhe, angathi ingehlelwa yikuthula okungapheliyo KUKATHIXO.”

<sup>34</sup> UBhenaya indodana kaJehoyada wakhwela wafika wamtshaya uJowabi wambulala wayangcwatshwa esiqintini sakhe enkangala. <sup>35</sup> Inkosi yabeka uBhenaya indodana kaJehoyada ukuba abe ngumlawuli webutho esikhundleni sikaJowabi kwathi esikhundleni sika-Abhiyathari yabeka uZadokhi umphristi.

<sup>36</sup> Ngakho inkosi yathi kayibizelwe uShimeyi yasisithi kuye. “Zakhele indlu eJerusalema uhlale khonale, kodwa ungayi ndawo. <sup>37</sup> Mhla uzake usuke uchaphe uye eziHotsheni zeKhidironi, uhle wazi ngeqiniso ukuthi uzakufa, igazi lakho lizabizwa phezu kwakho.”

<sup>38</sup> UShimeyi wayiphendula inkosi wathi, “Lokho okutshoyo kuqondile. Inceku yakho izakwenza njengoba inkosi yayo itshilo.” Ngakho uShimeyi wahlala eJerusalema isikhathi eside.

<sup>39</sup> Kodwa kwathi sekwedlule iminyaka emithathu, izigqili zikaShimeyi ezimbili zabalekela ku-Akhishi indodana kaMahakha, inkosi yeGathi, njalo uShimeyi watshelwa ukuthi, “Izigqili zakho ziseGathi.” <sup>40</sup> Ekuzwa lokhu, wethesa ubabhemi wakhe waya ku-Akhishi eGathi esiyadinga izigqili zakhe. Ngakho uShimeyi wabuya lazo izigqili zakhe evela eGathi.

<sup>41</sup> USolomoni esetsheliwe ukuthi uShimeyi wayesuke eJerusalema waya eGathi waze waphenduka, <sup>42</sup> inkosi yambiza uShimeyi yathi kuye, “Angizange ngikufungise NGOTHIXO njalo ngakuqonqonsela ukuthi, ‘Mhla uzake usuke uye kwenye indawo uhle wazi ukuthi ngempela uzakufa na?’ Ngalesosikhathi wathi kimi, ‘Okutshoyo kuqotho. Ngizalalela.’”

<sup>43</sup> Pho kungani ungagcinanga isifungo sakho kuTHIXO ulalele isiqondiso engakunika sona?”

<sup>44</sup> Inkosi njalo yathi kuShimeyi, “Uyakwazi enhliziyweni yakho konke ukona owakwenza kubaba uDavida. Khathesi UTHIXO uzakujezisa ngokona kwakho. <sup>45</sup> Kodwa iNkosi uSolomoni izabusiwa, isihlalo sobukhosi sikaDavida sizahlala siqinile ngokuzinza phambi kuKATHIXO kuze kube nini lanini.”

<sup>46</sup> Ngakho yakhupha isiqondiso kuBhenaya indodana kaJehoyada, yena waphuma wafika wamqonda uShimeyi wamlahla phansi wahle wambulala.

Ngalokho ubukhosi basebusezandleni zikaSolomoni ngokugcweleyo.

### 3

#### *USolomoni Ucela Inhlakanipho*

<sup>1</sup> USolomoni waba lobudlelwano loFaro inkosi yeGibhithe waze wathatha indodakazi yayo. Wayingenisa edolobheni likaDavida inkosikazi yakhe esaqedisa umsebenzi wokwakha ithempeli LIKATHIXO, lomduli ohonqolozele iJerusalema. <sup>2</sup> Kodwa-ke, abantu babelokhu besanikelela ezindaweni eziphakemeyo ngoba ithempeli lalilokhu lilindele ukwakhiwa lisakhelwa ibizo LIKATHIXO. <sup>3</sup> USolomoni watshengisela uthando lwakhe kuTHIXO ngokuhamba njengokulaya kukayise uDavida, ngaphandle nje kokuthi wanikela iminikelo watshisa impepha ezindaweni eziphakemeyo.

<sup>4</sup> Inkosi yaya eGibhiyoni ukuyanikela iminikelo, ngoba kwakuyiyo indawo eqhamileyo kweziphakemeyo, ngakho-ke uSolomoni wanikela ngeminikelo yokutshiswa eyinkulungwane kulelo-alithare. <sup>5</sup> Khonapho eGibhiyoni UTHIXO waziveza kuSolomoni ebusuku emaphutsheni lapho uNkulunkulu athi, “Cela loba yini ofuna ukuba ngikunike yona.”

<sup>6</sup> USolomoni waphendula ngokuthi, “Utshengisile umusa omkhulu encekwini yakho, ubaba uDavida, ngenxa yokuthi wathembeka njalo elungile ngokuqonda enhliziyweni yakhe. Uqhubekele phambili ngomusa omkhulu kangaka wamnika indodana ehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi lamuhla lokhu.

<sup>7</sup> Khathesi, THIXO Nkulunkulu wami, uyibekile inceku yakho yaba yinkosi esikhundleni sikababa uDavida. Kodwa ngingumntwana nje ongakwaziyo ukwenza umsebenzi okumele awenze. <sup>8</sup> Inceku yakho ilapha phakathi kwabantu bakho obakhethileyo, abantu abaqakathekileyo, abanengi okungabalwayo noma ukulandisa ngenani labo. <sup>9</sup> Phana inceku yakho inhliziyo elobubelo ukuze ibuse abantu bakho lokuthi yahlukanise phakathi kokuhle lokubi. Ngoba ngubani olamandla okubusa abantu bakho abakhulu kangaka?”

<sup>10</sup> UTHIXO wathokoziswa yilesisicelo sikaSolomoni. <sup>11</sup> Ngakho uNkulunkulu wathi kuye, “Njengoba ucele lokho kodwa ungacelanga impilo

ende loba inotho, njalo awucelanga ukuthi ngabe izitha zakho ziyafa kodwa ucele inhliziyi elobubele ekubuseni ngemfanelo, <sup>12</sup> ngizakwenza lokho okucelileyo. Ngizakunika inhliziyi yenhlakanipho kanye lobubele, kube yikuthi akukaze kube khona ofanana lawe, njalo kungelakuthi uzake abekhona. <sup>13</sup> Phezu kwalokho, ngizakunika ongazange ucele, kokubili inotho lokuhlonitshwa, kube khona ekuphileni kwakho konke njalo kungabi leyodwa inkosi ezalingana lawe. <sup>14</sup> Kanti njalo nxa uzathatha inyathelo lami ulalele imilayo lemithetho yami njengalokhu okwenziwa nguyihlo uDavida, ngizakunika impilo ende.” <sup>15</sup> Ngakho uSolomoni wasephaphama, wananzelela ukuthi kwakuliphupho.

Wabuyela eJerusalema, wayakuma phambi kwebhokisi lesivumelwano SIKATHIXO wanikela ngomnikelo wokutshiswa leminikelo yokuthula. Wenzelela izinceku zakhe zonke zasendlini idili.

### *Ukwahlulela Okulenhlanipho*

<sup>16</sup> Kwasekusiba lezifebe ezimbili ezaya enkosini zafika zema phambi kwayo. <sup>17</sup> Esinye sathi, “Nkosi yami, umama lo sihlala ndlunye. Ngikhululeke ngazuza umntwana laye ekhona. <sup>18</sup> Kuthe ngosuku lwesithathu ngikhululekile laye umama lo wakhululeka wazuza umntwana. Besiyithi sodwa sobabili, kungelamuntu endlini ngaphandle kwethu sobabili.

<sup>19</sup> Ebusuku indodana yalumama ifile ngoba usuke walala phezu kwayo. <sup>20</sup> Wasevuka ebusuku wangemuka indodana yami mina ncekukazi yakho ngilele ubuthongo. Uthethe umntanami wayamxhuma ebeleni lakhe, wathatha owakhe ofileyo wamfaka kwelami ibele. <sup>21</sup> Ekuseni ngithe ngivuka ukuba ngimunyise indodana yami, ngathola ukuthi isifile! Kodwa ngithe ngiyayikhangelisisa sokusile ngananzelela ukuthi akusiyo indodana yami engayizalayo.”

<sup>22</sup> Omunye owesifazane wathi, “Hayi! Indodana le ephilayo ngeyami, efileyo ngeyakho.”

Kodwa umama wokususa indaba waphikelela esithi, “Hayi bo! Ofileyo ngowakho, ophilayo ngowami.” Ngakho-ke baphikisana phambi kwenkosi.

<sup>23</sup> Inkosi yathi, “Lo uthi, ‘Hayi bo! Indodana yami iyaphila kodwa eyakho ifile’ kanti belo loyana uthi, ‘Hayi bo! Eyakho indodana yiyo efileyo kodwa eyami ngephilayo.’”

<sup>24</sup> Inkosi yasisithi, “Lethani inkemba.” Lakanye inkosi bayiqhubela inkemba. <sup>25</sup> Inkosi yapha isiqondiso yathi, “Dabulani umntwana ophilayo phakathi laphakathi kuthi ingxenye liyiqhubele omunye umama kuthi lomunye laye limnike enye ingxenye.”

<sup>26</sup> Owesifazane owayelendodana ephilayo wakhulelwa lusizi ngenodana yakhe ngakho wathi enkosini, “Uxolo, ngiyacela nkosi yami, kungcono umqhubele umntwana ephila, umnike nkosi! Ungambulali umntwana.”

Kodwa omunye wathi, “Kakho phakathi kwethu ofanele ukumzuza lumntwana, mqume iziqa ezimbili!”

<sup>27</sup> Inkosi yasiveza ukwahlulela kwayo: “Umntwana ophilayo mupheni umama wakuqala. Lingambulali umntwana, lo nguye unina uqobo.”

<sup>28</sup> Kwathi abako-Israyeli sebezile bonke ukwahlulela kwenkosi, bayesaba kakhulu, ngoba babona ukuthi ukuhlakanipha kwayo kokwahlulela ngemfanelo kuvela kuNkulunkulu.

## 4

*Iziphathamandla Labosibalukhulu BakaSolomoni*

<sup>1</sup> Ngakho uSolomoni wabusa lonke elako-Israyeli.

<sup>2</sup> Njalo ababeyizikhulu embusweni wakhe yilaba:

U-Azariya indodana kaZadokhi umphristi;

<sup>3</sup> u-Elihorefu lo-Ahija, amadodana kaShisha ababengonobhala; uJehoshafathi indodana ka-Ahiludi wayemlondolozi wemibhalo;

<sup>4</sup> uBhenaya indodana kaJehoyada umlawuli omkhulu; uZadokhi lo-Abhiyathari babengaphristi;

<sup>5</sup> u-Azariya indodana kaNathani wayekhangele izikhulu zeziqinti; uZabhudi indodana kaNathani wayengumphristi njalo engumcebisi osekhwapheni lenkosi;

<sup>6</sup> u-Ahishari umlawuli wasesigodlweni, u-Adonirami indodana ka-Abhida wayekhangele izichaka.

<sup>7</sup> USolomoni wayelezinye njalo izikhulu zeziqinti ezilitshumi lambili ezazikhangele ngokuqoqwa kokudla kwenkosi lomndlunkulu e-Israyeli. Kwakusithi isikhulu ngasinye siletthe ukudla okwenyanga eyodwa ngomnyaka.

<sup>8</sup> Nanka amabizo alezozikhulu:

uBheni-Huri wayephethe isiqinti samaqaqa ezweni lika-Efrayimi;

<sup>9</sup> uBheni-Dekheri wayephethe eseMakhazi, leseShalibhimi, leseBhethi-Shemeshi kanye lese-Eloni-Bethihanani;

<sup>10</sup> uBheni-Hesedi wayephethe ese-Arubhothi (eSokho lakulo lonke ilizwe leHeferi kungumango wakhe);

<sup>11</sup> uBheni-Abhinadabi wayephethe eseNaphothi Dori (yena wayethethe uThafathi indodakazi kaSolomoni);

<sup>12</sup> uBhana indodana ka-Ahiludi wayephethe eseThanakhi leMegido, lasezindaweni zonke zeBhethi-Shani phansi kweZarethani ngaphansi kweJezerili, kusuka eBhethi-Shani kusiya e-Abheli-Mehola kusuka lapho kuyengena ku-Abheli-Mehola kuquma kuyengena kuJokhimeyamu;

<sup>13</sup> uBheni-Gebha eRamothi Giliyadi (imizana kaJayiri indodana ka-Manase eGiliyadi kwakungokwakhe, kanye lesiqinti se-Agobhi eBhashani kuhlenganisa lamadolobho amakhulu angamatshumi ay-isithupha alemiduli lamasango avalwa ngezivalo ezenziwe ngemigqala yensimbi yethusi);

<sup>14</sup> u-Ahinadabi indodana ka-Ido eMahanayimi;

<sup>15</sup> u-Ahimazi eNafithali (wayethethe uBhasemathi indodakazi ka-Solomoni);

<sup>16</sup> uBhana indodana kaHushayi ko-Asheri lako-Bheyalothi;

<sup>17</sup> uJehoshafathi indodana kaPharuya, ko-Isakhari;

<sup>18</sup> uShimeyi indodana ka-Ela koBhenjamini;

<sup>19</sup> uGebheri indodana ka-Uri eGiliyadi (elizweni likaSihoni inkosi yama-Amori kanye lelizwe lika-Ogi inkosi yeBhashani). Kwakunguye kuphela umbusi wesiqinti.

*Isabelo SikaSolomoni Sokudla Kwensuku Zonke*

<sup>20</sup> Abantu bakoJuda labako-Israyeli babebanengi okwesihlabathi solwandle; babesidla, benatha njalo babejabula. <sup>21</sup> USolomoni wabusa

kulolonke kusukela ezweni leMifula kusiya kwelamaFilistiya, kuze kube semingceleni yeGibhithe. Wonke amazwe la ayethela njalo abuswa nguSolomoni okwempilo yakhe yonke.

<sup>22</sup> Okwakufanele kudliwe esigodlweni sikaSolomoni nsuku zonke kwakubalisa ifulawa elicolekileyo elilingana amakhora angamatshumi amathathu lempuphu elingana amakhora angamatshumi ayisithupha, <sup>23</sup> inkabi ezinonisiweyo ezilitshumi lenkomo ezingamatshumi amabili ezivela emadlelweni, izimvu lembuzi ezilikhulu ngaphandle kwempala lemiziki lempunzi lengalukhuni ezinonisiweyo. <sup>24</sup> Ngoba yena wabusa phezu kwemibuso entshonalanga koMfula, kusukela eThiphisa kusiya eGaza, njalo kwakulokuthula kuzozonke lezo zindawo. <sup>25</sup> Ngesikhathi sokubusa kukaSolomoni kuze kufike ekufeni kwakhe elakoJuda lako-Israyeli, kusukela kuDani kusiya kuBherishebha, abantu babehlezi bevikelekile, kungulowo lalowo emthunzini wesihlahla sakhe sevini loba esomkhiwa.

<sup>26</sup> USolomoni wayelezibaya zamabhiza enqola zakhe zokulwa eziyinkulungwane ezine, njalo wayelamabhiza azinkulungwane ezilitshumi lamibili.

<sup>27</sup> Izikhulu zesiqinti, sinye ngasinye ngenyanga yaso, kwakumele zizophisane ukulethela iNkosi uSolomoni ukudla lemfanelo yakhe lababezokwethekelela esikhosini. Izikhulu lezi zazinanzelela kakhulu ukuthi akukho lokukodwa okusilelayo esikhosini. <sup>28</sup> Izikhulu zaziletha njalo isabelo sazo sengqoloyi lotshani bamabhiza ezingqola zempi lamanye amabhiza.

### *Ukuhlakanipha KukaSolomoni*

- 5 Ngokunqoba akuphiwe nguwe  
lukhulu udumo lwakhe;  
usungqizise inkazimulo lobukhosi.
- 6 Ngempela usumuphe izibusiso ezingapheliyo  
wamenza wajabula ngentokozo yobukhona Bakho.
- 7 Ngoba umbusi uyamthemba UTHIXO;  
ngothando loPhezukonke olungaphuthiyo  
akayikuzanyazanyiswa.
- 8 Isandla Sakho sizazibamba zonke izitha Zakho;  
isandla Sakho sokunene sizabaxhakalaza abakuzondayo.
- 9 Kuzakuthi lapho uqhamuka wena  
uzabenza babe njengomlilo wemvutho enkulu.
- Ngenxa yentukuthelo yakhe UTHIXO uzabaginya,  
umlilo wakhe uzabaqothula.
- 10 Wena uzabhubhisa izizukulwane zabo emhlabeni,  
inzalo yabo ebantwini.
- 11 Loba beceba okubi Ngawe  
besakha amaqhinga amabi, abangeke baphumelele;
- 12 ngoba uzabenza bafulathele babaleke  
nxa usubakhombela usulinwebile idandili.
- 13 Phakanyiswa, Oh THIXO ngamandla Akho;  
sizahlabela sibabaze amandla Akho.

## Ihubo 22

Kumqondisi wokuhlabela. Kulandela itshuni ethi, "Impalakazi yekuSeni."  
Ihubo likaDavida.

- 1 Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, kungani usungidelile na?  
Kungani ukhatshana kokungisindisa,  
khatshana kwamazwi okububula kwami?
- 2 Oh Nkulunkulu wami, ngiyakhala emini,  
kodwa kawuphenduli;  
ebusuku, kangithulanga.
- 3 Kanti usesihlalweni sobukhosi uNguye oNgcwele  
uyindumiso ka-Israyeli.
- 4 Obaba babeka ithemba labo Kuwe;  
bona bathemba wena wabakhulula.
- 5 Bakhala kuwe bakhululwa;  
bathemba kuwe kabaze badaniswa.
- 6 Kodwa ngiyimpethu nje kangisumuntu,  
ngihozwa ngabantu njalo abanengi bangeyise.
- 7 Bonke abangibonayo bayangihleka;  
bayangithethisa baze banyikinye amakhanda:
- 8 "Uthemba UTHIXO

lowo THIXO kamkhulule.  
Kamsindise njengoba ethokoza ngaye.”

- <sup>9</sup> Kanti wena wangikhupha esiswini;  
wangenza ngakuthemba kusukela ebeleni likamama.
- <sup>10</sup> Kusukela ekuzalweni kwami ngabekwa ezandleni Zakho;  
kusukela esiswini sikamama ulokhu unguNkulunkulu wami.
- <sup>11</sup> Ungabi khatshana kwami,  
ngoba uhlupho luseduze njalo  
kakho ongangisiza.
- <sup>12</sup> Inkunzi ezinengi zingihanqile;  
inkunzi ezilamandla zaseBhashani zingihonqolozele.
- <sup>13</sup> Izilwane ezibhongayo ezibamba zidabudabule  
zingikhamisela imilomo yazo.
- <sup>14</sup> Ngiyathululeka njengamanzi,  
njalo amathambo ami wonke akhumukile.  
Inhliziyo yami isiphenduke yaba yingcino;  
isincibilikile ngaphakathi kwami.
- <sup>15</sup> Amandla ami asetshile qhu ingathi ludengezi,  
lolimi lwami luyanamathela elwangeneni lwami;  
uyangilalisa othulini lokufa.
- <sup>16</sup> Izinja sezingihanqile;  
ixuku labantu ababi selingihonqolozele,  
sebengigwaze izandla lezinyawo.
- <sup>17</sup> Ngingawabala wonke amathambo ami;  
abantu bayanginyonkoloza bangiklolodele.
- <sup>18</sup> Behlukaniselana izembatho zami  
njalo benze inkatho ngezigqoko zami.
- <sup>19</sup> Kodwa wena, THIXO, ungabi kude lami.  
Ungamandla ami, woza masinyane uzongisiza.
- <sup>20</sup> Phephisa impilo yami enkembeni,  
impilo yami eligugu emandleni azo izinja.
- <sup>21</sup> Ngilamulela emlonyeni wezilwane;  
ngisindisa empondweni zezinyathi.
- <sup>22</sup> Ngizamemezela ibizo Lakho kubafowethu;  
emphakathini ngizakudumisa.
- <sup>23</sup> Lina elimesabayo UTHIXO, mdumiseni!  
Lani lina zizukulwane zikaJakhobe, mbabazeni!  
Mhlonipheni, lina lonke zizukulwane zika-Israyeli!
- <sup>24</sup> Ngoba keyisanga loba adelele  
ukuhlupheka kwalowo ohlukuluzwayo;  
kamfihlelanga ubuso bakhe  
kodwa walalela ukukhala kwakhe ecela ukusizwa.
- <sup>25</sup> Sivela kuwe isithathelo sokudumisa kwami emhlanganweni omkhulu;  
ngizagcwalisa izifungo zami phambi kwalabo abakwesabayo.
- <sup>26</sup> Abayanga bazakudla basuthe

labo abamdingayo UTHIXO bazamdumisa  
sengathi inhliziyo zenu zingaphila nini lanini!

- 27 Yonke imikhawulo yomhlaba  
izakhumbula iphendukele kuTHIXO,  
njalo lezimuli zonke zezizwe  
zizakhothama phansi phambi kwakhe,  
28 ngoba umbuso UNGOKATHIXO  
njalo uyabusa phezu kwezizwe.
- 29 Zonke izinothi zomhlaba zizazitika ngokudla  
njalo zikhonze;  
bonke abangena othulini bazaguqa phambi Kwakhe  
labo abangeke baziphilise.
- 30 Abesikhathi esizayo bazamkhonza;  
izizukulwane zizakwaziswa ngoThixo.
- 31 Bazatshumayela ukulunga kwakhe,  
ebantwini abangakazalwa  
ngoba ukwenzile Yena.

## Ihubo 23

Ihubo likaDavida.

- 1 UTHIXO ungumelusi wami, angiyikuswela lutho.  
2 Ungilalisa emadlelweni aluhlaza,  
ungikhokhelela emanzini apholileyo,  
3 uvuselela umphefumulo wami.  
Uyangihola ezindleleni zokulunga  
ngenxa yebizo lakhe.
- 4 Loba ngidabula  
esigodini sethunzi lokufa,  
angiyikwesaba okubi  
ngoba wena ulami;  
intonga Yakho lodondolo Lwakho  
kuyangiduduza.
- 5 Ulungisa itafula phambi kwami  
emehlweni ezitha zami.  
Ugcoba ikhanda lami ngamafutha;  
inkomitsho yami igcwele iyaphuphuma.
- 6 Impela okuhle lothando kuzangilandela  
zonke insuku zokuphila kwami,  
njalo ngizahlala endlini KATHIXO  
kuze kube nininini.

## Ihubo 24

Ihubo likaDavida.

- 1 Umhlaba NGOKATHIXO, lakho konke okukuwo,  
ilizwe labo bonke abahlala kulo;  
2 ngoba wenza isisekelo sawo phezu kolwandle  
wawumisa phezu kwamanzi.
- 3 Ngubani ongaqansa intaba KATHIXO na?  
Ngubani ongema endaweni yakhe engcwele na?

- 4 Ngulowo olezandla ezihlanzekileyo lenhliziyo emhlophe,  
ongaphakamiseli umphefumulo wakhe kunkulunkulu wamanga  
loba afunge ngenkohliso.
- 5 Uzakwamukela isibusiso KUTHIXO  
lokukhululwa kuNkulunkulu uMsindisi wakhe.
- 6 Sinjalo isizukulwane salabo abamdingayo,  
abadinga ubuso Bakho, Oh Nkulunkulu kaJakhobe.
- 7 Phakamisani amakhanda enu, lina masango;  
phakamani, lina minyango yekadeni,  
ukuba iNkosi yenkazimulo ingene.
- 8 Ngubani iNkosi yenkazimulo?  
NGUTHIXO oqinileyo olamandla,  
UTHIXO olamandla empini.
- 9 Phakamisani amakhanda enu, lina masango;  
aphakamiseni, lina minyango yekadeni,  
ukuba iNkosi yenkazimulo ingene.
- 10 Ungubani na lowo THIXO wenkazimulo?  
NGUTHIXO uSomandla  
iNkosi yenkazimulo.

## Ihubo 25

ElikaDavida.

- 1 Kuwe, THIXO,  
ngiphakamisela umphefumulo wami.
- 2 Ngethemba kuwe,  
ungangiyekeli ngiyangeka,  
futhi ungayekeli izitha zami zinginqobe.
- 3 Kakukho bani othemba lakhe likuwe  
ozayangiswa lanini,  
kodwa bazayangiswa  
abadinga ukulimaza kungelasizatho.
- 4 Ngibonisa izindlela Zakho, Oh THIXO,  
ngifundisa izindlela Zakho;
- 5 ngikhokhela eqinisweni Lakho ungifundise  
ngoba unguNkulunkulu, uMsindisi wami,  
lethemba lami likuwe insuku zonke.
- 6 Khumbula, Oh THIXO, isihawu Sakho esikhulu kanye lothando,  
ngoba konke kuvela ekadeni.
- 7 Ungakhumbuli izono zobutsha bami  
lezindlela zokuhlamuka kwami;  
ngikhumbula ngokufanele uthando Lwakho,  
ngoba ulungile, Oh THIXO.
- 8 UTHIXO ulungile, uqotho;  
ngakho weluleka izoni ngezindlela zakhe.
- 9 Uholo abathobekileyo kulokho okuqondileyo  
abafundise indlela yakhe.
- 10 Zonke izindlela ZIKATHIXO zilothando, ziyathembeka  
kulabo abagcina izimiso zesivumelwano Sakhe.

- 11 Ngenxa yegama Lakho, Oh THIXO,  
thethelela ububi bami, loba bubukhulu.
- 12 Ngubani-ke umuntu omesabayo UTHIXO?  
Uzameluleka ngaleyondlela ayimiselweyo.
- 13 Uzaphila insuku zakhe ekhomba ngophakathi,  
lezizukulwane zakhe zizakudla ilifa lelizwe.
- 14 Bayathenjwa NGUTHIXO labo abamesabayo;  
ubenza basazi isivumelwano Sakhe.
- 15 Amehlo ami ahlezi EKUTHIXO lanini,  
ngoba nguye kuphela ozakhumula inyawo zami esithiyweni.
- 16 Phendukela kimi ube lobubele lami,  
ngoba ngilesizungu, ngikhathazekile.
- 17 Inhlupheko zenhliziyo yami sezandile;  
ngikhulula ekudabukeni kwami.
- 18 Khangela ukukhathazeka kwami lokuhawula kwami,  
ususe zonke izono zami.
- 19 Ake ubone ukuthi izitha zami sezande kangakanani,  
lokuthi zingizonda kubi kanjani!
- 20 Linda impilo yami ungihlenge;  
ungangiyekeli ngiyangeke,  
ngoba ngizuza isiphephelo Kuwe.
- 21 Sengathi ubuqotho lokuqonda kungangivikela,  
ngoba ngizuza isiphephelo Kuwe.
- 22 Hlenga u-Israyeli, Oh Nkulunkulu,  
kuzozonke inhlupheko zakhe.

## Ihubo 26

ElikaDavida.

- 1 Veza ukungabi lacala kwami, THIXO,  
ngoba sengiphile impilo engelansolo;  
ngihlezi ngimethemba UTHIXO  
ningaxhamandi.
- 2 Ngilinga, Oh THIXO, ungizame,  
hlola inhliziyo yami lengqondo yami;
- 3 ngoba uthando Lwakho luhlezi luphambi kwami,  
njalo kokuphela ngihamba eqinisweni Lakho.
- 4 Kangidlelani labantu abakhohlisayo  
njalo kangiwelelani labazenzisi;
- 5 ngiyawenyanya umbuthano wezigangi;  
njalo ngiyala ukuhlala lezixhwali.
- 6 Ngigeza izandla zami ngokungelacala,  
bese ngilizungeza i-alithari Lakho, Oh THIXO,
- 7 ngimemezele ngamandla indumiso Yakho  
ngibatshela bonke ngemisebenzi Yakho eyisimanga.
- 8 Ngiyayithanda indlu ohlala kuyo, Oh THIXO,  
indawo lapho inkazimulo Yakho ehlala khona.
- 9 Ungamukisi umphefumulo wami ndawonye lowezoni,

- impilo yami kanye lalabo abomele igazi,  
<sup>10</sup> ozandla zabo zilamacebo amabi,  
 ozandla zabo zokunene zifumbethe izivalamlomo.  
<sup>11</sup> Kodwa mina ngiphila impilo engelasici;  
 ngihlenga ube lesihawu kimi.
- <sup>12</sup> Inyawo zami zimi emhlabathini ochayileyo;  
 ngizamdumisa UTHIXO emhlanganweni omkhulu.

## Ihubo 27

ElikaDavida.

- <sup>1</sup> UTHIXO uyikukhanya kwami lensindiso yami  
 ngizakwesaba bani na?  
 UTHIXO uyingqaba yokuphila kwami  
 ngubani engingamesaba na?
- <sup>2</sup> Nxa ababi bengihlasela  
 bezodlithiza inyama yami,  
 lapho izitha zami labangizondayo bengihlasela,  
 bazakhubeka bawe.
- <sup>3</sup> Loba impi ingivimbezela,  
 inhliziyo yami kayizukwesaba;  
 loba ngivukelwa yimpi,  
 loba kunjalo ngizakuma isibindi.
- <sup>4</sup> Yinye into engiyicelayo KU THIXO,  
 yilokhu engikudingayo:  
 ukuba ngihlale endlini KATHIXO  
 zonke insuku zokuphila kwami,  
 ngibuke ubuhle BUKATHIXO,  
 lokuthi ngimdinge ethempelini lakhe.
- <sup>5</sup> Phela ngosuku lokuhlupheka  
 uzangilondoloza emzini wakhe,  
 uzangifihla esiphephelweni sethabanikeli lakhe  
 angimise phezulu kwedwala elisesiqongweni.
- <sup>6</sup> Lapho-ke ikhanda lami lizaphakanyiswa  
 ngaphezu kwezitha ezingihanqileyo;  
 ethabanikeleni lakhe ngizakwenza umhlatshelo ngimemeza ngentokozo;  
 ngizahlabelela ingoma zendumiso KU THIXO.
- <sup>7</sup> Zwana ilizwi lami lapho ngimemeza Oh THIXO;  
 woba lomusa kimi ungihendule.
- <sup>8</sup> Ithi inhliziyo yami Ngawe, "Dinga ubuso bakhe!"  
 Ubuso Bakho, THIXO ngizabudinga.
- <sup>9</sup> Ungangifihleli ubuso Bakho,  
 ungayixotshi inceku yakho ngokuthukuthela;  
 wena ubungumsizi wami.  
 Ungangilahli loba ungidele,  
 Oh Nkulunkulu, Msindisi wami.
- <sup>10</sup> Loba obaba lomama bengangidela,  
 UTHIXO uzangemukela.

- 11 Ngifundisa indlela Yakho, Oh THIXO;  
ngihola endleleni eqondileyo  
ngenxa yabancindezeli bami.
- 12 Unganginikeli entandweni yabangizondayo,  
ngoba ofakazi bamanga bayangivukela  
bevutha ulaka.
- 13 Ngilokhu ngilesibindi ngalokhu:  
ngizakubona ukulunga KUKATHIXO  
emhlabeni wabaphilayo.
- 14 Lindela UTHIXO  
qina ume isibindi  
ulindele UTHIXO.

## Ihubo 28

Ihubo likaDavida.

- 1 Ngikhala Kuwe, Oh THIXO,  
Dwala lami;  
ungangivaleli indlebe Yakho.
- Phela nxa ulokhu uthule  
ngizakuba njengalabo asebengene egodini.
- 2 Zwana ukukhala kwami ngicela umusa,  
nxa ngikhala Kuwe ngicela usizo,  
nxa ngiphakamisela izandla zami  
eNdaweni Yakho eNgcwelengcwele.
- 3 Ungangihuduli ndawonye lababi,  
lalabo abenza ububi,  
abakhuluma kamnandi labomakhelwane  
kodwa begcine ububi ezinhliziyweni zabo.
- 4 Bajezisele izenzo zabo  
kanye lemisebenzi yabo emibi;  
bajezisele imisebenzi yezandla zabo,  
ubaphindisele ngokubafaneleyo.
- 5 Njengoba bengananzi imisebenzi KATHIXO  
lalokho okwenziwe yizandla zakhe,  
uzababhidlizela phansi  
angaphindi ababumbe futhi.
- 6 Udumo kalube kuye UTHIXO,  
ngoba ukuzwile ukukhala kwami ngicela umusa.
- 7 UTHIXO ungamandla ami lesihlangu sami;  
inhliziyoyami yethemba Kuye, ngiyancedwa.  
Inhliziyoyami iyaqolotsha ngentokoza  
njalo ngizambonga ngehubo.
- 8 UTHIXO ungamandla abantu bakhe,  
inqaba yensindiso yogcotshiweyo wakhe.
- 9 Sindisa abantu Bakho ubusise ilifa lakho;  
woba ngumelusi wabo ubathwale lanininini.

## Ihubo 29

Ihubo likaDavida.

- 1 Mupheni UTHIXO, lina ziphakanyiswa,  
mupheni UTHIXO ubukhosi lamandla.
- 2 Mupheni UTHIXO ubukhosi obufanele ibizo lakhe;  
mkhonzeni UTHIXO ekukhazimuleni kobungcwele bakhe.
- 3 Ilizwi LIKATHIXO liyazulazula phezu kwamanzi;  
uNkulunkulu wenkazimulo uyandindiza,  
UTHIXO uyandindiza phezu kwamanzi amanengi.
- 4 Ilizwi LIKATHIXO lilamandla;  
ilizwi LIKATHIXO lilobukhosi.
- 5 Ilizwi LIKATHIXO lephula imisedari;  
UTHIXO uyiqamula ibe yizicucu imisedari yaseLebhanoni.
- 6 Wenza iLebhanoni itshakale njengethole,  
iSiryoni njengeguqa lenyathi.
- 7 Ilizwi LIKATHIXO litshaya  
ngezikhatha zombane.
- 8 Ilizwi LIKATHIXO liyayizamamisa inkangala;  
UTHIXO uyayizamamisa iNkangala yaseKhadshi.
- 9 Ilizwi LIKATHIXO liyayitshila imikusu  
likhwebule izihlahla amagusu asale eze.  
Njalo ethempelini lakhe bonke bazamemeza bathi,  
“Inkazimulo!”
- 10 UTHIXO uhlezi ebukhosini phezu kwesikhukhula;  
UTHIXO unguMbusi lanininini.
- 11 UTHIXO unika amandla ebantwini bakhe;  
UTHIXO ubusisa abantu bakhe ngokuthula.

## Ihubo 30

Ihubo. Ingoma. Elokunikela ithempeli. ElikaDavida.

- 1 Ngizakuphakamisa, Oh THIXO,  
ngoba wangenyula ekujuleni  
awaze wavumela izitha zami zijabule phezu kwami.
- 2 Awu THIXO, Nkulunkulu wami,  
ngacela Kuwe uncedo wangisilisa.
- 3 Yebo THIXO wangenyula elibeni,  
wangisiza ngaphepha ukungena egodini.
- 4 Hlabelelani kuUTHIXO lina bathembekileyo bakhe;  
dumisani ibizo lakhe elingcwele.
- 5 Ngoba ukuthukuthela Kwakhe ngokomzuzwana nje,  
kodwa umusa wakhe ukhona okwempilo yonke;  
ukulila kungaqhubeka ubusuku bonke,  
kodwa ukuthokoza kuyafika ekuseni.
- 6 Ngathi lapho ngizizwa ngihlezi kuhle ngathi,  
“Kangisoze ngafa ngahlukuluzeka.”
- 7 Yebo THIXO, wathi lapho ungizwela  
wenza intaba yami yagxila qho;  
kodwa kwathi lapho usufihle ubuso Bakho



ngaphelelwa lithemba.

- <sup>8</sup> Ngakhala kuwe, THIXO;  
ngacela umusa eNkosini;
- <sup>9</sup> “Kulenzuzo bani ngokubhujiswa kwami na,  
ngokutshona kwami egodini?  
Kambe uthuli luzakudumisa na?  
Lona luzafakaza na ngokuthembeka Kwakho?”
- <sup>10</sup> Zwana, Oh THIXO, ube lomusa kimi;  
woba lusizo lwami.”
- <sup>11</sup> Waguqula ukububula kwami kwaba ngumgido;  
wangihlubula izigqoko zamasaka wangigqokisa ukuthokoza,
- <sup>12</sup> ukuze inhliziyo yami ikuhlabelele ingathuli.  
Oh THIXO, Nkulunkulu wami,  
ngizakubonga nini lanini.

## Ihubo 32

Kumqondisi wokuhlabela. Ihubo likaDavida.

- <sup>1</sup> Kuwe THIXO, sengithole isiphephelo;  
mangingayangiswa lanini;  
ngihlenga ngokulunga Kwakho.
- <sup>2</sup> Ngilalela,  
woza ngokuphangisa ungihlenge;  
woba lidwala lami lokuphephela,  
inqaba eqinileyo yokungisindisa.
- <sup>3</sup> Njengoba ulidwala lami lenqaba yami,  
ngikhokhela ungihole ngenxa yegama Lakho.
- <sup>4</sup> Ngikhulula emjibileni othiyelwe mina,  
ngoba uyisiphephelo sami.
- <sup>5</sup> Ezandleni Zakho nginikela umphefumulo wami;  
ngihlenga, Oh THIXO, Nkulunkulu weqiniso.
- <sup>6</sup> Ngiyabazonda labo abanamathela izithombe eziyize;  
ngithemba kuTHIXO.
- <sup>7</sup> Ngizathokoza ngijabule othandweni Lwakho,  
ngoba wakubona ukuhlupheka kwami  
wabazi ubuhlungu bomphefumulo wami.
- <sup>8</sup> Kawungifuqelanga esitheni  
kodwa ugxilise inyawo zami endaweni ebanzi.
- <sup>9</sup> Woba lomusa kimi, Oh THIXO, ngoba ngiyahlupheka;  
amehlo ami ayafiphala ngenxa yosizi,  
umphefumulo wami lomzimba wami ngokudabuka.
- <sup>10</sup> Impilo yami incitshiswa yikukhathazeka,  
leminyaka yami yikububula;  
amandla ami ayadeda ngenxa yokuhlupheka kwami,  
lamathambo ami aphela amandla.
- <sup>11</sup> Ngenxa yezitha zami,  
sengiyinhlekisa enjani kubomakhelwane;  
sengiyinhlekisa kubangane bami  
labo abangibonayo ezindleleni bayangibalekela.

- 12 Sebekhohliwe ngami kungathi sengafa;  
senginjengembiza yebumba ehlephukileyo.
- 13 Ngoba ngizwa izingoma zabanengi;  
kulezisono inxa zonke;  
bakha amasu okungilimaza,  
njalo baceba ukuchitha impilo yami.
- 14 Kodwa ngiyethemba Kuwe, THIXO;  
ngithi, "UnguNkulunkulu wami."
- 15 Izikhathi zami zisezandleni Zakho;  
ngisindisa ezitheni zami  
lakulabo abangizingelayo.
- 16 Ubuso Bakho mabukhazimulele encekwini Yakho;  
ngisindisa ngothando Lwakho olungehlulekiyo.
- 17 Mangingahlaziswa, Oh THIXO,  
ngoba sengikhalile Kuwe;  
kodwa akuthi ababi bahlaziswe  
balale bathule zwi ethuneni.
- 18 Akuthi izindebe zabo zamanga zithuliswe,  
ezikhuluma ngokuzigqaja lokweyisa  
bakhuluma ngobuqholo ngabantu abalungileyo.
- 19 Kukhulu kangakanani ukulunga Kwakho  
okugcinele labo abakwesabayo,  
okunika obala abantu bebona  
kulabo abaphephela Kuwe.
- 20 Uyabafihla ekusithekeni kobukhona Bakho  
emaqingeni ababi  
uyabagcina bevikelwe emzini wakhe  
ezilimini ezichothozayo.
- 21 Udumo alube KU THIXO  
ngoba watshengisa uthando lwakhe olumangalisayo kimi  
ngisedolobheni elihanqiweyo yimpi.
- 22 Ngiphakathi kokwethuka ngathi,  
"Sengisusiwe kangisabonakali Kuwe!"  
Kanti wakuzwa ukukhala kwami ngicela umusa,  
lapho ngangicela kuwe ukusizwa.
- 23 Mthandeni U THIXO,  
lina bangcwele bakhe!  
U THIXO uyabalondoloza abathembekileyo,  
kodwa abazigqajayo uyabaphindisela ngokugcweleyo.
- 24 Qinani lime isibindi,  
lonke lina elithemba U THIXO.

## Ihubo 32

*Ihubo* likaDavida.

- 1 Ubusisiwe lowo  
oziphambeko zakhe zithethelelwe,  
ozono zakhe zisibekelwe.
- 2 Ubusisiwe lowo  
ongasoze abalelwe isono sakhe NGU THIXO,

njalo ongelankohliso emoyeni wakhe.

- <sup>3</sup> Ngathi lapho ngithule,  
amathambo ami ababuthakathaka  
ngenxa yokububula kwami ilanga lonke.
- <sup>4</sup> Ngoba imini lobusuku  
isandla Sakho sasingelekile, singisinda;  
amandla ami aphela  
kwafana lesikhudumezi sehlobo.
- <sup>5</sup> Lapho-ke ngasengisivuma isono sami Kuwe  
angabe ngisasibekela ububi bami.  
Ngathi, “Ngizazivuma iziphambeko zami kuTHIXO,”  
walithethelela icala lesono sami.
- <sup>6</sup> Ngakho akuthi wonke umuntu othembekileyo akhuleke kuwe  
usatholakala;  
ngeqiniso kuzakuthi lapho impophoma seziqubuka,  
kabayi kumfinyelela.
- <sup>7</sup> Uyindawo yami yokuphephela;  
uzangivikela enkathazweni  
ungizungeze ngezingoma zensindiso.
- <sup>8</sup> Ngizakutshengisa ngikufundise indlela ofanele uhambe ngayo;  
ngizakweluleka ngikulinde.
- <sup>9</sup> Ungabi njengebhiza loba imbongolo,  
khona akulakuzwisisa  
kodwa kumele kukhokhelwa ngamatomu  
ukuze umuntu kumlalele.
- <sup>10</sup> Zinengi izikhalazo zababi,  
kodwa uthando LUKATHIXO olungaphuthiyo  
luyamzungeza umuntu othemba kuye.
- <sup>11</sup> Thokozani kuTHIXO, lithabe lina balungileyo;  
hlabelelani lonke lina eliqotho enhliziyweni!

## Ihubo 33

- <sup>1</sup> Hlabelelani kuTHIXO ngentokozo,  
lina balungileyo;  
kubafanele abaqotho ukumdumisa.
- <sup>2</sup> Dumisani uTHIXO ngechacho;  
mhlabeleleni ngesiginci sezintambo ezilitshumi.
- <sup>3</sup> Mhlabeleleni ingoma entsha;  
tshayani kamnandi lihlokome ngentokozo.
- <sup>4</sup> Ngoba ilizwi LIKATHIXO lilungile, liqinisile;  
uthembekile kukho konke akwenzayo.
- <sup>5</sup> UTHIXO uthanda ukulunga lokwahlulela okuqondileyo;  
umhlaba ugcwele uthando lwakhe olungaphuthiyo.
- <sup>6</sup> Ngelizwi LIKATHIXO amazulu enziwa,  
ubunkanyankanya bezinkanyezi ngomoya womlomo wakhe.
- <sup>7</sup> Uyawaqoqa amanzi olwandle awathele enkonxeni;

- athululele inziki zolwandle eziphaleni.
- <sup>8</sup> Umhlaba wonke kawesabe UTHIXO;  
akuthi bonke abantu bomhlaba bazithobe phambi Kwakhe.
- <sup>9</sup> Ngoba wakhuluma, kwahle kwaba khona;  
wayala, kwema kwaqina nko.
- <sup>10</sup> UTHIXO uyawachitha amacebo ezizwe;  
uyazinyampisa izinhloso zabantu.
- <sup>11</sup> Kodwa amacebo KATHIXO ami aqinile nini lanini,  
izinhloso zenhliziyo yakhe kuzozonke izizukulwane.
- <sup>12</sup> Sibusisekile isizwe uNkulunkulu waso ONGUTHIXO,  
abantu abakhethayo baba yilifa lakhe.
- <sup>13</sup> UTHIXO ukhangele phansi esezulwini  
ababone bonke abantu;
- <sup>14</sup> esemzini wakhe  
uyababona bonke abahlala emhlabeni
- <sup>15</sup> yena owenza inhliziyo zabo bonke,  
enanzelela konke abakwenzayo.
- <sup>16</sup> Akulankosi esizwa yibukhulu bebutho layo;  
akulaqhawe eliphunyuka ngamandla alo amakhulu.
- <sup>17</sup> Yikuthemba ize ukuthi ibhiza lingakusindisa;  
loba lona lilamandla amakhulu ngeke lisindise.
- <sup>18</sup> Kodwa amehlo KATHIXO akulabo abamesabayo,  
kulabo othemba labo lisethandweni lwakhe olungapheliyo,
- <sup>19</sup> ukubakhulula ekufeni  
baphiliswe lanxa kulendlala.
- <sup>20</sup> Simlindele UTHIXO ngokwethemba;  
ulusizo lwethu lesihlangu sethu.
- <sup>21</sup> Inhliziyo zethu zithokoza Ngaye,  
ngoba sithembe ebizweni lakhe elingcwele.
- <sup>22</sup> Sengathi uthando Lwakho olungaphuthiyo, THIXO, lungaba phezu  
kwethu  
njengalokhu sibeka ithemba lethu kuwe.

## Ihubo 34

ElikaDavida. Lapho azenza uhlanya ku-Abhimelekhi, owamxotshayo wahamba.

- <sup>1</sup> Ngizamphakamisa UTHIXO ngezikhathi zonke;  
indumiso yakhe izahlala isezindebeni zami.
- <sup>2</sup> Umphefumulo wami uzaziqhenya THIXO  
akuthi abahluphekileyo bezwe bajabule.
- <sup>3</sup> Bongani UTHIXO kanye lami;  
kasiphakamiseni ibizo lakhe sonke, ndawonye.
- <sup>4</sup> Ngamdinga UTHIXO wangiphendula;  
wangikhulula kukho konke engangikwesaba.
- <sup>5</sup> Labo abakhangele Kuye bayakhazimula;  
ubuso babo abungeke bembeswe lihlazo.
- <sup>6</sup> Isihlupheki lesi samemeza, UTHIXO wasizwa;

- wasisindisa kuzozonke inhlupheko zaso.
- 7 Ingilosi KATHIXO iyabazungeza  
labo abamesabayo, ibakhulule.
- 8 Nambithani libone ukuthi UTHIXO ulungile;  
ubusisiwe umuntu ophephela Kuye.
- 9 Mesabeni UTHIXO, lina bangcwele bakhe,  
ngoba labo abamesabayo kabasweli lutho.
- 10 Izilwane zingaphela amandla zilambe,  
kodwa labo abamdingayo UTHIXO kabasweli lutho oluhle.
- 11 Wozani, bantwabami, lalalani kimi;  
ngizalifundisa ukumesaba UTHIXO.
- 12 Lowo othanda ukuphila  
abone lezinsuku ezinhle kumele
- 13 anqande ulimi lwakhe kokubi  
lezindebe zakhe ekukhulumeni inkohliso.
- 14 Tshiya ububi wenze okulungileyo;  
funa ukuthula ukunxwanele.
- 15 Amehlo KATHIXO akhangele abalungileyo  
lezindlebe zakhe ziyezwa ukukhala kwabo;
- 16 ubuso BUKATHIXO bumelana lalabo abenza okubi,  
ukuba acitshe ukukhunjulwa kwabo emhlabeni.
- 17 Abalungileyo bayakhala KUETHIXO abezwe;  
uyabakhulula kuzozonke inhlupheko zabo.
- 18 UTHIXO useduze labo abalezinhliziyi ezephukileyo  
asindise labo abadabukileyo emoyeni.
- 19 Umuntu olungileyo angaba lezinhlupheko ezinengi,  
kodwa UTHIXO uyamkhulula kuzozonke.
- 20 Uyawavikela wonke amathambo akhe,  
kungephuki loba lalinye.
- 21 Ububi buzambulala oyisixhwali;  
izitha zolungileyo zizalahlwa.
- 22 UTHIXO uyazihlenga izinceku zakhe;  
kakho ozalahlwa ophephela kuye.

## Ihubo 35

ElikaDavida.

- 1 Xabana labo, THIXO abaxabana lami;  
lwana labo abalwa lami.
- 2 Thatha isihlangu lewisa;  
phakama uzongilamulela.
- 3 Phakamisa umkhonto lesijula,  
ukuqondise kwabangihlaselayo.  
Ngitshela ukuthi,  
“Ngiyikusindiswa kwakho.”
- 4 Sengathi labo abazingela impilo yami  
bangayangiswa bathelwe ngehlazo;  
sengathi labo abazama ukungidiliza

- bangabuyiselwa emuva bedumazekile.  
 5 Sengathi bangaba njengamakhoba emoyeni,  
 ingilosi KATHIXO ibe ibadudula ibaxotsha;  
 6 sengathi indlela yabo ingaba mnyama itshelele,  
 ingilosi KATHIXO ibe ibahlezi ezithendeni.
- 7 Ngoba bangithiya ngamambule abo ngingonanga lutho,  
 baphinda bangembela umgodi kungelasizatho,  
 8 sengathi bangadilizwa belibele  
 lawomambule abawathiyileyo abahilele,  
 sengathi bangawela kulowomgodi babhidlizwe.
- 9 Lapho-ke umoya wami uzathokoza KUTHIXO  
 ujabule ekusindiseni Kwakhe.
- 10 Mina qobo lwami ngizamemeza ngithi,  
 “Ngubani onjengawe, Oh THIXO?  
 Uyabakhulula abahluphekayo kulabo abalamandla kulabo,  
 abahluphekayo labaswelayo kulabo ababantshontshelayo.”
- 11 Ofakazi bolunya bayangivelela;  
 bangibuza ngezinto engingazaziyo.
- 12 Bangiphindisela okuhle ngokubi  
 umphefumulo wami usale usudabukile.
- 13 Ikanti kwathi bona begula ngembatha amasaka  
 ngazithoba ngazila ukudla.  
 Kwathi lapho imikhuleko yami ingaphendulwa  
 14 ngaba sesililweni  
 kwangathi ngililela umngane wami loba umfowethu.  
 Ngakhothamisa ikhanda lami ngokudabuka  
 kwangathi ngililela umama.
- 15 Kodwa ngathi sengikhubekile baqwebana bokha insini;  
 abahlaseli bangihlanganyela ngilibele.  
 Bangichothoza okungapheliyo.
- 16 Bakloloda ngomona njengabangakholwayo;  
 bangigedlela amazinyo abo.
- 17 Nkosi, uzakuma ubukele kuze kube nini na?  
 Yenyula impilo yami ekungilimazeni kwabo,  
 impilo yami eligugu kulezizilwane.
- 18 Ngizakubonga phakathi komhlangano omkhulu;  
 ngikudumise ngiphakathi kwamaxuku abantu.
- 19 Ungabayekeli abayizitha zami ngingabonelanga lutho,  
 bantele phezu kwami.  
 Ungayekeli labo abangizondayo kungelasizatho,  
 banginyonkoloze ngomona.
- 20 Kabakhulumi okuqondileyo  
 kodwa babumba amacala amanga,  
 ngalabo abaphila ngokuthula elizweni.
- 21 Bangikhamisela imilomo bathi, “Hiya belo!  
 Sizibonele ngawethu amehlo la.”
- 22 Oh THIXO, usukubonile lokhu; ungathuli.  
 Ungabi khatshana kwami, Oh Nkosi.

- 23 Vuka, uphakame ungilamulele!  
Ngilwela, Nkulunkulu Thixo wami.
- 24 Ngigeza ngokulunga Kwakho,  
THIXO, Nkulunkulu wami;  
ungabayekeli bantele phezu kwami.
- 25 Ungabayekeli bacabange bathi, “Ehe, yikho ebesikufuna!”  
loba bathi, “Sesimginyile.”
- 26 Sengathi bonke abantela ngokuhlupheka kwami  
bangathelwa ngehlazo basanganiseke;  
sengathi bonke abazikhukhumezayo phezu kwami  
bangembeswa ngokuyangeka langehlazo.
- 27 Sengathi labo abathokoza ngokugezwa kwami  
bangahalalisa ngentokozo lenjabulo;  
sengathi bangatsho kokuphela bathi,  
“Makaphakanyiswe UTHIXO  
othokoza ngokuhlala kuhle kwenceku yakhe.”
- 28 Ulimi lwami luzakhuluma ngokulunga Kwakho  
langendumiso Yakho ilanga lonke.

## Ihubo 36

Kumqondisi wokuhlabela. Erika Davida inceku KATHIXO.

- 1 Ngilenkinga enhliziyweni yami  
mayelana lokuxhwala kwesigangi:  
Kakukho ukwesaba uNkulunkulu  
engqondweni yaso.
- 2 Phela kweyaso ingqondo siyazikhohlisa  
size sehluleke ukubona kumbe ukuzonda isono saso.
- 3 Amazwi omlomo waso abolile alenkohliso;  
kasiselakho ukuhlakanipha lokulunga.
- 4 Kwala loba silele siceba ububi;  
sizinikela endleleni yobubi  
njalo kasikulahli okubi.
- 5 Uthando Lwakho, THIXO, lufika emazulwini,  
ukuthembeka Kwakho esibhakabhakeni.
- 6 Ukulunga Kwakho kunjengezintaba ezesabekayo,  
ukwahlulela kuhle Kwakho njengolwandle olukhulu.  
Oh THIXO, uyamlondoloza umuntu kanye lenyamazana.
- 7 Luligugu elinganani uthando Lwakho olungaphuthiyo,  
Oh Nkulunkulu!  
Bonke abantu bazuza isiphephelo  
emthunzini wamaphiko Akho.
- 8 Bayazitika ngokudla okunengi endlini Yakho;  
ubapha okunathwayo okwemfuleni wakho wokuthokoza.
- 9 Ngoba kuwe kulomthombo wokuphila;  
kokwakho ukukhanya sibona ukukhanya.
- 10 Qhubeka ngothando Lwakho kulabo abakwaziyo,  
ukuluga Kwakho kwabaqotho enhliziyweni.
- 11 Sengathi unyawo lwabazazisayo lungehluleka ukunginyathela,

loba ukuthi isandla sababi singangixotshi.

- <sup>12</sup> Bonani-ke ukuthi izigangi sezithe daca  
ziwiselwe phansi, kazisavuki futhi!

## Ihubo 37

ElikaDavida.

- <sup>1</sup> Ungazikhathazi ngabantu ababi  
loba uhawukele labo abenza okungalunganga;
- <sup>2</sup> ngoba bazabuna masinyane njengotshani,  
njengezimila eziluhlaza bazakufa masinyane.
- <sup>3</sup> Themba KUTHIXO wenze okulungileyo;  
hlala elizweni ukholise amadlelo amahle.
- <sup>4</sup> Zithokozise KUTHIXO  
Yena uzakupha izifiso zenhliziyo yakho.
- <sup>5</sup> Nikela indlela zakho KUTHIXO;  
themba kuye, Yena uzakwenzela lokhu:
- <sup>6</sup> Uzakwenza ukulunga kwakho kukhazimule njengentathakusa,  
ubuqotho balokho okulwelayo njengelanga lemini enkulu.
- <sup>7</sup> Chuma phambi KUKATHIXO  
umlindele ngesineke;  
ungakhathazeki nxa abantu bephumelela ngezindlela zabo,  
nxa bephutshisa amaqhinga abo amabi.
- <sup>8</sup> Xwayana lokuzonda njalo ufulathele intukuthelo;  
ungakhathazeki, kukhokhelela eubini kuphela.
- <sup>9</sup> Ngoba abantu ababi bazasuswa,  
kodwa labo abathemba UTHIXO bazakudla ilifa lelizwe.
- <sup>10</sup> Kuseyisikhatshana nje, ababi bazabe bengasekho;  
loba usubadinga kabasayikufunyanwa.
- <sup>11</sup> Kodwa abathobekileyo bazakudla ilifa lelizwe  
njalo bakholise ukuthula okukhulu.
- <sup>12</sup> Ababi baceba ukulimaza abalungileyo  
babagedlele amazinyo;
- <sup>13</sup> kodwa iNkosi iyabahleka ababi,  
ngoba iyazi ukuthi usuku lwabo luyeza.
- <sup>14</sup> Ababi bakhokha inkemba,  
badonsa idandili  
ngenhloso yokulimaza abahluphekayo labaswelayo,  
lokubulala labo abahamba ngokulunga.
- <sup>15</sup> Kodwa izinkemba zabo zizagwaza ezabo inhliziyo,  
lamadandili abo azakwephulwa.
- <sup>16</sup> Kungcono ingcosana leyo abalayo abalungileyo  
kulenotho yababi abanengi;
- <sup>17</sup> ngoba amandla ababi azaqedwa,  
kodwa UTHIXO uyabaxhasa abalungileyo.



- 18 Insuku zabangelasici ziyaziwa NGUTHIXO,  
ilifa labo lizakuma lanini.
- 19 Ngezikhathi zomonakalo abayikubuna;  
ngezikhathi zendlala bazasutha.
- 20 Kodwa ababi bazabhubha;  
izitha ZIKATHIXO zinjengobuhle beganga,  
zizanyamalala, zinyamalale njengentuthu.
- 21 Ababi bayaboleka kodwa kababuyiseli,  
kodwa abalungileyo bayapha kakhulu;
- 22 labo UTHIXO ababusiyo bazakudla ilifa lelizwe;  
kodwa labo abathukayo bazasuswa.
- 23 Nxa UTHIXO ethokoziswa yikuhamba komuntu,  
uyaqinisa izinyathelo zakhe;
- 24 loba angakhubeka, kayikuwa,  
ngoba UTHIXO uyamsekela ngesandla sakhe.
- 25 Ngangimutsha, manje sengiluphele,  
kodwa angizange ngibone abalungileyo bedelwa  
loba abantwababo becela isinkwa.
- 26 Bayaphana kokuphela njalo bayebolekana nje;  
abantwababo bazabusiwa.
- 27 Phendukani eubini lenze ukulunga  
lapho-ke lizahlala elizweni nini lanini.
- 28 Ngoba UTHIXO uthanda abalungileyo  
njalo kayikubadela abathembekileyo bakhe.
- Bazavikelwa kuze kube nini lanini  
kodwa inzalo yababi izalahlwa;
- 29 abalungileyo bazazuza ilifa lelizwe  
bahlale kulo lanini.
- 30 Umlomo womuntu olungileyo ukhuluma ukuhlakanipha,  
lolimi lwakhe lukhuluma okuqondileyo.
- 31 Umthetho kaNkulunkulu wakhe usenhliziyweni yakhe;  
inyawo zakhe kazitshelile.
- 32 Ababi bacathamela abalungileyo  
befuna impilo yabo qobo lwayo;
- 33 kodwa UTHIXO kayikubayekela bazenzele abakuthandayo  
kubo kumbe balahlwe licala nxa bethonisiswa.
- 34 Lindelani UTHIXO ligcine indlela yakhe.  
Uzaliphakamisa lilithathe ilifa lelizwe;  
lizakubona lokhu nxa ababi sebesusiwe.
- 35 Sengike ngabona umuntu omubi olesihluku  
kulokubhadala ehluma njengesihlahla,  
esikhula kuhle emhlabathini waso wemvelo,
- 36 kodwa waphanga wafa kabe esabakhona;

ngathi loba sengimdinga ngamswela.

- 37 Nanzelela abangelecala, qaphela abaqotho.  
Likhona ikusasa kumuntu wokuthula.
- 38 Kodwa zonke izoni zizabhujiswa;  
ikusasa lezigangi lizasuswa.
- 39 Ukusindiswa kwabalungileyo kuvela kuTHIXO;  
uyinqaba yabo ngesikhathi sokuhlupheka.
- 40 UTHIXO uyabasiza abakhulule;  
abakhulule kwababi abasindise,  
ngoba baphephela kuye.

## Ihubo 38

Ihubo likaDavida. Isikhalazo.

- 1 Awu THIXO, ungangikhuzi  
ngolaka loba ungijezise uthukuthele.
- 2 Ngoba imitshoko yakho ingicibile,  
njalo wangibhansula kakhulu ngesandla sakho.
- 3 Ngenxa yokuthukuthela kwakho kangiselakuphila emzimbeni wami;  
amathambo ami kawasaqinanga ngenxa yesono sami.
- 4 Ukona kwami sekungisinda  
njengomthwalo onzima ongathwalekiyo.
- 5 Izilonda zami sezilobovu sezisenyaneyeka  
ngenxa yobuthutha bami besono.
- 6 Ngiyangiswe ngehliswa kakhulu;  
sengitshona ngilila ilanga lonke.
- 7 Ngiphethwe liqolo ngobuhlungu obuqumayo;  
umzimba wami kawuselampilo.
- 8 Sengibuthakathaka, sengicikizekile;  
ngiyabubula ngobuhlungu benhliziyo.
- 9 Zonke iziloyiso zami zisobala kuwe, Oh Thixo,  
ukububula kwami kakufihlekanga kuwe.
- 10 Inhliziyo yami iyagubhazela, amandla ami ayaphela;  
lokukhanya sekufiphele emehlweni ami.
- 11 Abangane bami labakhula bami sebengibalekela ngenxa yamanxeba  
ami;  
omakhelwane bami sebehlalela khatshana
- 12 Labo abafuna impilo yami sebethiyile,  
labo abafuna ukungilimaza bakhuluma ngokungidiliza;  
ilanga lonke batshonela ukwakha amacebo enkohliso.
- 13 Sengifana lesacuthe esingezwayo,  
njengesimungulu esehluleka ukuvula umlomo waso;
- 14 senginjengomuntu ongezwayo,  
olomlomo ongaphenduliyo.
- 15 Ngikulindele, Oh THIXO,  
uzaphendula, Oh Nkosi Nkulunkulu wami.
- 16 Ngoba ngathi, "Ungabayekeli baklolode  
kumbe bazikhukhumeze phezu kwami nxa unyawo lwami lutshelela."

- 17 Ngoba sengiseduze lokuwa,  
lobuhlungu bungiphethe njalonjalo.
- 18 Ngiyabuvuma ububi bami;  
ngiyakhathazeka ngesono sami.
- 19 Banengi labo abayizitha zami ezitshisekayo,  
labo abangizonda bengelasizatho banengi.
- 20 Labo abangiphindisela okuhle ngokubi  
bayangigcona lapho ngisenza okulungileyo.

- 21 Oh THIXO, ungangideli;  
ungabi khatshana lami, Oh Nkulunkulu wami.
- 22 Woza masinyane uzongisiza,  
Nkosi yami loMsindisi wami.

## Ihubo 39

Kumqondisi wokuhlabela. ElikaJeduthuni. Ihubo likaDavida.

- 1 Ngathi, “Ngizaziqaphela izindlela zami,  
ngiluthinte ulimi lwami esonweni;  
ngizawugcika umlomo wami  
nxa ababi bekhona phambi kwami.”
- 2 Kodwa kwathi lapho ngithule ngithe zwi,  
ngingatsho lutho loba lungoluhle  
ubuhlungu behliziyo yami bakhula.  
3 Inhliziyo yami yavutha ngaphakathi kwami;  
kwathi lapho ngizuliswa yimicabango, umlilo wavutha;  
ngasengikhuluma ngolimi lwami:
- 4 “Ngitshengisa, THIXO, isiphetho sempilo yami  
lobunengi bezinsuku zami;  
ngazisa ukuthi impilo yami igijima kanganani.
- 5 Usuwenze insuku zami zaba lobubanzi besandla;  
ububanzi beminyaka yami kabusilutho kuwe.  
Impilo yabantu ingumoya kuphela,  
kanye lalabo abakhanya behlalisekile.
- 6 Umuntu uhambahamba njengesithunzi nje;  
uyatshikatshika, kodwa konke akwenzayo kuyize lodwa;  
ubuthelela inotho engazi ukuthi izakuba ngekabani.
- 7 Kodwa okwamanje, Thixo, ngisafunani kambe?  
Ithemba lami likuwe.
- 8 Ngisindisa kuzozonke iziphambeko zami;  
ungangenzi inhlekisa yezitha.
- 9 Ngathula; ngangingeke ngiwuvule umlomo wami,  
ngoba lokhu kwenziwe nguwe.
- 10 Susa uswazi lwakho kimi;  
sengikhulelwa yisidutshulo sesandla sakho.
- 11 Abantu uyabakhuza ubajezisele isono sabo;  
ucikiza inotho yabo njengenondo  
ngempela umuntu ngamunye ungumoya nje.
- 12 Zwana umkhuleko wami, Oh THIXO,

lalela isikhalazo sami ngicela uncedo;  
 ungabi ligcikandlebe nxa ngikhala.  
 Phela ngihlala lawe nginjengesihambi, ngiyisethekeli  
 njengoba okhokho bonke babenjalo.  
<sup>13</sup> Ake ukhangele eceleni nje ukuze ngithokoze njalo,  
 ngingakasuki lapha ngibe ngongasekho.”

## Ihubo 40

Kumqondisi wokuhlabela. ElikaDavida. Ihubo.

- <sup>1</sup> Ngamlindela ngesineke UTHIXO;  
 waphendukela ngakimi wezwa ukukhala kwami.
- <sup>2</sup> Wangenyula emgodini otshonayo,  
 wangikhupha edakeni lexhaphozini;  
 wamisa inyawo zami edwaleni,  
 wangipha indawo eqinileyo yokuma.
- <sup>3</sup> Wangipha ingoma entsha emlonyeni wami,  
 ihubo lokudumisa kuNkulunkulu wethu.  
 Abanengi bazabona besabe  
 babeke ithemba labo KU THIXO.
- <sup>4</sup> Ubusisiwe umuntu  
 owenza UTHIXO abe lithemba lakhe,  
 ongathembi abazigqajayo,  
 lalabo abaqambukela kubonkulunkulu bamanga.
- <sup>5</sup> Zinengi, THIXO, Nkulunkulu wami,  
 izimangaliso ozenzileyo.  
 Izinto owasilungiselela zona  
 kakho ongazibala kuwe;  
 aluba bengingakhuluma  
 loba ngilandise ngazo,  
 zingaba zinengi ngokweqileyo ukuzibalisa.
- <sup>6</sup> Kawufisanga imihlatshelo leminikelo  
 kodwa indlebe zami uzikleklile;  
 iminikelo yokutshiswa leminikelo yesono kawuzange uyidinge.
- <sup>7</sup> Lapho-ke ngasengisithi, “Ngilapha, sengifikile  
 kulotshiwe ngami emqulwini.
- <sup>8</sup> Ngiyakunxwanela ukwenza intando yakho, Oh Nkulunkulu wami;  
 umthetho wakho usenhliziyweni yami.”
- <sup>9</sup> Ngiyafakaza ngokulunga ngisemhlanganweni omkhulu;  
 angizivali izindebe zami, njengoba usazi, Oh THIXO.
- <sup>10</sup> Ukulunga kwakho kangikufihli enhliziyweni yami;  
 ngikhuluma ngokuthembeka kwakho lokusindisa kwakho.  
 Kangilufihli uthando lwakho leqiniso lakho  
 emhlanganweni omkhulu.
- <sup>11</sup> Ungasigodli isihawu sakho kimi, Oh THIXO;  
 sengathi uthando lwakho leqiniso lakho kungahlala kungivikela.
- <sup>12</sup> Phela inhlupheko ezingelakubalwa zingihanqile;  
 izono zami sezingificile, kangisaboni.  
 Zinengi kulenwele zekhanda lami,

- njalo inhliziyi yami isiphela amandla.
- 13 Jabula, awu THIXO, ungisindise;  
awu THIXO, woza masinyane uzongisiza.
- 14 Sengathi bonke abafuna ukuqeda impilo yami  
bangayangiswa basanganiswe;  
sengathi bonke abafisa ukungidiliza  
bangabuyiselwa emuva beyangekile.
- 15 Sengathi bonke abathi kimi, “Ehe, Ehe!”  
banganengwa lihlazo labo.
- 16 Kodwa akuthi bonke abakudingayo  
bathokoze bajabule kuwe;  
akuthi labo abathanda insindiso yakho bahlale besithi,  
“UTHIXO kadunyiswe!”
- 17 Kodwa mina ngiyahlupheka, ngiyaswela;  
sengathi iNkosi ingangikhumbula.  
Ilusizo lwami lomkhululi wami;  
Oh Nkulunkulu wami, ungalibali.

## Ihubo 41

- Kumqondisi wokuhlabela. Ihubo likaDavida.
- 1 Ubusisiwe lowo onanza abahluphekayo;  
UTHIXO uyamkhulula ngezikhathi zokuhlupheka.
- 2 UTHIXO uzamvikela alondoloze impilo yakhe;  
uzambusisa phakathi kwelizwe  
akasoze amnikele emandleni ezitha zakhe.
- 3 UTHIXO uzamqinisa lanxa elele egula  
njalo amsilise avuke ekuguleni kwakhe.
- 4 Ngathi, “Oh THIXO ake ungihawukele;  
ngisilisa, ngoba ngonile kuwe.”
- 5 Izitha zami ziyangigcona zithi,  
“Uzakufa nini licitshe ibizo lakhe?”
- 6 Nxa omunye wabo efika ezongibona,  
ukhuluma kuhle angikhohlise,  
kodwa enhliziyweni yakhe egaya izibozi;  
athi angaphuma ahambe esekhhliza ebantwini.
- 7 Bonke abangizondayo banyenyezelana ngami;  
bangicabangela wonke amanyala besithi,
- 8 “Usengenwe ngumkhuhlane omubi;  
kasoze asile avuke futhi.”
- 9 Lomngane wami osekhwapheni,  
ebengimthembile,  
lowo obesidla lami isinkwa  
usengihlamukele.
- 10 Kodwa wena, Oh THIXO ake ungihawukele;  
ake ungivuse ukuze ngibakhawulise.
- 11 Ngiyazi ukuthi uyathokoza ngami,  
ngoba isitha sami kasingehluli.

12 Ubuqotho bami busekelwa nguwe  
njalo ungimisa phambi kwakho nini lanini.

13 Udumo alube kuye uTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli,  
kusukela nininini kuze kube nininini.  
Ameni njalo Ameni!

## Ugwalo 2

### 42

#### *AmaHubo 42 - 72*

Kumqondisi wokuhlabela. *Ihubo* lamaDodana kaKhora.

- 1 Njengempala inxwanela imifula yamanzi,  
kunjalo umphefumulo wami uyakunxwanela, Oh Nkulunkulu.
- 2 Umphefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo.  
Ngizahamba nini ngiyohlangana loNkulunkulu?
- 3 Inyembezi zami seziyikudla kwami  
imini lobusuku,  
lapho abantu besithi kimi ilanga lonke,  
“Ungaphi uNkulunkulu wakho?”
- 4 Lezizinto ngiyazikhumbula  
nxa ngizisola kakhulu ngidabukile:  
Ngangihamba endlini kaNkulunkulu,  
ngaphansi kwempiko zikaSomandla  
sihlokoma ngentokozo langokubonga  
lexuku elithakazelela umkhosi.
- 5 Kungani wephukile na, wena mphefumulo wami?  
Kungani udungekile kanje ngaphakathi kwami?  
Beka ithemba lakho kuNkulunkulu,  
ngoba ngisezakumdumisa,  
uMsindisi wami loNkulunkulu wami.
- 6 Umphefumulo wami wephukile ngaphakathi kwami;  
ngakho ngizakukhumbula  
kusukela esifundeni seJodani,  
iziqongo zaseHemoni,  
kusukela entabeni iMizari.
- 7 Inziki imemeza inziki  
phakathi kwenhlokomo yezimpophoma zakho;  
wonke amavingo lokukhaphaka  
sekugabhela phezu kwami.
- 8 Emini uTHIXO uyaluqondisa uthando lwakhe  
ebusuku ingoma yakhe ikhona kimi  
umkhuleko kuNkulunkulu wempilo yami.
- 9 Ngithi kuNkulunkulu iDwala lami,  
“Kutheni usungikhohliwe na?  
Kutheni sengizula ngingolilayo,  
ngincindezelwa yisitha na?”
- 10 Amathambo ami ezwa ubuhlungu obungiqedayo  
lapho izitha zami zingihloza,

zisithi kimi ilanga lonke,  
 “Ungaphi uNkulunkulu wakho?”

<sup>11</sup> Kungani wephukile na, wena mphefumulo wami?  
 Kungani udungekile kanje ngaphakathi kwami?  
 Beka ithemba lakho kuNkulunkulu,  
 ngoba ngisezakumdumisa,  
 uMsindisi wami loNkulunkulu wami.

## Ihubo 43

<sup>1</sup> Ngigeza, awu Nkulunkulu,  
 ungimele  
 uphikise isizwe esingathembekanga;  
 ngikhulula ebantwini  
 ababi abalengkohliso.  
<sup>2</sup> UnguNkulunkulu inqaba yami.  
 Usungilahlelani na?  
 Kungani sengizula ngilila  
 ngincindezelwa yisitha sami na?  
<sup>3</sup> Thumela ukukhanya kwakho leqiniso lakho,  
 kakungikhokhele;  
 kakungilethe entabeni yakho engcwele,  
 endaweni lapho ohlala khona.  
<sup>4</sup> Lapho-ke ngizakuya e-alithareni likaNkulunkulu,  
 kuNkulunkulu, intokozo yami lenjabulo yami.  
 Ngizakudumisa ngechacho,  
 Oh Nkulunkulu, Nkulunkulu wami.  
<sup>5</sup> Kungani wephukile, wena mphefumulo wami?  
 Kungani udungekile kanje ngaphakathi kwami?  
 Beka ithemba lakho kuNkulunkulu,  
 ngoba ngisezakumdumisa, uMsindisi wami  
 loNkulunkulu wami.

## Ihubo 44

Kumqondisi wokuhlabela. *Ihubo* lamaDodana kaKhora.

<sup>1</sup> Sizizwele ngezethu indlebe, yebo Oh Nkulunkulu  
 obaba basitshela  
 owakwenzayo ensukwini zabo,  
 ensukwini zekadeni.  
<sup>2</sup> Ngezakho izandla wazixotsha izizwe  
 wagxumeka obaba;  
 wabahlifiza abantu  
 wenza obaba baphumelela.  
<sup>3</sup> Kwakungasinkemba zabo ezathumba ilizwe,  
 njalo kakusingalo yabo eyaletha ukunqoba;  
 kwaba yisandla sakho sokunene, ingalo yakho,  
 lokukhanya kobuso bakho, ngoba wawubathanda.  
<sup>4</sup> UyiNkosi yami loNkulunkulu wami,  
 ophayo ukunqoba kuJakhobe.  
<sup>5</sup> Ngawe siyazihlehlisa izitha zethu;  
 ngebizo lakho siyazigxobagxoba izitha zethu.

- 6 Angilithembi idandili lami,  
inkemba yami kayingiletheli ukunqoba;
- 7 kodwa wena usipha ukunqoba phezu kwezitha zethu,  
abalwa lathi ubathela ihlazo.
- 8 Siyazincoma ngoNkulunkulu ilanga lonke,  
njalo sizalidumisa ibizo lakho nini lanini.
- 9 Kodwa manje ususilahlile wasiyangisa;  
kawusaphelekezeli izimpi zethu.
- 10 Wasenza sahlehla phambi kwesitha,  
abalwa lathi sebethehe impango.
- 11 Wasiyekela sadliwa njengezimvu  
wasichithachitha phakathi kwezizwe.
- 12 Wathengisa abantu bakho ngengcosana nje  
awazuza lutho ngalokho kuthengisa.
- 13 Ususenze saba lihlazo kubomakhelwane,  
inhlekisa lendumazo kwesihlalisene labo.
- 14 Ususenze saba yisiga phakathi kwezizwe;  
abantu banyikinya amakhanda ngathi.
- 15 Ukuyangeka kwami kuyangilandela ilanga lonke,  
ubuso bami buhuqwe ngehlazo,
- 16 ngokuhozwa yilabo abangisolayo  
njalo abangenyanyayo,  
ngenxa yesitha esijonge ukuphindisela.
- 17 Konke lokhu kwenzakala kithi,  
lanxa sasingakulibalanga;  
asathembeka esivumelwaneni sakho.
- 18 Inhliziyo zethu zazingabuyelanga emuva;  
inyawo zethu zazingaphambukanga endleleni yakho.
- 19 Kodwa wasichoboza saba yikudla kwamaganyane,  
wasembesa ngomnyama omkhulu.
- 20 Aluba sasesilikhohliwe ibizo likaNkulunkulu wethu  
loba saphakamisela izandla zethu kunkulunkulu wezizweni,
- 21 kambe ngabe uNkulunkulu kakubonanga lokho na,  
njengoba esazi imfihlo zenhliziyi?
- 22 Ikanti ngenxa yakho wena sikhangelane lokufa ilanga lonke;  
sithathwa njengezimvu ezizahlathwa.
- 23 Vuka, Oh Thixo! Ulaleleni na?  
Ziphaphamise! Ungasilahli kokuphela.
- 24 Ubufihlelani ubuso bakho na,  
ukhohlwe ukuhlupheka kwethu lokuncindezelwa?
- 25 Sesibhuqwe phansi othulini;  
imizimba yethu isinamathele phansi.
- 26 Phakama usisize;  
sihlenge ngenxa yothando lwakho olungaphuthiyo.



## Ihubo 45

Kumqondisi wokuhlabela. Njengengoma ethi “Izimbali.” *Ihubo lamaDo-*  
dana kaKhora. Ingoma yomtshado.

<sup>1</sup> Inhliziyo yami iyagubhazela ngendaba enkulu  
nxa ngivuma inkondlo yami ngiyihayela inkosi;  
ulimi lwami lusiba lomlobi lolwazi.

<sup>2</sup> Uyilikhwa lamakhwa emadodeni wonke  
lezindebe zakho ziconjwe kuhle ngobunono,  
njengalokhu uNkulunkulu  
ekubusisile lanininini.

<sup>3</sup> Hloma inkemba yakho okhalweni, wena omkhulu;  
zembathise ngokukhazimula langobukhosi.

<sup>4</sup> Usebukhosini bakho khwela enqoleni ulokunqoba  
umele iqiniso lokuzithoba lokulunga;  
akuthi isandla sakho sokunene senze izimanga.

<sup>5</sup> Akuthi imitshoko yakho ecijileyo icibe inhliziyo zezitha zenkosi;  
akuthi izizwe ziwe ngaphansi kwezinyawo zakho.

<sup>6</sup> Isihlalo sakho sobukhosi,  
Oh Nkulunkulu, sizakuma nini lanini;  
intonga yokwahlulela okulungileyo  
izakuba yintonga yombuso wakho.

<sup>7</sup> Uyakuthanda ukulunga njalo uyabuzonda ububi;  
ngakho uNkulunkulu, uNkulunkulu wakho  
usekubeke ngaphezu kwabakhula bakho  
ngokukugcoba ngamafutha entokozo.

<sup>8</sup> Zonke izembatho zakho ziqholiwe ngemure,  
langenhlaba langekhasiya;  
ezigodlweni eziceciswe ngempondo zendlovu kuqhamuka  
inhloko yeziginci ekuthokozisayo.

<sup>9</sup> Amadodakazi amakhosi akhona  
kanye labanye abesifazane abahloniphekayo;  
kwesokunene sakho ngumlobokazi wesikhosini  
oceciswe ngegolide lase-Ofiri.

<sup>10</sup> Lalela, ndodakazi, nanzelela uvule indlebe;  
khohlwa abakini, lendlu yakwenu.

<sup>11</sup> Inkosi iyaphelelwa ngobuhle bakho;  
yihloniphe, ngoba iyinkosi yakho.

<sup>12</sup> Indodakazi yaseThire izakuza lesipho,  
amadoda anothileyo azazincengela kuwe.

<sup>13</sup> Ngaphakathi exhibeni layo  
inkosazana yibucwazicwazi;  
isembatho sayo siceciswe ngegolide.

<sup>14</sup> Isiwa enkosini yembethe izivunulo ezelukiweyo;  
abakhaphi bayo bayayilandela  
balethwe kuwe.

<sup>15</sup> Bangeniswa lapho ngentokozo lenjabulo;  
bangena esigodlweni senkosi.

<sup>16</sup> Amadodana enu azathatha isikhundla saboyihlo;

lizawenza abe ngamakhosana elizweni lonke.

- 17 Ibizo lakho ngizalenza  
likhunjulwe kokuphela yizizukulwane zonke;  
yikho-ke izizwe zizakudumisa nini lanini.

## Ihubo 46

Kumqondisi wokuhlabela. ElamaDodana kaKhora. Ingoma ngendlela ye-*alamothi*.

- 1 UNkulunkulu uyisiphephelo sethu lamandla ethu,  
usizo oluhlezi lukhona nxa kulohlupho.
- 2 Ngakho kangiyikwesaba, umhlaba ungaze ubhidlike  
lezintaba ziwele ekujuleni kolwandle,
- 3 loba amanzi alo ehlokoma agubhazele  
izintaba zivezezele ngokuqubuka kwalo.
- 4 Kukhona umfula ozifudlana zawo zithokozisa idolobho likaNkulunkulu,  
indawo engcwele okuhlala kuyo oPhezukonke.
- 5 UNkulunkulu ungaphakathi kwalo, kaliyikuwiswa;  
uNkulunkulu uzalisiza ngovivi lokusa.
- 6 Izizwe ziyahlokoma, imibuso iyachitheka;  
uphakamisa ilizwi lakhe umhlaba uncibilike.
- 7 UTHIXO uSomandla ulathi;  
uNkulunkulu kaJakhobe uyingqaba yethu.
- 8 Wozani libone imisebenzi KATHIXO,  
incithakalo aseenzile emhlabeni.
- 9 Uyathulisa izimpi  
kuze kube semikhawulweni yomhlaba;  
uyalephula idandili avadlaze lomkhonto,  
utshisa izinqola ngomlilo.
- 10 “Thulani, lazi ukuba mina nginguNkulunkulu;  
ngizaphakanyiswa phakathi kwezizwe;  
ngizaphakanyiswa emhlabeni.”
- 11 UTHIXO uSomandla ulathi,  
uNkulunkulu kaJakhobe uyingqaba yethu.

## Ihubo 47

Kumqondisi wokuhlabela. ElamaDodana kaKhora. Ihubo.

- 1 Qakezani izandla zenu, zizwe zonke;  
hlokomani kuNkulunkulu ngomsindo wokuthokoza.
- 2 Wesabeka kangakanani UTHIXO oPhezukonke,  
iNkosi enkulu kuwo wonke umhlaba!
- 3 Wazehlula zonke izizwe zaba ngaphansi kwethu,  
abantu babangaphansi kwezinyawo zethu.
- 4 Wasikhethela ilifa lethu,  
igugu likaJakhobe amthandayo.
- 5 UNkulunkulu usekhuphukile phakathi komsindo wentokozo,  
UTHIXO uphakathi kokukhala kwamacilongo.

- 6 Hlabelelani indumiso kuNkulunkulu, hlabelelani indumiso;  
hlabelelani indumiso eNkosini yethu, hlabelelani indumiso.
- 7 Ngoba uNkulunkulu uyiNkosi yomhlaba wonke;  
hlabelelani kuye ihubo lokudumisa.
- 8 UNkulunkulu uyazibusa izizwe;  
uNkulunkulu uhlezi esihlalweni sakhe sobukhosi esingcwele.
- 9 Izikhulu zezizwe ziyaqoqana  
njengabantu bakaNkulunkulu ka-Abhrahama,  
ngoba amakhosi omhlaba angakaNkulunkulu;  
uphakeme kakhulukazi.

## Ihubo 48

Ingoma. Ihubo lamaDodana kaKhora.

- 1 Umkhulu uTHIXO, ufanele ngokuphindiweyo ukudunyiswa,  
emzini kaNkulunkulu wethu, intaba yakhe engcwele.
- 2 Muhle kakhulu ngokuphakama kwakhe,  
uyintokozo yomhlaba wonke.  
Njengeziqongo zeZafoni injalo intaba iZiyoni,  
umuzi weNkosi eNkulu.
- 3 UNkulunkulu usemithangaleni yawo;  
ubonisa ukuthi nguye oyinqaba yawo.
- 4 Kwathi lapho amakhosi ehlanganisa izimpi zawo,  
lapho ehlasela kanyekanye,  
5 awubona umuzi lo ethuka  
aphaphatheka esetshaywa luvalo.
- 6 Ahle athuthumela khonapho,  
ezwa ubuhlungu obuzwiwa ngowesifazane ehelelwa.
- 7 Wena wabatshabalalisa njengemikhumbi yaseThashishi  
ibhidlizwa ngumoya wempumalanga.
- 8 Lokho esikuzwileyo  
yikho esikubonileyo  
emzini kaTHIXO uSomandla,  
emzini kaNkulunkulu wethu:  
uNkulunkulu uzawuvikela lanini.
- 9 Phakathi kwethempeli lakho, Oh Nkulunkulu,  
siyacabanga ngothando lwakho olungaphuthiyo.
- 10 Njengebizo lakho, Oh Nkulunkulu,  
udumo lwakho lufika emikhawulweni yomhlaba;  
isandla sakho sokunene sigcwele ukulunga.
- 11 Intaba iZiyoni iyathokoza,  
imizi yakoJuda iyathaba  
ngezahlulelo zakho.
- 12 Hambahamba eZiyoni, ibhode,  
bala izilindo zayo eziphezulu,
- 13 nanzelela kuhle imithangala yayo,  
hlola izinqaba zayo,  
ukuze ukwazi ukulandisela

isizukulwane esizayo.

- 14 Ngoba uNkulunkulu lo nguNkulunkulu wethu nini lanini;  
uzakuba ngumholi wethu lasekupheleni.

## Ihubo 49

Kumqondisi wokuhlabela. ElamaDodana kaKhora. Ihubo.

- 1 Zwanini lokhu lina bantu lonke;  
lalelani, lonke elihlala kulo umhlaba,
- 2 abantukazana lezikhulu,  
abanothileyo labayanga ngokufanayo:
- 3 Umlomo wami uzakhuluma amazwi okuhlakanipha;  
amazwi aphuma enhliziyweni yami azanika ukuzwisisa.
- 4 Ngizabeka indlebe yami kuso isaga;  
ngechacho ngizaliqhaqha ilibho:
- 5 Ngingesabelani na nxa kufika insuku ezimbi,  
lapho abakhohlisi ababi bengihanqa,
- 6 labo abathembe inotho yabo  
abazitshaya isifuba ngenotho yabo enengi?
- 7 Kakho umuntu ongahlenga impilo yomunye  
kumbe amkhuphele inhlawulo kuNkulunkulu,
- 8 ngoba ukhlenga impilo yomuntu kuyadula,  
akulambhadalo engakwenelisa,
- 9 ukuze aphile kokuphela  
angaboni ukubola.
- 10 Phela bonke bayabona ukuthi izihlakaniphi ziyafa;  
ngokunjalo iziwula labasangeneyo bayabhubha  
batshiye inotho yabo kwabanye.
- 11 Amangcwaba abo ayizindlu zabo zanininini,  
yimizi yabo okwezizukulwane ezingapheliyo,  
lokuba nje basebeqambe iziqinti ngamabizo abo.
- 12 Kodwa umuntu, lokuba elenotho, kaphili kokuphela;  
unjengezinyamazana ezibhubhayo.
- 13 Lesi yisiphetho salabo abazithembayo bona,  
labalandeli babo, abavumelana labakutshoyo.
- 14 Njengezimvu bamiselwe ingcwaba,  
ukufa kuzazitika kubo.  
Abaqotho bazabusa phezu kwabo ekuseni;  
izidumbu zabo zizabola engcwabeni,  
- <sup>18</sup> Umdumo wakho wezwakala uphakathi kwesivunguzane,  
umbane wakho wawukhanyisa umhlaba;  
umhlaba wavevezela wanyikinyeka.
- <sup>19</sup> Indlela yakho yadabula olwandle,  
umkhondo wakho phakathi kwamanzi,  
kodwa izinyathelo zakho zazingabonakali.
- <sup>20</sup> Wabahola abantu bakho njengomhlambi wezimvu  
ngesandla sikaMosi lo-Aroni.

## Ihubo 78

*Ihubo ka-Asafu*

- <sup>1</sup> Zwanini imfundiso yami, bantu bami;  
lilalele amazwi omlomo wami.
- <sup>2</sup> Ngizavula umlomo wami ngemifanekiso,  
ngizakutsho izinto ezifihlekileyo, izinto zekadeni,
- <sup>3</sup> esakuzwayo lesikwaziyo  
esakutshelwa ngokhokho bethu.
- <sup>4</sup> Kasizukuzifihlela abantwana babo;

- sizasitshela isizukulwane esizayo  
 ngemisebenzi emangalisayo KATHIXO,  
 amandla akhe, lemimangaliso aseyzenzile.
- <sup>5</sup> Wamisela uJakhobe imithetho  
 wabeka umlayo ko-Israyeli,  
 walaya okhokho bethu  
 ukuthi bawufundise abantwababo,
- <sup>6</sup> ukuze aziwe yisizukulwane esilandelayo,  
 kanye labantwana abazazalwa,  
 kuthi labo batshele abantwababo.
- <sup>7</sup> Yikho-ke bazabeka ithemba labo kuNkulunkulu  
 njalo abasoze bakhohlwa izenzo zakhe  
 kodwa bagcine imilayo yakhe.
- <sup>8</sup> Kabayikuba njengabokhokho babo  
 ababeyisizukulwana esilobuqholo lesihlamukayo,  
 onhliziyo zabo zazingazinikelanga kuNkulunkulu  
 omoya yabo yayingathembekanga kuye.
- <sup>9</sup> Amadoda ako-Efrayimi, loba ayehlomile ngemitshoko,  
 afulathela mhla welanga lempi;
- <sup>10</sup> kabasigcinanga isivumelwano sikaNkulunkulu,  
 bala ukuphila ngomthetho wakhe.
- <sup>11</sup> Bakhohlwa lokho ayekwenzile,  
 izimanga ayebatshengise zona.
- <sup>12</sup> Wenza imimangaliso oyise bekhangele  
 elizweni laseGibhithe, esigodini saseZowani.
- <sup>13</sup> Walwahlukanisa ulwandle wabahola bachapha;  
 wenza amanzi ema aqina saka njengomduli.
- <sup>14</sup> Wabahola ngeyezi emini  
 njalo ngokukhanya komlilo ubusuku bonke.
- <sup>15</sup> Wawaqhekeza amadwala enkangala  
 wabapha amanzi amanengi njengolwandle;
- <sup>16</sup> wantshazisa impophoma emadwaleni amawa  
 wenza amanzi ageleza njengemifula.
- <sup>17</sup> Kodwa baqhubeka besona phambi kwakhe,  
 bamhlamukela enkangala yena oPhezukonke.
- <sup>18</sup> Bamlinga uNkulunkulu ngabomo  
 ngokucela ukudla ababekutshisekela.
- <sup>19</sup> Bamchothoza uNkulunkulu  
 besithi, “Kambe uNkulunkulu angendlala itafula lokudlela  
 enkangala na?”
- <sup>20</sup> Wathi lapho etshaya idwala,  
 amanzi antshantshaza,  
 kwageleza amanzi amanengi.  
 Kodwa angasipha njalo lokudla na?  
 Angabalethela inyama abantu bakhe na?”
- <sup>21</sup> UTHIXO wathi ebezwa wathukuthela kakhulu;  
 umlilo wakhe wavuthela kuJakhobe,  
 ulaka lwakhe lwaqina ku-Israyeli,
- <sup>22</sup> ngoba kabamkholwanga uNkulunkulu  
 njalo kabawathembanga amandla okuhlenga kwakhe.

- 23 Loba kunjalo walaya umkhathi ngaphezulu  
wavula iminyango yamazulu;
- 24 wanisa imana ukuthi badle abantu,  
wabapha amabele asezulwini.
- 25 Abantu badla isinkwa sezingilosi;  
wabathumela konke ukudla ababengakudla.
- 26 Wawukhulula umoya wempumalanga uvela emazulwini,  
wawukhulula umoya weningizimu ngamandla akhe.
- 27 Wanisela inyama kubo njengothuli,  
izinyoni eziphaphayo zaba njengetshebetshebe ogwini lolwandle.
- 28 Wazenza zehlela phakathi kwezihongo zabo,  
indawana yonke emathenteni abo.
- 29 Bazitika baze bakhangela,  
ngoba wayebaphe ababekade bekukhalela.
- 30 Kodwa  
bengakakutshiyi lokho kudla ababekukhalela belokhu  
besakunambitha emilonyeni yabo,
- 31 ulaka lukaNkulunkulu lwavutha kubo;  
wabulala zona iziqwabalanda zabo,  
wawahemula amajaha ako-Israyeli.
- 32 Phezu kwakho konke lokhu baqhubeka besona;  
phezu kwezimanga zakhe, kabazange bakholwe.
- 33 Ngakho wenza insuku zabo zaphelela ezeni  
njalo leminyaka yabo yagcwala ukwesaba.
- 34 Kwakusithi uNkulunkulu angababulala,  
bandinge; baphendukele kuye njalo ngokutshiseka.
- 35 Bakhumbula ukuthi uNkulunkulu wayelidwala labo,  
ukuthi uNkulunkulu oPhezukonke wayenguMhlengi wabo.
- 36 Kodwa-ke kwakuyikumyenga ngemilomo yabo,  
beqamba amanga kuye ngendimi zabo;
- 37 inhliziyo zabo zazingabambelelanga kuye,  
babengathembekanga esivumelwaneni sakhe.
- 38 Kodwa wayelesihawu;  
wazithethelela izono zabo  
kaze ababhubhisa.
- Isikhathi ngesikhathi waluthoba ulaka lwakhe  
akaze akuqubula konke ukuthukuthela kwakhe.
- 39 Wakhumbula ukuthi babeyinyama nje  
intshongolo eyedlulayo nje ingabe isabuya.
- 40 Kodwa ukuthi bamhlamukela kanengi njani enkangala,  
bamdabukisa egwaduleni!
- 41 Baphindaphinda ukulinga uNkulunkulu;  
bamthukuthelisa oNgcwele ka-Israyeli.
- 42 Kabawakhumbulanga amandla akhe  
usuku abakhulula ngalo kumncindezeli,
- 43 usuku lapho aveza khona izibonakaliso zakhe ezimangalisayo eGibhithe,  
izimanga zakhe esigodini saseZowani.
- 44 Waguqula imifula yabo yaba ligazi;  
behluleka ukunatha ezifuleni zabo.
- 45 Wathumela imihlambi yezibawu zabantinya,



- lamaxoxo ababhuyayo.
- 46 Amabele abo wawathela izintethe,  
izithelo zabo isikhongwane.
- 47 Wathintitha amavini abo ngesiqhotho  
lemikhiwa yabo yesikhamore wayitshazisa ngongqwaqwane.
- 48 Inkomo zabo wazithela ngesiqhotho,  
izifuyo zabo zadliwa yizikhatha zombane.
- 49 Wabathululela ulaka lwakhe oluvuthayo,  
intukuthelo yakhe, ukucunuka lenzondo  
ixuku lezingilosi ezibhubhisayo.
- 50 Wayilungisa indlela yolaka lwakhe;  
kabaphephisanga ekufeni  
kodwa wabanikela emikhuhlaneni.
- 51 Wawabulala wonke amazibulo aseGibhithe,  
izithelo zabo zokuqala zokuba ngamadoda emathenteni kaHamu.
- 52 Kodwa wabakhupha abantu bakhe njengomhlambi wezimvu;  
wabahola njengezimvu bedabula inkangala.
- 53 Wabakhokhela ngonanzelelo,  
ngakho babengesabi;  
kodwa ulwandle lwazigubuzela izitha zabo.
- 54 Kanjalo wabaletha emngceleni welizwe lakhe elingcwele,  
elizweni lamaqaqa ayelithethe ngesandla sakhe sokunene.
- 55 Wazixotsha izizwe phambi kwabo  
wabahlukanisela ilizwe lazo laba yilifa;  
wahlalisa izizwana zako-Israyeli emizini yazo.
- 56 Kodwa bamlinga uNkulunkulu,  
bamhlamukela oPhezukonke;  
kabayigcinanga imilayo yakhe.
- 57 Njengabokhokho babo babengathembekanga bengakholwa,  
ungeke wathemba njengedandili elenziwe kubi.
- 58 Bamvusa ulaka ngezindawo zabo eziphezulu;  
baqubula ubukhwele bakhe ngezithombe zabo.
- 59 Wathi uNkulunkulu ngokukuzwa lokho,  
wathukuthela kakhulu;  
wamlahla qobo lokumlahla u-Israyeli.
- 60 Walidela ithabanikeli lakhe eShilo,  
ithente ayelakhile phakathi kwabantu.
- 61 Umphongolo wakhe wamandla wawusa ekuthunjweni,  
inkazimulo yakhe ezandleni zesitha.
- 62 Abantu bakhe wabanikela ukudliwa yinkemba;  
wayethukuthele kakhulu ngelifa lakhe.
- 63 Umlilo waziqeda izinsizwa zabo,  
izintombi zabo zaswela izingoma zomtshado;
- 64 abaphristi babo babulawa ngenkemba,  
abafelokazi babo behluleka ukulila.
- 65 INkosi yasivuka njengokade esebuthongweni,  
njengomuntu ephaphama ekudakweni yiwayini.
- 66 Wazitshaya zahlehla izitha zakhe;  
waziyangisa okungapheliyo.
- 67 Khonapho-ke wawakhalala amathente kaJosefa,

- akaze asikhetha isizwana sika-Efrayimi;  
<sup>68</sup> kodwa wakhetha isizwana sikaJuda,  
 iNtaba iZiyoni ayeyithanda.  
<sup>69</sup> Wakha indlu yakhe engcwele njengeziqongo,  
 njengomhlaba awumisela ingunaphakade.  
<sup>70</sup> Wakhetha uDavida inceku yakhe  
 wamthatha ezilugwini zezimvu;  
<sup>71</sup> wamsusa ekweluseni izimvu  
 wamletha ukuba ngumelusi wabantu bakhe uJakhobe,  
 baka-Israyeli ilifa lakhe.  
<sup>72</sup> Njalo uDavida wabelusa ngobuqotho benhliziyo;  
 wabakhokhela ngesandla sobungcitshi.

## Ihubo 79

Ihubo lika-Asafi

- <sup>1</sup> Oh Nkulunkulu, izizwe sezilingenele ilifa lakho;  
 sezilingcolisile ithempeli lakho eligcwele,  
 iJerusalema isibhidliziwe yaba luthuli.  
<sup>2</sup> Izidumbu zezinceku zakho sebezilahlile  
 ukuba yikudla kwezinyoni zasemoyeni,  
 inyama yabangcwele bakho yaba yikudla kwezilo zelizwe.  
<sup>3</sup> Balichithile igazi njengamanzi  
 bahonqolozela ngalo iJerusalema,  
 kasekho ozangcwaba abafileyo.  
<sup>4</sup> Siyizinto zokuchothozwa kubomakhelwane bethu,  
 inhlekisa lokweyiswa yibo bonke esihlala labo.  
<sup>5</sup> Koze kube nini, Oh THIXO? Uzazonda kuze kube nininini na?  
 Koze kube nini ubukhwele bakho butshisa njengomlilo na?  
<sup>6</sup> Thululela intukuthelo yakho kulezozizwe  
 ezingakunanziyo,  
 ezingalibiziyo ibizo lakho  
<sup>7</sup> ngoba zimchithile uJakhobe  
 zalibhidliza ilizwe lakibo.  
<sup>8</sup> Ungawethesi thina umlandu wabokhokho;  
 sengathi isihawu sakho singeza masinyane ukuzasivikela,  
 ngoba sesisebunzimeni obubi.  
<sup>9</sup> Sisize, awu Nkulunkulu Msindisi wethu,  
 ngenxa yobukhosi bebizo lakho;  
 sikhulule uthethelele izono zethu,  
 ngenxa yebizo lakho.  
<sup>10</sup> Kungani izizwe zisithi,  
 “Ungaphi uNkulunkulu wabo?”

Yenza emehlweni ethu, kwaziwe phakathi kwezizwe  
 ukuthi uyaliphindisela igazi lezinceku zakho elachithwayo.

- <sup>11</sup> Sengathi ukububula kwezibotshwa kungafinyelela kuwe;  
 ngamandla engalo yakho sindisa labo abagwetshelwe ukufa.  
<sup>12</sup> Baphindisele kasikhombisa omakhelwane bethu  
 ngezinhlamba ababekuchaphaza ngazo, Thixo.  
<sup>13</sup> Kuzakuthi-ke thina abantu bakho,

izimvu zedlelo lakho, sikudumise laphakade;  
kusuka esizukulwaneni kusiya esizukulwaneni  
sizabalisa udumo lwakho.

## Ihubo 80

Kumqondisi wokuhlabela. Itshuni ethi, “Amaluba esiVumelwano.” Elika-Asafi. Ihubo.

- <sup>1</sup> Sizwe, Oh Malusi ka-Israyeli,  
wena okhokhela uJosefa njengomhlambi wezimvu;  
wena ohlezi esihlalweni sobukhosi  
uphahlwe ngamakherubhi,  
benyezela
- <sup>2</sup> phambi kuka-Efrayimi loBhenjamini loManase.  
Vusa amandla akho; woza usisindise.
- <sup>3</sup> Sivuselele, Oh Nkulunkulu;  
yenza ubuso bakho bukhanye phambi kwethu,  
ukuze sisindiswe.
- <sup>4</sup> Oh THIXO Nkulunkulu Somandla,  
koze kube nini ulaka lwakho luvutha  
phezu kwemikhuleko yabantu bakho?
- <sup>5</sup> Usubafunzile ngesinkwa sezinyembezi;  
ubenze banatha inyembezi ezigcwele umganu.
- <sup>6</sup> Ususenze saba yimbangela yengxabano kubomakhelwane bethu,  
lezitha zethu ziyasihleka.
- <sup>7</sup> Sivuselele, Oh Nkulunkulu Somandla;  
khanyisa ubuso bakho kithi,  
ukuze sisindiswe.
- <sup>8</sup> Waletha ivini ulisusa eGibhithe;  
wazixotsha izizwe waligxumeka,
- <sup>9</sup> walicentela indawo  
labamba emhlabathini lagcwala ilizwe.
- <sup>10</sup> Izintaba zagcwala umthunzi walo,  
imisedari emikhulu yathi silikici ngamagatsha alo.
- <sup>11</sup> Lakhulisa amagatsha alo anabela oLwandle,  
amahlumela alo afika kude eMfuleni.
- <sup>12</sup> Kungani na usudilize imiduli yalo  
ukuze bonke abedululayo baziqhululele izithelo zalo?
- <sup>13</sup> Ingulungunda ziyalivadlaza,  
lezidalwa zeganga zizitika ngalo.
- <sup>14</sup> Buya kithi, Oh Nkulunkulu Somandla!  
Khangela phansi usezulwini ubone!  
Nakekela ivini leli,  
<sup>15</sup> impande ehlanyelwe yisandla sakho sokunene,  
indodana ozondlele yona wena.
- <sup>16</sup> Ivini lakho seliqunyiwe, selitshiswe ngomlilo;  
ngokukhuza kwakho abantu bayabhubha.
- <sup>17</sup> Yeyamisa isandla sakho emuntwini ongakwesokunene kwakho,  
indodana yomuntu ozondlele yona.

- 18 Yikho asiyikukufulathela, sivuselele,  
ukuze sibize ibizo lakho.
- 19 Sivuselele, Oh THIXO Nkulunkulu Somandla;  
khanyisa ubuso bakho kithi,  
ukuze sisindiswe.

## Ihubo 81

Kumqondisi wokuhlabela. Ngendlela *yegithithi*. Elika-Asafi

- 1 Hlabelelani ngentokozo kuNkulunkulu ongamandla ethu;  
memezani kakhulu kuNkulunkulu kaJakhobe!
- 2 Qalisani ukuhlabela, tshayani isigubhu,  
khalisani ichacho elimnandi lomhubhe.
- 3 Khalisani uphondo lwenqama ekuThwaseni kweNyanga,  
lalapho inyanga isigcwele, ngelanga lomkhosi;
- 4 lesi yisimemezelo sika-Israyeli,  
umthetho kaNkulunkulu kaJakhobe.
- 5 Wakumisa njengesimiso kuJosefa  
lapho aphuma wavukela ilizwe leGibhithe,  
lapho ezwa khona ulimi esasingaluzwa.

Ngezwa ilizwi engingalaziyo lisithi:

- 6 “Ngawethula umthwalo emahlombe abo;  
izandla zabo zakhululwa engcebethwini.
- 7 Ekuhluphekeni kwenu lamemeza mina ngalikhulula.  
Ngaliphendula ngiphakathi komdumo weyezi;  
ngalilinga emanzini aseMeribha.
- 8 Zwanini, awu bantu bami, mina ngizalixwayisa  
aluba lingangilalela, Oh Israyeli!
- 9 Lingabi lonkulunkulu wezizweni phakathi kwenu;  
lingabokhothamela unkulunkulu ongaziwayo.
- 10 NGINGUTHIXO uNkulunkulu wenu,  
owalikhuphayo eGibhithe.  
Vulani kakhulu umlomo wenu ngizawugcwalisa.
- 11 Kodwa abantu bami kabangilalelanga;  
u-Israyeli wala ukungithobela.
- 12 Ngakho ngasengibayekela ngezinhliziyi zabo zobuqholo  
ukuthi balandele lokho abakufunayo.
- 13 Aluba abantu bami bengangilalela,  
aluba u-Israyeli engalandela izindlela zami,
- 14 masinyane nje ngingazibhuqa izitha zabo  
ngiphakamisele isandla sami ezitheni zabo!
- 15 Labo abamzondayo uTHIXO bangatshotshobala phambi kwakhe,  
kuthi isijeziso sabo sibe ngesaphakade.
- 16 Kodwa lina lingaphiwa ingqoloyi enhle kakhulu;  
ngilisuthise ngoluju oluphuma edwaleni.”

## Ihubo 82

Ihubo lika-Asafi

- <sup>1</sup> UNkulunkulu usesihlalweni emhlanganweni omkhulu;  
nguye owahlulelayo phakathi kwabo “nkulunkulu”:
- <sup>2</sup> “Koze kube nini livikela ababi na  
libonakala lithanda izigangi?”
- <sup>3</sup> Lamlelani ababuthakathaka lezintandane;  
melani amalungelo abayanga labahlukuluzwayo.
- <sup>4</sup> Lamlelani ababuthakathaka labaswelayo;  
bephuleni esandleni sababi.
- <sup>5</sup> Onkulunkulu kabazi lutho, kabazwisisi lutho.  
Bayantula emnyameni;  
zonke izisekelo zomhlaba zixukuxiwe.
- <sup>6</sup> Ngathi, ‘Lingo “nkulunkulu”;  
lonke lingamadodana akhe oPhezukonke.’
- <sup>7</sup> Kodwa lizakufa lingabantu nje;  
lizakuwa njengamanye amakhosi wonke.”
- <sup>8</sup> Phakama, Oh Nkulunkulu, yahlulela umhlaba,  
ngoba zonke izizwe ziyilifa lakho.

## Ihubo 83

Ingoma. Ihubo lika-Asafi.

- <sup>1</sup> Oh Nkulunkulu, ungathuli uthi zwi;  
ungangincitshi indlebe yakho,  
ungameli khatshana lami, Oh Nkulunkulu.
- <sup>2</sup> Akubone ukuthi ziphithizela kanjani izitha zakho,  
ukuthi ziwaqaphisa kanganani amakhanda azo.
- <sup>3</sup> Ngobuqili zakhela abantu bakho amacebo;  
zisongela labo obathembileyo.
- <sup>4</sup> Bathi, “Wozani kasibabhuge du njengesizwe,  
ukuze ibizo lika-Israyeli lingaphindi likhunjulwe.”
- <sup>5</sup> Nganhliziyonye bawakha amacebo ndawonye;  
bayahlangana beme ndawonye ukumelana lawe,
- <sup>6</sup> amathente ase-Edomi lama-Ishumayeli,  
awamaMowabi lawamaHagari,
- <sup>7</sup> amaGebhali, lama-Amoni lama-Amaleki,  
amaFilistiya labantu beThire.
- <sup>8</sup> Lama-Asiriya asebambene labo  
ukuqinisa izizukulwane zikaLothi.
- <sup>9</sup> Yenza kubo njengoba wenza eMidiyani,  
njengowakwenza kuSisera loJabhini emfuleni iKhishoni,
- <sup>10</sup> ababhubha e-Endo  
baba njengezibi emhlabathini.
- <sup>11</sup> Yenza izikhulu zabo zibe njengo-Orebhi loZebhi,  
wonke amakhosana abo abe njengoZebha loZalimuna,
- <sup>12</sup> abathi, “Kasiwathumbe  
amadlelo kaNkulunkulu.”

- 13 Benze babe njengenkunkuma, Oh Nkulunkulu wami,  
njengamakhoba ephetshulwa ngumoya.
- 14 Njengalokhu umlilo uhangula igusu  
kumbe ilangabi lilumathisa izintaba,
- 15 kanjalo basukele ngesivunguvungu sakho  
ubethuse ngesiphepho sakho.
- 16 Bahuqe ubuso babo ngehlazo  
ukuze abantu balidinge ibizo lakho, Oh THIXO.
- 17 Sengathi bangayangeka lanini badunyazwe;  
kungathi bangafa belehlazo.
- 18 Yenza bakwazi ukuthi wena, obizo lakho UNGUTHIXO  
ukuthi wena wedwa ungoPhezukonke emhlabeni wonke.

## Ihubo 84

Kumqondisi wokuhlabela. Ngendlela *yegithithi*. Elabantwana bakaKhora.  
Ihubo.

- 1 Yeka ubuhle bendlu yakho,  
Oh THIXO Somandla!
- 2 Umphefumulo wami uyalangazela, uze ungathi uyaphela,  
ngifuna amagama KATHIXO;  
inhliziyo yami lenyama yami  
kukhalela uNkulunkulu ophilayo.
- 3 Intaka layo ilizuzile ikhaya,  
lenkonjane isidleke sayo,  
lapho ingazalela khona abantwana bayo  
indawo eduze kwe-alithari lakho,  
Oh THIXO Somandla, Nkosi yami loNkulunkulu wami.
- 4 Babusisiwe labo abahlala endlini yakho;  
bahlala bekudumisa kokuphela.
- 5 Babusisiwe labo abalamandla abo akuwe  
asebebeke inhliziyo zabo ekulagiseni kuwe.
- 6 Bathi nxa bedabula esiGodini seBhaka  
basenze sibe yindawo yemithombo;  
izulu lekwindla lalo ligcwalise iziziba.
- 7 Ayakhula amandla abo ande,  
ngulowo lalowo aze aqhamuke kuNkulunkulu eZiyoni.
- 8 Zwana umkhuleko wami, Oh THIXO Nkulunkulu Somandla;  
akungilalele, Oh Nkulunkulu kaJakhobe.
- 9 Khangela isihlangu sethu, Oh Nkulunkulu;  
khangela ngomusa kogcotshiweyo wakho.
- 10 Lungcono usuku olulodwa emagumeni akho  
kulensuku eziyinkulungwane kwenye indawo;  
kungabangcono ngibe ngumlindimasango endlini kaNkulunkulu  
kulokuhlala emathenteni ababi.
- 11 Ngoba UTHIXO ulilanga lesihlangu;  
UTHIXO uyapha umusa lodumo;  
kancitshani langaluphi ulutho oluhle  
kulabo ozinyathelo zabo zingelansolo.

- 12 Oh THIXO Somandla,  
ubusisiwe umuntu owethemba kuwe.

## Ihubo 85

Kumqondisi wokuhlabela. Elamadodana kaKhora. Ihubo.

- 1 Ulithandile ilizwe lakho, Oh THIXO;  
uyibuyisile inhlanhla kaJakhobe.
- 2 Wazithethelela iziphambeko zabantu bakho  
wazisibekela zonke izono zabo.
- 3 Walubuyisela eceleni lonke ulaka lwakho  
wakufulathela ukuthukuthela kwakho okwesabekayo.
- 4 Sivuselele njalo, Oh Nkulunkulu Msindisi wethu,  
ukubeke khatshana ukukucunula kwethu.
- 5 Uzasizondela kuze kube phakade na?  
Uzalugcina ulaka lwakho kuzozonke izizukulwane na?
- 6 Kawuzukusivuselela na,  
ukuze abantu bakho bathokoze kuwe?
- 7 Sitshengise uthando lwakho olungaphuthiyo, Oh THIXO,  
usinike insindiso yakho.
- 8 Ngizalalela lokho uNkulunkulu uTHIXO azakutsho;  
uthembisa abantu bakhe ukuthula, abangcwele bakhe  
kodwa kabangabuyeli ebufebeni babo.
- 9 Ngempela insindiso iseduze kulabo abamesabayo,  
ukuze inkazimulo yakhe ihlale elizweni lethu.
- 10 Uthando lokuthembeka kuyahlangana ndawonye;  
ukulunga lokuthula kuyangana.
- 11 Ukuthembeka kuqhamuka emhlabathini,  
ukulunga kukhanya phansi kusezulwini.
- 12 Ngeqiniso uTHIXO uzanika okulungileyo,  
lelizwe lethu lizathela isivuno salo.
- 13 Ukulunga kuhamba phambi kwakhe  
kulungisele izinyathelo zakhe indlela.

## Ihubo 86

Umkhuleko kaDavida

- 1 Zwana, Oh THIXO, ungiphendule,  
ngoba ngingumyanga ngiyaswela.
- 2 Vikela impilo yami, ngoba ngizinikele kuwe;  
sindisa inceku yakho ekuthembayo;  
UnguNkulunkulu wami.
- 3 Woba lesihawu kimi, Oh Thixo,  
ngoba ngitshona ngikubiza ilanga lonke.
- 4 Letha ukuthokoza encekwini yakho,  
ngoba kuwe, Oh Thixo,  
ngiphakamisela umphefumulo wami.
- 5 Uyathethelela njalo ulungile, Oh Thixo,  
ugcwele uthando kulabo abakhuleka kuwe.
- 6 Zwana umkhuleko wami, Oh THIXO;  
lalela ukukhala kwami ngicela umusa.

- 7 Mhla ngiphakathi kokuhlupheka ngizakhala kuwe,  
ngoba uzangiphendula.
- 8 Phakathi kwabonkulunkulu kakho onjengawe, Oh Thixo;  
kakulazenzo ezingalinganiswa lezakho.
- 9 Zonke izizwe owazenzayo  
zizakuza zikhonze kuwe, Nkosi;  
zizaletha udumo ebizweni lakho.
- 10 Ngoba umkhulu njalo wenza imisebenzi emangalisayo;  
wena wedwa unguNkulunkulu.
- 11 Ngifundisa indlela yakho, Oh THIXO,  
ukuze ngihambe eqinisweni lakho;  
ngipha inhliziyi engaxamalazanga,  
ukuze ngilesabe ibizo lakho.
- 12 Ngizakudumisa, Nkosi Nkulunkulu wami,  
ngenhliziyi yami yonke;  
ngizalidumisa ibizo lakho laphakade.
- 13 Ngoba lukhulu uthando lwakho kimi;  
ungenyule ekujuleni kwendawo yabafuleyo.
- 14 Iziqholo ziyangihlasela, Oh Nkulunkulu  
iqembu lamadoda alesihluku lizingela impilo yami  
abantu abangakunanziyo wena.
- 15 Kodwa wena, Nkosi, unguNkulunkulu olozwelo, olobubelo,  
ophuza ukuzonda, owandayo ngothando lokuthembeka.
- 16 Phendukela ngakimi ube lesihawu kimi;  
veza amandla akho ngenceku yakho,  
ngisindise ngoba ngiyakukhonza,  
njengokwenziwa ngumama.
- 17 Ngipha isiboniso sokulunga kwakho,  
ukuze izitha zami zisibone ziyangeke,  
ngoba wena, Oh THIXO, usungisizile njalo wangiduduza.

## Ihubo 87

Elamadodana kaKhora. Ihubo. Ingoma.

- 1 Usakhile isisekelo sakhe entabeni engcwele;
- 2 UTHIXO uyawathanda amasango eZiyoni  
okudlula yonke imizi kaJakhobe.
- 3 Izinto ezinhle okumangalisayo ziyatshiwo ngawe,  
we muzi kaNkulunkulu:
- 4 “Ngizabalisa uRahabi leBhabhiloni  
phakathi kwalabo abathi bayangazi  
iFilistiya leThire, kanye leKhushi  
ngibe sengisithi, ‘Lo wazalelwa eZiyoni.’”
- 5 Ngempela kuzathiwa ngeZiyoni,  
“Lo laloyana bazalelwa khona,  
kuthi yena oPhezukonke uzaliqinisa.”
- 6 UTHIXO uzaloba eluhlwini lwamabizo abantu:  
“Lo wazalelwa eZiyoni.”



<sup>7</sup> Bazakuthi betshaya amachacho bahlabele bathi,  
 “Yonke imithombo yami ikuwe.”

## Ihubo 88

Ingoma. Ihubo lamadodana kaKhora. Kumqondisi wokuhlabela. Itshuni ethi, *Mahalathi leyanothi* (Ukuhlupheka lokuchukuluzwa) *Ihubo* likaHemani um’Ezira.

- <sup>1</sup> Oh THIXO, Nkulunkulu ongisindisayo,  
 ebusuku lemini ngikhala kuwe.
- <sup>2</sup> Akuthi umkhuleko wami ufinyelele kuwe;  
 phendula indlebe yakho izwe ukukhala kwami.
- <sup>3</sup> Ngoba umphefumulo wami ugcwele inhlupheko  
 lempilo yami isilengela engcwabeni.
- <sup>4</sup> Ngibalwa ndawonye lalabo asebesiya egodini;  
 senginjengendoda engelamandla.
- <sup>5</sup> Sengahlukaniselwe kwabafileyo,  
 lezidumbu ezilele engcwabeni,  
 wena ongasabakhumbuliyo njalo,  
 abangasekho kulabo obanakekelayo.
- <sup>6</sup> Usungifake egodini elitshona okudlulayo,  
 ekujuleni okumnyama bhuqe.
- <sup>7</sup> Intukuthelo yakho iyangeleka;  
 usungigalulisile ngawo wonke amagagasi akho.
- <sup>8</sup> Usungithathele abangane bami abasekhwapheni  
 wangenza ngaba lesidina kubo.  
 Ngivalelwe kangiselantuba;  
<sup>9</sup> amehlo ami asebona kalufifi ngenxa yosizi.
- Ngiyakubiza, Oh THIXO, insuku zonke;  
 ngiphakamisela izandla zami kuwe.
- <sup>10</sup> Izimanga zakho uyazitshengisa kwabafileyo na?  
 Kambe labo asebefile bangavuka bakudumise na?
- <sup>11</sup> Uthando lwakho luyamenyezela engcwabeni yini,  
 ukuthembeka kwakho endaweni yokuBhubha na?
- <sup>12</sup> Izimanga zakho ziyaziwa yini endaweni yobumnyama,  
 kumbe izenzo zakho zokulunga elizweni lokungabikho na?
- <sup>13</sup> Kodwa ngikhala kuwe ngoncedo, Oh THIXO;  
 ekuseni umkhuleko wami uyafika kuwe.
- <sup>14</sup> Kungani, awu THIXO, ungifulathela  
 ungifihlela ubuso bakho?
- <sup>15</sup> Kusukela ebutsheni bami ngavele ngahlupheka ngaba seduze lokufa;  
 ngiphethwe yikwesatshiswa nguwe, sengize ngidangele.
- <sup>16</sup> Intukuthelo yakho isingigabhele;  
 ukwesaba wena sekungiqedile.
- <sup>17</sup> Ilanga lonke kungihanqile njengesikhukhula;  
 sekungigalulisa nya.
- <sup>18</sup> Usungithathele abakhula bami lengibathandayo;  
 ubumnyama sebunguyena mngane wami oseduze.

## Ihubo 89

*Ihubo* lika-Ethani umEzira

- 1 Ngizahlabelela ngothando LUKATHIXO olukhulu lanininini;  
ngomlomo wami ngizakwenza ukuthembeka kwakho kwaziwe  
ezizukulwaneni zonke.
- 2 Ngizamemezela ukuthi uthando lwakho lumi luqinile laphakade,  
ukuthi ukuthembeka kwakho wakugxilisa ezulwini uqobo.
- 3 Wathi, "Sengenze isivumelwano lalowo okhethiweyo wami,  
sengifungile kuDavida inceku yami,
- 4 'Ngizawumisa umndeni wakho laphakade,  
ngisiqinise isihlalo sakho sobukhosi  
kuzozonke izizukulwane.' "
- 5 Amazulu ayazidumisa izimanga zakho, Oh THIXO,  
lokuthembeka kwakho emhlanganweni wabangcwele.
- 6 Phela ngubani ONJENGOTHIXO phakathi kwabaphilayo ezulwini na?  
Ngubani ONJENGOTHIXO phakathi kwabaphilayo ezulwini na?
- 7 Enhlanganisweni yabangcwele uNkulunkulu uyesatshwa kakhulu;  
uyesabeka kulabo bonke abahlezi laye.
- 8 Yebo THIXO Nkulunkulu Somandla, ngubani onjengawe na?  
Ulamandla, Oh THIXO, ukuthembeka kwakho kukuhonqolozele.
- 9 Uyabusa phezu kolwandle olugubhazelayo;  
lapho amavinqo alo equbuka, uyawathulisa.
- 10 Wamchoboza uRahabi njengomunye wababuleweyo;  
ngengalo yakho elamandla wazichitha izitha.
- 11 Ngawakho amazulu, ngowakho njalo lomhlaba;  
wawudala umhlaba lakho konke okukuwo.
- 12 Wayidala inyakatho kanye leningizimu;  
iThabhozi leHemoni zihlabelela ibizo lakho ngentokozo.
- 13 Ingalo yakho igcwele amandla;  
isandla sakho siqinile, esokunene siphakeme.
- 14 Ukulunga lokwahlulela kuhle yikho okuyinsika yesihlalo sakho  
sobukhosi;  
uthando lokuthembeka kuhamba phambili kwakho.
- 15 Babusisiwe labo asebekufundile ukukubabaza,  
abahamba ekukhanyeni kobukhona bakho, Oh THIXO.
- 16 Bayathokoza ngebizo lakho ilanga lonke;  
bayagubhazela ngokulunga kwakho.
- 17 Ngoba uyibukhosi babo lamandla abo,  
kuthi ngomusa wakho uphakamise uphondo lwethu.
- 18 Ngempela isihlangu sethu NGESIKATHIXO, iNkosi yethu  
Kuye oYedwa oNgcwele ka-Israyeli.
- 19 Endulo wakhuluma ngombono,  
ebantwini bakho abathembekileyo wathi:  
"Sengiwehlisele amandla phezu kweqhawe;  
sengiphakamise insizwa phakathi kwabantu.
- 20 Sengifumane uDavida inceku yami;  
ngamafutha ami angcwele sengingcobile.
- 21 Isandla sami sizamsekela;

- ngempela ingalo yami izamqinisa.
- 22 Akulasitha esizamncindezela ukuthi athele kuso;  
kakho umuntu omubi ozamncindezela.
- 23 Ngizazichoboza izitha zakhe phambi kwakhe  
ngibalahlele phansi abalwa laye.
- 24 Uthando lwami oluthembekileyo luzaba laye,  
ukuthi ngebizo lami luphakanyiswe uphondo lwakhe.
- 25 Ngizabeka isandla sakhe phezu kolwandle,  
isandla sakhe sokunene phezu kwemifula.
- 26 Uzamemeza kimi athi, 'UnguBaba,  
Nkulunkulu wami, iDwala elinguMsindisi wami.'
- 27 Njalo ngizamisa abe lizibulo lami,  
inkosi ephakeme ngaphezu kwawo wonke amakhosi omhlaba.
- 28 Ngizalugcina uthando lwami kuye laphakade,  
lesivumelwano sami laye kasiyikuphela.
- 29 Inzalo yakhe ngizayimisa nini lanini,  
lesihlalo sakhe sobukhosi kasiyikufa saphela.
- 30 Aluba amadodana akhe edela umlayo wami  
angalandeli izimiso zami,
- 31 nxa besephula izimemezelo zami  
behluleke ukugcina imiyalo yami,
- 32 ngizajezisa isono sabo ngoswazi,  
lesiphambeko sabo ngokubatshaya;
- 33 kodwa kangiyikulususa uthando lwami kuye,  
njalo kangisoze ngiguqule ukuthembeka kwami.
- 34 Kangiyikusephula isivumelwano sami  
kumbe ngiguqule lokho okuphume ezindebeni zami.
- 35 Ngavele ngafunga kanye ngobungcwele bami  
angiyikuqamba amanga kuDavida,
- 36 ukuthi inzalo yakhe izaqhubeka laphakade  
lesihlalo sakhe sobukhosi sizakuma phambi kwami njengelanga;
- 37 sizakuma laphakade njengenyanza,  
ufakazi othembekileyo yisibhakabhaka."
- 38 Kodwa usumalile, usumlahlile,  
ubumthukuthelela kakhulu ogcotshiweyo wakho.
- 39 Ususikhalele isivumelwano lenceku yakho  
wawubhucela othulini umqhele wakhe.
- 40 Usuyibhidlizile yonke imiduli yakhe,  
izingaba zakhe wazenza amanxiwa.
- 41 Bonke abedlula khona bamphangile;  
useyinhlekisa yabomakhelwane.
- 42 Usuphakamisile isandla sokunene sezitha zakhe;  
usuwenze zonke izitha zakhe zathokoza.
- 43 Uyibuyisele emuva inkemba yakhe ebukhali  
awaze wamsekela empini.
- 44 Usuyiqedile inkazimulo yakhe  
wadilizela phansi isihlalo sakhe sobukhosi.
- 45 Uluqumile lwaba lufitshane usuku lobutsha bakhe;  
usumembese ingubo yehlazo.

- 46 Koze kube nini, Oh THIXO? Uzazifihla kokuphela na?  
Koze kube nini ulaka lwakho luvutha njengomlilo?
- 47 Khumbula ukwedlula masinyane kwempilo yami.  
Ngoba wabadalela ize nje abantu!
- 48 Ngumuntu bani ongaphila angaze abona ukufa,  
loba azisindise emandleni eliba na?
- 49 Oh Thixo, lungaphi uthando lwakho lwakudala olukhulu,  
okwathi ngokuthembeka kwakho wafunga ngalo kuDavida?
- 50 Khumbula, Thixo ukuthi inceku yakho iklolodelwa njani,  
ukuthi enhliziyweni yami ngithwele izigcono zezizwe,
- 51 izigcono izitha zakho eziklolode ngazo, Oh THIXO,  
okuthe ngazo zaklolodela ogcotshiweyo wakho kukho konke akwen-  
zayo.

- 52 Udumo kalube kuTHIXO laphakade!  
Ameni njalo Ameni.

## Ugwalo 4

### 90

#### *AmaHubo 90 - 106*

Umkhuleko kaMosi umuntu kaNkulunkulu.

- 1 Thixo, wena ulikhaya lethu  
kuzozonke izizukulwane.
- 2 Izintaba zingakabikhona  
lalapho ungakawuvezi umhlaba kanye lelizwe,  
kusukela phakade kuze kube phakade unguNkulunkulu.
- 3 Ubuyisela abantu ethulini,  
usithi, "Buyelani othulini, lina madodana abantu."
- 4 Ngoba iminyaka eyinkulungwane ekuboneni kwakho  
injengosuku olusanda kudlula,  
kumbe njengomlindo webusuku.
- 5 Uyabakhucula abantu ebuthongweni bokufa;  
banjengotshani obutsha obekuseni
- 6 lokuba ekuseni buhluma bubutsha,  
kuthi ntambama sebomile sebubunile.
- 7 Ulaka lwakho luyasitshabalalisa  
sithuthumeliswe yikucaphuka kwakho.
- 8 Usubuchayile ububi bethu phambi kwakho,  
izonzo zethu zensitha wazichaya ekukhanyeni kobukhona bakho.
- 9 Zonke insuku zethu ziyedlula ngaphansi kolaka lwakho;  
leminyaka yethu siyiphetha ngokububula.
- 10 Ubude bezinsuku zethu buyiminyaka engamatshumi ayisikhombisa  
loba amatshumi ayisificaminwembili, nxa silamandla;  
kanti lelobanga layo liluhlupho losizi,  
ngoba iphanga yedlule, lathi siphaphe nje sedlule.
- 11 Ngubani owaziyo amandla olaka lwakho na?  
Ngoba intukuthelo yakho inkulu njengokwesatshwa okukufaneleyo.
- 12 Sifundise ukubala kuhle insuku zethu,  
ukuze sizuze inhliziyu yenhlakanipho.

- 13 Phola, Oh THIXO! Koze kube nini kulokhu kunjalo na?  
Woba lesihawu ezincekwini zakho.
- 14 Sisuthise ekuseni ngothando lwakho olungaphuthiyo,  
ukuze sihlabelele ngentokozo sijabule zonke insuku zethu.
- 15 Senze sijabule okwensuku ezilingana ukusihlupha kwakho,  
okwensuku ezilingana lalezo esesabona ngazo ukudubeka.
- 16 Sengathi imisebenzi yakho ingatshengiswa ezincekwini zakho,  
inkazimulo yakho ebantwaneni babo.
- 17 Sengathi umusa weNkosi uNkulunkulu wethu ungehlela kithi;  
uqinise umsebenzi wezandla zethu  
yebo, qinisa umsebenzi wezandla zethu.

## Ihubo 91

- 1 Lowo ohlala ekusithekeni koPhezukonke  
uzaphumula emthunzini kaSomandla.
- 2 Ngizakuthi kuTHIXO, “Uyisiphephelo sami lenqaba yami,  
uNkulunkulu wami, engithemba kuye.”
- 3 Ngempela uzakuphephisa  
emjibileni womthiyi  
lasesifeni esibi esibulalayo.
- 4 Uzakusibekela ngezinsiba zakhe,  
uzuze isiphephelo ngaphansi kwamaphiko akhe;  
ukuthembeka kwakhe kuzakuba yisihlangu sakho lenqaba yakho.
- 5 Awuyikwesaba umnyama wobusuku,  
loba umtshoko ontweza emini,
- 6 kumbe ingozi ehahabela emnyameni,  
kumbe umkhuhlane obhubhisayo emini enkulu.
- 7 Abazinkulungwane bangawa eceleni lakho;  
itshumi lezinkulungwane esandleni sakho sokunene,  
kodwa kakusoze kusondele kuwe.
- 8 Uzaphosa nje amehlo akho  
ubukele ubone ukujeziswa kwababi.
- 9 Ungenza oPhezukonke abe likhaya lakho  
yena uTHIXO oyisiphephelo sami
- 10 lapho-ke akulangozi engakuwela,  
akulamonakalo ozasondela ethenteni lakho.
- 11 Ngoba uzayala izingilosi zakhe ngawe  
zikulinde kuzozonke izindlela zakho;
- 12 zizakuphakamisa ezandleni zazo,  
ukuze ungakhubeki elitsheni.
- 13 Uzanyathela isilwane lephimpi;  
uzasigxoba isilwane esikhulu lenyoka.
- 14 “Ngoba uyangithanda,” kutsho uTHIXO, “ngizamkhulula;  
ngizamvikela, ngoba uyalinaka ibizo lami.
- 15 Uzangibiza, ngimphendule;  
ngizakuba laye ekuhluphekeni,  
ngizamkhulula ngimenzele udumo.
- 16 Ngizamsuthisa ngempilo ende

ngimtshengise insindiso yami.”

## Ihubo 92

Ihubo. Ingoma. Elosuku lweSabatha.

- 1 Kuhle ukudumisa UTHIXO  
lokuhlabelela ebizweni lakho, wena oPhezukonke,
- 2 ukumemezela uthando lwakho ekuseni  
lokuthembeka kwakho ebusuku,
- 3 ukutshaya iziginci ngomhubhe wezintambo ezilitshumi  
lemvungamo emnandi yechacho.
- 4 Ngoba uyangijabulisa ngezenzo zakho, Oh THIXO;  
ngihlala ngentokozo ngomsebenzi wezandla zakho.
- 5 Mikhulu kangaka imisebenzi yakho, Oh THIXO,  
izikile imicabango yakho!
- 6 Umuntu ongelangqondo akazi,  
iziwula kazizwisisi,
- 7 ukuthi loba ababi bemila njengotshani  
lezigangi zonke ziphumelela,  
zizabhujiswa nini lanini.
- 8 Kodwa wena THIXO, uphakeme laphakade.
- 9 Ngoba ngempela izitha zakho, Oh THIXO,  
ngempela izitha zakho zizabhubha;  
zonke izigangi zizachithizwa.
- 10 Uluphakamisile uphondo lwami njengolwenyathi;  
ngagcotshwa ngamakha amnandi.
- 11 Amehle ami abonile ukwehlulwa kwezitha zami;  
indlebe zami zizwile ngokuchithizwa kwezitha zami ezimbi.
- 12 Abalungileyo bazaqhela njengesihlahla selala,  
bazakhula njengomsedari waseLebhanoni;
- 13 ngoba behlanyelwe endlini KATHIXO,  
bazaqhela emagumeni kaNkulunkulu wethu.
- 14 Bazabe belokhu bethela izithelo lanxa sebedadala,  
bazahlala belokhu behluma beluhlaza,
- 15 bememezela besithi, “UTHIXO uqotho;  
uliDwala lami, kakukho bubi kuye.”

## Ihubo 93

- 1 UTHIXO uyabusa, ugqoke ubukhosi;  
UTHIXO ugqoke ubukhosi njalo uzihlome ngamandla.  
Umhlaba ugxilile uqinile; ngeke ugudlulwe.
- 2 Isihlalo sakho saqiniswa ekadeni;  
uNguwe kusukela phakade.
- 3 Inlwandle seziphakamisile, Oh THIXO,  
inlwandle ziliphakamisile ilizwi lazo;  
inlwandle ziwaphakamisile amagagasi azo agubhuzelayo.
- 4 Ngamandla adlula umdumo wamanzi amanengi,  
ngamandla adlula awokugubhuza kolwandle

uTHIXO ophezulu ulamandla.

- <sup>5</sup> Izimiso zakhe zimi ziqinile;  
ubungcwele bukhazimulisa indlu Yakho  
okwensuku ezingapheliyo, Oh THIXO.

## Ihubo 94

- <sup>1</sup> Oh THIXO, uNkulunkulu ophindiselayo,  
Oh Nkulunkulu ophindiselayo, khanya uvele.
- <sup>2</sup> Phakama, awu Mahluli womhlaba;  
baphindisele abazigqajayo ngokubafaneleyo.
- <sup>3</sup> Koze kube nini ababi, Oh THIXO,  
koze kube nini ababi beklamasa na?
- <sup>4</sup> Bathulula amazwi okukloloda;  
zonke izigangi zifuthelene ngokuzikhukhumeza.
- <sup>5</sup> Ziyabanyathezela abantu bakho, Oh THIXO;  
zincindezela ilifa lakho.
- <sup>6</sup> Zibulala umfelokazi kanye lowezizweni;  
zibulala intandane.
- <sup>7</sup> Zithi, “UTHIXO kaboni;  
uNkulunkulu kaJakhobe kananzi.”
- <sup>8</sup> Limukani, lina elingelangqondo phakathi kwabantu;  
lina ziphukuphuku, lizahlakanipha nini?
- <sup>9</sup> Yena lowo owayigxumekayo indlebe kezwa yini?  
Yena lowo owabumba ilihlo kaboni na?
- <sup>10</sup> Yena lowo oqondisa izizwe kajezisi yini?  
Yena lowo ofundisa umuntu kalalwazi na?
- <sup>11</sup> UTHIXO uyayazi imicabango yomuntu;  
uyayazi ukuthi iyize nje.
- <sup>12</sup> Ubusisiwe umuntu omqondisayo, Oh THIXO,  
umuntu omfundisa okomthetho wakho;
- <sup>13</sup> uyamphumuza ensukwini zokuhlupheka,  
kuze kuthi ababi bembelwe igodi.
- <sup>14</sup> Ngoba uTHIXO kazukwala abantu bakhe;  
kasoze lanini afulathele ilifa lakhe.
- <sup>15</sup> Ukwahlulela kuzaphinda njalo kumiswe ngokulunga,  
kuthi bonke abaqotho ngenhliziyo bakulandele.
- <sup>16</sup> Ngubani ozangimela ekulweni lababi na?  
Ngubani ozangelekelela ekulweni lezigangi na?
- <sup>17</sup> Aluba uTHIXO wayengangelulekanga,  
ngabe ngahle ngahlala ngathula zwi ekufeni.
- <sup>18</sup> Lapho ngasengisithi, “Unyawo lwami selutshelela,”  
uthando lwakho, Oh THIXO, lwangisekela.
- <sup>19</sup> Nxa ukunqineka kwase kungikhulela,  
induzo yakho yaletha intokozo emphefumulweni wami.
- <sup>20</sup> Kambe isihlalo sobukhosi esixhwalileyo singema lawe yini  
leso esiletha inhlupheko ngezimemezelo zaso?
- <sup>21</sup> Bayahlangana ukumelana labalungileyo

- ongelacala agwetshelwe ukufa.  
<sup>22</sup> Kodwa uTHIXO useyinqaba yami,  
 loNkulunkulu wami ulidwala engiphephela kulo.  
<sup>23</sup> Uzabaphindisela ngenxa yezono zabo  
 ababhubhise ngenxa yobubi babo;  
 uTHIXO uNkulunkulu wethu uzababhubhisa.

## Ihubo 95

- <sup>1</sup> Wozani sihlabelele ngentokozo kuTHIXO;  
 kasihlokomeni kamnandi kulo iDwala lokusindiswa kwethu.  
<sup>2</sup> Kasizeni phambi kwakhe ngokubonga  
 simdumise ngamachacho langengoma.  
<sup>3</sup> Ngoba uTHIXO unguNkulunkulu omkhulu,  
 iNkosi enkulu ngaphezu kwabonkulunkulu bonke.  
<sup>4</sup> Inziki zomhlaba zisezandleni zakhe,  
 leziqongo zezintaba ngezakhe.  
<sup>5</sup> Ngolwakhe ulwandle ngoba walwenza,  
 lezandla zakhe zawenza umhlaba owomileyo.  
<sup>6</sup> Wozani, kasikhothame simkhonze,  
 kasiguqe phambi KUKATHIXO uMenzi wethu;  
<sup>7</sup> ngoba unguNkulunkulu wethu,  
 thina singabantu bedlelo lakhe,  
 umhlambi awunakekelayo.  
 Lamhla, nxa lisizwa ilizwi lakhe,  
<sup>8</sup> lingazenzi lukhuni inhliziyo zenu njengoba lenzenjalo eMeribha,  
 njengelakwenza ngaleliyana ilanga eMasa enkangala,  
<sup>9</sup> lapho okhokho benu abangilinga khona  
 bengizama, lanxa babekubonile engakwenzayo.  
<sup>10</sup> Okweminyaka engamatshumi amane ngangisizondele lesosizukulwane;  
 ngathi, “Bangabantu onhliziyo zabo ziyahlanhlatha,  
 njalo kabazazanga izindlela zami.”  
<sup>11</sup> Ngakho ngamemezela ngesifungo ekuthukutheleni kwami  
 ngathi, “Kabayikungena ekuphumuleni kwami.”

## Ihubo 96

- <sup>1</sup> Hlabelani kuTHIXO ingoma entsha;  
 hlabelani kuTHIXO mhlaba wonke.  
<sup>2</sup> Hlabelani kuTHIXO, dumisani ibizo lakhe;  
 memezelani insindiso yakhe insuku ngezinsuku.  
<sup>3</sup> Fakazani ngobukhosi bakhe ezizweni zonke,  
 lemisebenzi yakhe emangalisayo phakathi kwabantu bonke.  
<sup>4</sup> Ngoba umkhulu uTHIXO, ufanele ukudunyiswa ngokuphindiweyo;  
 kumele esatshwe ngaphezu kwabonkulunkulu bonke.  
<sup>5</sup> Ngoba bonke onkulunkulu bezizwe bayizithombe,  
 kodwa uTHIXO wadala amazulu.  
<sup>6</sup> Inkazimulo lobukhosi kuphambi Kwakhe;  
 amandla lobukhosi kusendlini yakhe engcwele.  
<sup>7</sup> Mnikeni uTHIXO, lina zizukulwane zezizwe.



- Mnikeni UTHIXO ubukhosi lamandla.  
<sup>8</sup> Mnikeni UTHIXO udumo olufanele ibizo lakhe.  
 Lethani umnikelo libuye phambi kwakhe.  
<sup>9</sup> Mkhonzeni UTHIXO enkazimulweni yobungcwele bakhe;  
 thuthumelani phambi kwakhe mhlaba wonke.  
<sup>10</sup> Wothini phakathi kwezizwe, "UTHIXO uyabusa."  
 Umhlaba ugxilile, ungeke wagudluzwa;  
 uzabehlulela abantu ngokubafaneleyo.
- <sup>11</sup> Amazulu kawathokoze, lomhlaba ujabule;  
 ulwandle kaluhlokome, lakho konke okukulo;  
<sup>12</sup> amasimu kawathakazelele lakho konke okukuwo.  
 Lapho-ke izihlahla zonke zeganga zizahlabela ngentokozo;  
<sup>13</sup> phambi KUKATHIXO, ngoba uyeza,  
 uyeza ukuzakwahlulela umhlaba.  
 Uzakwahlulela umhlaba ngokulunga,  
 ahlulele abantu ngeqiniso.

## Ihubo 97

- <sup>1</sup> UTHIXO uyabusa, umhlaba kawuthokoze;  
 akuthi amakhumbi akude ajabule.  
<sup>2</sup> Amayezi lomnyama omkhulu kumsibekele;  
 ukulunga lokwahlulela kuhle kuyisisekelo sesihlalo Sakhe sobukhosi.  
<sup>3</sup> Umlilo uhamba phambi Kwakhe  
 uzihangule izitha zakhe inxa zonke.  
<sup>4</sup> Umbane wakhe ukhanyisa umhlaba;  
 umhlaba ukubone lokho uthuthumele.  
<sup>5</sup> Izintaba zincibilika njengengcino phambi KUKATHIXO,  
 phambi kweNkosi yomhlaba wonke.  
<sup>6</sup> Amazulu amemezela ukulunga kwayo,  
 labantu bonke bayayibona inkazimulo yayo.
- <sup>7</sup> Bonke abakhonza izifanekiso bathelwa ihlazo,  
 labo abazikhukhumeza ngezithombe  
 mkhonzeni, lonke lina bonkulunkulu!
- <sup>8</sup> IZiyoni iyezwa ithokoze  
 lemizi yakoJuda iyajabula  
 ngenxa yokwahlulela Kwakho, Oh THIXO.  
<sup>9</sup> Ngoba wena, Oh THIXO ungoPhezukonke kuwo wonke umhlaba;  
 uphakeme ngaphezulu kakhulu kwabonkulunkulu bonke.  
<sup>10</sup> Akuthi bonke abamthandayo, UTHIXO, bazonde okubi,  
 ngoba uyazilinda impilo zabathembekileyo bakhe  
 abakhulule esandleni sababi.  
<sup>11</sup> Ukukhanya kuyehliselwa kwabalungileyo  
 lentokozo kwabaqotho enhliziyweni.  
<sup>12</sup> Thokozani KUETHIXO lina elilungileyo,  
 lidumise ibizo lakhe elingcwele.

## Ihubo 98

- Ihubo  
<sup>1</sup> Hlabelelani UTHIXO ingoma entsha,  
 ngoba wenzile izinto ezimangalisayo;

isandla sakhe sokunene lengalo yakhe engcwele  
sekumenzele insindiso.

<sup>2</sup> UTHIXO useyenze yaziwa insindiso yakhe  
waveza ukulunga kwakhe ezizweni.

<sup>3</sup> Uselukhumbule uthando lwakhe  
lokuthembeka Kwakhe endlini ka-Israyeli;  
yonke imikhawulo yomhlaba  
iyibonile insindiso kaNkulunkulu wethu.

<sup>4</sup> Hlokomani ngentokozo kuTHIXO, mhlaba wonke,  
hlabelani ingoma ngokujabula okukhulu,  
litshaya amachacho;

<sup>5</sup> yenzani umsindo kuTHIXO ngomhubhe,  
ngomhubhe langomsindo wokuhlabela,

<sup>6</sup> ngamacilongo langomsindo wophondo lwenqama  
hlokomani ngentokozo phambi KUKATHIXO, iNkosi.

<sup>7</sup> Akuthi ulwandle luhlokome, lakho konke okuphakathi kwalo,  
umhlaba labo bonke abahlala kuwo.

<sup>8</sup> Akuthi imifula iqakeze izandla zayo,  
akuthi izintaba zihlabele kanyekanye ngentokozo;

<sup>9</sup> kazihlabele phambi KUKATHIXO,  
ngoba Uyeza ukuzakwahlulela umhlaba.

Uzakwahlulela umhlaba ngokulunga  
labantu bonke ngokufaneleyo.

## Ihubo 99

<sup>1</sup> UTHIXO uyabusa,  
izizwe kazithuthumele;  
uhlezi esihlalweni sobukhosi phakathi kwamakherubhi,  
umhlaba kawuzamazame.

<sup>2</sup> Mkhulu UTHIXO eZiyoni;  
uphakeme ngaphezu kwezizwe zonke.

<sup>3</sup> Kabadumise ibizo Lakho elikhulu elesabekayo  
Yena ungcwele.

<sup>4</sup> INkosi ilamandla, ithanda ukwahlulela okuhle  
umisile ukwaba ngemfanelo;  
kuJakhobe usuwenzile okuqondileyo lokulungileyo.

<sup>5</sup> Dumisani UTHIXO uNkulunkulu wethu  
likhonze phansi kwesihlalo sakhe;  
yena ungcwele.

<sup>6</sup> UMosi lo-Aroni babephakathi kwabaphristi bakhe,  
uSamuyeli wayekulabo ababelibiza ibizo lakhe;  
bambiza UTHIXO  
Yena wabaphendula.

<sup>7</sup> Wabakhulumisa ephakathi kwensika yeyezi;  
bagcina izimiso zakhe lezimemezelo azitshoyo kubo.

<sup>8</sup> Oh THIXO Nkulunkulu wethu,  
wabaphendula;  
ku-Israyeli wawunguNkulunkulu othethelelayo,

lanxa wabajezisa ngenxa yezenzo zabo ezimbi.

- <sup>9</sup> Phakamisani uTHIXO uNkulunkulu wethu,  
limkhonze entabeni yakhe engcwele,  
ngoba uTHIXO uNkulunkulu wethu ungcwele.

## Ihubo 100

Ihubo. Elokubonga.

- <sup>1</sup> Hlokomani ngentokozo kuTHIXO, mhlaba wonke.  
<sup>2</sup> Mkhonzeni uTHIXO ngenjabulo;  
wozani phambi Kwakhe ngezingoma zokuthokoza.  
<sup>3</sup> Yazini ukuthi uTHIXO unguNkulunkulu.  
Nguye owasenzayo,  
singabantu bakhe, izimvu zedlelo lakhe.  
<sup>4</sup> Ngenani emasangweni akhe ngokubonga  
lemagumeni akhe ngokudumisa;  
mbongeni lidumise ibizo lakhe.  
<sup>5</sup> Ngoba uTHIXO ulungile lothando lwakhe lumi kuze kube phakade;  
ukuthembeka kwakhe kumi kuzozonke izizukulwane.

## Ihubo 101

ElikaDavida. Ihubo.

- <sup>1</sup> Ngizahlabelela ngothando lwakho lokwahlulela kwakho okuhle;  
kuwe, Oh THIXO, ngizahlabelela indumiso.  
<sup>2</sup> Ngizananzelela ukuthi ngiphile impilo engasolekiyo  
uzakuza nini kimi na?

Ngizahamba endlini

yami ngenhliziyo engasolekiyo.

- <sup>3</sup> Phambi kwamehlo ami  
angiyikubeka lutho olungcolileyo.

Izenzo zabantu abangakholwayo ngiyazizona;  
kazizukunginamathela.

- <sup>4</sup> Abantu abalenziziyo exhwalileyo bazakuba khatshana lami;  
angiyikuhambelana lobubi.

<sup>5</sup> Lowo ochotoza umakhelwane wakhe ngasese,  
lowo ngizamthulisa;  
olamehlo asesiphundu lenhliziyo ezigqajayo,  
lowo kangilasikhathi laye.

<sup>6</sup> Amehlo ami azakuba kwabathembekileyo elizweni,  
ukuthi bahlale lami;  
lowo okuhamba kwakhe kakulansolo  
uzangisebenzela ekhonza kimi.

<sup>7</sup> Kakho othanda ukwenza inkohliso  
ozahlala endlini yami;  
kakho okhuluma amanga  
ozakuma phambi kwami.

<sup>8</sup> Zonke insuku ekuseni ngizabathulisa

bonke ababi phakathi kwelizwe;  
ngizamlahla phansi wonke umuntu oyisigangi  
edolobheni LIKATHIXO.

## Ihubo 102

Umkhuleko womuntu okhathazekileyo. Lapho esephela umoya eseqhinqa isililo phambi KUKATHIXO.

- <sup>1</sup> Zwana umkhuleko wami, Oh THIXO;  
ukukhala kwami ngicela uncedo kakufike kuwe.
- <sup>2</sup> Ungangifihleli ubuso bakho  
nxa ngikhathazekile.  
Ngipha indlebe yakho;  
nxa ngibiza ngiphendula masinyane.
- <sup>3</sup> Ngoba insuku zami ziyanyamalala njengentuthu;  
amathambo ami ayavutha njengamalahle abhebhayo.
- <sup>4</sup> Inhliziyo yami yonakele, ibunile njengotshani;  
ngiyakhohlwa ukudla kwami.
- <sup>5</sup> Ngenxa yokububula kwami okukhulu sengiphelile,  
isikhumba sesinamathela emathanjeni.
- <sup>6</sup> Sengifana lesikhova senkangala,  
njengesikhova semanxiweni.
- <sup>7</sup> Ngilala ngikhangele;  
senginjengenyoni ehlezi yodwa ephahleni.
- <sup>8</sup> Ilanga lonke izitha zami ziyangichukuluza;  
labo abangichothozayo badlala ngebizo lami njengesethuko.
- <sup>9</sup> Ngoba ngidla umlotha njengokudla kwami,  
ngixube okunathwayo kwami ngezinyembezi
- <sup>10</sup> ngenxa yokuthukuthela kwakho okukhulu,  
ngoba ungiqukule wangilahlela eceleni.
- <sup>11</sup> Insuku zami zifana lesithunzi sakusihlwa;  
ngiyabuna njengotshani.
- <sup>12</sup> Kodwa wena, Oh THIXO, uhlezi ebukhosini lanininini;  
udumo lwakho lumi ezizukulwaneni zonke.
- <sup>13</sup> Uzaphakama uzwele iZiyoni isihawu,  
ngoba sekuyisikhathi sokutshengisa umusa kuyo,  
isikhathi esimisiweyo sesifikile.
- <sup>14</sup> Ngoba amatshe ayo aligugu ezincekwini zakho;  
othuli lwayo nje lubaethela usizi.
- <sup>15</sup> Izizwe zizalesaba ibizo LIKATHIXO,  
wonke amakhosi omhlaba azahlonipha inkazimulo yakhe.
- <sup>16</sup> Ngoba UTHIXO uzayakha kutsha iZiyoni  
avele enkazimulweni yakhe.
- <sup>17</sup> Uzaphendula imikhuleko yabahluphekayo;  
kazukweyisa isicelo sabo.
- <sup>18</sup> Lokhu kakulotshwe phansi kube ngokwesizukulwane sakusasa,  
ukuze abantu abangakadalwa bamdumise UTHIXO :
- <sup>19</sup> "UTHIXO wakhangela phansi ephezulu endlini yakhe engcwele,  
esezulwini wawuhlola umhlaba,
- <sup>20</sup> ukuze ezwe ukububula kwezibotshwa

- lokukhulula labo ababegwetshelwe ukufa.”
- 21 Ngalokho-ke ibizo LIKATHIXO lizamenyezelwa eZiyoni  
lodumo lwakhe eJerusalema,
- 22 lapha izizwe lemibuso  
sekuhlangana ndawonye ukukhonza uTHIXO.
- 23 Wawanciphisa amandla ami ngisaphila;  
waziphungula insuku zami.
- 24 Yikho ngasengisithi,  
“Ungangithathi, Oh Nkulunkulu wami,  
ngilokhu ngisephakathi kwensuku zami;  
iminyaka yakho ihlala ikhona ezizukulwaneni zonke.
- 25 Ekuqaleni wabeka izisekelo zomhlaba,  
lamazulu angumsebenzi wezandla zakho.
- 26 Konke kuzabhubha, kodwa wena uzasala;  
konke kuzaguga njengesigqoko.  
Njengesivunulo uzakuguqula  
kucine sekulahlwa.
- 27 Kodwa wena uhlala unjalo,  
leminyaka yakho kayiyikuphela.
- 28 Abantwana bezinceku zakho bazahlala besemehlweni akho;  
izizukulwane zazo zizaqiniswa phambi kwakho.”

## Ihubo 103

ElikaDavida.

- 1 Dumisa uTHIXO, Oh mphefumulo wami;  
konke okuphakathi kwami,  
kakudumise ibizo lakhe elingcwele.
- 2 Dumisa uTHIXO, Oh mphefumulo wami,  
ungaze wakhohlwa konke okuhle okuthola kuye
- 3 othethelelayo zonke izono zakho  
akusilise kuzozonke izifo zakho,
- 4 ohlenga impilo yakho egodini  
akwethese uthando lesihawu,
- 5 osuthisa izifiso zakho ngezinto ezinhle  
ukuze ubutsha bakho buvuselelwe njengengqungqulu.
- 6 UTHIXO ubenzela ukulunga  
lokwahlulela okuhle labo abancindezelweyo.
- 7 Izindlela zakhe wazazisa uMosi,  
izenzo zakhe wazazisa abantu bako-Israyeli;
- 8 UTHIXO ulesihawu njalo ulomusa,  
uyaphuza ukuthukuthela, kodwa uyanda ngothando.
- 9 Kahlali ebeka imilandu  
futhi kagcini ulaka lwakhe kokuphela;
- 10 kasiphathi ngokufanele izono zethu  
kumbe asijeze ngokulingene iziphambeko zethu.
- 11 Ngoba njengokuphakama komkhathi ngaphezu komhlaba,  
lukhulu kangako uthando lwakhe kulabo abamesabayo;
- 12 njengobukhatshana bempumalanga kuyo intshonalanga  
kanjalo ususile iziphambeko zethu kithi.

- 13 Ngendlela ubaba elozwelo ebantwaneni bakhe,  
kanjalo uTHIXO ulozwelo kulabo abamesabayo;
- 14 ngoba uyakwazi ukuthi sibunjwe njani,  
uyakhumbula ukuthi siluthuli.
- 15 Umuntu yena insuku zakhe zinjengotshani,  
ukhula amemetheke njengembali yeganga;
- 16 umoya uyayiphephetha ihle inyamalale,  
indawo yakhe ingabe isayikhumbula lanini.
- 17 Kodwa kusukela phakade kusiya phakade  
uthando LUKATHIXO lukulabo abamesabayo,  
lokulunga Kwakhe ebantwaneni babantwana
- 18 kulabo abagcina isivumelwano Sakhe  
njalo bakhumbule ukulalela izimiso zakhe.
- 19 UTHIXO usemisile isihlalo sakhe sobukhosi ezulwini,  
njalo ubukhosi bakhe buphezu kwakho konke.
- 20 Dumisani uTHIXO, lina zingilosi,  
lina zinceku zakhe elenza intando yakhe,  
elilalela ilizwi lakhe.
- 21 Dumisani uTHIXO, lonke mabutho akhe asezulwini,  
lina zinceku zakhe elenza intando yakhe.
- 22 Dumisani uTHIXO, imisebenzi yakhe yonke  
ezindaweni zonke embusweni wakhe.

Dumisa uTHIXO, Oh mphefumulo wami.

## Ihubo 104

1 Dumisa uTHIXO, Oh mphefumulo wami.

Oh THIXO Nkulunkulu wami, umkhulu kakhulu;  
ugqoke inkazimulo lobukhosi.

- 2 Uyazigoqela ngokukhanya kungathi njengesivunulo;  
amazulu uyawelula njengethente
- 3 anqumise intungo zezindlu zangaphezulu zilale phezu kwamanzi.  
Wenza amayezi inqola yakhe yamabhiza,  
undiza ngezimpiko zomoya.
- 4 Wenza izikhatha zomoya zibe yizithunywa zakhe,  
amalangabi omlilo izinceku zakhe.
- 5 Wawugxilisa umhlaba ezisekelweni zawo;  
ungeke wagudlulwa.
- 6 Wawembesa ngolwandle njengesivunulo;  
amanzi ema ngaphezu kwezintaba.
- 7 Kodwa wathi ngokukhwaza amanzi abaleka,  
ngomsindo wokuduma kwakho asibathela;
- 8 ageleza phezu kwezintaba,  
ehlela ezigodini  
endaweni owamisele kuyo.
- 9 Wamisa umkhawulo angeke aweqeqe;  
kasayikubuya awugubuzele njalo umhlaba lanini.

- 10 Wenza imithombo impompozele amanzi ezindongeni;  
ageleza phakathi kwezintaba,
- 11 zipha amanzi kuzozonke izinyamazana zeganga;  
labobabhemi beganga bacitsha lapho ukoma.
- 12 Izinyoni zomoya zakhela eduze kwamanzi;  
ziyatshiloza phakathi kwezingatsha.
- 13 Uyazithelezela izintaba esezindlini zakhe eziphezulu;  
umhlaba uyawusuthisa ngezithelo zomsebenzi wakhe.
- 14 Umilisela inkomo utshani,  
ahlanyecele abantu bona bahlakule  
kuzuzakale ukudla emhlabathini:
- 15 iwayini elijabulisa inhliziyo yomuntu,  
amagcobo enza ubuso bakhe bukhazimule,  
lesinkwa esilulamisa inhliziyo yakhe.
- 16 Izihlahla zIKATHIXO ziyathelelwa okwaneleyo,  
imisedari yeLebhanoni ayihlanyelayo.
- 17 Izinyoni zakhela kuyo izidleke zazo;  
ingabuzane lakha indlu yalo ezihlahleni zephayini.
- 18 Izintaba eziphakemeyo ngezamagogo,  
amawa ayisiphephelo sezimbila.
- 19 Inyanga yehlukanisa izibanga zomnyaka,  
lelanga liyazi ukuthi litshona nini.
- 20 Uletha umnyama, kube sebusuku,  
lapho zonke izinyamazana zeganga zizingele.
- 21 Izilwane ziyabhonga zifuna inyama yazo  
zidinga ukudla kwazo kuNkulunkulu.
- 22 Ilanga liyaphuma, zibe sezicatsha;  
ziyabuyela ezikhundleni zazo zilale.
- 23 Umuntu abe esephuma aye emsebenzini wakhe,  
ayotshikatshika kuze kube ntambama.
- 24 Minengi kanganani imisebenzi yakho, Oh THIXO!  
Zonke wazenza ngenhlakanipho;  
umhlaba ugcwele izidalwa zakho.
- 25 Nantuyana ulwandle, uthwaca olungakaya,  
olunyakazela ngezidalwa ezingelakubalwa  
izinto eziphilayo ezinkulu lezincinyane.
- 26 Kulapho imikhumbi endenda khona isiyale lale,  
loleviyathani, isilo owasenza ukuthi sidlale khona.
- 27 Zonke lezi zikhangele kuwe  
 amehlo abo abhadiwe ukuze bangaboni  
 lezingqondo zabo zivalekile ukuze bangaqedisisi.
- 19 Kakho oke ame acabange,  
 kakho olokwazi loba ukuzwisisa ukuba athi,  
 "Ingxenye yazo ngabasa ngayo umlilo;  
 ngaze ngabhekha izinkwa emalahleni awo,  
 ngosa inyama ngayidla.  
 Ngokuseleyo ngizakwenza into enengisayo na?

Ngizasikhothamela na isigodo nje?"

20 Udla umlotha, inhliziyo ekhohlisekileyo iyamlehla,  
angeke azihlengi, kumbe athi,  
"Into le esesandleni sami sokudla kayisimanga na?"

21 "Khumbula lezizinto, wena Jakhobe,  
ngoba uyinceku yami, wena Israyeli.

Ngakubumba, uyinceku yami;  
wena Israyeli, angiyikukukhohlwa.

22 Ngesule iziphambeko zakho njengeyezi,  
ngesula izono zakho njengenkungu yekuseni.  
Buyela kimi,  
ngoba ngikuhlengile."

23 Hlabelelani ngentokozo, lina mazulu,  
ngoba UTHIXO usekwenzile lokhu;  
hlaba umkhosi, wena mhlaba ngaphansi.

Tshayani ingoma lina zintaba,  
lina mahlathi lazozonke izihlahla zenu,  
ngoba UTHIXO usemhlengile uJakhobe,  
ubonakalisa udumo lwakhe ko-Israyeli.

### *Kuzahlalwa EJerusalema*

24 "Nanku akutshoyo UTHIXO,  
uMhlengi wakho, owakubumbayo esiswini:

Mina NGINGUTHIXO,  
owenza izinto zonke,  
owenza amazulu eyedwa,  
owendlala umhlaba eyedwa,  
25 ofubisa izibonakaliso zabaphrofethi bamanga,  
enze izanuse zibe yizithutha,  
ochitha ulwazi lwezihlakaniphi  
alwenze lube yibuthutha,  
26 ofeza amazwi ezinceku zakhe  
aphelelise amacebo ezithunywa zakhe.

Athi kulo iJerusalema, 'Kuzahlalwa kulo,'  
ngamadolobho akoJuda athi, 'Azakwaxhiwa.'  
Ngamanxiwa awo uthi, 'Ngizawavusa,'

27 athi enzikini yamanzi, 'Cima,  
ngizakomisa izifula zakho,'

28 athi ngoKhurosi, 'Ungumelusi wami,  
uzafeza konke engikufunayo;  
uzakuthi ngeJerusalema, "Kalaxhiwe futhi,"  
ngethempeli athi, "Izisekelo zalo kazaxhiwe." ' ' "

## 45

1 "Nanku akutshoyo UTHIXO kogcotshiweyo wakhe,  
uKhurosi, engibamba isandla sakhe sokudla  
ukuba ngingqobe izizwe eziphambi kwakhe,

- ngithathele amakhosi izihlangu zawo,  
 ngivule iminyango phambi kwakhe  
 ukuze amasango angavaleki:
- <sup>2</sup> Ngizahamba phambi kwakho  
 ngenze izintaba zendlaleke.  
 Ngizadiliza amasango ethusi,  
 ngifohle emigoqweni yensimbi.
- <sup>3</sup> Ngizakupha inotho yobumnyama,  
 lenotho egcinwe ezindaweni ezifihlakeleyo  
 ukuze wazi ukuthi mina NGINGUTHIXO,  
 uNkulunkulu ka-Israyeli, okubiza ngebizo.
- <sup>4</sup> Ngenxa kaJakhobe inceku yami,  
 lo-Israyeli okhethiweyo wami,  
 ngikubiza ngebizo  
 ngikunike ibizo lokuhlonipha,  
 lanxa wena unganginakanga.
- <sup>5</sup> Mina NGINGUTHIXO, njalo kakho omunye;  
 ngaphandle kwami akulaNkulunkulu.  
 Ngizakuqinisa,  
 lanxa wena unganginakanga,
- <sup>6</sup> ukuze kuthi kusukela empumalanga  
 kusiya entshonalanga,  
 abantu bakwazi ukuthi kakho omunye ngaphandle kwami.  
 Mina NGINGUTHIXO, njalo kakho omunye.
- <sup>7</sup> Ngenza ukukhanya njalo ngidale umnyama,  
 ngiletha ukuphumelela njalo ngidale incithakalo;  
 mina THIXO ngiyazenza zonke lezizinto.
- <sup>8</sup> Lina mazulu angaphezulu, nisani ukulunga;  
 amayezi kawakuthululele phansi.  
 Umhlaba kawuvuleke kabanzi  
 kuhlume ukusindiswa,  
 ukulunga akukhule lakho;  
 mina, UTHIXO, ngikudalile.
- <sup>9</sup> Maye kulowo ophikisa uMdali wakhe,  
 kulowo oludengezi nje  
 phakathi kwendengezi emhlabathini.  
 Ibumba liyatsho na kumbumbi lithi,  
 'Kuyini okubumbayo?'
- Umsebenzi wakho uyatsho na uthi,  
 'Kalazandla?'
- <sup>10</sup> Maye kulowo othi kuyise,  
 'Kuyini owakuzalayo?'
- loba athi kunina,  
 'Kuyini owakubelethayo?'
- <sup>11</sup> Nanku okutshiwo NGUTHIXO,  
 oNgcwele ka-Israyeli, loMdali wakhe uthi:  
 Mayelana lezinto ezizayo,  
 uyangibuza ngabatwabami na,  
 loba uyangilawula emsebenzini engiwenzayo na?



- 12 Yimi engadala umhlaba,  
 ngenza labantu abahlala kuwo.  
 Ezami izandla yizo ezananabula amazulu;  
 ngahlela amaxuku ezinkanyezi zawo.
- 13 Ngizamvusa uKhurosi ngokulunga kwami,  
 ngenze izindlela zakhe zonke ziqonde.  
 Uzalakha futhi idolobho lami,  
 akhulule abami abaxotshwayo elizweni,  
 kodwa kungekho nhlawulo kumbe umvuzo,  
 kutsho UTHIXO uSomandla.”
- 14 Nanku akutshoyo UTHIXO:  
 “Izithelo zaseGibhithe lempahla ethengiswayo yaseKhushi  
 lamaSebhina lawana amade,  
 bazakuza kuwe  
 babengabakho,  
 bazakhasabula ngemva kwakho,  
 beze kuwe bebotshwe ngamaketane.  
 Bazakukhothamela  
 bakuncenge besithi,  
 ‘Ngempela uNkulunkulu ulawe, kakho omunye,  
 kakho omunye uNkulunkulu.’ ”
- 15 Ngeqiniso unguNkulunkulu ozifihlayo,  
 Nkulunkulu loMsindisi ka-Israyeli.
- 16 Bonke ababaza izithombe bazayangiswa badumazeke;  
 bonke bazahamba beyangekile.
- 17 Kodwa u-Israyeli uzasindiswa NGUTHIXO  
 ngensindiso engapheliyo;  
 kaliyikuyangiswa kumbe libe lehlazo  
 kuze kube nininini.
- 18 Ngoba nanku okutshiwo NGUTHIXO  
 yena owadala amazulu,  
 unguNkulunkulu,  
 yena owabumba umhlaba wawenza,  
 wawusekela;  
 kawudalanga ukuba ungabi lalutho,  
 kodwa wawenza ukuba kuhlalwe kuwo,  
 uthi:  
 “Mina NGINGUTHIXO,  
 kakho omunye.
- 19 Angikhulumanga ensitha  
 kwenye indawo elizweni lomnyama;  
 angizange ngithi kuzizukulwane zikaJakhobe,  
 ‘Ngidingani lingangitholi.’  
 Mina THIXO ngikhuluma iqiniso;  
 ngitsho okuqotho.
- 20 Qoqanani ndawonye lize kimi;  
 buthanani lina elabaleka ezizweni.  
 Labo abahamba bethwele izithombe zezigodo kabazi lutho;  
 labo abakhuleka kubonkulunkulu abangeke babasize.”
- 21 Memezelani okufanele kube yikho, likubike,

kabemukele izeluleko ndawonye.  
 Ngubani owabika lokhu endulo,  
 ngubani owamemezela ngakho kudala le?  
 Kwakungayisimi mina THIXO na?  
 Njalo kakho uNkulunkulu ngaphandle kwami,  
 uNkulunkulu olungileyo onguMsindisi;  
 kakho omunye, yimi kuphela.

22 “Phendukelani kimi lisindiswe,  
 lonke lina mikhawulo yomhlaba;  
 ngoba mina nginguNkulunkulu,  
 njalo kakho omunye.

23 Ngifunge ngami,  
 ngobuqotho bonke  
 umlomo wami ukhulume ilizwi elingayikwesulwa.  
 Amadolo wonke azaguqa phambi kwami;  
 izindimi zonke zizafunga ngami.

24 Zizakutsho ngami zithi, ‘Ukulunga lamandla  
 kuTHIXO kuphela.’”

Bonke abamthukuthelelayo  
 bazakuza kuye bayangiswe.

25 Kodwa THIXO yonke inzalo  
 ka-Israyeli izafunyanwa ilungile,  
 ithokoze iziqhenya ngaye.

## 46

### *Onkulunkulu BaseBhabhiloni*

1 UBheli uyakhothama, uNebho uyaguqa;  
 izithombe zabo zithwelwe yizifuyo zokuthwala.

Izifanekiso ezithwelweyo ziyasinda,  
 umthwalo osindayo kodiniweyo.

2 Bayakhothama baguqe ndawonye;  
 benganelisi ukuhlenga umthwalo,  
 labo uqobo baya khona ekuthunjweni.

3 “Ngilalela wena ndlu kaJakhobe,  
 lonke lina eliseleyo abendlu ka-Israyeli,  
 lina engalisekelayo selokhu lemulwayo,  
 ngalithwala selokhu lazalwayo.

4 Lasebudaleni benu, inwele zenu sezimhlophe,  
 mina nginguye, nginguye ozaliqinisa.  
 Sengilenzile njalo ngizalithwala;  
 ngizaliqinisa ngilihlenge.

5 Ngubani elingangilinganisa laye kumbe limbale njengolingana lami na?  
 Ngubani elingangifananisa laye ukuba siqathaniswe na?

6 Abanye bathulula igolide emigodleni yabo  
 balinganise isiliva ezikalini;  
 baqhatshe abakhandi begolide ukuba benze unkulunkulu ngalo,  
 bakhothame, bamkhonze.

7 Bayamphakamisela emahlombe abo bamthwale;  
 bayambeka endaweni yakhe, ame khonapho.

Angeke asuke kuleyondawo.  
Lanxa umuntu ememeza, kaphenduli;  
angeke amsize ekuhluphekeni kwakhe.

- <sup>8</sup> Khumbulani lokhu, likufake ezingqondweni zenu,  
kukhumbuleni lina bahlamuki.  
<sup>9</sup> Khumbulani izinto zakugala ezendulo.  
Mina nginguNkulunkulu,  
kakho omunye; mina nginguNkulunkulu,  
kakho onjengami.  
<sup>10</sup> Mina ngenza isiphetho sazakale  
kusukela ekuqaleni lokuzakwenzakala,  
kusukela ezikhathini zasendulo.  
Ngithi: 'Injongo yami izakuma kokuphela,  
njalo ngizakwenza konke engikufunayo.'  
<sup>11</sup> Empumalanga ngibiza inyoni edla ezinye;  
elizweni elikhatshana ngibiza umuntu  
ukuba afeze injongo yami.  
Lokho engikutshiloyo ngizakufeza;  
lokho engikucebileyo ngizakwenza.  
<sup>12</sup> Ngilalelani lina elilezinhliziyi ezilukhuni,  
lina elikhatshana lokulunga.  
<sup>13</sup> Ngiletha ukulunga kwami eduzane,  
akukho khatshana;  
lokusindisa kwami akuyikuphuziswa.  
IZiyoni ngizayinika ukusindiswa,  
u-Israyeli inkazimulo yami."

## 47

### *Ukuwa KweBhabhiloni*

- <sup>1</sup> "Yehla uhlale othulini  
Ndodakazi emsulwa yaseBhabhiloni,  
hlala emhlabathini ungelasihlalo sobukhosi,  
ndodakazi yamaBhabhiloni.  
Akusayikuthiwa  
ubuthakathaka loba kuthiwe uthambile.  
<sup>2</sup> Thatha amatshe okuchola uchole impuphu;  
ukhuphe isimbombozo sakho.  
Phakamisa izidwaba zakho, uveze imilenze yakho,  
ugxabhaze udabule ezifuleni.  
<sup>3</sup> Ubunqunu bakho buzavezwa,  
ihlazo lakho lambuleke.  
Ngizaphindisela,  
kakho engizamyekela."  
<sup>4</sup> Umhlengi wethu uTHIXO uSomandla libizo lakhe  
ungoNgcwele ka-Israyeli.  
<sup>5</sup> "Hlala ngokuthula, yana emnyameni,  
ndodakazi yamaKhaladiya;  
awuyikubizwa ngokuthi  
ndlovukazi yemibuso futhi.

- 6 Ngabathukuthelela abantu bami,  
 ngangcolisa ilifa lami,  
 ngabanikela ezandleni zakho,  
 kawaze waba lesihawu kubo.  
 Lasebeluphele,  
 wabethesa ijogwe elinzima.
- 7 Wathi, 'Ngizaqhubeka kokuphela  
 ngiyindlovukazi nini lanini.'  
 Kodwa kawuzinakanga lezizinto,  
 kumbe unakane ngokungenzakala.
- 8 Khathesi-ke lalela, wena sidalwa esingazibekanga,  
 wena ocambaleleyo uvikelekile  
 usithi ngenhliziyo yakho,  
 'Mina yimi, njalo kakho omunye ngaphandle kwami,  
 angisoze ngaba ngumfelokazi  
 kumbe ngifelwe ngabantwana.'
- 9 Kodwa lokhu kokubili kuzakwehlela  
 ngokuphangisa, ngasuku lunye  
 ukufelwa ngabantwana lobufelokazi.  
 Lokhu kuzakwehlela phezu kwakho ngokugcweleyo,  
 bungakhathelekile ubuthakathi bakho  
 layo yonke imilingo yakho elamandla.
- 10 Wethembele ebubini bakho,  
 njalo watsho wathi, 'Kakho ongibonayo.'  
 Inhlakanipho yakho lolwazi lwakho kuyakukhohlisa  
 lapho usithi kuwe,  
 'Mina yimi, njalo kakho omunye ngaphandle kwami.'
- 11 Incithakalo izakwehlela phezu kwakho,  
 njalo awuyikwazi ukuyivikela ngemilingo.  
 Umonakalo uzakwehlela phezu kwakho,  
 ongeke uwuvimbe ngenhlawulo,  
 lengozi ongeke uyikhumbulele  
 izakujuma.
- 12 Qhubeka-ke ngemilingo yakho,  
 langobuthakathi bakho obunengi  
 okusebenza kusukela ebantwaneni bakho.  
 Mhlawumbe uzaphumelela,  
 kumbe njalo wenze kube lokwesaba.
- 13 Zonke izeluleko owazitholayo zikucobile.  
 Izazi zezinkanyezi kazisondele,  
 labahloli bezinkanyezi ababika ngokuzakwenzakala inyanga ngenyanga.  
 Kabakuhlenge kulokhu okuzakwehlela.
- 14 Impela banjengamahlanga;  
 umlilo uzabatshisa futhi  
 bangeke bazihlenga  
 emandleni amalangabi.  
 Lapha akulamalahle okothiwa ngumuntu;  
 lapha akulamlilo wokotha.
- 15 Lokho yikho abangakwenzela khona  
 labo owasebenza labo,

uthengiselana labo kusukela ebuntwaneni.  
Omunye lomunye wabo uyaqhubeka ngesiphosiso sakhe;  
kakho ongakusindisa.”

## 48

### *U-Israyeli Oyisiqholo*

- 1 “Zwana lokhu, wena ndlu kaJakhobe,  
lina elibizwa ngebizo lika-Israyeli  
elingabosendo lukaJuda,  
lina elifunga NGOTHIXO,  
licele usizo kuNkulunkulu ka-Israyeli,  
kodwa kungasingeqiniso loba ngokulunga,
- 2 lina elibizwa ngokuthi lingabasedolobheni elingcwele,  
lethembe uNkulunkulu ka-Israyeli,  
uTHIXO uSomandla yilo ibizo lakhe:
- 3 Ngamemezela ngezinto zakugqala endulo,  
ngazitsho ngomlomo wami, ngazenza zazakala.  
Ngazenza ngokuphangisa, zahle zenzakala.
- 4 Ngoba ngangikwazi ukuthi ulenkani,  
imisipha yentamo yakho zinsimbi,  
ibunzi lakho lithusi.
- 5 Ngakho-ke ngakutsho kudala ngalezizinto,  
ngakwazisa ngazo zingakenzakali  
ukuze wena ungaze wathi,  
‘Izithombe zami yizo ezazenzayo;  
izithixo zami zezigodo lonkulunkulu wensimbi yibo abakumisayo.’
- 6 Usuzizwile lezizinto; zikhangele zonke.  
Awuyikuzivuma na?

Kusukela khathesi ngizakutshela ngezinto ezintsha,  
izinto ezifihlakeleyo wena ongazaziyo.

- 7 Zidalwe khathesi nje, hatshi endulo;  
awuzange uzwe ngazo mandulo.  
Ngakho awungeke uthi,  
‘Yebo, kade ngizazi.’
- 8 Kawuzange uzwe kumbe uqedisise;  
kusukela endulo indlebe yakho ibingavulekanga.  
Ngikwazi kuhle ukuthi wena uyingozi;  
kwathiwa ungumhlamuki kusukela ekuzalweni kwakho.
- 9 Ngenxa yebizo lami, ngiyaluphuzisa ulaka lwami;  
ngenxa yodumo lwami ngiyalubamba ukuba lungehleli kuwe,  
ukuze ngingakubhubhisi.
- 10 Khangela, ngikulungisile lanxa kunganjengesiliva;  
ngikuhlule emlilweni wokuhlupheka.
- 11 Ngenxa yami, ngenxa yami, ngenza lokhu.  
Ngingavuma njani ukuba ibizo lami ligconwe na?  
Angiyikunika omunye udumo lwami.”

### *U-Israyeli Ukhululwe*

- 12 “Ngilalela wena Jakhobe,  
Israyeli, engikubizileyo:  
Mina nginguye;

ningowokuqala njalo ngingowokucina.  
 13 Isandla sami sabeka izisekelo zomhlaba,  
 isandla sami sokudla sendlala amazulu;  
 lapho ngikubiza,  
 kuyasukuma konke kanyekanye.

14 Buthanani ndawonye lonke lilalele:  
 Yisiphi sezithombe esamemezela ngalezizinto ngaphambilini na?  
 Umsekeli KATHIXO okhethiweyo  
 uzafeza inhloso yakhe yokuhlasela amaKhaladiya;  
 ingalo yakhe izamelana lamaKhaladiya.

15 Mina, mina ngokwami, sengikhulumile;  
 yebo ngimbizile.

Ngizamletha,  
 njalo uzaphumelela kuyo inhloso yakhe.

16 Sondelani kimi lizwe lokhu:  
 Kusukela esimemezeleni sakuqala angikhulumelanga ensitha;  
 lapho kusenzakala, mina ngikhona.”

Khathesi UTHIXO Wobukhosi ungithumile  
 ngoMoya wakhe.

17 Nanku UTHIXO akutshoyo,  
 uMhlengi wakho, oNgcwele ka-Israyeli:  
 “Mina NGINGUTHIXO uNkulunkulu wakho,  
 okufundisa lokho okuhle kakhulu kuwe,  
 ekutshengisa indlela okumele uhambe ngayo.

18 Aluba wawulalele imilayo yami nje,  
 ukuthula kwakho kwakuzakuba njengomfula,  
 ukulunga kwakho kunjengamagagasi olwandle.

19 Inzalo yakho yayizakuba ngangetshebetshebe,  
 abantwabakho babe ngangezinhlamvu zalo ezingeke zibalwe;  
 ibizo labo belingayikwesulwa  
 kumbe lidilizwe phambi kwami.”

20 Sukani eBhabhiloni,  
 libalekele amaBhabhiloni!  
 Bikani lokhu lihlaba umkhosi ngentokozo  
 njalo likumemezele.

Kufikiseni emikhawulweni yomhlaba;  
 lithi, “UTHIXO uyihlengile inceku yakhe uJakhobe.”

21 Kabomanga ekubaholeni kwakhe bedabula ezinkangala;  
 wabenzela amanzi agelezayo ephuma edwaleni,  
 wadabula idwala  
 amanzi ampompoza.

22 UTHIXO uthi, “Akukho ukuthula kwababi.”

## 49

### *Inceku KATHIXO*

1 Ngilalelani lina zihlengi;  
 zwanini lokhu lina zizwe ezikude:  
 UTHIXO wangibiza ngingakazalwa;

- kusukela ekuzalweni kwami ubelitsho ibizo lami.  
<sup>2</sup> Wenza umlomo wami waba njengenkemba eloliweyo,  
 wangifihla emthunzini wesandla sakhe.  
 Wangenza ngaba ngumtshoko ololiweyo,  
 wangifihla emxhakeni wakhe wemitshoko.
- <sup>3</sup> Wathi kimi, “Wena Israyeli uyinceku yami,  
 engizabonakalisa inkazimulo yami ngayo.”
- <sup>4</sup> Kodwa mina ngathi, “Mina ngisebenzele ize;  
 amandla ami ngiwachithele ize lobala,  
 ikanti okufanele mina kusesandleni SIKATHIXO,  
 lomvuzo wami ukuNkulunkulu.”
- <sup>5</sup> Khathesi uTHIXO uthi,  
 yena owangibumbayo esiswini ukuba ngibe yinceku yakhe  
 ukuze ngibuyisele uJakhobe  
 kuye lokuqoqela u-Israyeli kuye,  
 ngoba ngiphakanyisiwe emehlweni KATHIXO  
 njalo uNkulunkulu wami ubengamandla ami
- <sup>6</sup> uthi:  
 “Kuyinto encane kakhulu kuwe ukuba yinceku yami  
 ukuze uvuselele izizwe zikaJakhobe  
 ubuyise labako-Israyeli engibalondolozileyo.  
 Ngizakwenza ube yikukhanya kwabeZizwe,  
 ukuze ufikise usindiso lwami emikhawulweni yomhlaba.”
- <sup>7</sup> Nanku okutshiwo NGUTHIXO,  
 uMhlengi loNgcwele ka-Israyeli,  
 utsho kuye oweyiswa, wenyanywa yisizwe,  
 kuyo inceku yababusi:  
 “Amakhosi azakubona asukume,  
 amakhosana azakubona akhothame,  
 ngenxa KATHIXO othembekileyo,  
 oNgcwele ka-Israyeli okukhethileyo.”
- Ukubuyiselwa Kuka-Israyeli*
- <sup>8</sup> Nanku okutshiwo NGUTHIXO:  
 “Ngesikhathi esifaneleyo kimi ngizakuphendula,  
 langosuku lwensindiso ngizakusiza.  
 Ngizakulondoloza ngikwenze  
 ube yisivumelwano sabantu,  
 ukubuyisela ilizwe  
 lokwaba kutsha amafa abo achithekayo,
- <sup>9</sup> uthi kwabathunjiweyo, ‘Phumani,’  
 kulabo abasemnyameni uthi, ‘Khululekani!’
- Bazadlela emaceleni emigwaqo  
 bathole amadlelo kuwo wonke amaqaqa alugwadule.
- <sup>10</sup> Kabayikulamba kumbe bome,  
 lokutshisa kwasenkangala kumbe okwelanga kabayikukuzwa.  
 Lowo obazwela isihawu uzabakhokhela  
 abase emithonjeni yamanzi.
- <sup>11</sup> Izintaba zami zonke ngizazenza zibe yizindlela,  
 imigwaqo yami izaphakamela phezulu.

- 12 Khangelani, bazakuza bevela khatshana,  
abanye bevela enyakatho, abanye bevela entshonalanga  
labanye bevela emangweni wase-Asiwani.”
- 13 Hlabelelani ngentokozo lina mazulu;  
jabula lawe mhlaba;  
tshayani ingoma lina zintaba.  
Ngoba UTHIXO uyabaduduza abantu bakhe  
njalo uzakuba lesihawu kwabahluphekayo bakhe.
- 14 Kodwa iZiyoni yathi, “UTHIXO ungilahlile,  
UTHIXO usengikhohliwe.”
- 15 “Owesifazane angamkhohlwa umntanakhe omunyayo na,  
angabi lesihelo emntwaneni amzeleyo na?  
Lanxa engamkhohlwa,  
mina angiyikukukhohlwa!”
- 16 Khangela, sengikudwebe ezintendeni zezandla zami;  
imiduli yakho ihlezi iphambi kwami.
- 17 Amadodana akho aphanga emuva,  
lalabo abakuchithayo bayasuka kuwe.
- 18 Phakamisa amehlo akho ukhangele emaceleni wonke,  
wonke amadodana akho ayaqoqana eze kuwe.  
UTHIXO uthi, “Ngeqiniso elinjengoba ngiphila,  
bonke uzabagqiza njengezigqizo,  
ucece ngabo njengomlobokazi.
- 19 Lanxa nje wadilizwa waba lunxiwa  
lelizwe lakho lachithwa,  
kathesi uzakuba mncane kakhulu ebantwini bakho;  
lalabo abakuchithayo bazakuba khatshana.
- 20 Abantwana abazalwa ngesikhathi sokufelwa kwakho  
bazakutsho lawe usizwa bathi,  
‘Indawo le incinyane kakhulu kithi;  
siphe enye njalo indawo yokuhlala.’
- 21 Lapho-ke uzakuthi enhliziyweni yakho,  
‘Ngubani owangizalela laba na?  
Ngafelwa njalo ngaba njengongazalanga;  
ngaxotshwa elizweni, ngalahlwa.  
Laba bondliwa ngubani?  
Mina ngangisele ngedwa,  
kodwa laba-ke, bavele ngaphi?’ ”
- 22 Nanku okutshiwo NGUTHIXO Wobukhosi:  
“Khangela, ngizaqhweba abeZizwe.  
Ngizaphakamisela uphawu lwami ebantwini;  
bazaletsa amadodana akho bewagonile,  
amadodakazi akho bewathwele ngamahlombe abo.
- 23 Amakhosi azakuba ngoyihlo bokukukhulisa,  
amakhosikazi awo abe ngonyoko bokukondla.  
Bazakhothama phambi kwakho ubuso babo buphansi, emhlabathini,  
bazakhotha uthuli ezinyaweni zakho.



Lapho-ke uzakwazi ukuthi mina NGINGUTHIXO;  
labo abangithembayo abayikudaniswa.”

<sup>24</sup> Amabutho angemukwa impango na,  
kumbe abathunjiweyo bahlengwe kwabesabekayo na?

<sup>25</sup> Kodwa nanku okutshiwo NGUTHIXO:  
“Yebo, abathunjiweyo bazathathwa emabuthweni  
lempango izahluthunwa futhi kwabesabekayo,  
ngoba ngizamelana lalabo abamelana lawe,  
abantwabakho ngizabahlenga.

<sup>26</sup> Ngizakwenza abancindezeli bakho badle inyama yemizimba yabo;  
bazadakwa ngelabo igazi njengewayini.

Lapho-ke izizwe zonke zizakwazi  
ukuthi mina THIXO, nginguMsindisi wakho,  
uMhlengi wakho, uMninimandla kaJakhobe.”

## 50

### *Isono Sika-Israyeli Lokulalela Kwenceku*

<sup>1</sup> Nanku okutshiwo NGUTHIXO:  
“Ingaphi incwadi kanyoko yokuchitha umtshado  
engamxotsha ngayo na?  
Kumbe nguphi kwababelezikwelede zami  
engamthengisayo na?

Lathengiswa ngenxa yezono zenu,  
lonyoko waliwa ngenxa yokona kwenu.

<sup>2</sup> Ekufikeni kwami, kungani kwakungelamuntu na?  
Ekubizeni kwami, kungani kungekho muntu owasabelayo na?  
Ingalo yami yayimfitshane kakhulu ukuba ilihlengi na?  
Angilamandla okulikhulula na?

Ngokukhuza nje kuphela, ngiyalomisa ulwandle,  
ngiphendule imifula ibe yinkangala;  
inhlanzi zayo zibole ngenxa yokuswela amanzi,  
zife ngenxa yokoma.

<sup>3</sup> Ngembathisa umkhathi ngomnyama.  
Ngenze amasaka abe yisembeso sawo.”

<sup>4</sup> UTHIXO wobukhosi unginike ulimi olufundisiweyo  
ukuba ngazi ilizwi lokuqinisa abadiniweyo.  
Uyangivusa ekuseni kwansukuzonke,  
avuse indlebe yami ukuba ilalele njengofundiswayo.

<sup>5</sup> UTHIXO Wobukhosi uvule indlebe zami,  
njalo angizange ngibe ngohlamukayo;  
angibuyelanga emuva.

<sup>6</sup> Nganikela umhlana wami kulabo ababengitshaya,  
lezihlathi zami kulabo abacutha indevu zami;  
ubuso bami angibufihlanga  
ekugconweni lekukhafulelweni.

<sup>7</sup> Ngenxa yokuthi UTHIXO Wobukhosi uyangisiza  
angiyikuyangeka.

Ngakho-ke sengiqinise ubuso bami babanjengelitshe lomlilo;  
njalo ngiyazi ukuthi angiyikuyangeka.

<sup>8</sup> Lowo ongimelayo useduzane.

- Ngubani-ke ongangethesa amacala?  
Kasiqondane.  
Ngubani ongimangalelayo na?  
Kangiqonde!
- <sup>9</sup> NGUTHIXO Wobukhosi ongisizayo.  
Ngubani lowo ongathi ngilecala na?  
Bonke bazaguga njengesigqoko,  
inondo izabadla.
- <sup>10</sup> Ngubani phakathi kwenu omesabayo UTHIXO  
elalela ilizwi lenceku yakhe na?  
Lowo ohamba emnyameni,  
ongelakho ukukhanya,  
kathembe ebizweni LIKATHIXO  
abambebele KUTHIXO wakhe.
- <sup>11</sup> Kodwa khathesi, lonke lina eliphemba imililo  
lizenzele amalangabi okukhanyisa,  
sukani, lihambe ekukhanyeni kwemililo yenu,  
lokwezibane elizikhanyisileyo.  
Elizakwamukela esandleni sami yilokhu:  
Lizalala phansi lisebuhlungwini.

## 51

### *Insindiso Engapheliyo YeZiyoni*

- <sup>1</sup> “Lalelani kimi lina elilandela ukulunga  
lidinga LOTHIXO:  
Khangelani edwaleni elacezulwa kulo  
lasegodini lamatshe elambiwa kulo;
- <sup>2</sup> khangelani ku-Abhrahama, uyihlo,  
lakuSara owalikalayo.  
Ekumbizeni kwami wayemunye,  
ngambusisa ngamandisa.
- <sup>3</sup> Ngeqiniso UTHIXO uzaduduza iZiyoni  
abe lesihawu kuwo wonke amanxiwa alo;  
uzakwenza izinkangala zalo zibe njenge-Edeni,  
amazwe alo alugwadule afane lesivande sikaThixo.  
Ukuthaba lentokozo kuzafunyanwa kulo,  
kanye lokubonga lelizwi lokuhlabela.
- <sup>4</sup> Lalelani kimi, bantu bami;  
ungizwe lawe sizwe sami:  
Kuzaphuma umthetho uvela kimi;  
ukulunga kwami kuzakuba yikukhanya ezizweni.
- <sup>5</sup> Ukulunga kwami kusondela ngokuphangisa,  
insindiso yami iyeza,  
ingalo yami izaletsa ukulunga ezizweni.  
Izihlenge zizakhangela kimi,  
zilinde zithembe amandla ami.
- <sup>6</sup> Phakamiselani amehlo enu phezulu emazulwini,  
likhangele lasemhlabeni phansi;  
amazulu azanyamalala njengentuthu;  
umhlaba uzaguga njengesigqoko

abakhe kuwo bafe njengempukane.  
Kodwa insindiso yami izakuba khona kuze kube nininini,  
ukulunga kwami akuyikuphela.

<sup>7</sup> Ngizwani lina elikwaziyo okulungileyo  
lina bantu abagcina umthetho wami ezinhliziyweni zenu:  
Lingakwesabi ukugconwa ngabantu,  
kumbe lethuswe yizithuko zabo.

<sup>8</sup> Ngoba inondo izabadla njengesigqoko;  
impethu ibadle njengewulu.  
Kodwa ukulunga kwami kuzakuba khona kuze kube nininini;  
lensindiso yami ikhona kuzizukulwane zonke.”

<sup>9</sup> Vuka, vuka, wena ngalo KATHIXO;  
uzigqokise ngamandla akho!  
Vuka njengasezinsukwini zendulo,  
lanjengakuzizukulwane zakudala.  
Kayisuwe yini owaquma uRahabi waba yiziqqa,  
wagwaza lesilo lesiyana na?

<sup>10</sup> Kawusuwe yini owomisa ulwandle,  
amanzi atshona kakhulu,  
wenza umgwaqo ezinzikini zolwandle  
ukuze abahlengiweyo bachaphe na?

<sup>11</sup> Labahlengiweyo BAKATHIXO bazabuyela.  
Bazangena eZiyoni behlabelela,  
intokoza engapheliyo izakuba ngumqhele emakhanda abo.  
Bazakuba lokuthula lenjabulo,  
usizi lokububula kuzaphela.

<sup>12</sup> “Mina, mina uqobo, nginguye oliduduzayo.  
Ungubani wena ukuba wesabe abantu abafayo,  
amadodana abantu, abutshani nje,

<sup>13</sup> uze ukhohlwe uTHIXO, uMenzi wakho,  
owendlala amazulu  
wabeka lezisekelo zomhlaba,  
ukuthi uhlale ngokwesaba okungapheliyo nsuku zonke  
ngenxa yolaka lomncindezeli,  
ohlose ukuchitha na?

Ngoba lungaphi na ulaka lomncindezeli?

<sup>14</sup> Izibotshwa ezitshotshobeleyo zizakhululwa masinyazana,  
aziyikufela emajele azo,  
kumbe ziswele ukudla.

<sup>15</sup> Ngoba mina NGINGU<sup>U</sup>THIXO uNkulunkulu wakho,  
ophehla ulwandle ukuze amagagasi alo ahlokome,  
ibizo lakhe NGU<sup>U</sup>THIXO uSomandla.

<sup>16</sup> Ngifake amazwi ami emlonyeni wakho  
ngakwembesa ngomthunzi wesandla sami,  
mina engabeka amazulu endaweni yawo,  
ngabeka izisekelo zomhlaba,  
njalo othi kuZiyoni, ‘Lina lingabantu bami.’ ”

*Inkezo Yolaka LUKATHIXO*

<sup>17</sup> Vuka, vuka!

Phakama wena Jerusalema,  
wena onathe enkezweni esandleni SIKATHIXO  
inkezo yolaka lwakhe,  
wena oyikhoce wafika enzeceni zayo;  
inkezo eyenza amadoda adiyazele.

<sup>18</sup> Kuwo wonke amadodana eliwazeleyo,  
kayikho eyayingalikhokhela;  
kuwo wonke amadodana elawondlayo,  
kayikho eyayingalibamba ngesandla.

<sup>19</sup> Lezizingozi ezimbili zikwehlele;  
ngubani ongakududuza na?  
Incithakalo lokubhujiswa, indlala lenkemba,  
ngubani ongakududuza na?

<sup>20</sup> Amadodana akho asephele amandla,  
aselala ezihlokweni zemigwaqo yonke  
njengebhalabhala elibanjwe ngumambule.

Agcwele ulaka LUKATHIXO  
lokukhuza kukaNkulunkulu wakho.

<sup>21</sup> Ngakho-ke zwana lokhu wena ohluphekayo,  
lodakisiweyo kodwa kungasingewayini.

<sup>22</sup> Nanku okutshiwo NGUTHIXO Wobukhosi bakho,  
uNkulunkulu wakho ovikela abantu bakhe:  
“Khangela, sengiyisusile esandleni sakho  
inkezo ekwenza udiyazele;  
leyonkezo engeyolaka lwami,  
awuyikunatha ngayo futhi.

<sup>23</sup> Ngizayibeka ezandleni zabakuhluphayo,  
abathi kuwe,  
‘Cambalala ukuze sihambe phezu kwakho.’

Wena-ke wenza umhlane wakho waba njengenhlabathi,  
lanjengomgwaqo okungahanjwa kuwo.”

## 52

<sup>1</sup> Vuka, vuka, wena Ziyoni,  
uzembese ngamandla!  
Gqoka izigqoko zakho zenkazimulo,  
wena Jerusalema, muzi ongcwele.  
Ongasokanga longcolileyo  
akayikungena kuwe futhi.

<sup>2</sup> Thintitha uthuli lwakho;  
sukuma, uhlale ebukhosini, wena Jerusalema.  
Zikhulule izibopho ezisentanyeni yakho,  
wena Ndodakazi ethunjiweyo yaseZiyoni.

<sup>3</sup> Ngoba nanku okutshiwo NGUTHIXO:  
“Lathengiswa ngeze,  
njalo lizahlengwa kungekho mali.”

<sup>4</sup> Ngoba nanku okutshiwo NGUTHIXO Wobukhosi:  
“Ekuqaleni abantu bami baya eGibhithe besiyahlala khona;  
muva i-Asiriya yabancindezela.

- <sup>5</sup> Khathesi kuyini engilakho lapha?" kubuza uTHIXO.  
 "Ngoba abantu bami bathunjwa kungekho sizatho,  
 njalo labo abababusayo bayakloloda,"  
 kutsho uTHIXO.  
 "Ilanga lonke  
 ibizo lami lihlanjazwa kokuphela.
- <sup>6</sup> Ngakho-ke abantu bami bazalazi ibizo lami,  
 ngakho-ke ngalolosuku bazakwazi  
 ukuthi yimi engamemezela lokho ngaphambilini.  
 Yebo, yimi."
- <sup>7</sup> Yeka ubuhle phezu kwezintaba,  
 bezinyawo zalabo abaletha izindaba ezinhle,  
 abamemezela ukuthula,  
 abaletha izindaba ezinhle,  
 abamemezela insindiso,  
 abathi kulo iZiyoni,  
 "UNkulunkulu wakho uyabusa!"
- <sup>8</sup> Lalela! Abalindi bakho baphakamisa amazwi abo,  
 bonke bahlaba umkhosi ngokuthokoza.  
 Lapho uTHIXO ebuyela eZiyoni  
 bazayibona iZiyoni ngamehlo abo.
- <sup>9</sup> Hlokomani ndawonye ngezingoma zokuthokoza,  
 lina manxiwa aseJerusalema,  
 ngoba uTHIXO usebaduduzile abantu bakhe,  
 uselihlengile iJerusalema.
- <sup>10</sup> UTHIXO uzaveza ingalo yakhe engcwele  
 phambi kwezizwe zonke,  
 njalo yonke imikhawulo yomhlaba  
 izabona insindiso kaNkulunkulu wethu.
- <sup>11</sup> Sukani, sukani, phumani lapho!  
 Lingathinti lutho olungcolileyo!  
 Phumani kulo libe ngabahlambulukileyo,  
 lina eliphatha izitsha zikaTHIXO.
- <sup>12</sup> Kodwa kaliyikusuka ngokuphangisa,  
 kumbe libaleka;  
 ngoba uTHIXO uzakamba phambi kwenu,  
 uNkulunkulu ka-Israyeli uzakuba ngumvikeli wenu emva kwenu.
- Ukuhlupheka Lodumo Lwenceku*
- <sup>13</sup> Khangelani, inceku yami izakwenza ngokuhlakanipha,  
 izaphakanyiswa ikhwezwe, iphiwe lodumo olukhulu.
- <sup>14</sup> Njengoba babebanengi abanengwayo yiyo,  
 ubuso bayo babulimele okudlula okwabantu bonke,  
 lesimo sayo sonakele singase njengesomuntu,
- <sup>15</sup> ngakho-ke izachela izizwe ezinengi,  
 amakhosi azavala imilomo yawo ngenxa yayo.  
 Ngoba lokho abangakutshelwanga bazakubona,  
 labangakuzwanga, bazakuqedisisa.

**53**

- 1 Ngubani olikholiweyo ilizwi lethu,  
njalo amandla KATHIXO abonakaliswe kubani na?
- 2 Wakhula phambi kwakhe njengehlumela,  
lanjengempande emhlabathini owomileyo.  
Wayengelabuhle lobukhosi ukuba asikhange,  
kungelalutho esimeni sakhe olungenza simfune.
- 3 Weyiswa njalo waliwa ngabantu,  
umuntu wezinsizi, njalo ekujayekele ukuhlupheka.  
Lowo abantu abangafuniyo ukukhangelana laye  
weyiswa, asimhloniphanga.
- 4 Ngempela wathatha inhlungu zethu  
wathwala insizi zethu,  
kodwa thina sathi utshaywe nguNkulunkulu,  
ebethwe nguye, njalo uhlutshiwe.
- 5 Kodwa wagwazwa ngenxa yezono zethu,  
wachobozwa ngenxa yokona kwethu,  
ukuhlutshwa kwakhe kwasilethela ukuthula,  
njalo sasiliswa ngamanxeba akhe.
- 6 Thina sonke silahlekile njengezimvu,  
munye ngamunye wethu uphambukele endleleni yakhe;  
njalo UTHIXO ubeke phezu kwakhe  
ukona kwethu sonke.
- 7 Wancindezelwa wahlutshwa,  
kodwa kawuvulanga umlomo wakhe;  
wakhokhelwa ukuyabulawa njengewundlu,  
njalo njengemvu ithule phambi komgundi wayo,  
laye kawuvulanga umlomo wakhe.
- 8 Ngokuncindezelwa langokwahlulela wathathwa.  
Ngubani ongakhuluma ngesizukulwane sakhe na?  
Ngoba wasuswa elizweni labaphilayo;  
watshaywa ngenxa yeziphambeko zabantu bami.
- 9 Wabelwa ingcwaba kanye lababi,  
kanye labanothileyo ekufeni kwakhe,  
lanxa kungeladlakela alwenzayo  
njalo kungekho inkohliso emlonyeni wakhe.
- 10 Ikanti kwakuyintando KATHIXO ukumchoboza lokumenza ahlupheke,  
njalo lanxa UTHIXO esenza ukuphila kwakhe umnikelo wecala,  
uzabona inzalo yakhe, andise insuku zokuphila kwakhe,  
lentando kaThixo izaphumelela ngaye.
- 11 Emva kokuhlupheka komoya wakhe,  
uzabona ukukhanya kokuphila asuthiseke;  
ngokwazi kwayo inceku yami elungileyo izalungisa abanengi,  
ithwale izono zabo.
- 12 Ngakho-ke ngizamnika isabelo phakathi kwabakhulu,  
njalo uzakwabelana impango labalamandla  
ngoba wanikela ukuphila kwakhe ekufeni,  
wabalwa ndawonye lezoni;  
ngoba wathwala izono zabanengi,

wancengela izoni.

## 54

### *Inkazimulo Ezayo YaseZiyoni*

- <sup>1</sup> “Hlabela wena mfazi oyinyumba,  
wena ongazange uzale umntwana;  
susa ingoma, umemeze ngentokozo,  
wena ongakaze uhelelwe  
ngoba abantwana bomfazi olahliweyo banengi  
kulabalowo olendoda,”  
kutsho UTHIXO.
- <sup>2</sup> Qhelisa indawo yethente lakho,  
yelula amakheteni ethente  
lakho abe banzi,  
ungathikazi, yelula izintambo zakho,  
uqinise izikhonkwane zakho.
- <sup>3</sup> Ngoba uzaqhela usiya kwesokudla lesenxele;  
inzalo yakho izazixotsha izizwe yakhe  
emadolobheni azo adilikayo.
- <sup>4</sup> “Ungesabi, ngoba awuyikwehlelwa lihlazo.  
Ungesabi ukuyangeka, ngoba awuyikudumazeka.  
Uzalikhohlwa ihlazo lasebutsheni bakho,  
ungakhumbuli lesithuko sobufelokazi bakho.
- <sup>5</sup> Ngoba uMenzi wakho engumyeni wakho,  
UTHIXO uSomandla libizo lakhe  
oNgcwele ka-Israyeli unguMhlengi wakho;  
ubizwa ngokuthi nguNkulunkulu womhlaba wonke.
- <sup>6</sup> UTHIXO uzakubiza  
njengowesifazane olahliweyo, odabukileyo emoyeni,  
owesifazane owenda esesemncane,  
waphanga waliwa,” kutsho uNkulunkulu wakho.
- <sup>7</sup> “Ngakutshiya okomzuzwana omncane,  
kodwa ngesihawu esikhulu ngizakubuyisa.
- <sup>8</sup> Ngomfutho wokuthukuthela,  
ngakufihlela ubuso bami okomzuzwana,  
kodwa ngothando olungapheliyo,  
ngizakuba lesihawu kuwe,”  
kutsho UTHIXO uMhlengi wakho.
- <sup>9</sup> “Kimi lokhu kunjengasezinsukwini zikaNowa,  
lapho engafunga khona ngathi amanzi kaNowa  
kawayikugcwala umhlaba futhi.  
Ngakho khathesi sengifungile ngathi  
angiyikukuthukuthelela futhi;  
angiyikukusola njalo.
- <sup>10</sup> Lanxa izintaba zinganyikinyiswa,  
lamaqaqa asuswe,  
kodwa uthando lwami olungapheliyo kuwe kaluyikunyikinyiswa,  
kumbe isivumelwano sami sokuthula sisuswe,”  
kutsho UTHIXO olesihawu kuwe.

- 11 Wena dolobho elihluphekileyo,  
elitshaywa yiziphepho alaze laduduzwa,  
ngizakwakha ngamatshe amahle,  
izisekelo zakho ngizakhe ngamasafire.
- 12 Izakhiwo zakho zokuvikela ngizazenza ngamarubhi,  
amasango akho ngiwenze ngamatshe akhazimulayo, yonke  
imithangala yakho ngiyenze ngamatshe aligugu.
- 13 Wonke amadodana akho azafundiswa NGUTHIXO,  
njalo kuzakuba kukhulu ukuthula kwabantwana bakho.
- 14 Uzaqiniswa ngokulunga:  
uchuku luzakuba khatshana lawe,  
awuyikwesaba lutho.  
Ukwesaba kuzasuselwa khatshana,  
akuyikusondela phansi kwakho.
- 15 Nxa ekhona ozakuhlasela, kobe kungayisimi;  
loba ngubani okuhlaselayo uzazinikela kuwe.
- 16 “Khangela, yimi engadala umkhandi wensimbi  
ovuthela amalahle abe lilangabi,  
akhande isikhali esilungele umsebenzi waso.  
Njalo yimi engadala umchithi ukuba enze umonakalo;  
17 akulasikhali esikhandelwe wena esizaphumelela,  
njalo bonke abakumangalelayo uzabehlula.  
Leli yilifa lezinceku zikaThixo,  
lokhu yikho ukwenaniswa kwazo yimi,”  
kutsho UTHIXO.

## 55

### *Ukunxusa Kwabomileyo*

- 1 “Wozani, lonke lina abomileyo,  
wozani emanzini,  
lani lina elingelamali,  
wozani, lithenge, lidle!  
Wozani, thengani iwayini lochago  
ingekho imali lendleko.
- 2 Lichithelani imali kokungasikho kudla,  
lokusebenza kwenu kulokho okungasuthisiyo na?  
Lalelani, lalelani kimi, lidle okuhle,  
umoya wenu uzathokoziswa yizibiliboco.
- 3 Lalelani, lize kimi;  
lingilalele ukuze umphefumulo wenu uphile.  
Ngizakwenza isivumelwano esingapheliyo lani,  
uthando lwami oluqotho olwathenjiswa uDavida.
- 4 Khangelani, ngimenze waba ngufakazi ebantwini,  
umkhokheli lomlawuli wabantu.
- 5 Ngeqiniso lizabiza izizwe elingazaziyo,  
lezizwe ezingalaziyo zizagijimela kini,  
ngenxa KATHIXO uNkulunkulu wenu,  
oNgcwele ka-Israyeli,  
ngoba uselinike inkazimulo.”
- 6 Mdingeni UTHIXO esatholakala,



- mbizeni eseseduzane.  
<sup>7</sup> Omubi kayekele indlela yakhe  
 loxhwalileyo alahle imicabango yakhe.  
 Kaphendukele kuTHIXO, uzakuba lesihawu kuye,  
 lakuNkulunkulu wethu ngoba uzamthethelela ngesihle.
- <sup>8</sup> “Ngoba imicabango yami kayisiyo eyenu,  
 lezindlela zenu kayisizo ezami,”  
 kutsho uTHIXO.
- <sup>9</sup> “Njengomkhathi uphakeme kulomhlaba,  
 ngokunjalo izindlela zami ziphakeme kulezindlela zenu,  
 lemicabango yami iphakeme kulemicabango yenu.
- <sup>10</sup> Njengoba izulu longqwaqwane  
 kusehla kuvela phezulu,  
 kungaphindi kubuye khonale  
 kungathambisanga umhlaba  
 kuwenze ununkule ube lamahlumela,  
 ukuze unike umhlanyeli inhlanyelo, lodlayo umnike ukudla,
- <sup>11</sup> linjalo lelizwi lami eliphuma emlonyeni wami:  
 kaliyikubuya kimi lize,  
 kodwa lizafeza engikufunayo  
 liphumelelise lokho engilithume khona.
- <sup>12</sup> Lina lizaphuma ngokuthokoza  
 likhokhelwe ngokuthula;  
 izintaba lamaqaqa  
 kuzasusa ingoma phambi kwenu,  
 njalo zonke izihlahla zeganga  
 zizaqakeza izandla zazo.
- <sup>13</sup> Endaweni yesihlahla sameva kuzamila iphayini,  
 lendaweni yokhula kuzamila isihlahla somithili.  
 Lokhu kuzakwenza uTHIXO adunyiswe,  
 kube yisibonakaliso esingapheliyo,  
 esingayikudilizwa.”

## 56

### *Ukusindiswa Kwabanye*

- <sup>1</sup> Nanku okutshiwo nguTHIXO:  
 “Londoloza ukulunga  
 wenze okuqondileyo,  
 ngoba ukusindisa kwami kuseduze  
 lokulunga kwami kuzabonakaliswa masinyane.
- <sup>2</sup> Ubusisiwe umuntu okwenzayo lokhu,  
 umuntu obambelela kukho,  
 ogcina iSabatha engalingcolisi,  
 athibe isandla sakhe ekwenzeni okubi.”
- <sup>3</sup> Akungabi lowezizweni okuTHIXO othi,  
 “Ngeqiniso uTHIXO uzangehlukana labantu bakhe.”  
 Njalo lomthenwa kangavunyelwa ukusola athi,  
 “Mina ngiyisihlahla esomileyo.”
- <sup>4</sup> Ngoba uTHIXO uthi:  
 “Abathenwa abagcina amaSabatha ami

bakhethe okungithokozisayo,  
 babambelele kusivumelwano sami,  
 5 ngizabanika, phakathi kwethempeli lami lemiduli yalo,  
 isikhumbuzo lebizo  
 elingcono kulamadodana lamadodakazi.  
 Ngizabanika ibizo elingapheliyo.  
 Elingayikukhohlakala.  
 6 Labezizwe abazinikela KU<sup>U</sup>THIXO  
 ukuba bamkhonze,  
 bathande ibizo LIKATHIXO,  
 njalo bamkhonze,  
 bonke abagcina iSabatha bengalingcolisi,  
 babambelele kusivumelwano sami,  
 7 laba ngizabaletha entabeni yami engcwele,  
 ngibaphe intokozo endlini yami yokukhulekela.  
 Iminikelo yabo yokutshiswa, lemihlatshelo,  
 kuzakwamukelwa e-alithareni lami;  
 ngoba indlu yami izathiwa  
 yindlu yokukhuleka yezizwe zonke.”  
 8 U<sup>U</sup>THIXO Wobukhosi,  
 yena oqoqa abaxotshwayo elizweni abako-Israyeli uthi:  
 “Ngizaqoqela abanye kubo futhi  
 ngaphandle kwalabo abavele sebeqoqiwe.”

### *U<sup>U</sup>THIXO Usola Ababi*

9 Wozani lonke lina zilo zeganga;  
 wozani lidle, lonke lina zilo zamagusu!  
 10 Abalindi bako-Israyeli bayiziphofu,  
 bonke kabazi lutho;  
 bonke bayimigaxa,  
 izinja ezingakhonkothiyo;  
 balala nje baphuphe;  
 bathanda ukulala.  
 11 Bayizinja ezihlala zilomdlozela wokufuna ukudla,  
 azisuthi.  
 Bangabelusi abangaqedisisiyo,  
 bonke bazazenzela abakufunayo,  
 lowo lalowo udinga inzuzo yakhe.  
 12 Lowo lalowo uthi, “Wozani, ngilethe iwayini.  
 Kasinatheni utshwala sibusuthe.  
 Kusasa kuzafana lanamuhla,  
 loba kube ngcono kakhulu.”

## 57

1 Abalungileyo bayabhubha,  
 kodwa kakho ocabanga ngakho enhliziyweni yakhe.  
 Abantu abazinikele ekukhonzeni bayasuswa,  
 njalo kakho okuzwisisayo ukuthi  
 abalungileyo basuswa  
 ukuba baphetshiswe ebubini.  
 2 Labo abahamba ngokulunga  
 bayangena ekuthuleni;

bathola ukuphumula belele ekufeni.

- 3 “Kodwa lina wozani lapha lina,  
madodana esanusekazi lina nzalo yezifebe leziphingi!
- 4 Ngubani elimklolodelayo na?  
Ngubani elimnemelayo  
limkhuphela inlimi zenu?  
Kalisinzalo yabahlamuki,  
labantwana babaqamba amanga na?
- 5 Liyatshiseka ngenkanuko ezihlahleni zom’Okhi,  
langaphansi kwezihlahla zonke eziyizithingithingi;  
lenza umhlatshe ngabantwabenu emakhelekehleni  
langaphansi kwamawa.
- 6 Izithombe eziphakathi kwamatshe abutshelezi emakhelekehleni yiso  
isabelo senu,  
yizo, yizo eziyisabelo senu.  
Yebo, kuzo lithele iminikelo yokunathwayo  
lanikela leminikelo yamabele.  
Ngenxa yalezizinto ngingaba lozwelo na?
- 7 Wenze umbheda wakho phezu koqaqa oluphakemeyo,  
wakhwela wayanikela imihlatshelo yakho khona.
- 8 Ngemva kwezivalo zakho langemva kwezinsika zomnyango wakho  
ubeke izifanekiso zakho zobuhedeni.  
Wathi ungilahla wembula umbheda wakho,  
wakhwela kuwo wawuvula waba banzi,  
wavumelana lalabo othanda imibheda yabo,  
wakhangela ubunqunu babo.
- 9 Uye kuMoleki ulamafutha e-oliva,  
wandisa lamakha akho.  
Uthume izithunywa zakho khatshana  
wangena ethuneni lona ngokwalo!
- 10 Wadiniswa yizindlela zakho zonke,  
kodwa wawungeke uthi, ‘Akusizi ngalutho.’  
Wathola ukuvuselelwa kwamandla akho.  
Ngakho kawuphelanga amandla.
- 11 Ngubani omesabe kangaka  
waze waba lamanga kimi,  
njalo kawaze wangikhumbula  
loba ukucabanga lokhu enhliziyweni yakho na?  
Akusingenxa yokuthi sengathula okwesikhathi eside kakhulu  
waze wangangesabi na?
- 12 Ukulunga kwakho lemisebenzi yakho ngizakuveza obala,  
njalo akuyikukusiza ngalutho.
- 13 Lapho usukhalela ukusizwa,  
iqoqo lezithombe zakho kalikuhlenge.  
Umoya uzazithatha zonke,  
lokuphephetha nje kuziphephulele khatshana.  
Kodwa umuntu owenza mina isiphephelo sakhe  
ilizwe lizakuba yilifa lakhe  
lentaba yami engcwele ibe ngeyakhe.”

*Induduzo Kwabazisolayo*

- 14 Njalo kuzathiwa:  
 “Candani, candani, lungisani indlela!  
 Susani izikhubekiso endleleni yabantu bami.”
- 15 Ngoba ophakemeyo ongaPhezulu,  
 yena ophila kokuphela, obizo lakhe lingcwele uthi:  
 “Ngihlala endaweni ephakemeyo lengcwele,  
 kodwa laye ozisolayo lothobekileyo emoyeni,  
 ukuba kuvuselelwe umoya wabathobekileyo,  
 kuvuselelwe lezinhliziyo zabazisolayo.
- 16 Angiyikulisola kokuphela  
 kumbe ngihlale ngithukuthele,  
 ngoba umoya womuntu ungaphela phambi kwami,  
 umoya womuntu engawudalayo.
- 17 Ngathukutheliswa yibuhwaba bakhe obubi;  
 ngamjezisa, ngafihla ubuso bami ngithukuthele,  
 kodwa waqhubeka ngezindlela zakhe zenkani.
- 18 Izindlela zakhe sengizibonile, kodwa ngizamsilisa.  
 Ngizamkhokhela, ngimduduze futhi,  
 19 ngenze ukubonga ezindebeni zabalilayo ko-Israyeli.  
 Ukuthula, ukuthula kwabakhatshana labaseduze,”  
 kutsho uTHIXO.  
 “Ngizabasilisa.”
- 20 Kodwa ababi banjengolwandle olugubhazelayo,  
 olungeke luphumule,  
 amagagasi alo ephosa udaka lengcekeza phezu.
- 21 “Akukho kuthula kwababi,” kutsho uNkulunkulu wami.

## 58

### *Ukuzila Okuqotho*

- 1 “Memeza kakhulu, ungathuli.  
 Phakamisa ilizwi lakho njengecilongo.  
 Tshela abantu bami ngokuhlamuka kwabo,  
 lendlu kaJakhobe uyitshela ngezono zabo.
- 2 Ngoba usuku ngosuku bayangidinga;  
 bafuna ukwazi izindlela zami,  
 sengathi bayisizwe esenza okulungileyo  
 esingalahlanga imilayo kaNkulunkulu waso.  
 Bacela izinqumo ezilungileyo kimi  
 bafune ukuthi uNkulunkulu asondele kubo.
- 3 Bathi, ‘Kungani sizilile,  
 kodwa wena wangakuboni na?  
 Kungani sizithobile  
 kodwa wangakunaki na?’
- Ikanti ngosuku lokuzila kwenu lenza elikuthandayo,  
 lincindezele lezisebenzi zenu zonke.
- 4 Ukuzila kwenu kucina ngengxabano lokulwa,  
 langokutshayana kubi ngenqindi.  
 Alingeke lizile njengelikwenzayo  
 lamhla lithembe ukuthi ilizwi lenu lizazwakala phezu.
- 5 Lokhu yikho ukuzila engikukhethileyo na,  
 ukuthi umuntu azithobe okosuku olulodwa nje?

Yikuthi umuntu akhothamise ikhanda lakhe njengomhlanga nje,  
 lokulala esakeni lemlotheni na?  
 Lokho yikho elithi yikuzila,  
 usuku olwamukelekayo kuTHIXO na?

<sup>6</sup> Lokhu akusikho yini ukuzila engikukhethileyo:  
 ukukhulula izibopho zokungalungi  
 lokuthukulula imichilo yejogwe,  
 kukhululwe abancindezelweyo,  
 kwephulwe amajogwe wonke na?

<sup>7</sup> Akusikwabela abalambayo ukudla kwakho  
 lokunika umnyanga ongumhambuma indawo yokuhlala,  
 lapho ubona abanqunu ubagqokise,  
 lokungafulatheli izihlobo zakho zegazi na?

<sup>8</sup> Lapho-ke ukukhanya kwakho kuzavela njengokusa,  
 lokusila kwakho kuzabonakala masinyane,  
 kuthi ukulunga kwakho kuhambe phambi kwakho,  
 inkazimulo kaTHIXO izakuba yisivikelo ngemva kwakho.

<sup>9</sup> Lapho-ke uzabiza, uTHIXO asabele;  
 uzacela usizo, yena uzakuthi: Ngilapha.

Nxa ungalahla ijogwe lokuncindezela  
 lokukhomba ngomunwe kanye lezinkulumo ezimbi;

<sup>10</sup> njalo nxa unika abalambayo ukudla kwakho,  
 wanelise lenswelo zabancindezelweyo,  
 ukukhanya kwakho kuzavela emnyameni,  
 ubusuku bakho buzakuba njengemini.

<sup>11</sup> uTHIXO uzakukhokhela kokuphela;  
 uzakwanelisa inswelo zakho elizweni elitshiswa lilanga,  
 aqinise amathambo akho.

Uzakuba njengesivande esithelezela kule,  
 lanjengomthombo olamanzi angacitshiyo.

<sup>12</sup> Abantu bakho bazawavusa amanxiwa amadala,  
 bavuse lezisekelo zakudala.

Uzabizwa ngokuthi uMakhi Wemiduli Eyadilikayo,  
 loMvuseleli wemiGwaqo leMizi.

<sup>13</sup> Nxa ugcina inyawo zakho zingephuli iSabatha,  
 njalo ungenzi intando yakho ngosuku lwami olungcwele,  
 nxa iSabatha ulibiza ngokuthi yintokozo  
 njalo usuku luKATHIXO olungcwele usithi lulodumo,  
 njalo nxa uluhlonipha ngokungahambi ngendlela yakho,  
 langokungenzi intando yakho loba ukukhuluma amazwi ayize,

<sup>14</sup> lapho-ke uzathola intokozo kuTHIXO,  
 njalo ngizakukhweza emiqolweni yelizwe,  
 ngikwenze udle ilifa likayihlo uJakhobe.”

Umlomo kaTHIXO usukhulumile.

## 59

### *Isono, Ukuvuma Lokuhlengwa*

<sup>1</sup> Ngeqiniso ingalo kaTHIXO kayimfitshane ukuba isindise,  
 lendlebe yakhe kayibuthundu ukuba izwe.

- 2 Kodwa ububi benu sebulahlukanise loNkulunkulu wenu;  
lezono zenu sezisithe ubuso bakhe kini ukuze angezwa.
- 3 Ngoba izandla zenu zingcolisiwe ngegazi,  
leminwe yenu ingcoliswe yibubi.  
Izindebe zenu zikhulume amanga  
lolimi lwenu luhlebeza izinto ezimbi.
- 4 Kakho odinga ukwahlulela okuhle,  
kakho okhuluma ecaleni lakhe ngobuqotho.  
Bathembe ukuphika ngeze bekhuluma amanga;  
bemula uhlupho, bazale ububi.
- 5 Bachamisela amaqanda ezinhlanguwana,  
beluke ubulembu besayobe.  
Langabe ngubani odla amaqanda azo uzakufa,  
njalo nxa elinye lawo lichanyiselwe kuphuma ibululu.
- 6 Ubulembu babo kabusizi ekugqokeni;  
abangeke bazimboze ngabakwenzayo.  
Izenzo zabo yizenzo ezimbi,  
izenzo zodlakela zisezandleni zabo.
- 7 Inyawo zabo zigijimela ukona;  
bayaphangisa ukuchitha igazi elimsulwa.  
Imicabango yabo yimicabango emibi;  
ukuchitha lokubhubhisa kubonakalisa izindlela zabo.
- 8 Indlela yokuthula kabayazi;  
akukho kulunga ezindleleni zabo.  
Sebenze zaba yimigwaqo ezombelezayo,  
kakho ohamba ngazo ozakwazi ukuthula.
- 9 Ngakho-ke ukwahlulela okuhle kukhatshana lathi,  
lokulunga akufiki kithi.  
Sidinga ukukhanya, kodwa kulobumnyama kuphela;  
sidinga ukucazimula, kodwa sihamba emathunzini amnyama.
- 10 Njengeziphofu siphumputha silandela umduli,  
siphumputhe indlela yethu njengabantu abangelamehlo.  
Sikhubeka emini ingathi kukusihlwa;  
kwabalamandla, sinjengabafuleyo.
- 11 Sonke siyahwabha njengamabhele,  
sibubule ngosizi njengamajuba.  
Sidinga ukwahlulela okuhle, kodwa kasikutholi;  
sidinga ukuhlengwa, kodwa kukhatshana.
- 12 Ngoba ukona kwethu kuwe kunengi,  
lezono zethu zifakaza okubi ngathi.  
Ukona kwethu kuhlezi kulathi;  
siyabuvuma ububi bethu,
- 13 ukuhlamuka lokungathembeki kuTHIXO,  
ukufulathela uNkulunkulu wethu,  
ukukhuthaza uncindezelo lomvukela,  
ukukhuluma amanga esiwacabange ngezinhliziyi zethu.
- 14 Ngakho ukwahlulela okuhle kufuqelwa emuva,  
ukulunga kume khatshana;  
iqiniso likhubekile ezindleleni,  
ubuqotho bungeke bungene.

15 Iqiniso kalitholwa ndawo;  
oxwaya ububi uyahlaselwa.

UTHIXO wakhangela wadaniswa  
yikuswelakala kokwahlulela okuhle.

16 Wabona ukuthi kwakungelamuntu,  
wanengwa yikuthi kakho owayengalamula;  
ngakho waletha ukukhululwa ngamandla akhe,  
ukulunga kwakhe kwamqinisa.

17 Wagqoka ukulunga njengesivikelo sakhe sasesifubeni,  
lengowane yensindiso ekhanda lakhe;  
wagqoka izembatho zokuphindisela  
njalo wazigoqela ngokutshiseka njengokuzigoqela ngengubo.

18 Uzaphindisela ulaka ezitheni zakhe,  
kusiya ngalokho abakwenzileyo;  
lokujeziswa kwabamelana laye;  
izihlenge uzaziphindisela ngemfanelo yazo.

19 Kusukela entshonalanga abantu bazalesaba ibizo LIKATHIXO,  
njalo kusukela ekuphumeni kwelanga bazadumisa ubukhosi bakhe.  
Ngoba uzafika njengesikhukhula esifutheleneyo  
esifuqwa ngumoya KATHIXO.

20 “Umhlengi uzafika eZiyoni,  
kwabakaJakhobe abavuma izono zabo,”  
kutsho UTHIXO.

21 “Mina lesi yiso isivumelwano sami labo,” kutsho UTHIXO. “Umoya wami okuwe, lamazwi ami engiwabeke emlonyeni wakho akuyikusuka emlonyeni wakho, kumbe emlonyeni yabantwabakho, loba emlonyeni yezizukulwane zabo kusukela ngalesisikhathi kuze kube nininini,” kutsho UTHIXO.

## 60

### *Inkazimulo YaseZiyoni*

1 “Vuka, khazimula, ngoba ukukhanya kwakho sekufikile,  
lenkazimulo KATHIXO iyavela phezu kwakho.

2 Khangela, umnyama wembese umhlaba,  
umnyama omkhulu usibekele abantu.

Kodwa UTHIXO uyakhanya phezu kwakho  
lenkazimulo yakhe iyabonakala phezu kwakho.

3 Izizwe zizakuza ekukhanyeni kwakho,  
lamakhosi alande ukuqhama kokusa kwakho.

4 Phakamisa amehlo akho ukhangele amacele akho wonke:  
bonke babuthana beze kuwe;

amadodana akho avela khatshana,  
lamadodakazi akho athwelwe ngengalo.

5 Ngakho uzakhangela ubobotheke ngokujabula,  
inhliziyi yakho izatshaya ikhukhumale ngenxa yentokozo;

inotho yasolwandle izaletswa kuwe,  
lenotho yezizwe izakuza kuwe.

6 Imihlambi yamakamela izagcwala elizweni lakho,  
amakamela asakhulayo aseMidiyani lase-Efa.

Wonke avela eShebha azakuza  
ethwele igolide lempepha

ememezela udumo LUKATHIXO.

<sup>7</sup> Yonke imihlambi yaseKhedari izabuthelwa kuwe;  
inqama zaseNebhayothi zizakusiza;  
zizakwamukeleka njengeminikelo e-alithareni lami,  
njalo ngizahlobisa ithempeli lami elilodumo.

<sup>8</sup> Ngobani laba abandiza njengamayezi  
lanjengamajuba esiya ezidlekeni zawo na?

<sup>9</sup> Ngeqiniso izihlenge zithembe mina;  
ekhokheleyo yimikhumbi yaseThashishi,  
iletha amadodana akho avela khatshana,  
lesiliva sawo kanye legolide  
ukuba kudunyiswe UTHIXO uNkulunkulu wakho,  
oNgcwele ka-Israyeli,  
ngoba ukunike inkazimulo.

<sup>10</sup> Abezizwe bazayakha futhi imiduli yakho,  
lamakhosi abo azakukhonza.  
Lanxa ekuthukutheleni kwami ngakutshaya,  
kodwa ngomusa wami ngizakuba lesihawu kuwe.

<sup>11</sup> Amasango akho azahlala evulekile;  
kawayikuvalwa emini loba ebusuku  
ukuze abantu bakulethele inotho yezizwe,  
amakhosi azo ekhokhelwe ludwendwe lokunqoba.

<sup>12</sup> Ngoba isizwe kumbe umbuso ongayikukukhonza uzatshabalala;  
uzachitheka uphele nya.

<sup>13</sup> Udumo lwaseLebhanoni luzakuza kuwe;  
zonke izihlahla ezamaphayini, umfiri lomsiphresi,  
ukuzehlobisa indlu yami engcwele;  
lendawo yezinyawo zami ngizayenza ikhazimule.

<sup>14</sup> Amadodana abancindezeli bakho  
azakuza akhothame phambi kwakho;  
bonke abakweyisayo  
bazakhothamela phansi ezinyaweni zakho,  
njalo bazakubiza ngokuthi iDolobho LIKATHIXO,  
iZiyoni yakhe oNgcwele ka-Israyeli.

<sup>15</sup> Lanxa ubulahliwe, uzondakala,  
kungekho ohamba edabula phakathi kwakho,  
ngizakwenza ube ligugu elingapheliyo,  
uthokozise izizukulwane zonke.

<sup>16</sup> Uzanatha uchago lwezizwe,  
umunyiswe emabeleni asesikhosini.  
Lapho-ke uzakwazi ukuthi NGINGUTHIXO, uMsilisi wakho,  
uMhlengi wakho, uMninimandla kaJakhobe.

<sup>17</sup> Esikhundleni sethusi ngizakulethela igolide,  
lesiliva esikhundleni sensimbi.  
Esikhundleni sezigodo ngizakulethela ithusi,  
lensimbi esikhundleni samatshe.



Ngizakwenza ukuthula kube ngumbusi wakho,  
lokulunga kube yinkosi yakho.  
<sup>18</sup> Akusayikuba lodlakela elizweni lakho,  
akusayikuba khona ukuchitheka  
loba ukutshabalala phakathi kwelizwe lakini,  
kodwa uzakuthi imiduli yakho yiNsindiso,  
lamasango akho uthi yiNdumiso.  
<sup>19</sup> Ilanga kalisayikuba yikukhanya kwakho emini  
loba ukukhanya kwenyanga kukukhanyise,  
ngoba UTHIXO uzakuba yikukhanya kwakho okungapheliyo,  
loNkulunkulu wakho abe yinkazimulo yakho.  
<sup>20</sup> Ilanga lakho kaliyikutshona futhi,  
lenyanga yakho ayisayikufiphala njalo.  
UTHIXO uzakuba yikukhanya kwakho okungapheliyo,  
lezinsuku zakho zezinsizi zizaphela.  
<sup>21</sup> Lapho-ke bonke abantu bakho bazakuba ngabalungileyo,  
lelizwe lizakuba lilifa labo kokuphela.  
Bangamahlumela engawahlanyelayo,  
umsebenzi wezandla zami,  
ukuba ngibonakalise inkazimulo yami.  
<sup>22</sup> Ingcosana yakho izakuba yinkulungwane,  
abancinyane bazakuba yisizwe esilamandla.  
Mina NGINGUTHIXO;  
ngesikhathi esifaneleyo lokhu ngizakwenza ngokuphangisa.”

## 61

<sup>17</sup> “‘Isinqumo lesi sibikwa yizithunywa, zona ezingcwele yizo ezimemezela lesi isigwebo, ukuze kuthi abaphilayo bazi ukuthi oPhezukonke unguThixo yemibuso yabantu njalo uyabanikela loba kukubani amfunayo futhi enze babuswe ngumuntukazana.’”

<sup>18</sup> Yilo iphupho engibe lalo mina inkosi uNebhukhadineza. Manje-ke Bhelitheshazari, ngitshela ukuthi litshoni, ngoba kasikho isihlakaniphi embusweni wami esingangihlahlulela lona. Kodwa wena ungakwenza, ngoba umoya wabonkulunkulu abangcwele uphakathi kwakho.”

### *UDanyeli Uchaza Iphupho*

<sup>19</sup> Yikho uDanyeli (njalo othiwa nguBhelitheshazari) wakhathazeka kakhulu okwesikhathi esithile, imicabango yakhe yamethusa. Yikho inkosi yasisithi, “Bhelitheshazari, ungethuswa liphupho lelo kumbe yincazelo yalo.”

UBhelitheshazari waphendula wathi, Nkosi yami, sengathi ngabe iphupho lelo liqonde labo abayizitha zakho lengcazelo yalo ikhomba labo abakuzondayo! <sup>20</sup> Isihlahla osibonileyo, esakhula saba sikhulu saqina, isiqongo saso sikhotha isibhakabhaka size sibonakale emhlabeni wonke, <sup>21</sup> silamahlamvu abukekayo lezithelo ezinengi, sisipha ukudla kukho konke, siphe isiphephelo izinyamazana zeganga, emagatsheni aso silezindawo zezidleke lezinyoni zemoyeni, <sup>22</sup> wena, Oh nkosi, uyilesosihlahla! Usube mkhulu waba lamandla; ubukhulu bakho sebandile sebuze buthinta isibhakabhaka, lombuso wakho usufinyelela ezindaweni ezikude ezomhlaba.

<sup>23</sup> “Wena, Oh nkosi, wabona isithunywa, sona esingcwele, sisehla sivela ezulwini sisithi, ‘Sigamuleleni phansi isihlahla lisicakaze, kodwa litshiye isidindi, sibotshiwe ngensimbi langethusi, siphakathi kotshani beganga, impande zaso zisale emhlabathini. Kagxanxwe ngamazolo

aphezulu; kaphile njengezinyamazana zeganga kuze kudlule iminyaka eyisikhombisa.’

<sup>24</sup> Nansi ingcazelo, Oh nkosi, njalo lesi yisimiso soPhezukonke asimisele umhlekezi wami inkosi: <sup>25</sup> Uzaxotshwa ebantwini uyehlala lezinyamazana zeganga: uzakudla utshani njengezinkomo, ugxanxwe ngamazolo aphezulu. Kuzakudlula iminyaka eyisikhombisa uze uvume ukuthi oPhezukonke uyabusa phezu kwemibuso yabantu ayinika ingqe ngulowo amthandayo. <sup>26</sup> Umlayo wokutshiya isidindi kanye lezimpende zaso utsho ukuthi umbuso wakho uzabuyiselwa kuwe nxatshana usu-vuma ukuthi iZulu liyabusa. <sup>27</sup> Ngakho-ke, Oh nkosi, kuhle ukuthi wamukele ukecebisa kwami: Yekela izono zakho wenze okulungileyo, lobubi bakho ube lomusa kwabancindezelweyo. Lapho-ke mhlawumbe ukuphumelela kwakho kungaqhubeka.”

### *Ukugcwaliseka Kwephupho*

<sup>28</sup> Konke lokhu kwenzakala enkosini uNebhukhadineza. <sup>29</sup> Sekudlule izinyanga ezilitshumi lambili, inkosi ihambahamba ephahleni lwe-sigodlo saseBhabhiloni, <sup>30</sup> yathi, “Kakusilo yini iBhabhiloni leli en-galakra laba ngumuzi wobukhosi bami na?”

<sup>31</sup> Kwathi amazwi la elokhu esesemlonyeni wakhe kwehla ilizwi livela ezulwini lathi, “Nanku osukunqunyelwe, nkosi Nebhukhadineza: Amandla akho obukhosi asesusiwe kuwe. <sup>32</sup> Uzaxotshwa ebantwini uyehlala lezinyamazana zeganga; uzakudla utshani njengezinkomo. Kuzadlula iminyaka eyisikhombisa uze uvume ukuthi oPhezukonke uyabusa phezu kwemibuso yabantu ayiphe ingqe ngubani ngokuthanda kwakhe.”

<sup>33</sup> Masinyane nje okwakutshiwo ngoNebhukhadineza kwagcwaliseka. Waxotshwa ebantwini wadla utshani njengezinkomo. Umzimba wakhe wagxanxwa ngamazolo aphezulu, inwele zakhe zakhula njengezinsiba zengqungqulu, kwathi inzipho zakhe zaba njengenkumba zenyoni.

<sup>34</sup> Ekupheleni kwalesosikhathi, mina, Nebhukhadineza, ngaphakamisela amehlo ami ezulwini, ingqondo yami yabuya. Ngasengimdumisa oPhezukonke; ngambabaza, ngambonga yena ohlezi kuze kube phakade.

Ubukhosi bakhe buyibukhosi baphakade;

umbuso wakhe umi kulesi lakulesiyana isizukulwane.

<sup>35</sup> Imihlobo yonke yabantu bomhlaba  
ibonakala ingesilutho.

Wenza njengokuthanda kwakhe  
ezidalweni zasezulwini  
lasebantwini abasemhlabeni.

Kakho ongasivimbela isandla sakhe  
loba athi kuye: “Kanti wenzani na?”

<sup>36</sup> Ngasonalesosikhathi ingqondo yami yabuya, udumo lwami lenkaz-imulo yami kwabuyiswa kimi ukusekela ubukhosi bombuso wami. Abeluleki bami lezikhulu zami bangidinga bangibuyisela esihlalweni sami sobukhosi, ngase ngisiba mkhulu kulakuqala. <sup>37</sup> Ngakho-ke mina, Nebhukhadineza, ngiyayidumisa njalo ngiyayibabaza, ngiyiphakamise iNkosi yezulu, ngoba konke ekwenzayo kuqondile futhi lezindlela zayo zonke zilungile. Njalo bonke abazigqajayo iyabathobisa.

## 5

*Umbhalo Emdulini*

<sup>1</sup> Inkosi uBhelishazari wenzela izikhulu zakhe ezizinkulungwane idili elikhulu, wanatha lazo iwayini. <sup>2</sup> Kwathi uBhelishazari enatha iwayini lakhe walaya ukuthi kulethwe izitsha zegolide lezesiliva ezazithethwe nguyise uNebhukhadineza ethempelini eJerusalema, efuna ukuthi inkosi, lezikhulu zayo, labafazi bayo kanye labafazi bayo beceleni banathele kuzo. <sup>3</sup> Yikho baziletha izitsha zegolide ezazithethwe ethempelini likaNkulunkulu eJerusalema, kwasekusithi inkosi lezikhulu zayo kanye labafazi bayo beceleni banathela kuzo. <sup>4</sup> Bathi belinatha iwayini babelokhu bedumisa onkulunkulu begolide labesiliva, labethusi, labensimbi, labezigodo labamatshe.

<sup>5</sup> Masinyane nje kwavela iminwe yesandla somuntu yaloba emdulini eduzane loluthi lwesibane esigodlweni. Inkosi yasibukela isandla siloba. <sup>6</sup> Ubuso bayo bahloba, yethuka amadolo ayo aze atshayana, imilenze yathamba yathi wohlo phansi.

<sup>7</sup> Inkosi yamemeza yathi kakubizwe izangoma lezingcazi zezinkanyezi kanye lezanuse yasisithi kuwo la amadoda ayizihlakaniphi zaseBhabhiloni, “Loba ngubani ongabala umbhalo lo angitshela ukuthi utshoni uzagqokiswa eziyibubende agqiziswe iketane legolide entanyeni yakhe, njalo uzaphiwa isikhundla sesithathu sokuba ngumbusi kulelilizwe.”

<sup>8</sup> Zazingena zonke izihlakaniphi. Kodwa zehluleka ukuwubala umbhalo lokutshela inkosi ukuthi utshoni. <sup>9</sup> Ngakho inkosi uBhelishazari yathuthumela okwedlulayo, ubuso bayo bahloba. Izikhulu zayo zadideka.

<sup>10</sup> Indlovukazi yathi isizwa amazwi enkosi lezikhulu zayo yeza yangena endlini yedili. Yathi, “Oh nkosi, mana njalo. Ungethuki! Ungaze wahloba kanjalo! <sup>11</sup> Kulomuntu embusweni wakho olomoya wabonkulunkulu abangcwele phakathi kwakhe. Ngesikhathi sikayihlo watshengisa ukuqonda, lokukhalipha lenhlakanipho okufana lokwabonkulunkulu. Uyihlo, inkosi uNebhukhadineza yambeka ukuba yinduna yabomasalamusi, lezangoma, lezingcazi zezinkanyezi lezanuse. <sup>12</sup> Indoda le, uDanyeli, inkosi eyayimbiza ngokuthi nguBhelitheshazari, wabonakala elengqondo evukileyo, lolwazi lokuzwisisa, njalo elamandla okuhumutsha amaphupho, lokuchaza amalibho kanye lokuhlahlula izinkinga ezinzima. Mbize uDanyeli, uzakutshela ukuthi umbhalo utshoni.”

<sup>13</sup> Ngakho uDanyeli walethwa phambi kwenkosi, inkosi yathi kuye, “Wena unguye uDanyeli na, omunye wabathunjwa abalethwa ngubaba inkosi bevela koJuda? <sup>14</sup> Sengizwile ukuthi umoya wabonkulunkulu uphakathi kwakho lokuthi ulokuqonda, lokukhalipha lenhlakanipho eyinqaba. <sup>15</sup> Izihlakaniphi lezangoma zilethwe kimi ukuthi zingibalele umbhalo lo, zingitshela ukuthi utshoni, kodwa zehlulekile ukuwuchaza. <sup>16</sup> Manje sengizwile ukuthi wena ulamandla okutsho ingcazelo lokuhlahlula izinkinga ezinzima. Aluba ungawubala umbhalo lo uphinde ungitshela ukuthi utshoni, uzagqokiswa eziyibubende, ugqiziswe leketane legolide entanyeni yakho, uphinde ubekwe esikhundleni sokuba ngowesithathu ebukhulwini bombuso lo.”

<sup>17</sup> UDanyeli wasephendula inkosi wathi, “Ungazigcinela lezozipho zakho, uphe leyomivuzo yakho omunye umuntu. Loba kunjalo ngizayibalela inkosi umbhalo lowo ngiyitshela ukuthi utshoni.

<sup>18</sup> Yebo kambe nkosi, uNkulunkulu oPhezukonke wanika uyihlo uNebhukhadineza ubukhosi lobukhulu lodumo kanye lenkazimulo. <sup>19</sup> Ngenxa

yesikhundla esiphezulu amnika sona, bonke abantu kanye lezizwe zonke labantu bendimi zonke babemqhuqha, bemesaba. Labo inkosi eyafuna ukubabulala, yababulala; labo eyafuna ukubaxolela, yabaxolela; labo eyafuna ukubakhweza ezikhundleni yabakhweza; kwathi labo eyafuna ukubayangisa, yabayangisa. <sup>20</sup> Kodwa kwathi lapho inhliziyo yayo isilobuqholo, isilukhuni ngokuzigqaja yethulwa esihlalweni sayo sobukhosi yaphucwa udumo lwayo. <sup>21</sup> Yaxotshwa ebantwini yaphiwa ingqondo yenyamazana; yahlala labobabhemi beganga, yadla utshani njengezinkomo; lomzimba wayo wagxanxwa ngamazolo omkhathi yaze yavuma ukuthi uNkulunkulu oPhezukonke nguye uThixo phezu kwemibuso yabantu, abeke phezu kwayo loba nguphi umbusi amthandayo.

<sup>22</sup> Kodwa wena ndodana yayo, awu Bhelishazari, kawuzithobanga, lokuba ukwazi konke lokhu. <sup>23</sup> Endaweni yalokho, uzimisele ukumelana loThixo wezulu. Wathi kakuthathwe izitsha zethempeli layo zilethwe kuwe, kwasekusithi wena lezikhulu zakho, labafazi bakho kanye labafazi bakho beceleni lanathela iwayini kuzo. Wadumisa onkulunkulu besiliva legolide, abethusi, lensimbi, lezigodo lamatshe, abangaboniyo, labangezwayo labangaqedisisiyo. Kodwa kawumhloniphanga uNkulunkulu ophethe ukuphila kwakho kanye lezindlela zakho zonke esandleni sakhe.

<sup>24</sup> Kungakho ethumele lesosandla esalobe lumbhalo.

<sup>25</sup> Nanku umbhalo obulotshiwe:  
mene, mene, thekheli, pharisini.

<sup>26</sup> Nanku okutshiwo ngamagama la:  
*Mene*: Nkulunkulu usezibalile insuku zokubusa kwakho, usekuqedile.

<sup>27</sup> *Thekheli*: Usulinganisiwe esikalini wafunyanwa ulula.

<sup>28</sup> *Pharisini*: Umbuso wakho usuhlukaniswe phakathi, wabelwa amaMede lamaPhezhiya.”

<sup>29</sup> Kwathi ngomlayo kaBhelishazari uDanyeli wagqokiswa eziyibubende, wagqiziswa iketane legolide entanyeni yakhe, kwamenyazelwa ukuthi usengumbusi wesikhundla sobuthathu elizweni.

<sup>30</sup> Ngabona lobobusuku uBhelishazari, inkosi yamaBhabhiloni wabulawa, <sup>31</sup> kwathi uDariyu umuMede wabuthatha ubukhosi eleminyaka engamatshumi ayisithupha lambili.

## 6

### *UDanyeli Emgodini Wezilwane*

<sup>1</sup> UDariyu wathanda ukubeka ababusi bezigaba abalikhulu lamatshumi amabili (120) ukuba babuse kulolonke ilizwe, <sup>2</sup> wabeka omongameli abathathu phezu kwabo, omunye wabo enguDanyeli. Ababusi bezigaba babesethula kubo konke ukuze inkosi ingalahlekelwa lutho. <sup>3</sup> UDanyeli waba yisilomo, wedlula abanye omongameli lababusi bezigaba ngokwenza kwakhe, inkosi yaze yafisa ukumbeka phezu kwelizwe lonke. <sup>4</sup> Ngenxa yalokho omongameli lababusi bezigaba badinga amabhada okumangalela uDanyeli ngendlela ayeqhuba ngayo kwezombuso, kodwa behluleka. Kabafumananga kungcola kuye ngoba wayethembekile futhi engasihaga lemali njalo engayekethisi lutho. <sup>5</sup> Ekucineni amadoda la athi, “Kasisoza safa salizuzwa izaba lokwethesa indoda le uDanyeli icala ngaphandle kwalokho okuphathelene lomthetho kaNkulunkulu wakhe.”

<sup>6</sup> Ngakho omongameli lababusi bezigaba baya enkosini belixuku bafika bathi: “Oh nkosi Dariyu, mana njalo! <sup>7</sup> Omongameli besikhosini, labalisa,

lababusi bezigaba, labeluleki lababusi bemikhono yelizwe bonke sebevumelene ukuthi inkosi kayikhuphe isimemezelo iwugcizelele umlayo othi noma ngubani okhuleka kuwuphi uNkulunkulu noma umuntu phakathi kwalezi insuku ezingamatshumi amathathu, ngaphandle kokukhuleka kuwe wena, Oh nkosi, uzaphoselwa emgodini wezilwane. <sup>8</sup> Manje, Oh nkosi, sikhuphe lesosimemezelo sibhalwe phansi ukuze singaguqulwa njengoba kunjalo ngemithetho yamaMede lamaPhezhiya engaguqulwayo.”

<sup>9</sup> Ngakho inkosi uDaryu yawubhala phansi lowomthetho.

<sup>10</sup> Kwathi uDanyeli esezwile ukuthi umthetho wawusukhutshiwe, waya ekhaya endlini yakhe ephezulu esitezi eyayilamawindi avulwe akhangela eJerusalema. Kathathu ngelanga wayezilahla phansi ngamadolo akhuleke, ebonga uNkulunkulu wakhe, njengalokho ayevele ekwenza mandulo.

<sup>11</sup> Kwasekusithi amadoda la aqhubana elixuku afica uDanyeli ekhuleka ecela usizo kuNkulunkulu. <sup>12</sup> Asesiya enkosini ayakhuluma layo ngomthetho owaphuma esigodlweni, athi: “Kawukhuphanga isimemezelo yini sokuthi ngezinsuku ezilandelayo ezingamatshumi amathathu noma ngubani okhuleka komunye unkulunkulu noma umuntu ngaphandle kokukhuleka kuwe, Oh nkosi, uzaphoselwa emgodini wezilwane?”

Inkosi yaphendula yathi, “Lowomthetho umi njengemithetho yamaMede lamaPhezhiya, engeke iguqulwe.”

<sup>13</sup> Asesithi enkosini, “UDanyeli, ongomunye wabathunjwa bakoJuda, kakunanzi, wena nkosi, kanye lomthetho owawubhala phansi. Ulokhu ekhuleka kathathu ngelanga.” <sup>14</sup> Kwathi inkosi isikuzwile lokho yakhat-hazeka kakhulu; yayizimisele ukukhulula uDanyeli, yenza yonke imizamo yokumsiza ilanga laze layatshona.

<sup>15</sup> Amadoda lawo asehamba elixuku aya enkosini athi kuyo, “Khum-bula, Oh nkosi, ukuthi ngomthetho wamaMede lamaPhezhiya kakulasimemezelo loba isimiso esikhutshwe yinkosi esingaguqulwa.”

<sup>16</sup> Ngakho inkosi yasikhupha umlayo, basebemletha uDanyeli bamphosela emphandwini wezilwane. Inkosi yathi kuDanyeli, “Sengathi uNkulunkulu wakho omkhonzayo njalonjalo angakuhlenga!”

<sup>17</sup> Kwaletshwa ilitshe lafakwa emnyango womgodini, inkosi yasilinameka ngendandatho yayo yobukhosi langezindandatho zezikhulu zayo, ukuze umumo kaDanyeli ungaguqulwa. <sup>18</sup> Yikho inkosi yase ibuyela esigodlweni sayo yazila ukudla lokunatha ubusuku bonke. Yehluleka ukulala.

<sup>19</sup> Kwathi emadabukakusa inkosi yavuka yaya emgodini wezilwane. <sup>20</sup> Ithe isifikile emgodini, yamemeza uDanyeli ngelizwi losizi yathi, “Danyeli, nceku kaNkulunkulu ophilayo, uNkulunkulu wakho omkhonza njalonjalo ukuphephisile yini ezilwaneni?”

<sup>21</sup> UDanyeli waphendula wathi, “Oh nkosi, mana njalo! <sup>22</sup> UNkulunkulu wami uthume ingilosi yakhe yayivala imilomo yezilwane. Kazingilimazanga ngoba ngifunyanwe ngingelacala phambi kwakhe. Njalo kangikaze ngenze okubi kuwe, Oh nkosi.”

<sup>23</sup> Inkosi yathaba yafa yakhupha umlayo wokuba uDanyeli akhutshulwe emgodini lowo. UDanyeli esekhutshiwe emgodini, kakubonakalanga nxeba kuye, ngoba wathemba kuNkulunkulu wakhe.

<sup>24</sup> Inkosi yalaya ukuthi balethwe labo ababemangalele uDanyeli ngamanga baphoselwa emgodini wezilwane kanye labafazi babo labantwababo. Bathi bengakathinti phansi emgodini izilwane zabaqaga zabafohloza wonke amathambo abo.

<sup>25</sup> Inkosi uDariyu yasilobela bonke abantu, lezizwe zonke lenhlanga zendimi zonke kulolonke ilizwe yathi:

“Sengathi impilo enhle inganda kini!

<sup>26</sup> Ngimisa isimiso sokuthi kuzozonke izindawo zombuso wami, abantu kabesabe, bakhonze uNkulunkulu kaDanyeli.

Ngoba unguNkulunkulu ophilayo,  
omiyo kuze kube phakade;  
umbuso wakhe kawuyikubhidlizwa,  
lobukhosi bakhe kabusoze buphele.

<sup>27</sup> Uyakhulula, asindise;  
wenza izibonakaliso lezimangaliso  
emazulwini lasemhlabeni.

Umhlangulile uDanyeli  
emandleni ezilwane.”

<sup>28</sup> Ngakho uDanyeli waphumelela ngesikhathi sokubusa kukaDariyu lesokubusa kukaKhurosi umPhezhiya.

## 7

### *Iphupho LikaDanyeli Elezilo Ezine*

<sup>1</sup> Ngomnyaka wokuqala kaBhelishazari inkosi yaseBhabhiloni, uDanyeli waphupha iphupho, kwaphithika imibono engqondweni yakhe elele embhedeni wakhe. Wakubhala phansi okwakuqukethwe liphupho lakhe.

<sup>2</sup> UDanyeli wathi: “Embonweni wami ebusuku ngakhangela ngabona phambi kwami imimoya emine yasezulwini iqubula ulwandle olukhulu.

<sup>3</sup> Izilo ezine ezinkulu, yilesi singafanani lezinye, zaqhamuka olwandle.

<sup>4</sup> Esakuqala sasinjengesilwane, njalo silamaphiko engqungqulu. Ngabukela amaphiko aso aze akhutshwa, sasesiphakanyiswa emhlabathini sema ngezinyawo ezimbili njengomuntu, sasesiphiwa inhliziyo yomuntu.

<sup>5</sup> Khonapho phambi kwami kwakujame isilo sesibili esasifana lebhele. Sasiphakanyisiwe kwelinye icele laso, njalo emlonyeni waso sasilezimbambo ezintathu emazinyweni aso. Satshelwa kwathiwa, ‘Sukuma udle inyama usuthe!’

<sup>6</sup> Ngemva kwalokho ngakhangela ngabona phambi kwami esinye isilo esasikhangeleka njengengwe. Emhlane waso sasilamaphiko amane afana lawenyoni. Isilo lesi sasilamakhanda amane, saphiwa amandla okuba sibuse.”

<sup>7</sup> Ngemva kwalokho, embonweni wami ebusuku ngakhangela, kwathi phambi kwami kwema isilo sesine esithuthumelisayo, sisesabeka njalo silamandla amakhulu. Sasilamazinyo ensimbi amakhulu; safohloza esikubambileyo sakudla, okuseleyo sakugxobela phansi. Sasingafanani lazozonke izilo zakuqala, sona silempondo ezilitshumi.

<sup>8</sup> Ngisalokhu ngicabanga ngempondo lezo, khonapho phambi kwami kwaba lolunye uphondo oluncinyane olwama phakathi kwazo; kwathi ezintathu zempondo zakuqala zagunyulwa phambi kwalo. Uphondo lolu lwalulamehlo anjengamehlo omuntu lomlomo owawukhuluma okokuzikhukhumeza.

<sup>9</sup> “Ngisakhangele,  
kwabekwa izihlalo zobukhosi,  
uSimakade wahlala kwesakhe.  
Izigqoko zakhe zazimhlophe njengeqhwa;  
inwele zekhanda lakhe zimhlophe njengoboya bezimvu.  
Isihlalo sakhe sasilavuka umlilo,



lamavili aso wonke evutha umlilo.  
<sup>10</sup> Kwakugeleza umfula womlilo,  
 uthutsha ngaphambi kwakhe.  
 Izinkulungwane lezinkulungwane zazimkhonza;  
 izinkulungwane ezilitshumi  
 ziphindwe ngezinkulungwane ezilitshumi  
 zema phambi kwakhe.  
 Inkundla yokwahlulela yahlala phansi,  
 kwasekuvulwa izincwadi.”

<sup>11</sup> Ngasengiqhubeka ngilokhu ngibukele ngenxa yamazwi okuzikhukhumeza ayekhulunywa luphondo. Ngala ngilokhu ngikhangele isilo saze sabulawa, isidumbu saso saphoselwa emlilweni ovuthayo.  
<sup>12</sup> (Leziyana ezinye izilo zase ziphuciwwe ubukhulu bazo kodwa zavunyelwa ukuphila okwesikhathi esithile.)

<sup>13</sup> Embonweni wami ebusuku ngakhangele kwabonakala khonapho phambi kwami lowo owayefana lendodana yomuntu esiza ngamayezi ezulu. Yasondela kuSimakade yasiwa phambi kwakhe. <sup>14</sup> Yaphiwa amandla lobukhosi lamandla okubusa; bonke abantu, lezizwe zonke labantu bendimi zonke bamkhonza. Ubukhosi bakhe yibukhosi obungapheliyo obungayikwedlula, lombuso wakhe kawusoze uchithwe.

### *Ingcazelo Yephupho*

<sup>15</sup> Mina Danyeli, ngakhathazeka emoyeni, lemibono eyayidlula engqondweni yami yangidabula. <sup>16</sup> Ngasondela komunye walabo ababemi khonapho ngambuza okuyikho okutshiwo yikho konke lokhu.

Yikho wangitshela wangipha ingcazelo yezinto lezi, wathi: <sup>17</sup> “Izilo ezine ezinkulu yimibuso emine ezaqhamuka emhlabeni. <sup>18</sup> Kodwa abangcwele bakhe oPhezukonke bazawemukela umbuso ube ngowabo lanininini, yebo, okwanini lanini.”

<sup>19</sup> Ngase ngifisa ukwazi ingcazelo eqotho eyesilo sesine, esasingafanani lezinye njalo sisesabeka kakhulu, ngamazinyo aso ensimbi lenzipho zethusi, isilo esafohloza sadla esikubambileyo sagxobagxoba okuseleyo. <sup>20</sup> Ngafuna njalo ukwazi ngempondo ezilitshumi ekhanda laso langalolo olunye uphondo olwamilayo, okwathi ezinye ezintathu zawa phambi kwalo lolophondo olwabonakala kakhulu kulezinye, olwalulamehlo kanye lomlomo owawukhuluma ngokukloloda. <sup>21</sup> Ngilokhu ngibukele, uphondo lolu lwalusilwa luhlasela abangcwele lubehlula, <sup>22</sup> kwaze kwafika uMvelinqaki wabalamulela abangcwele bakhe oPhezukonke, kwafika isikhathi bawuthatha umbuso.

<sup>23</sup> Wangipha ingcazelo le: Isilo sesine singumbuso wesine ozavela emhlabeni. Uzaba lomahluko kweminye yonke imibuso njalo uzawuthumba wonke umhlaba, uwugxobagxobe, uwufohloze. <sup>24</sup> Impondo ezilitshumi ngamakhosi alitshumi azavela kuwo lo umbuso. Ngemva kwawo kuzavela enye inkosi engafani lalayana awokuqala; izanqoba amakhosi amathathu. <sup>25</sup> Izakhuluma okubi ngoPhezukonke incindezele abangcwele bakhe izame ukuguqula izikhathi ezimisiweyo kanye lemithetho. Abangcwele bazanikelwa kuyo okwesikhathi esithile, izikhathi ezilengxenye yesikhathi.

<sup>26</sup> Kodwa umthethwandaba uzahlala phansi, amandla ayo asuswe abhidlizwe okwanini lanini. <sup>27</sup> Lapho-ke ubukhosi, lamandla lobukhulu bemibuso leyo ngaphansi kwezulu lonke kuzaphiwa abangcwele, abantu bakhe oPhezukonke. Umbuso wakhe uzakuba ngumbuso ongapheliyo, njalo bonke ababusi bazamkhonza bamlalele.

<sup>28</sup> “Lokhu yikho ukuphela kwendaba. Mina Danyeli ngakhathazeka kakhulu ngemicabango yami, ubuso bami bahloba, kodwa indaba le yaba yimfihlo yami.”

## 8

### *Umbono KaDanyeli Owenqama Lembuzi*

<sup>1</sup> Ngomnyaka wesithathu wokubusa kwenkosi uBhelishazari mina Danyeli ngaba lombono ohambelana lalowo owake wangifikela ngaphambili. <sup>2</sup> Embonweni wami ngazibona ngisenqabeni yaseSusa esigabeni sase-Elamu; embonweni ngangisekhunjini lomgelomfula u-Ulayi. <sup>3</sup> Ngakhangela, ngabona khonapho phambi kwami kwakulenqama elempondo ezimbili imi eceleni komgelo, impondo zazizinde. Olunye lwempondo lwalulude kulolunye kodwa muva lwakhula kakhulu. <sup>4</sup> Ngayibukela inqama ihlasela isiya entshonalanga, lenyakatho leningizimu. Kwakungelanyamazana eyayingamelana layo, kungekho njalo ongalamulela emandleni ayo. Yazenzela ngokuthanda kwayo yaba yinto enkulu.

<sup>5</sup> Ngilokhu ngicabanga ngalokhu, masinyane kwathutsha imbuzi entshonalanga ilophondo oluqaphileyo phakathi kwamehlo ayo, idabula phakathi komhlaba wonke ingathintanga umhlabathi. <sup>6</sup> Yasondela enqameni yempondombili engayibona imi ekhunjini lomgelomfula yayihlasela ngolaka olukhulu. <sup>7</sup> Yayidumela inqama ngodlakela, yayigqubula yavikiza impondo zombili. Inqama yayingelamandla okumelana layo; impongo le yayilahla phansi inqama yayigxobagxoba, kungekho ongayilamulela emandleni ayo. <sup>8</sup> Impongo (imbuzi) yaba lamandla amakhulu, kodwa kwathi amandla ayo esemakhulu kangako uphondo lwayo olukhulu lwephuka, endaweni yalo kwakhula impondo ezine eziqaphileyo ezakhula zakhangela kuwo wonke amagumbi amane omkhathi.

<sup>9</sup> Kolunye uphondo lwayo kwathutsha olunye uphondo olwaqalisa luluncinyane kodwa lwakhula ngamandla kusiya eningizimu, lasempumalanga laseLizweni Elihle. <sup>10</sup> Lwakhula lwaze lwafinyelela izinkanyezi zezulu, lwaphosela phansi emhlabeni ezinye izinkanyezi lwazigxobagxoba. <sup>11</sup> Lwaziphakamisa ngokuzikhukhumeza njengengomlawuli webutho LIKATHIXO, lwamisa umhlatshelo walo wansuku zonke KUTHIXO lendawo yakhe yokukhonzela yangcoliswa.

<sup>12</sup> Ngenxa yomvukela, ibutho LIKATHIXO, kanye lomhlatshelo wansuku zonke kwanikelwa kulo. Lwaphumelela kukho konke olwalukwenza, iqiniso alabe lisatsho ulutho.

<sup>13</sup> Ngasengisizwa ongcwele ekhuluma, omunye ongcwele wathi kuye, “Kuzathatha isikhathi esingakanani ukuze umbono lo ugcwaliseke, umbono omayelana lomhlatshelo wansuku zonke, lomvukela oletha incithakalo, lokukhalala indawo yokukhonzela, lezinkanyezi ezizagxotshwagxotshwa zinyawo zabantu BAKATHIXO?”

<sup>14</sup> Wathi kimi, “Kuzathatha izikhathi zokuhlwa lezokusa ezizinkulungwane ezimbili lamakhulu amathathu (2,300); lapho-ke indawo yokukhonzela izangcweliswa kutsha.”

### *Ingcazelo Yombono*

<sup>15</sup> Kwathi mina Danyeli ngilokhu ngiwubukele umbono lo, ngizama ukuwuzwisisa, kwema khonapho phambi kwami othile owayefana lomuntu. <sup>16</sup> Ngasengisizwa ilizwi lomuntu limemeza lisuka e-Ulayi lisithi, “Gabhriyeli, tshela umuntu lo ingcazelo yombono lo.”

<sup>17</sup> Wathi esondela engangimi khona, ngezwa ngisesaba, ngawa ngithe thwitshi. Wathi kimi, “Ndodana yomuntu, qedisisa ukuthi umbono umayelana lesikhathi sokucina.”

<sup>18</sup> Wathi esakhuluma lami, ngalala ubuthongo obunzima ngithe mbo phansi ngobuso. Wasengithinta, wangiphakamisa, wangimisa ngezinyawo zami.

<sup>19</sup> Wathi, “Ngizakutshela okuzakwenzakala ngemuva, ngesikhathi esimisiweyo esokucina. <sup>20</sup> Inqama empondombili owayibonayo imele amakhosi eMede lePhezhiya. <sup>21</sup> Impongo eyisinephu yinkosi yeGrisi, lophondo olukhulu oluphakathi kwamehlo ayo yinkosi yakuqala. <sup>22</sup> Impondo ezine ezathatha indawo yalolo olwephukayo zimele imibuso emine ezaphuma esizweni sakhe kodwa kayiyikuba lamandla alingana lawaso.”

<sup>23</sup> Lapho umbuso wabo ususiya ekucineni, abahlamuki nxa sebexhwale beqisa, inkosi elolunya, eliqili kakhulu, izavela. <sup>24</sup> Izaqina kakhulu kodwa kungasikho ngenxa yamandla ayo. Izakwenza umonakalo wokubhidliza okukhulu, iphumelele kukho konke ekwenzayo. Izawabhuhisa amaqhawe kanye labantu abangcwele. <sup>25</sup> Izakwandisa inkohlakalo, izibone yona isedlula bonke abanye. Bazakuthi besithi sebezinzile, izabhuhisa abanengi ibe isihlasela iNkosi yamakhosi. Ikanti yona izabhujiswa kodwa hatshi ngezandla zomuntu.

<sup>26</sup> “Umbono owuphiweyo owezikhathi zokuhlwa lezokusa uliqiniso, kodwa ugcike umbono lo, ngoba uphathelane lesikhathi esizayo esikhatshana.”

<sup>27</sup> Mina Danyeli, ngadinwa kakhulu ngalala ngingogulayo okwensuku ezimbalwa. Ngasengivuka ngaqhubeka ngomsebenzi wami wenkosi. Ngadideka ngombono lowo; wawungaphezu kwengqondo.

## 9

### *Umkhuleko KaDanyeli*

<sup>1</sup> Ngomnyaka wokuqala kaDariyu indodana ka-Ahasuweru (umuMede ngosendo), owenziwa umbusi phezu kombuso waseBhabhiloni <sup>2</sup> ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe, mina Danyeli ngezwa emiBhalweni, mayelana lelizwi LIKATHIXO elaphiwa uJeremiya umphrofethi, ukuthi incithakalo yeJerusalema yayizakuba khona okweminyaka engamatshumi ayisikhombisa. <sup>3</sup> Yikho ngaphendukela eNkosini uNkulunkulu ngamncenga ngomkhuleko langokulabhela, langokuzila, ngigqoke amasaka ngazibhuqa emlotheni.

<sup>4</sup> Ngakhuleka KUTHIXO uNkulunkulu wami ngafakaza ngathi:

“Oh Nkosi, Nkulunkulu omkhulu, owesabekayo, ogcina isivumelwano sakhe sothando lalabo bonke abamthandayo, abagcina imilayo yakhe: <sup>5</sup> senzile isono njalo senza okubi. Sisuke saxhwala, sahlamuka; siyifulathele imilayo yakho kanye lemithetho yakho. <sup>6</sup> Kasizilalanga izinceku zakho abaphrofethi abakhuluma ngebizo lakho emakhosini ethu, lamakhosana ethu lakubobaba lakubo bonke abantu belizwe.

<sup>7</sup> Nkosi, ulungile, kodwa lamuhla sembeswe ngehlazo, abantu bako-Juda labantu beJerusalema lo-Israyeli wonke, abaseduze labakude, kuwo wonke amazwe lapho osihlakazele khona ngenxa yokungathembeki kwethu kuwe. <sup>8</sup> Oh THIXO, thina lamakhosi ethu, lamakhosana ethu kanye labobaba sembeswe ngehlazo ngoba senzile isono kuwe.

<sup>9</sup> INkosi uNkulunkulu wethu ilesihawu njalo iyathethelela loba thina siyihlamukele; <sup>10</sup> kasimlalelanga UTHIXO uNkulunkulu wethu, njalo

kasiyigcinanga imithetho asipha yona ngezinceku zakhe abaphrofethi. <sup>11</sup> U-Israyeli wonke uwephule umthetho wakho wafulathela, esala ukukulalela.

Ngakho iziqalekiso lezahlulelo ezifungelwayo ezibhaliweyo eMthethweni kaMosi, inceku kaNkulunkulu, zithululelwe phezu kwethu, ngoba senzile isono kuwe. <sup>12</sup> Usuwagcwalisile amazwi okusilahla njalo alahla ababusi bethu ngokusehlisela incithakalo enkulu. Ngaphansi kwalo lonke izulu kakukaze kwenziwe ulutho olulingana lalokhu osekwenziwe eJerusalema. <sup>13</sup> Njengoba kulotshiwe eMthethweni kaMosi yonke le incithakalo yehlele kithi, ikanti kasicelanga umusa KATHIXO uNkulunkulu wethu ngokufulathela izono zethu sifunisise iqiniso lakho. <sup>14</sup> UTHIXO kathikazanga ukwehlisela incithakalo phezu kwethu, ngoba UTHIXO uNkulunkulu wethu ulungile kukho konke akwenzayo; kodwa kasimlalelanga.

<sup>15</sup> Manje-ke, Nkosi Nkulunkulu wethu, owakhupha abantu bakho eGibhithe ngesandla esilamandla njalo owazenzela ibizo elimiyo kuze kube namhla, senzile isono, senzile okubi. <sup>16</sup> Nkosi, ngenxa yemisebenzi yakho yonke elungileyo, qambula ulaka lwakho lentukuthelo yakho kusuke eJerusalema, idolobho lakho, intaba yakho engcwele. Izono zethu lezinengiso zabobaba sezenze iJerusalema labantu bakho baba yinto yokuhlekisa kubo bonke abakhelene lathi.

<sup>17</sup> Manje-ke, Nkulunkulu wethu, zwana imikhuleko lokulabhela kwenceku yakho. Ngenxa yebizo lakho, awu Nkosi, ake uhawukele indlu yakho engcwele esibhidlikile. <sup>18</sup> Beka indlebe yakho, Oh Nkulunkulu, uzwe; vula amehlo akho ubone incithakalo yedolobho elibizwa ngeBizo lakho. Kasilethi lezizicelo kuwe ngoba silungile, kodwa ngenxa yesihawu sakho esikhulu. <sup>19</sup> Nkosi, lalela! Nkosi, thethelela! Nkosi, lalela wenze! Ngenxa yebizo lakho, Oh Nkulunkulu wami, ungaphuzi, ngoba idolobho lakho labantu bakho kubizwa ngeBizo lakho.”

### *“Izikhombisa” Ezingamatshumi Ayisikhombisa*

<sup>20</sup> Ngathi ngikhuluma njalo ngikhuleka, ngivuma isono sami, lesono sabantu bakithi abako-Israyeli, ngiletha isikhalazo sami KUTHIXO uNkulunkulu wami ngentaba yakhe engcwele, <sup>21</sup> ngilokhu ngisakhuleka, uGabhriyeli, indoda engayibonayo embonweni wokuqala, weza kimi endiza kungesikhathi somhlatshelo wakusihlwa. <sup>22</sup> Wangilaya wathi kimi, “Danyeli, khathesi sengilande ukukupha ukuqonda lokuzwisisa. <sup>23</sup> Wonele ukuqalisa ukukhuleka impendulo yahle yaphiwa, eyiyo engizokutshela yona, ngoba uyaqakathekiswa kakhulu. Ngakho-ke, cabanga ngalo ilizwi, uwuzwisise umbono ukuthi:

<sup>24</sup> Amatshumi ayisikhombisa ‘ezikhombisa’ (amaviki) asequnyelwe abantu bakini ledolobho lenu elingcwele ukuqedisa ukona, ukukhawula isono, ukuhlawulela ububi, ukuletha ukulunga okungapheliyo, ukuphetha umbono lesiphrofethi lokugcoba indawo engcwelengcwele.

<sup>25</sup> Yazizizisa njalo lokhu: Kusukela ekukhutshweni kwesimemezeliso sokuthi kuvuselelwe njalo kwakhiwe kutsha iJerusalema kuze kufike umbusi oGcotshiweyo kuzakuba lamaviki ‘ayizikhombisa’ eziyisikhombisa ‘lezikhombisa’ ezingamatshumi ayisithupha lambili. Lizakwakhiwa libe lemigwaqo lomgelo, kodwa kuyizikhathi zohlupho. <sup>26</sup> Ngemva

'kwezikhombisa' lezo ezingamatshumi ayisithupha lambili oGcotshweyo uzaqunywa afe engelalutho. Abantu bombusi ozakuza baza-libhidliza idolobho lendlu yenkonzo. Ukuphela kuzafika njenge-sikhukhula: Impi izaqhubeka kuze kube sekupheleni, sekumenyezelwe incithakalo. <sup>27</sup> Uzaqinisa isivumelwano labanengi 'okwesikhombisa' esisodwa. Phakathi 'kwesikhombisa' uzamisa imihlatshelo leminikelo. Kuzakuthi eceleni lethempeli uzabeka isinengiso esibanga incithakalo, kuze kuthi ukucina okumisiweyo kuchithelwe kuye."

## 10

### *Umbono KaDanyeli Owendoda*

<sup>1</sup> Ngomnyaka wesithathu kaKhurosi inkosi yasePhezhiya, kwafika ku-Danyeli (owayebizwa ngokuthi nguBhelitheshazari) isambulelo. Umbiko waso wawuqinisile umayelana lempi enkulu. Ukuzwisiseka kombiko lowo kwamehlela ngombono.

<sup>2</sup> Kulesosikhathi mina Danyeli ngalila okwamaviki amathathu. <sup>3</sup> Angizange ngikudle ukudla okuconsayo; inyama loba iwayini kakuzange kuzithinte izindebe zami; njalo kangizange ngisebenzise amagcobo lakanye kwaze kwaphela amaviki amathathu.

<sup>4</sup> Ngosuku lwamatshumi amabili lane lwenyanga yokuqala, ngathi ngimi ekhunjini lomfula omkhulu, iThigrisi, <sup>5</sup> ngakhangela ngabona khonapho phambi kwami kumi indoda igqoke ilineni, ilebhanti legolide elihle okhalweni lwayo. <sup>6</sup> Umzimba wayo wawufana lekhrisolathi, ubuso bayo bunjengombane, amehlo ayo enjengezibane ezivuthayo, izingalo zayo lemilenze yayo kufanana lokukhazimula kwethusi elilolongiweyo, lelizwi layo linjengomsindo wexuku labantu.

<sup>7</sup> Mina Danyeli, yimi ngedwa engawubonayo umbono; amadoda ayelami kawubonanga, kodwa afikelwa yikwesaba okukhulu aze abaleka ayacatsha. <sup>8</sup> Ngakho ngasala ngedwa, ngiqhuzule amehlo ami kulo umbono omkhulu; ngaphela amandla, ubuso bami bahloba okokufa njalo sengiphelelwe. <sup>9</sup> Ngasengimuzwa ekhuluma, kwathi ngilokhu ngimlalele, ngehlelwa likhoza lobuthongo ngithe mbo phansi ngobuso.

<sup>10</sup> Isandla sangithinta ngezwa sengiqhaqhazela ezandleni lemadolweni. <sup>11</sup> Wathi, "Danyeli, uyaqakathekiswa kakhulu, nanzelela amazwi esengizawakhuluma kuwe, usukume, ngoba manje ngithunywe kuwe." Wathi esitsho lokhu kimi ngasukuma ngiqhaqhazela.

<sup>12</sup> Waseqhubeka wathi, "Ungesabi, Danyeli. Kulokhu kwasukela mhla ubeka ingqondo yakho ukuzuza ukuzwisisa lokuzithoba phambi kukaNkulunkulu wakho, amazwi akho ezwakala, yikho ngilapha ngenxa yalokho. <sup>13</sup> Kodwa inkosi yombuso wasePhezhiya yangivimbela okwensuku ezingamatshumi amabili lanye. Kwasekusithi uMikhayeli, omunye wamakhosana amakhulu, weza ezongisiza, ngoba ngangivalelwe khonale yinkosi yasePhezhiya. <sup>14</sup> Manje ngilande ukuzakuchasisela lokho okuzakwenzakala ebantwini bakini esikhathini esizayo, ngoba umbono umayelana lesikhathi esizafika."

<sup>15</sup> Uthe esitsho lokhu kimi ngakhothamisela ubuso bami phansi ngehluleka ukukhuluma. <sup>16</sup> Kwasekusithi othile owayefana lomuntu wathinta izindebe zami, ngasengivula umlomo wami ngakhuluma. Ngathi kulowo owayemi phambi kwami, "Sengigajelwa yikudabuka kwenhliziyo ngenxa yombono, nkosi yami, njalo sengiphelelwe yikho konke. <sup>17</sup> Mina

inceku yakho, ngingakhuluma kanjani lawe na, nkosi yami? Amandla ami kawasekho njalo sekusala ukuthi ngiphefumule.”

<sup>18</sup> Waphinda njalo othile owayefana lomuntu wangithinta wangipha amandla. <sup>19</sup> Wathi, “Ungesabi, Oh muntu oqakathekiswayo kakhulu. Ukuthula! Qina manje; qina.”

Wathi ekhuluma lami ngaqina ngathi, “Khuluma, nkosi yami, njengoba usungiphile amandla.”

<sup>20</sup> Ngakho wasesithi, “Uyakwazi nje ukuthi kungani ngize kuwe na? Masinyane ngizabuya ukuzakulwa lenkosi yasePhezhiya, kuthi ngingahamba, kuzakuza inkosi yaseGrisi; <sup>21</sup> kodwa ngizaqala ngikutshela okulotshiweyo eNcwadini yeQiniso. (Kakho ongelekelelayo ukumelana labo ngaphandle kukaMikhayeli inkosana yakho.

## 11

<sup>1</sup> Kwathi ngomnyaka wokuqala kaDariyu umuMede, ngazimisela ukuba ngime laye ngimsekele njalo ngimvikele.)”

### *Amakhosi Eningizimu Lenyakatho*

<sup>2</sup> “Manje-ke ngikutshela iqiniso: Kuzavela amanye amakhosi amathathu ePhezhiya, kulandele eyesine, ezanatha kakhulu okudlula amanye. Iza-kuthi ingazuza amandla ngenxa yenothe yayo izakhuthaza bonke abanye ukuxabana lombuso waseGrisi. <sup>3</sup> Besekuvela inkosi enkulu ezabusa ngamandla amakhulu, yenze njengokuthanda kwayo. <sup>4</sup> Isivelile, umbuso wayo uzachitheka uhlakazekele kuyo yonke yomine imimoya yezulu. Kawuzukuya ezizukulwaneni zayo, njalo kawusayikuba lamandla owawulawo ngoba umbuso wakhe uzaqutshunwa uphiwe abanye.

<sup>5</sup> Inkosi yaseNingizimu izakuba lamandla, kodwa omunye wabalawuli bayo bebutho uzakuba lamandla kulayo abesebusa kowakhe umbuso elamandla amakhulu. <sup>6</sup> Ngemva kweminyaka ethile, bazasekelana njengabangane. Indodakazi yenkosi yaseNingizimu izakuya enkosini yaseNyakatho iyekwenza ubudlelwano, kodwa amandla ayo indodakazi kawayikuma, lenkosi leyo kanye lamandla ayo kakuba khona okwesikhathi eside. Ngalezonsuku indodakazi izadelwa, yona kanye lomndlunkulu wayo, loyise kanye lalowo owayeyisekela.

<sup>7</sup> Kuzavela omunye owosendo lwayo ozathatha isikhundla sayo. Uzahlasela amabutho empi enkosi yaseNyakatho angene enqabeni yayo; uzakulwa lawo awehlule. <sup>8</sup> Uzathumba njalo onkulunkulu babo, lezithombe zabo zensimbi kanye lezitsha zabo eziligugu ezasiliva legolide azithwalele eGibhithe. Okweminyaka ethile uzake akhohlwe ngenkosi yaseNyakatho. <sup>9</sup> Kuzakuthi inkosi yaseNyakatho ihlasele umbuso wenkosi yaseNingizimu kodwa iphinde ihlehlele muva elizweni layo. <sup>10</sup> Amadodana ayo azalungisela impi aphake iviyo elikhulu lamabutho azathululeka njengesikhukhula sikazamcolo impi ize iyengena enqabeni yayo eyaseNingizimu.

<sup>11</sup> Lapho-ke inkosi yaseNingizimu izaphuma ngokuthukuthela iyekulwa lenkosi yaseNyakatho, yona ezaphaka iviyo elikhulu lempi, kodwa izakwehlulwa. <sup>12</sup> Kuzakuthi nxa amabutho esethunjiwe, inkosi yaseNingizimu izazikhukhumeza, ibisibulala izinkulungwane ezinengi, kodwa kayiyikuhlala inqoba. <sup>13</sup> Ngoba inkosi yaseNyakatho izabutha elinye ibutho elikhulu kulelakuqala; kuthi ngemva kweminyaka embalwa izahlasela ngebutho elikhulukazi lihlome liphelele.

<sup>14</sup> Kulezozikhathi banengi abazavukela inkosi yaseNingizimu. Izidlwangu gudlwangu phakathi kwabantu bakini zizahlamuka ukuze kugcwaliseke umbono, kodwa kaziyikuphumelela. <sup>15</sup> Inkosi yaseNyakatho izafika yakhe amadundulu okuvimbezela, ithumbe idolobho elivikelwe ngenqaba. Amabutho aseNingizimu azakwehluleka ukuzivikela; kanye lamaqhawe awo odumo kazukuba lamandla okuma. <sup>16</sup> Umhlaseli uzazenzela intando yakhe, kakho loyedwa ozakuba lamandla okumelana laye. Izazibeka iqine eLizweni Elihle ibe lamandla okulichithiza. <sup>17</sup> Izazimisela ukuza ngenkani yombuso wayo wonke yenze isivumelwano sokuvikelana lenkosi yaseNingizimu. Izamendisela indodakazi yayo ukuze iwuchithe umbuso, kodwa amacebo ayo lawo kawayikuphumelela, kawayikuyisiza. <sup>18</sup> Abeseguqukela ngasemazweni asemakhunjini olwandle awathumbe amanengi akhona, kodwa umlawuli wempi omunye uzamquma umsila amnqobe. <sup>19</sup> Ngemva kwalokhu izabuyela ezinqabeni zelizwe layo kodwa izakhubeka iwe, ingaphindi ibonakale futhi.

<sup>20</sup> Ozathatha ubukhosi ngemva kwayo uzathuma umthelisi ukuze buqhubeke ubukhazikhazi basesikhosini. Kodwa kungeminyaka mingaki izaqethulwa, kungasikho ngodlakela kumbe empini.

<sup>21</sup> Izalandelwa ngumuntu odelelekileyo ongelakho ukuhlonipheka kobukhosi. Uzawuhlasela umbuso ngesikhathi abantu bawo besithi sebezinzile, awuthumbe ngokuxabanisa abanye. <sup>22</sup> Kuzakuthi impi eyesabekayo ikhukhulwe phambi kwakhe; yona lenkosi yesivumelwano kuzabhujiswa. <sup>23</sup> Ngemva kokwenza isivumelwano layo uzakwenza inkohliso abesezuza ubukhosi encediswa lihlekana labantu. <sup>24</sup> Kuzakuthi lezozigodi ezilenotho enengi sezisithi zizinzile uzazihlasela aphumelele okungazange kwenziwe nguyise loba ngokhokho bakhe. Uzakwaba impango lenotho kubalandeli bakhe. Uzakwakha amacebo okubhidliza izinqaba kodwa okwesikhatshana nje.

<sup>25</sup> Uzaphaka impi enkulu ukuze avuselele amandla akhe aqunge isibindi sokusukela inkosi yaseNingizimu. Inkosi yaseNingizimu izadumelana laye ngempi enkulu elamandla, kodwa kayizukuma ngenxa yamacebo azakwenziwa awokuyiqethula. <sup>26</sup> Labo abadla esipheleni senkosi bazazama ukuyibulala; impi yakhe izakhukhulwa, kufe abanengi empini. <sup>27</sup> Amakhosi la amabili alenhliziyi ezigaya izibozi azahlala tafula linye aqambelane amanga, kodwa kungancedi lutho ngoba isiphetho sizajinge sifike ngesikhathi esimisiweyo. <sup>28</sup> Inkosi yaseNyakatho izabuyela elizweni layo ikhithika ngenotho, kodwa inhliziyi yayo izabe ilokozela isivumelwano esingcwele. Kukhona ezakwenza ngaso andubana ibuyele elizweni layo.

<sup>29</sup> Ngesikhathi esimisiweyo izahlasela eNingizimu njalo, kodwa ngalesosikhathi impumela yakhona kayizukufana leyakuqala. <sup>30</sup> Imikhumbi evela emakhunjini olwandle lwasentshonalanga izamelana layo ihle iphele amandla. Izabuyela emuva iyebhodlisela ulaka lwayo phezu kwe-sivumelwano esingcwele. Izaphinda isekele labo abadela isivumelwano esingcwele.

<sup>31</sup> Amabutho ayo ahlomileyo azasuka angcolise inqaba yethempeli, acinise umhlatshelo wansuku zonke. Yikho-ke abesemisa lawomanyala azaletha incithakalo. <sup>32</sup> Ngobuqili bayo izabaxhwalisa labo asebesephulile isivumelwano, kodwa labobantu abamaziyo uNkulunkulu wabo bazajamelana layo yehluleke.

<sup>33</sup> Labo abahlakaniphileyo bazafundisa abanengi, lokuba nje okwesikhathi esithile bezakuwa ngenkamba, kumbe batshiswe, kumbe bathunjwe loba baphangwe. <sup>34</sup> Ekumeni kwabo bazazusa uncedo oluncinyane, kuthi abanengi abangazimiselanga bazihlanganise lezitha. <sup>35</sup> Abanye babahlakaniphileyo bazakhubeka, ukuze bacoliswe, bahlanjululwe njalo benziwe bahlanzeke kuze kufike isikhathi sokucina, ngoba sijinge sizafika ngesikhathi leso esimisiweyo.”

### *Inkosi Eziphakamisayo*

<sup>36</sup> “Inkosi izakwenza njengokuthanda kwayo. Izaziphakamisa njalo izikhukhumeze ngaphezu kwabonkulunkulu bonke ikhihlize izibozi ngoNkulunkulu wabonkulunkulu. Izaphumelela kuze kugcwaliseke isikhathi sentukuthelo, ngoba lokho okumisiweyo kusamele kwenzeka. <sup>37</sup> Kayizukubananza onkulunkulu baboyise, kumbe lowo olangathwa ngabesifazane, njalo kayiyikunanza lawuphi unkulunkulu, kodwa izaziphakamisa ngaphezulu kwabo bonke. <sup>38</sup> Esikhundleni sabo izakhonza unkulunkulu wezingaba, unkulunkulu owayengaziwa ngoyise izamkhonza ngegolide langesiliva langamatshe aligugu lezipho ezidulayo. <sup>39</sup> Izahlasela izingaba eziqine okudlulayo incediswa ngunkulunkulu wezizweni njalo ibahloniphe kakhulu labo abayivumayo. Izababeka ukuba ngababusi babantu abanengi njalo umhlaba izawaba ngokuphiwa intengo.

<sup>40</sup> Ngesikhathi sokucina inkosi yaseNingizimu izadumelana layo empini, lenkosi yaseNyakatho izatheleka layo ngezingqola zempi, lebuthe, lamabhiza kanye langemikhumbi eminengi. Izahlasela amazwe amanengi iwakhukhule njengozamcolo. <sup>41</sup> Izahlasela njalo iLizwe Elihle. Azakuwa amazwe amanengi, kodwa i-Edomi leMowabi labakhokheli bako-Amoni bazaphepha esandleni sayo. <sup>42</sup> Izaqhelisa amandla ayo phezu kwamazwe amanengi; iGibhithe kayiyikuphunyuka. <sup>43</sup> Izahluthuna inotho legolide lesiliva layo yonke inotho yaseGibhithe, amaLibhiya lamaKhushi ayikhonze. <sup>44</sup> Kodwa imibiko evela empumalanga lasenyakatho izayethusa ibisiphuma ngolaka olukhulu ukuyabulala lokutshabalalisa abanengi. <sup>45</sup> Izamisa amathente ayo obukhosi phakathi kolwandle lentaba engcwele enhle. Kodwa kuzafika okwayo ukuphela, engasekho ongayisiza.”

## 12

### *Ukuphela Kwesikhathi*

<sup>1</sup> “Ngalesosikhathi uMikhayeli, umbusi omkhulu olinda abantu bakini, uzavela. Kuzakuba khona isikhathi sokuhlukumezeka okungazange kube khona kulokhu kwadabuka izizwe kuze kube yiso. Kodwa kulesosikhathi abantu bakini bonke labo abalamabizo azafunyanwa elotshiwe encwadini bazahlengwa. <sup>2</sup> Izixuku lezixuku zabaleleyo othulini lomhlaba bazavuka; abanye baye ekuphileni okungapheliyo, abanye baye ehla zweni lokunengeka okungapheliyo. <sup>3</sup> Labo abahlakaniphileyo bazakhazimula njengokubenyezela kwamazulu, lalabo abaholela abanengi ekulungeni, bazakhazimula njengezinkanyezi okwanini lanini. <sup>4</sup> Kodwa wena Danyeli, vala uncine amazwi omgoqwanwadi kuze kube yisikhathi sokucina. Abanengi bazakuya lapha lale ukwandisa ulwazi.”

<sup>5</sup> Kwathi mina, Danyeli, ngakhangela, ngabona khonapho phambi kwami kumi abanye ababili, omunye ngakuleli ikhumbi lomfula lomunye ngakuleliyana ikhumbi. <sup>6</sup> Omunye wabo wathi emuntwini owayegqoke



ilineni owayengaphezulu kwamanzi omfula, “Kuzakuba yisikhathi esingakanani zingakenzakali izinto lezi eziyisimanga na?”

<sup>7</sup> Indoda eyayigqoke ilineni, eyayiphezulu kwamanzi omfula yaphakamisela isandla sayo sokunene lesandla sayo sokhohlo ezulwini, ngayizwa ifunga ngaye ohleziyo laphakade, isithi, “Kuzakuba ngokwesikhathi, izikhathi lengxenye yesikhathi. Lapho amandla abantu abangcwele eseze afohlozwa, zonke lezi izinto zizapheleliswa.”

<sup>8</sup> Ngezwa, kodwa kangizwisisa. Yikho ngabuza ngathi, “Nkosi yami, pho sizaba yini isiphetho sakho konke lokhu na?”

<sup>9</sup> Waphendula wathi, “Zihambele, Danyeli, ngoba amazwi asevaliwe ananyekwa kuze kube sekucineni kwesikhathi. <sup>10</sup> Abanengi bazahlanjululwa, bangabi latshatha njalo bacolisise, kodwa abagangileyo bazaqhubeka begangile. Kakho kwababi ozazwisisa, kodwa labo abahlakaniphileyo bazazwisisa.”

<sup>11</sup> Kusukela ngesikhathi kusaliswa umhlathelo wansuku zonke, sekumiswe amanyala abanga incithakalo, kuzakuba lensuku eziyinkulungwane lamakhulu amabili lamatshumi ayisificamunwemunye (1,290).

<sup>12</sup> Ubusisiwe lowo okulindelayo njalo akufice ukucina kwensuku eziyinkulungwane lamakhulu amathathu alamatshumi amathathu lanhlanu (1,335).

<sup>13</sup> “Kodwa wena, zihambele nje kuze kube sekucineni. Uzaphumula, besekusithi ekucineni kwensuku uzavuka ukuba wamukele elakho ilifa olabelweyo.”

## UHosiya

<sup>1</sup> Ilizwi LIKATHIXO lafika kuHosiya indodana kaBheri ngezinsuku zemibuso yabo-Uziya, loJothamu, lo-Ahazi loHezekhiya amakhosi akoJuda, kanye lasezinsukwini zokubusa kukaJerobhowamu indodana kaJowashi inkosi yako-Israyeli.

### *UmkaHoseya Labantwana*

<sup>2</sup> Kwathi UTHIXO eseqalise ukukhuluma ngoHosiya, UTHIXO wathi kuye, “Hamba uyethatha umfazi oyisifebe ubelabantwana bobufebe, ngoba ilizwe lilecala lobufebe obubi kakhulu ngokweduka KU THIXO.” <sup>3</sup> Ngakho wathatha uGomeri indodakazi kaDibilayimi, njalo wathatha isisu wamzalela indodana.

<sup>4</sup> UTHIXO wasesithi kuHoseya, “Methe ibizo uthi nguJezerili, ngoba masinyane nje ngizayijezisa indlu kaJehu ngenxa yesihluku sokubulala abantu abanengi eJezerili, njalo ngizawuqeda umbuso wako-Israyeli. <sup>5</sup> Ngalolosuku ngizakwephula idandili lika-Israyeli eSigodini saseJezerili.”

<sup>6</sup> UGomeri wathatha isisu futhi, wazala indodakazi. UTHIXO wasesithi, “Muphe ibizo uthi nguLo-Ruhama, ngoba kangisoze ngibe lothando futhi endlini ka-Israyeli, ukuba ngibathethelele. <sup>7</sup> Kodwa ngizakuba lothando endlini kaJuda, njalo ngizabakhulula, kungayisikho ngedandili, inkemba kumbe impi, loba ngamabhiza langabagadi bamabhiza, kodwa NGO THIXO uNkulunkulu wabo.”

<sup>8</sup> UGomeri eselumule uLo-Ruhama ebeleni, waba lenye indodana. <sup>9</sup> UTHIXO wasesithi, “Muphe ibizo lokuthi nguLo-Ami, ngoba lina kalisibo bantu bami, lami kangisuye uNkulunkulu wenu.

<sup>10</sup> Kodwa abako-Israyeli bazakuba njengetshebetshebe ekhunjini lolwandle elingeke lilinganiswe kumbe libalwe. Endaweni lapho okwakuthiwe khona kubo, ‘Kalisibo bantu bami,’ bazabizwa ngokuthi, ‘bantwana bakaNkulunkulu ophilayo.’ <sup>11</sup> Abantu bakoJuda labantu bako-Israyeli bazamanyana, njalo bazakhetha umkhokheli oyedwa baphume elizweni, ngoba luzakuba lukhulu usuku lukaJezerili.”

## 2

<sup>1</sup> “Tshono kubafowenu uthi, ‘Bantu bami,’ ngabodadewenu uthi, ‘Bathandekayo bami.’”

### *U-Israyeli Uyajeziswa Abuye Abuyiselwe*

<sup>2</sup> “Mkhuze unyoko, mkhuze,  
ngoba engasuye mkami,  
lami kangisuye mkakhe.

Kause ukukhangeleka kobufebe ebusweni bakhe  
kanye lokungathembeki phakathi kwamabele akhe.

<sup>3</sup> Funa ngimhlubule abe nqunu,  
ngimenze abeze njengamhla ezalwa;  
ngizamenza abe njengenkangala,  
ngimenze abe yilizwe elomileyo  
ngimbulale ngokomela amanzi.

<sup>4</sup> Kangiyikubonakalisa uthando lwami ebantwaneni bakhe,  
ngoba bangabantwana bobufebe.

- <sup>5</sup> Unina ubeyisifebe,  
 njalo ubemule ngehlazo.  
 Wathi, 'Ngizazilandela izithandwa zami,  
 ezingipha ukudla kwami lamanzi ami,  
 iwulu yami lamalembu ami,  
 amafutha ami lokunathwayo kwami.'
- <sup>6</sup> Ngakho-ke indlela yakhe ngizayivala ngamahlahla ameva;  
 ngizamhonzolozela ngomduli ukuze indlela yakhe angayifumani.
- <sup>7</sup> Uzaxotshana lezithandwa zakhe kodwa angazifici,  
 uzazidinga kodwa angazitholi.  
 Ngakho uzakuthi,  
 'Ngizabuyela endodeni yami yakuqala,  
 ngoba ngalesosikhathi ngangingcono kulakhathesi.'
- <sup>8</sup> Kavumanga ukuthi yimi engamnika amabele,  
 lewayini elitsha lamafutha ngamnika isiliva esinengi legolide  
 abakusebenzisela uBhali.
- <sup>9</sup> Ngakho-ke ngizawathatha amabele ami lapho esevuthiwe,  
 lewayini lami elitsha lapho selilungile.  
 Ngizayithatha lewulu yami kanye lelineni lami,  
 okwakumiselwe ukuvala ubunqunu bakhe.
- <sup>10</sup> Ngakho khathesi ngizahlazulula ukuxhwala bakhe  
 emehlweni ezithandwa zakhe;  
 kakho ozamsusa ezandleni zami.
- <sup>11</sup> Ngizayiqeda yonke imikhosi yakhe yokuthokoza:  
 imikhosi yakhe yeminyaka yonke, ukuThwasa kweziNyanga,  
 insuku zakhe zamaSabatha,  
 yonke imikhosi yakhe emisiweyo.
- <sup>12</sup> Ngizatshabalalisa izivini zakhe lezihlahla zakhe zemikhiwa,  
 lokhu athi yinhlawulo yakhe evela kuzithandwa zakhe;  
 ngizazenza zibe liguswanyana  
 zidliwe yizinyamazana zeganga.
- <sup>13</sup> Ngizamjezisela insuku atshisela ngazo  
 oBhali impepha;  
 wazicecisa ngamasongo langamangqongqo,  
 walandela izithandwa zakhe,  
 kodwa mina wangikhohlwa," kutsho uTHIXO.
- <sup>14</sup> "Ngakho sengizamhuga;  
 ngizamholela enkangala  
 ngikhulume laye kakuhle.
- <sup>15</sup> Lapho-ke ngizambuyisela izivini zakhe,  
 ngenze iSigodi sase-Akhori sibe ngumnyango wethemba.  
 Khonapho uzahlabelela njengasezinsukwini zobutsha bakhe,  
 njengamhla ephuma eGibhithe.
- <sup>16</sup> Ngalolosuku," kutsho uTHIXO,  
 "lizangibiza ngokuthi 'ndoda yami';  
 kalisayikungibiza ngokuthi 'nkosi yami.'
- <sup>17</sup> Ngizawasusa amabizo aboBhali ezindebeni zakhe;  
 amabizo abo akusayikukhulekwa ngawo futhi.
- <sup>18</sup> Ngalolosuku ngizabenzela isivumelwano

- lezinyamazana zeganga lezinyoni zasemoyeni  
kanye lezidalwa ezihuquzela emhlabathini.  
Idandili lenkemba kanye lempi  
ngizakuqeda elizweni  
ukuze konke kulale phansi kuvikelekile.
- <sup>19</sup> Ngizakwendisela kimi kuze kube nininini;  
ngizakwendisa ngokulunga langemfanelo,  
ngothando langesihawu.
- <sup>20</sup> Ngizakwendisa ngokuthembeka,  
njalo uzamamukela UTHIXO.
- <sup>21</sup> Ngalolosuku ngizasabela,”  
kutsho UTHIXO,  
“Ngizasabela emikhathini,  
layo izasabela emhlabeni,
- <sup>22</sup> lomhlaba uzasabela emabeleni  
lasewayinini elitsha kanye lasemafutheni,  
lokhu kuzasabela kuJezerili.
- <sup>23</sup> Ngizazihlanyelela yena elizweni;  
ngizabonakalisa uthando lwami  
kulowo engambiza ngokuthi,  
‘Akasi sithandwa sami.’  
Ngizakuthi kulabo ababizwa ngokuthi,  
‘Abangasibantu bami,’  
‘Lingabantu bami’;  
bona bazakuthi,  
‘UnguNkulunkulu wethu.’ ”

### 3

#### *Ukubuyisana KukaHoseya Lomkakhe*

<sup>1</sup> UTHIXO wasesithi kimi, “Hamba, utshengisele uthando lwakho kumkakho futhi, lanxa nje ethandwa ngomunye njalo eyisifebekazi. Mthande NJENGOTHIXO ethanda abako-Israyeli, lanxa baphendukela kwabanye onkulunkulu njalo bethanda amakhekhe ezithelo ezonyisiweyo.”

<sup>2</sup> Ngakho ngamthenga ngamashekeli esiliva alitshumi lanhlanu langokwakuphosa kube lihomeri leletheki lebhali. <sup>3</sup> Ngasengisithi kuye, “Uzahlala lami insuku ezinengi; akumelanga ube yisifebe loba wembathe lenye indoda, lami ngizahlala lawe.”

<sup>7</sup> Wathi kubo: **“Kakusikho kwenu ukwazi izikhathi loba insuku uBaba azimisileyo ngamandla akhe. <sup>8</sup> Kodwa lina lizakwamukela amandla nxa uMoya oNgcwele esefikile kini, njalo lizakuba ngofakazi bami eJerusalema lakulo lonke eleJudiya laseSamariya kanye lasemikhawulweni yomhlaba.”**

<sup>9</sup> Esekutshilo lokhu, wenyukiswa phambi kwamehlo abo, iyezi lamfihla, abazabe besambona.

<sup>10</sup> Babejolozele esibhakabhakeni ngesikhathi esenyuka, masinyazana nje kwema amadoda amabili eduze kwabo egqoke okumhlophe. <sup>11</sup> Athi kubo, “Madoda aseGalile, limeleni lapha lijolozele esibhakabhakeni na? UJesu lo osethethwe kini wasiwa ezulwini uzabuya ngayonale indlela elimbone esenyuka ngayo esiya ezulwini.”

### *UMathiyasi Ukhethelwa Ukuba Sesikhundleni SikaJudasi*

<sup>12</sup> Basebebuyela eJerusalema besuka eNtabeni yama-Oliva, okungumango ongaba likhilomitha kusuka edolobheni. <sup>13</sup> Ekufikeni kwabo bakhuphukela endlini ephezulu lapho ababehlala khona. Ababelapho babebalisa:

uPhethro, uJohane, uJakhobe lo-Andreya;  
uFiliphu loThomasi;  
uBhatholomewu loMatewu;  
uJakhobe indodana ka-Alifewu, uSimoni umZilothi, loJudasi indodana kaJakhobe.

<sup>14</sup> Bonke laba bahlangana kokuphela bekhuleka, bendawonye labesifazane loMariya unina kaJesu kanye labafowabo bakaJesu.

<sup>15</sup> Ngalezonsuku uPhethro wasukuma phakathi kwamakholwa (ixuku elalingafika ikhulu elilamatshumi amabili) <sup>16</sup> wathi, “Bazalwane, uMbhalo kwakumele ugcaliseke, lokho okwakhulunywwa nguMoya oNgcwele endulo ngomlomo kaDavida mayelana loJudasi owaba ngumkhokheli walabo ababopha uJesu. <sup>17</sup> Wayengomunye wenani lethu njalo waba lengxenye emsebenzini wethu wobuvangeli.”

<sup>18</sup> (Ngomvuzo awuzuzayo ngenxa yobubi bakhe, uJudasi wathenga isiqinti; khonapho wawa ngekhandu, isidumbu sakhe sadubuka, amathumbu akhe wonke agcwala phansi. <sup>19</sup> Bonke eJerusalema bezwa ngalokho,

yikho babiza isiqinti leso ngolimi lwabo bathi yi-Akheldama, okutsho iSiqinti seGazi.)

<sup>20</sup> UPhethro wathi, “Ngoba kulotshiwe encwadini yamaHubo ukuthi: ‘Sengathi indawo yakhe ingaba ngamanxiwa; kungabi lamuntu ozahlala kuyo,’\*  
njalo,

‘Kakube lomunye ozathatha isikhundla sakhe sobukhokheli.’†

<sup>21</sup> Ngakho kufanele ukuba sikhethe omunye wamadoda abekade elathi isikhathi sonke iNkosi uJesu isesephakathi kwethu, <sup>22</sup> kusukela ekubhaphathizweni kwakhe nguJohane kuze kufike esikhathini lapho uJesu athathwa khona kithi. Ukuze omunye wabo laba abe ngufakazi kanye lathi ngokuvuka kwakhe kwabaflelo.”

<sup>23</sup> Ngakho basebemisa amadoda amabili, uJosefa owayethiwa nguBhasabhasi (esaziwa njalo ngokuthi nguJustusi) loMathiyasi. <sup>24</sup> Basebekhuleka bathi, “Nkosi, uyayazi inhliziyo yomuntu munye ngamunye. Sitshengise ukuthi nguphi phakathi kwalaba ababili omkhetheleyo <sup>25</sup> ukuba athathe lesisikhundla sobupostoli, uJudasi asitshiyayo esiya lapho ayefanele khona.” <sup>26</sup> Basebesenza inkatho, yadla uMathiyasi, wasesengezwa kubapostoli abalitshumi lanye.

## 2

### *UMoya ONgcwele Uyehla NgePhentekhosti*

<sup>1</sup> Kwathi kufika usuku lwePhentekhosti, bonke babendawonye. <sup>2</sup> Masinyane nje kwabakhona umsindo onjengokuvunguza komoya wesiphepho wehla uvela ezulwini, wagcwala indlu yonke ababehlezi kuyo. <sup>3</sup> Babona okwakungathi zinlimi ezingamalangabi omlilo ezehlukana zahlala komunye lomunye wabo. <sup>4</sup> Bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, basebeqalisa ukukhuluma ezinye izindimi njengokwaneliswa kwabo nguMoya.

<sup>5</sup> Ngalesosikhathi kwakuhlala amaJuda ayemesaba uNkulunkulu eJerusalema, evela kuyo yonke imibuso yomhlaba. <sup>6</sup> Athi ngokuzwa umsindo lo, kwabuthana ixuku labantu bemangele ngoba omunye lomunye wabezwa bekhuluma ngolimi lwakhe. <sup>7</sup> Ngokumangala okukhulu babuza bathi, “Kanti bonke laba abakhulumayo kabasimaGalile na? <sup>8</sup> Pho kungani omunye lomunye wethu ebezwa bekhuluma ngolimi lwethu na? <sup>9</sup> AmaPhathiya, amaMede, ama-Elamu; izakhamizi zaseMesophothamiya, lezeJudiya leKhaphadokhiya, lePhontusi le-Ezhiya, <sup>10</sup> leFirigiya lePhamfiliya, leGibhithe lezingxenywe zeLibhiya eduze leKhureni; izethekeli ezivela eRoma <sup>11</sup> (amaJuda lamakholwa aphendukele enkolweni yesiJuda); amaKhrethe lama-Arabhu, sibezwa befakaza izimangaliso zikaNkulunkulu ngendimi zethu!” <sup>12</sup> Babedidekile bengelankani, babuzana bathi, “Kutshoni lokhu?”

<sup>13</sup> Kodwa abanye benza inhlekisa ngabo bathi, “Banathe iwayini enengi bedlulisa.”

### *UPhethro Ukhuluma Phakathi Kwexuku Labantu*

<sup>14</sup> UPhethro wasesukuma labalitshumi lanye, waphakamisa ilizwi lakhe wakhuluma emphakathini wathi, “Bantu bakithi elingamaJuda, lani lonke eliseJerusalema, kahleni ngilichasisele lokhu; lalélisisani lokhu engikutshoyo. <sup>15</sup> Amadoda la kawadakwanga njengokucabanga kwenu.

\* **1:20** 1.20 AmaHubo 69.25 † **1:20** 1.20 AmaHubo 109.8

Kuseselihola lesificamunwemunye nje ekuseni! <sup>16</sup> Hatshi, lokhu yikho okwakhulunywa ngumphrofethi uJoweli ukuthi:

<sup>17</sup> 'Ngezinsuku zokucina, uNkulunkulu uthi,  
Ngizathululela uMoya wami kubo bonke abantu.

Amadodana lamadodakazi enu azaphrofitha,  
izinsizwa zenu zizabona imibono,  
lamaxhegu enu azaphupha amaphupho.

<sup>18</sup> Lasezincekwini zami, ezesilisa lezesifazane,  
ngizawuthulula uMoya wami ngalezonsuku,  
njalo bazaphrofitha.

<sup>19</sup> Ngizatshengisa izimanga ezulwini phezulu,  
lezibonakaliso emhlabeni phansi,  
igazi lomlilo lezikhatha zentuthu.

<sup>20</sup> Ilanga lizaphendulwa libe yibumnyama,  
lenyanga ibeligazi

phambi kokuba kufike usuku olukhulu lukaThixo, olukhazimulayo.

<sup>21</sup> Njalo wonke obiza

ibizo likaThixo uzasindiswa.\*

<sup>22</sup> Bantu bako-Israyeli, lalelani lokhu: UJesu waseNazaretha wayeyindoda eyamiswa nguNkulunkulu kini, ngezimangaliso lezibonakaliso uNkulunkulu azenzayo phakathi kwenu ngaye, njengoba lina ngokwenu lisazi. <sup>23</sup> Umuntu lo wanikelwa kini ngecebo likaNkulunkulu ayelimisile langolwazi lokuzayo; njalo lina lincediswa ngabantu ababi,† lambulala ngokumbethela esiphambanweni. <sup>24</sup> Kodwa uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, wamkhulula ebuhlungwini bokufa ngoba ukufa kwakunge-lamandla okumncindezela. <sup>25</sup> UDavida wathi ngaye:

'Ngayibona iNkosi iphambi kwami kokuphela.

Njengoba isesandleni sami sokunene,  
angiyi kunyikinywa.

<sup>26</sup> Ngakho inhliziyo yami iyathaba

lolimi lwami luyathokoza;  
umzimba wami lawo uzahlala ulethemba,

<sup>27</sup> ngoba kawuzukungidela ukuba ngiye endaweni yabafileyo,  
njalo kawusoze wekele ongcwele wakho

ukuthi abone ukubola.

<sup>28</sup> Ungazisile izindlela zempilo;

uzangigcwalisa ngentokozo phambi kwakho.‡

<sup>29</sup> Bazalwane, ngilitshela ngilesibindi ukuthi ukhokho uDavida wafa wangcwatshwa, njalo ithuna lakhe likhona khonapha kuze kube lamuhla.

<sup>30</sup> Kodwa wayengumphrofethi, ekwazi ukuthi uNkulunkulu wayemthem-bisile ngesifungo ukuthi wayezabeka omunye wesizukulwane sakhe esihlalweni sakhe sobukhosi. <sup>31</sup> Ngoba ebona okwakuphambili, wakhuluma ngokuvuka kukaKhristu kwabafileyo, ukuthi kazange atshiywe endaweni yabafileyo njalo umzimba wakhe kawukubonanga ukubola.

<sup>32</sup> UNkulunkulu usemvusile uJesu lo waphila, thina sonke singofakazi balokho. <sup>33</sup> Njengoba esekhutshulelwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, usamukele kuYise uMoya oNgcwele owathenjiswa njalo usekuthulule lokho elikubonayo lelikuzwayo khathesi. <sup>34</sup> Ngoba uDavida kenyukanga ukuya ezulwini, kodwa wathi,

'INkosi yathi eNkosini yami:

\* **2:21** 2.21 UJoweli 2.28-32 † **2:23** 2.23 kumbe ngabantu abangelamthetho (okutsho abaZizwe)

‡ **2:28** 2.28 AmaHubo 16.8-11

“Hlala ngakwesokunene sami  
<sup>35</sup> ngize ngenze izitha zakho  
 zibe yisinyathelo senyawo zakho.”§

<sup>36</sup> Ngakho-ke, u-Israyeli wonke kaqiniseke ngalokhu: uNkulunkulu usenze uJesu lo elambethelayo waba yiNkosi loKhristu.”

<sup>37</sup> Abantu bathi bekuzwa lokhu bathinteka kakhulu ezinhliziyweni, bathi kuPhethro labanye abapostoli, “Bazalwane, senze njani na?”

<sup>38</sup> UPhethro waphendula wathi, “Phendukani libhaphathizwe lonke, ebizweni likaJesu Khristu ukuze lithethelelwe izono zenu. Njalo lizakwamukela isipho soMoya oNgcwele. <sup>39</sup> Isithembiso ngesenu labantwabenu labo bonke abakude, lesabo bonke iNkosi uNkulunkulu wethu ezababiza.”

<sup>40</sup> Wabaxwayisa langamanye amazwi amanengi; njalo wabancenga wathi, “Zisindiseni kulesisizukulwane esonakeleyo.” <sup>41</sup> Labo abalemukelayo ilizwi lakhe babhaphathizwa, kwengezwa enanini labo mhlalokho abangaba zinkulungwane ezintathu.

#### *Ubudlelwano Bamakholwa*

<sup>42</sup> Bayikhuthalela imfundiso yabapostoli kanye lokudlelana, lokuhlephuna isinkwa lokukhuleka. <sup>43</sup> Wonke umuntu wagcwala ukwesaba ngezimanga lezibonakaliso ezenziwa ngabapostoli. <sup>44</sup> Wonke amakholwa ayendawonye, ehlanganyela kukho konke. <sup>45</sup> Athengisa izinto zawo lempahla zawo anika loba ngubani oswelayo. <sup>46</sup> Insuku zonke aqhubeka ehlangana emagumeni ethempeli njalo ehlephuna isinkwa emakhaya awo esidla ndawonye ngezinhliziyi ezimhlophe lezithobekileyo, <sup>47</sup> edumisa uNkulunkulu njalo ethakazelelwa ngabantu bonke. Njalo iNkosi yengeza inani lawo insuku zonke ngalabo abasebesindisiwe.

## 3

#### *UPhethro Usilisa Isiceli Esigogekileyo*

<sup>1</sup> Ngelinye ilanga uPhethro loJohane babesiya ethempelini ngesikhathi sokukhuleka, ngehola lesithathu emini. <sup>2</sup> Indoda eyayigogekile kusukele ekuzalweni kwayo, yayithwalwa isiwe esangweni lethempeli elalibizwa ngokuthi liSango Elihle, lapho eyayibekwa khona nsuku zonke ukuthi icele kulabo ababengena emagumeni ethempeli. <sup>3</sup> Yathi ibona uPhethro loJohane bengena yabacela imali. <sup>4</sup> UPhethro loJohane bayijolozela. UPhethro wasesithi, “Sikhangelala!” <sup>5</sup> Ngakho indoda yabakhangelala, ithembe ukuthi izazuza ulutho kubo.

<sup>6</sup> UPhethro wasesithi, “Isiliva kumbe igolide kangilakho, kodwa engilakho ngiyakunika. Ebizweni likaJesu Khristu waseNazaretha, sukuma uhambe.” <sup>7</sup> Wambamba ngesandla sokudla wamsukumisa, masinyane nje inyawo lenqagala zakhe kwaqina. <sup>8</sup> Wathi lothu ngezinyawo zakhe wahle wahamba. Wasehamba labo ethempelini, ezihambela, eseqa njalo edumisa uNkulunkulu. <sup>9</sup> Kwathi abantu bonke bembona ehamba edumisa uNkulunkulu, <sup>10</sup> bamnanzelela ukuthi nguye owayehlala ecela esangweni lethempeli lelo, bamangala baphela amandla ngalokho okwakwenzakele kuye.

#### *UPhethro Ukhuluma Lababukeleyo*

<sup>11</sup> Isiceli sisathe sece kuPhethro loJohane, bonke abantu bamangala beza kubo begijima endaweni eyayithiwa liKhulusi likaSolomoni. <sup>12</sup> UPhethro

wathi ekubona lokhu wathi kubo, “Bantu bako-Israyeli, kungani kuli-mangalisa lokhu na? Kungani lisijolozela sengathi ngamandla ethu loba ukhoho lwethu okwenze umuntu lo wahamba na? <sup>13</sup> UNkulunkulu ka-Abhrahama, lo-Isaka loJakhobe, uNkulunkulu wabokhokho bethu useyik-hazimulisile inceku yakhe uJesu. Lamnikela ukuba abulawe, lamphika phambi kukaPhilathu, loba yena wayesemise ukuthi amyekele ahambe. <sup>14</sup> Lamphika oNgcwele njalo oLungileyo, lacela ukuthi likhululelwe umbu-lali. <sup>15</sup> Lambulala umsunguli wokuphila, kodwa uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo. Singofakazi bakho lokhu. <sup>16</sup> Ngokukholwa ebizweni likaJesu, indoda le eliyibonayo, eliyaziyo, yenziwe yaqina. Kungenxa yebizo likaJesu lokukholwa okuza ngaye okulethe ukusila okupheleleyo kuyo njengoba lonke libona.

<sup>17</sup> Manje-ke bazalwane, ngiyazi ukuthi lakwenza ngokungazi, njengoba labakhokheli benu labo babengazi. <sup>18</sup> Kodwa yiyo indlela uNkulunkulu agcwalisa ngayo lokho ayekutshilo ngaphambilini ngabo bonke abaphrofethi, esithi uKhristu wakhe wayezahlupheka. <sup>19</sup> Ngakho phendukani, libuyele kuNkulunkulu ukuze izono zenu zesulwe, ukuze kufike izikhathi zokuhlambulula okuvela eNkosini, <sup>20</sup> lokuthi ithumele uKhristu omiselwe lina, yena uJesu. <sup>21</sup> Kumele ahlale ezulwini kuze kufike isikhathi lapho uNkulunkulu azaqondisa konke ngaso, njengokuthembisa kwakhe endulo ngabaphrofethi bakhe abangcwele. <sup>22</sup> Ngoba uMosi wathi, ‘INKosi uNku-lunkulu wenu uzalivusela umphrofethi phakathi kwabafowenu njengami; libokulalela konke alitshela khona. <sup>23</sup> Loba ngubani ongayikumlalela uzakususwa ngokupheleleyo ebantwini bakibo.’\*

<sup>24</sup> Ngempela, bonke abaphrofethi kusukela kuSamuyeli, bonke abaphrofethi baphrofitha ngazo insuku lezi. <sup>25</sup> Lina lizindlalifa zabo abaphrofethi kanye lesivumelwano uNkulunkulu asenza labokhokho benu. Wathi ku-Abhrahama, ‘Bonke abantu bomhlaba bazabusiwa ngesizukulwane sakho.’† <sup>26</sup> Kuthe uNkulunkulu eseyimisile inceku yakhe, wayithumela kuqala kini ukuba ilibusise ngokuphendula omunye lomunye wenu ezindleleni zenu zobubi.”

## 4

### *UPhethro loJohane Phambi KweSanihedrini*

<sup>1</sup> Abaphristi lomlawuli wabalindi bethempeli kanye lamaSadusi beza kuPhethro loJohane belokhu besakhuluma labantu. <sup>2</sup> Bakhathazeka kakhulu ngoba abapostoli babefundisa abantu betshumayela ukuthi ku-Jesu kulokuvuka kwabafileyo. <sup>3</sup> Babamba uPhethro loJohane, kwathi ngenxa yokuthi kwasekuntambama, babafaka entolongweni kwaze kwaba kusasa. <sup>4</sup> Kodwa abanengi abalizwayo ilizwi bakholwa, inani lamadoda lakhula okungaba zinkulungwane ezinhlanu.

<sup>5</sup> Ngosuku olulandelayo ababusi, abadala, labafundisi bomthetho babuthana eJerusalema. <sup>6</sup> U-Anasi umphristi omkhulu, uKhayifasi, uJohane, u-Alekizanda labanye abendlu yomphristi omkhulu. <sup>7</sup> Bathi uPhethro loJohane baletshwe, baqala ukubathonisa besithi, “Lokhu likwenze ngamandla bani kumbe ngaliphi ibizo na?”

<sup>8</sup> UPhethro egcwele uMoya oNgcwele wathi kubo, “Babusi labadala babantu! <sup>9</sup> Nxa sibekwa umlandu lamuhla ngesenzo somusa owenzelwe indoda ebiyisigoga, besesibuzwa ukuthi isiliswe njani, <sup>10</sup> yazini lokhu,

\* **3:23** 3.23 UDutheronomi 18.15, 18, 19 † **3:25** 3.25 UGenesisi 22.18; 26.4

lina kanye labo bonke abantu bako-Israyeli; kungenxa yamandla kaJesu Khristu waseNazaretha elambethelayo kodwa uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, yiwo enza indoda le ime phambi kwenu isilile ngokupheleleyo. <sup>11</sup> Yena uyilo

‘ilitshe lina abakhi elalilahlayo,

khathesi seliyilona ilitshe lekhonei.’\*

<sup>12</sup> Kakho omunye okulensindiso kuye; phela kalikho elinye ibizo ngaphansi kwezulu elaphiwa abantu ukuthi sisindiswe ngalo.”

<sup>13</sup> Bathi ngokubona isibindi sikaPhethro loJohane njalo benanzelela ukuthi ngabantu makhaza, ababengafundanga, batsha amathe, bakunanzelela ukuthi amadoda la ake aphila loJesu. <sup>14</sup> Kodwa njengoba babeyibona indoda eyayisilisiwe imi khonapho labo, baswela ukuthi bangathini.

<sup>15</sup> Ngakho kwathiwa kabasuke emphakathini weSanihedrini, umphakathi wasala uhlanganisa amakhanda. <sup>16</sup> Babuzana bathi, “Kambe senzeni ngamadoda la? Bonke abahlala eJerusalema bayakwazi ukuthi benze umangaliso obabazekayo, lathi asingeke sikulandule lokho. <sup>17</sup> Kodwa ukuze into le siyimise ukuthi ingasabalali phakathi kwabantu, kasibaqonqoseleni ukuthi bangaphindi bakhulume lakubani ngebizo leli.”

<sup>18</sup> Basebebabiza njalo, babalaya ukuthi bangaqali ukukhuluma loba ukufundisa ngebizo likaJesu. <sup>19</sup> Kodwa uPhethro loJohane baphendula bathi, “Yikuphi okuqondileyo emehlweni kaNkulunkulu ukulalela lina kumbe ukulalela uNkulunkulu? Kwahluleleni lokho. <sup>20</sup> Thina ngokwethu asingeke siyekele ukukhuluma ngalokho esikubonileyo lesikuzwileyo.”

<sup>21</sup> Sebebaqonqosele njalo babakhulula. Baswela ukuthi babengabajezisa njani, ngoba abantu bonke babemdumisa uNkulunkulu ngalokho okwakwenzakele. <sup>22</sup> Ngoba leyondoda eyasiliswa ngesimanga yayileminyaka engamatshumi amane ubudala.

### *Umkhuleko Wamakholwa*

<sup>23</sup> Ekukhululweni kwabo uPhethro loJohane babuyela ebantwini bakibo, bababikela konke okwakukhulunywe kibo ngabaphristi abakhulu labadala. <sup>24</sup> Sebekuzwile lokhu, baphakamisa amazwi abo bonke bakhuleka kuNkulunkulu. Bathi, “Thixo Nkosi, wena wenza amazulu lomhlaba, lolwandle lakho konke okukuwo. <sup>25</sup> Wena wakhuluma ngoMoya oNgcwele ngomlomo wenceku yakho, ubaba wethu uDavida wathi:

‘Kungani izizwe zixokozela,

labantu besakha amacebo ngeze?

<sup>26</sup> Amakhosi omhlaba ayahloma ajame

lababusi bahlangana ndawonye

bemelana loThixo

lalowo Ogcotshiveyo wakhe.’†

<sup>27</sup> Ngempela uHerodi loPhontiyasi Philathu bahlangana labeZizwe kanye labantu bako-Israyeli baceba ngenceku yakho engcwele, uJesu owamg-cobayo. <sup>28</sup> Benza lokho okwakumiswe ngaphambilini ngamandla akho layintando yakho ukuthi kwakuzakwenzakala. <sup>29</sup> Ngakho, Nkosi, zwana ukusonga kwabo, uphe izinceku zakho amandla ukuthi zilikhulume ilizwi lakho ngesibindi esikhulu. <sup>30</sup> Yelula isandla sakho ukusilisa lokwenza imimangaliso lezimanga ngebizo lenceku yakho engcwele uJesu.”

<sup>31</sup> Sebekhulekile, indawo ababekuyo yazamazama. Bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, balikhuluma ngesibindi ilizwi likaNkulunkulu.

\* **4:11** 4.11 AmaHubo 118.22 † **4:26** 4.26 AmaHubo 2.1-2

### *Amakholwa Ayahlanganyela Kuyo Yonke Impahla Yawo*

<sup>32</sup> Wonke amakholwa ayehliziyo nye njalo engqondo nye. Kakho owathi okwakhe ngokwakhe yedwa kodwa babelana konke ababelakho. <sup>33</sup> Abapostoli baqhubeka ukufakaza ngamandla amakhulu ngokuvuka kweNkosi uJesu kwabafuleyo, bonke babusiseka kakhulu. <sup>34</sup> Kakho owayeswela phakathi kwabo. Kwakusithi izikhathi ngezikhathi labo ababe leziqinti loba izindlu bazithengise balethe imali abathengise ngayo <sup>35</sup> bayethule ebapostolini, yabelwe loba ngubani ngokuswela kwakhe. <sup>36</sup> UJosefa, umLevi waseSiphrazi, abapostoli ababembiza ngokuthi nguBhanabhasi (okutsho ukuthi, iNdodana yeNkuthazo), <sup>37</sup> wathengisa isivande sakhe waletha imali wayethula phambi kwabapostoli.

## 5

### *U-Ananiya LoSafira*

<sup>1</sup> Indoda eyayithiwa ngu-Ananiya ilomkayo uSafira labo bathengisa isiqinti sabo. <sup>2</sup> Wavumelana lomkakhe ukuthi afihle enye imali ibe ngeyabo, kwathi enye wayethula kubapostoli.

<sup>3</sup> UPhethro wasesithi, “Ananiya, kungani uSathane esegabhele inhliziyo yakho usuze uqamba amanga kuMoya oNgcwele, wazigcinela ingxenye yemali eliyizuzileyo ngesiqinti senu na? <sup>4</sup> Kanti besingesisenu yini singakathengiswa? Njalo lapho sesithengisiwe, imali ibingaqondananga lani na? Kuyini okubangele ukuthi ucabange ukwenza into enje na? Kawuqambelanga muntu lawo manga, kodwa uwaqambele uNkulunkulu.”

<sup>5</sup> U-Ananiya wonela ukukuzwa lokhu, wawela phansi wafa. Bonke abezwa ngalesisehlakalo bangenwa yikwesaba okukhulu. <sup>6</sup> Kwasekungena amajaha agoqela isidumbu sakhe amthwalela phandle, ayamngcwaba.

<sup>7</sup> Ngemva kwamahola amathathu umkakhe laye wangena engazi okwasekwenzakele. <sup>8</sup> UPhethro wambuza wathi, “Ake ungitshela, yiyo yini le intengo eliyizuzileyo wena lo-Ananiya esiqintini senu?”

Wathi, “Yebo, yiyo intengo yaso.”

<sup>9</sup> UPhethro wathi kuye, “Kungani livumelane ukulinga uMoya weNkosi na? Lalela! Yizisinde zamadoda asengcwabe umkakho esezisemnyango, bazakuthwala lawe futhi.”

<sup>10</sup> Khonokho wasakazeka phansi eduze kukaPhethro, wafa. Asengena amajaha yena esefile, amthwala aphuma laye ayamngcwaba malungana lomkakhe. <sup>11</sup> Ibandla lonke lafikelwa yikwesaba okukhulu kanye labo bonke abazizwayo lezizehlakalo.

### *AbaPostoli Basilisa Abanengi*

<sup>12</sup> Abapostoli benza imimangaliso lezimanga ezinengi ebantwini. Amakholwa wonke ayevame ukuhlangana ndawonye eKhulusini lika-Solomoni. <sup>13</sup> Kakho omunye owaqunga isibindi wahlangana labo, lanxa kunjalo babalodumo ebantwini. <sup>14</sup> Lanxa kunjalo, amadoda labafazi abanengi bakholwa eNkosini, bengezelela ubunengi babo. <sup>15</sup> Kwathi ngenxa yalokho, abantu baletha abagulayo ezitaladini, babalalisa emibhedeni lemacansini ukuze isithunzi sikaPhethro sisithe abanye babo lapho esedlula kuphela nje. <sup>16</sup> Amaxuku abantu abuthana eqhamuka emizini eyayiseduze kweJerusalema, eletha abagulayo lalabo ababehlukuluzwa yimimoya emibi, bonke basiliswa.

### *Ukuhlukuluzwa Kwabapostoli*



<sup>17</sup> Kwasekusithi umphristi omkhulu kanye leqembu lakhe elalingalexuku labaSadusi bangenwa ngumhawu. <sup>18</sup> Bababopha abapostoli babaphosela entolongweni yomuntu wonke. <sup>19</sup> Kodwa ebusuku ingilosi yeNkosi yavula iminyango yentolongo yabakhupha. <sup>20</sup> Yathi, “Hambani liyekuma emagumeni ethempeli, litshele abantu lonke ilizwi lempilo entsha.”

<sup>21</sup> Kwathi emadabukakusa bahle bangena emagumeni ethempeli, bafundisa abantu njengokutshelwa kwabo.

Ekufikeni komphristi omkhulu leqembu lakhe bahle babiza iSanihedrini; inkundla yonke yabadala bako-Israyeli bathumela ilizwi entolongweni lokuthi kulethwe abapostoli, <sup>22</sup> kodwa izithunywa zathi zifika entolongweni zafumana bengasekho. Ngakho zasezibuyela zayabika zathi, <sup>23</sup> “Sifumane intolongo ivalwe kuhle labalindi bemi eminyango; kodwa sithe siyivula kasibonanga muntu phakathi.” <sup>24</sup> Induna yabalindi bethempeli kanye labaphristi abakhulu bathi bekuzwa lokhu batsha amathe, bamangala ukuthi into le yayikhombani.

<sup>25</sup> Kwasekufika omunye umuntu wathi, “Zwanini! Amadoda eliwaphosele entolongweni emi emagumeni ethempeli afundisa abantu.” <sup>26</sup> Besizwa lokho, induna yahle yasuka lamanxusa ayo bayabuya labapostoli. Kabasebenzisanga udlakela ngoba besesaba ukuthi abantu babengabakhanda ngamatshe.

<sup>27</sup> Sebeba lethile abapostoli, babamisa phambi kweSanihedrini ukuthi bathonisiswe ngumphristi omkhulu. <sup>28</sup> Wathi, “Saliqonqosela ukuthi lingafundisi ngebizo leli. Kodwa seligcwalise iJerusalema ngemfundiso yenu njalo lizimisele ukusethesa umlandu ngegazi lomuntu lo.”

<sup>29</sup> Uphethro labanye abapostoli baphendula bathi, “Kumele silalele uNkulunkulu kulokulalela abantu! <sup>30</sup> UNkulunkulu wabokhokho bethu wamvusa uJesus kwabafuleyo, yena elalimbulele ngokumlengisa esiphambanweni. <sup>31</sup> UNkulunkulu wamphakamisela kwesokunene sakhe waba yiNkosana loMsindisi ukuze anike ukuphenduka lokuthethelelwa kwezono ku-Israyeli. <sup>32</sup> Thina singofakazi balezizinto, njengaye uMoya oNgcwele, uNkulunkulu amnike kulabo abamlalelayo.”

<sup>33</sup> Bathi bekuzwa lokhu bathukuthela kakhulu, bafuna ukuthi babulawe. <sup>34</sup> Kodwa umFarisi owayethiwa nguGamaliyeli, engumfundisi womthetho, ehlonitshwa ngabantu bonke, wasukuma wema phambi kweSanihedrini wathi amadoda lawo ake amiswe phandle kancane. <sup>35</sup> Wasesithi emphakathini weSanihedrini, “Madoda ako-Israyeli, cabangani kuhle ngalokhu elifuna ukukwenza emadodeni la. <sup>36</sup> Ngesikhathi esadlulayo kwafika uThewuda ezitshaya umuntu oqakathekileyo, wahuga amadoda angaba ngamakhulu amane. Wabulawa, bonke abalandeli bakhe bahlakazeka, konke kwaphelela emoyeni. <sup>37</sup> Ngemva kwakhe, uJudasi umGalile laye wavela ngezinsuku zokubalwa kwabantu, wakhokhela ixuku labantu ukuba lihlamuke. Laye wabulawa, labalandeli bakhe bonke bahlakazeka. <sup>38</sup> Ngakho, mayelana lalindaba yamanje ngixwayisa lokhu: Bayekeleni abantu laba! Kabahambe! Ngoba nxa inhloso yabo kumbe umkhankaso wabo uvela ebantwini, uzakuba yize. <sup>39</sup> Kodwa nxa uvela kuNkulunkulu, kalisoze libe lamandla okubamisa lababantu; lizazifumana seliphikisana loNkulunkulu.”

<sup>40</sup> Inkulungo yakhe bayamukela. Bababiza abapostoli bangeniswa kwathiwa kabatshaywe. Basebeqonqoselwa ukuthi bangaqali ukukhuluma ngebizo likaJesus, basebekhululwa.

<sup>41</sup> Abapostoli basuka eSanihedrini bethokoza ngoba basebebonakalisile ukuthi bangalimela ihlazo lokulihluphekela iBizo. <sup>42</sup> Insuku ngensuku, emagumeni ethempeli, njalo behamba bengena indlu ngendlu, kabazange bame ukufundisa lokutshumayela izindaba ezinhle ukuthi uJesu unguKhristu.

## 6

### *Ukukhethwa Kwabayisikhombisa*

<sup>1</sup> Ngalezonsuku inani labafundi lisanda, amaJuda esiGrikhi ayephakathi kwabo akhonona kulabo ababengamaHebheru ngoba abafelokazi babo babengananzwa nxa kusabiwa ukudla ngezinsuku zonke. <sup>2</sup> Ngakho abal-itshumi lambili bahlanganisa bonke abafundi ndawonye bathi, “Kuyabe kungalunganga kithi ukuthi siyekethise ukutshumayela ilizwi likaNkulunkulu silibale ngokulungiselana ukudla. <sup>3</sup> Bazalwane, khethani amadoda ayisikhombisa phakathi kwenu aziwayo ukuthi agcwele uMoya lokuhlakanipha. Umlandu lo sizawubekela wona <sup>4</sup> thina siqinise ukukhuleka lokutshumayela ilizwi.”

<sup>5</sup> Umbono lo walithokozisa ixuku lonke. Bakhetha uStefane, indoda eyayigcwele ukukholwa loMoya oNgcwele; uFiliphu, uPhrokorusi, uNikhanori, uThimoni, uPhamenasi loNikholasi wase-Antiyokhi, ikholwa elaphendukela enkolweni yesiJuda. <sup>6</sup> Amadoda la ethulwa kubapostoli, abakhuleka bawabeka izandla.

<sup>7</sup> Ngakho ilizwi likaNkulunkulu lamemetheka. Inani labafundi eJerusalema landa ngokuphangisa, kwathi lenani elikhulu labaphristi layilandela inkolo.

### *UStefane Uyabotshwa*

<sup>8</sup> Kwathi uStefane, indoda eyayigcwele umusa kaNkulunkulu, lamandla, yenza izimanga lemimangaliso phakathi kwabantu. <sup>9</sup> Kwasekuvela umona usuka emalungeni eSinagogu yabaKhululekileyo (njengokubizwa kwakhona) bengamaJuda aseKhureni le-Alekizandriya kanye lasemikhonweni yaseSilisiya le-Ezhiya. Abantu laba basuka basebephikisana loStefane, <sup>10</sup> kodwa behluleka ukumelana lenhlakanipho yakhe kumbe uMoya ayekhuluma ngawo.

<sup>11</sup> Basebefunza abanye abantu amazwi ngasese ukuthi bathi, “Simzwile uStefane ekhuluma amazwi ahlambaza uMosi kanye loNkulunkulu.”

<sup>12</sup> Ngaleyondlela badungulula abantu labadala kanye labafundisi bomthetho. Bambopha uStefane bamletha phambi kweSanihedrini. <sup>13</sup> Baveza ofakazi bamanga abafakaza bathi, “Indoda le kayikhawuli ukukhuluma kubi ngendawo engcwele langomthetho. <sup>14</sup> Ngoba sesimuzwe esithi uJesu lo waseNazaretha uzayibhidliza indawo le njalo aguqule imikhuba uMosi asipha yona.”

<sup>15</sup> Bonke ababehlezi phakathi kweSanihedrini bamnanzelela uStefane babona ukuthi ubuso bakhe babufana lobuso bengilosi.

## 7

### *Inkulumo KaStefane ESanihedrini*

<sup>1</sup> Ngakho umphristi omkhulu wasembuza wathi, “Ukumangalelwa konke lokhu kuliqiniso na?”

<sup>2</sup> Kulokhu waphendula wathi: “Bafowethu labobaba ake lingilalele! UNkulunkulu wenkazimulo waziveza kubaba wethu u-Abhrahama esahlala

eMesophothiya, engakahlali eHarani. <sup>3</sup> UNkulunkulu wathi, 'Tshiya ilizwe lakini labantu bakini uye elizweni engizakutshengisa lona.'\*

<sup>4</sup> Ngakho wasuka elizweni lamaKhaladiya wayahlala eHarani. Ngemva kokufa kukayise, uNkulunkulu wamletha kuleli ilizwe lapho eselihlala khona manje. <sup>5</sup> Kamuphanga lifa lapha loba nje isiqintshana somhlabathi. Kodwa uNkulunkulu wamthembisa ukuthi yena lezizukulwane zakhe ngemva kwakhe babezalizuzwa ilizwe lelo libe ngelabo, loba nje ngalesosikhathi u-Abhrahama wayengelamntwana. <sup>6</sup> UNkulunkulu wakhuluma laye kanje: 'Izizukulwane zakho zizakuba ngabezizweni elizweni elingayisilo lazo okweminyaka engamakhulu amane, njalo zizagqilazwa, zihlukuluzwe. <sup>7</sup> Ngizasijezisa lesosizwe esibagqilazayo,'† kusitsho uNkulunkulu, 'emva kwalokho bazaphuma kulelolizwe bangikhonze kuyonale indawo.' <sup>8</sup> Wasenika u-Abhrahama isivumelwano sokusoka. U-Abhrahama waba nguyise ka-Isaka, wamsoka ngemva kwensuku eziyisificaminwembili ezelwe. Ngemva kwalokho u-Isaka waba nguyise kaJakhobe, uJakhobe yena waba nguyise wabokhokho abalitshumi lambili.

<sup>9</sup> Ngenxa yokuthi okhokho babalomhawu ngoJosefa, bamthengisela eGibhithe njengesigqili. Kodwa uNkulunkulu waba laye <sup>10</sup> wamephula kuzozonke inhlupho zakhe. Wanika uJosefa inhlakanipho, wamenza wathandwa nguFaro, inkosi yaseGibhithe. Yona yasimenza umbusi eGibhithe lakuso sonke isigodlo sakhe.

<sup>11</sup> Indlala yasihlasela lonke elaseGibhithe leleKhenani, kwaba lobunzima obukhulu ngoba okhokho bethu bakuswela ukudla. <sup>12</sup> UJakhobe esezwile ukuthi amabele ayekhona eGibhithe, wathuma okhokho bethu ekuhambeni kwabo kwakuqala. <sup>13</sup> Sebesiya khona okwesibili, uJosefa wabatshela abanewabo ukuthi wayengubani, njalo uFaro waziswa ngabakibo kaJosefa. <sup>14</sup> Ngemva kwalokho uJosefa wasebiza uyise uJakhobe ukuthi eze labendlu yakhe bonke, kungabantu abangamatshumi ayisikhombisa lanhlanu sebonke. <sup>15</sup> Ngakho uJakhobe wasesehlela kweleGibhithe lapho afela khona yena kanye labokhokho bethu. <sup>16</sup> Izidumbu zabo zabuyiswa eShekhemu zabekwa ethuneni elathengwa ngu-Abhrahama emadodaneni kaHamori eShekhemu ngemali ethile.

<sup>17</sup> Kwathi isikhathi sesisondele esokuthi uNkulunkulu agcwalise isithembiso sakhe ku-Abhrahama, inani labantu bakithi eGibhithe landa ngamandla. <sup>18</sup> Kwasekusiba 'lenye inkosi eyayingazi lutho ngoJosefa yaba ngumbusi eGibhithe.'‡ <sup>19</sup> Yaba lesihluku ebantwini bakithi, yancindezela okhokho bethu ngokubabamba ngamandla ukuthi balahlele khatshana insane zabo ezisanda kuzalwa ukuthi zife.

<sup>20</sup> Ngalesosikhathi uMosi wazalwa, njalo engasumntwana makhaza. Okwezinyanga ezintathu wondliwa endlini kayise. <sup>21</sup> Kwathi esebekwe phandle, indodakazi kaFaro yamthatha yamkhulisa njengomntanayo. <sup>22</sup> UMosi wafundiswa kuyo yonke inhlakanipho yamaGibhithe, eligagu lokukhuluma lokwenza.

<sup>23</sup> Kwathi uMosi eseleminyaka engamatshumi amane obudala, wacabanga ukuya kwethekelela abantu bakibo, abako-Israyeli. <sup>24</sup> Wabona omunye wabo ehlukuluzwa ngumGibhithe, ngakho wayamlamulela, wananisa ngokubulala umGibhithe lowo. <sup>25</sup> UMosi wakhumbula ukuthi abantu bakibo babezakunanzelela ukuthi uNkulunkulu wayemsebenzisa ukuthi abakhulule, kodwa kabakunanzelelanga. <sup>26</sup> Ngosuku olulandelayo uMosi wawela phezu kwabako-Israyeli ababili ababesilwa. Wazama

\* 7:3 7.3 UGenesisi 12.1 † 7:7 7.7 UGenesisi 15.13-14 ‡ 7:18 7.18 U-Eksodasi 1.8

ukubalamula ngokuthi, 'Madoda, liyizinini; kungani lihlukuluzana kangaka na?'

<sup>27</sup> Kodwa leyondoda eyayihlukuluza eyinye, yamfuqela eceleni uMosi yathi, 'Ngubani okwenze umbusi lomahluli phezu kwethu?' <sup>28</sup> Ufuna ukungibulala njengomGibhithe ombuleleyo izolo?'§ <sup>29</sup> UMosi wathi ekuzwa lokho wabalekela eMidiyani, lapho ahlala khona njengesizwe, wazala khona amadodana amabili.

<sup>30</sup> Sekwedlule iminyaka engamatshumi amane, ingilosi yavela ku-Mosi iselangabini lesixuku esibhebhayo enkangala eduze kweNtaba iSinayi. <sup>31</sup> Wathi ekubona lokhu wamangala kakhulu ngalowombono. Wathi uyasondela ukuthi abonisise, wezwa ilizwi likaThixo lisithi: <sup>32</sup> 'NginguNkulunkulu waboyihlo, uNkulunkulu ka-Abhrahama, lo-Isaka loJakhobe.'\* UMosi wathuthumela ngokwesaba wehluleka ukukhangela.

<sup>33</sup> INkosi yasisithi kuye, 'Khupha amanyathela akho, ngoba indawo omi kuyo ingumhlabathi ongcwele. <sup>34</sup> Ngempela sengikubonile ukhlukuluzeka kwabantu bami eGibhithe. Sengikuzwile ukububula kwabo, ngakho sengibuyile phansi lapha ukuzebakhulula. Manje-ke zwana, ngizakubuyisela eGibhithe.†

<sup>35</sup> Nguye kanye uMosi lo ababemalile ngamazwi athi, 'Ngubani okwenze umbusi lomahluli na?' Wathunyelwa ukuba ngumbusi lomkhululi nguNkulunkulu mathupha, ngengilosi eyabonakala kuye isesixukwini. <sup>36</sup> Wabakhokhela baphuma elizweni laseGibhithe, wenza izimanga lemimangaliso eGibhithe lasolwandle olubomvu kanye lasenkangala okweminyaka engamatshumi amane enkangala.

<sup>37</sup> Nguye lo uMosi owatshela abako-Israyeli wathi, 'UNkulunkulu wenu uzalivusela umphrofethi phakathi kwabafowenu njengami.‡ <sup>38</sup> Wayephakathi kwebandla enkangala, elabokhokho bethu njalo elayo ingilosi eyakhuluma kuye eNtabeni yaseSinayi; njalo wemukela amazwi okuphila ukuthi awedlulisele kithi.

<sup>39</sup> Kodwa okhokho bethu bala ukumlalela. Bamala, kwathi ezinhliziyweni zabo babuyela eGibhithe. <sup>40</sup> Batshela u-Aroni bathi, 'Yenza onkulunkulu abazasikhokhela. UMosi lo owasikhupha eGibhithe asisakwazi ukuthi usedliwe yini!§ <sup>41</sup> Yiso lesosikhathi abenza ngaso isithombe esasilesimo sethole. Baletha imihlatshelo kulo, benza umkhosi wokuthakazelela lokho okwenziwa yizandla zabo. <sup>42</sup> Kodwa uNkulunkulu wabafulathela, wabakhalala ukuba bakhonze ilanga, inyanga lezinkanyezi. Lokhu kuvumelana lalokho okulotshiweyo encwadini yabaphrofethi ukuthi:

'Wena ndlu ka-Israyeli,

langilethela na imihlatshelo leminikelo  
ngeminyaka engamatshumi amane enkangala?

<sup>43</sup> Hatshi, lathwala isikhonzelo sikaMoleki  
lenkanyezi kankulunkulu wenu uRefani,  
izithombe elazenzayo ukuthi lizikhonze.

Ngakho-ke, ngizalixotshela ekuthunjweni'\* ngale kweBhabhiloni.

<sup>44</sup> Okhokho bethu babelalo ithabanikeli lobufakazi enkangala. Lalenziwe njengokuqondiswa kukaMosi nguNkulunkulu elandela isimo ayesibonile.

<sup>45</sup> Sebelamukele ithala okhokho bethu bengaphansi kukaJoshuwa beza lalo

§ 7:28 7.28 U-Eksodasi 2.14 \* 7:32 7.32 U-Eksodasi 3.6 † 7:34 7.34 U-Eksodasi 3.5, 7, 8, 10  
‡ 7:37 7.37 UDutheronomi 18.15 § 7:40 7.40 U-Eksodasi 32.1 \* 7:43 7.43 U-Amosi 5.25-27

ekuthumbeni kwabo izizwe. Lahlala elizweni kwaze kwaba yisikhathi sikaDavida, <sup>46</sup> owathandwa nguNkulunkulu, wacela ukuthi alungisele uNkulunkulu kaJakhobe indawo yokuhlala. <sup>47</sup> Kodwa kwaba nguSolomoni owamakhelyo leyondlu.

<sup>48</sup> Lanxa kunjalo, oPhezukonke kahlali ezindlini ezakhiwe ngabantu. Njengoba esitsho umphrofethi ukuthi:

<sup>49</sup> 'Izulu liyisihlalo sami sobukhosi,

lomhlaba uyisenabelo sami.

Lizangakhela ndlu bani?

kutsho iNkosi.

Kambe izaba ngaphi indawo yami yokuphumula na?

<sup>50</sup> Izinto zonke lezi kazenziwanga yisandla sami na?†

<sup>51</sup> Lina ziqholo zabantu, abanhliziyo lezindlebe ezingasokanga! Lifuze oyihlo: Lihlezi lijamelene loMoya oNgcwele! <sup>52</sup> Kambe kwake kwabakhona umphrofethi oyihlo abangazange bamhlukuluze na? Baze bababulala lalabo abaphrofetha ngokuza koLungileyo. Khathesi selimnikele lambulala, <sup>53</sup> lina eseliwemukele umthetho oweza ngezingilosi kodwa kaliwulandlanga."

### *UStefane Ukhandwa Ngamatshe*

<sup>54</sup> Amalunga eSanihedrini esekuzwile lokhu azonda, afuthelana, amgedlela amazinyo. <sup>55</sup> Kodwa uStefane egcwele uMoya oNgcwele wakhangele ezulwini wabona inkazimulo kaNkulunkulu loJesu emi esandleni sokunene sikaNkulunkulu. <sup>56</sup> Wathi, "Khangalani, ngibona izulu livuliwe leNdodana yoMuntu imi esandleni sokunene sikaNkulunkulu."

<sup>57</sup> Besizwa lokhu bagcika indlebe zabo, baklabalala, bamdumela <sup>58</sup> bamhudulela phandle kwedolobho, bamkhanda ngamatshe. Ofakazi babeka izigqoko zabo phambi kwejaha elalithiwa nguSawuli.

<sup>59</sup> Kwathi belokhu bemkhanda uStefane wakhuleka wathi, "Nkosi Jesu, yamukela umoya wami." <sup>60</sup> Wathi vutshalala ngamadolo phansi wamemeza wathi, "Nkosi, ungababekeli mlandu ngalesisono." Kuthe esetsho lokho, walala.

## 8

<sup>1</sup> LoSawuli wayekhona evumelana lokubulawa kwakhe.

### *Ukuhlukuluzwa Lokuhlakazeka Kwebandla*

Ngalelolanga kwaqalisa isiphithiphithi esibi sokuhlukuluza ibandla eJerusalema, kwathi bonke ngaphandle kwabapostoli bahlakazeka kulolonke iJudiya leSamariya. <sup>2</sup> Abantu abakholwa kuNkulunkulu bamngcwaba uStefane bamlilela kabuhlungu. <sup>3</sup> Kodwa uSawuli waqalisa ukulichitha ibandla. Wahamba engena izindlu ngezindlu ephuthuma abesilisa labesifazane esiyabaphosela entolongweni.

### *UFiliphu EseSamariya*

<sup>4</sup> Labo ababehlakazekile balitshumayela ilizwi loba kungaphi abaya khona. <sup>5</sup> UFiliphu wehlela edolobheni elithile eSamariya watshumayela ngoKhristu khonale. <sup>6</sup> Kwathi amaxuku abantu emuzwa uFiliphu njalo ebona izibonakaliso ayezenza bonke bakulalelisisa lokho ayekukhuluma. <sup>7</sup> Omoya ababi baphuma ebantwini abanengi beklabalala njalo abanengi ababome imihlubulo labayizilima basiliswa. <sup>8</sup> Ngakho kwaba lentokozo enkulu kulelodobho.

† 7:50 7.50 U-Isaya 66.1-2

*USimoni Umenzi Wamasalamusi*

<sup>9</sup> Okwesikhathi esithile indoda eyayithiwa nguSimoni yayisenza amasalamusi edolobheni lelo yamangalisa bonke abantu baseSamariya. Wayezikhukhumeza ezitshaya umuntu omkhulu, <sup>10</sup> njalo bonke abantu, abaphakemeyo labantukazana bambuthanela bababaza bathi, “Indoda le kuqondile ibizwa ngokuthi ingaMandla amakhulu kaNkulunkulu.”

<sup>11</sup> Bamlandela ngoba wayebamangalisile okwesikhathi eside ngamasalamusi akhe. <sup>12</sup> Kodwa kwathi sebekholwe uFiliphu etshumayela izindaba ezinhle zombuso kaNkulunkulu kanye lebizu likaJesu Khristu, babhaphathizwa, abesilisa labesifazane. <sup>13</sup> USimoni laye ngokwakhe wakholwa wabhaphathizwa. Walandela uFiliphu zonke indawo, emangaliswa yizibonakaliso ezinkulu lemimangaliso ayibonayo.

<sup>14</sup> Kwathi abapostoli eJerusalema sebezile ukuthi iSamariya yase ilamukele ilizwi likaNkulunkulu, bathuma uPhethro loJohane kubo. <sup>15</sup> Sebefikile babakhulekela ukuthi bemukele uMoya oNgcwele, <sup>16</sup> ngoba uMoya oNgcwele wawulokhu ungakehleli lakubani kubo; babehaphathizelwe ebizweni leNkosi uJesu kuphela. <sup>17</sup> Ngakho uPhethro loJohane bababeka izandla, basebewemukela uMoya oNgcwele.

<sup>18</sup> Kwathi uSimoni ebona ukuthi uMoya wawuphiwa ngokubekwa izandla ngabapostoli wabahuga ngemali <sup>19</sup> esithi, “Ngiphani lami lawomandla ukuze kuthi wonke lowo engimbeka izandla azuze uMoya oNgcwele.”

<sup>20</sup> Uphethro waphendula wathi, “Sengathi imali yakho ingabhubha kanye lawe ngoba ucabanga ukuthi ungasithenga isipho sikaNkulunkulu ngemali! <sup>21</sup> Kawulangxenywe loba isabelo kulinkonzo ngoba inhliziyo yakho kayilunganga phambi kukaNkulunkulu. <sup>22</sup> Phenduka kulobububi ukhuleke eNkosini. Mhlawumbe izakuthethelela ngokuba lomcabango onje enhliziyweni yakho. <sup>23</sup> Ngoba ngiyabona ukuthi ugcwalelene ngomona njalo ugqilazwe yisono.”

<sup>24</sup> USimoni wasephendula wathi, “Ngikhulekelani eNkosini ukuze ngingehlelwa laloba yikuphi lwalokho okutshiloyo.”

<sup>25</sup> Kwathi sebefakazile njalo balitshumayela ilizwi leNkosi, uPhethro loJohane babuyela eJerusalema, bahamba betshumayela ivangeli emizini eminengi yaseSamariya.

*UFiliphu LomTopiya*

<sup>26</sup> Ingilosi yeNkosi yathi kuFiliphu, “Yehlela ezansi emgwaqweni, umgwaqo wenkangala, osuka eJerusalema usiya eGaza.” <sup>27</sup> Ngakho wasesuka, kwathi endleleni leyo wahlangana lomTopiya ongumthenwa, eyisikhulu esiqakathekileyo esasiphethe ingcebo kaKhandaki, indlovukazi yamaTopiya. Indoda le yayikade iye eJerusalema ukuyakhonza, <sup>28</sup> isisendleleni yokubuyela ekhaya ihlezi enqoleni yayo ibala incwadi ka-Isaya umphrofethi. <sup>29</sup> UMoya watshela uFiliphu wathi, “Hamba usondele enqoleni leyana walele eduze kwayo.”

<sup>30</sup> UFiliphu wasegijimela kuyo inqola wezwa indoda leyo ibala u-Isaya umphrofethi. UFiliphu wayibuza wathi, “Uyakuzwisisa yini lokho okubalayo?”

<sup>31</sup> Yathi, “Ngingakuzwisisa kanjani kungekho muntu ongichazelayo na?” Yasicela uFiliphu ukuthi agade azohlala layo.

<sup>32</sup> Indoda engumthenwa yayibala indima yombhalo ethi:  
 “Waqhutshwa njengemvu isiwa esilaheni,  
 njengezinyane lemvu elithula zwi phambi komgundi,

kanjalo kazange awuvule umlomo wakhe.

<sup>33</sup> Ekugconweni kwakhe wancitshwa ukwahlulelwa okulungileyo.

Ngubani ongakhuluma ngezizukulwane zakhe na?

Ngoba ukuphila kwakhe kwasuswa emhlabeni.”\*

<sup>34</sup> Indoda engumthenwa yabuza uFiliphu yathi, “Ake ungitshele bakithi, umphrofethi ukhuluma ngobani, yena ngokwakhe kumbe ngomunye umuntu?” <sup>35</sup> UFiliphu wahle waqalisa ngaleyondima yoMbhala, wayitshela izindaba ezinhle ngoJesu.

<sup>36</sup> Bathi belokhu behamba ngomgwaqo bafika lapho okwakulamanzi khona, indoda engumthenwa yathi, “Khangela, nanka amanzi. Kulani ukuthi ngihle ngibhaphathizwe na?” [ <sup>37</sup> UFiliphu wathi, “Nxa ukholwa ngenhliziyo yakho yonke ungabhaphathizwa.” Isikhulu saphendula sathi, “Ngiyakholwa ukuthi uJesu Khristu uyindodana kaNkulunkulu.”]†

<sup>38</sup> Isikhulu sathi inqola kayimiswe. Ngakho bobabili, uFiliphu lendoda engumthenwa baya emanzini uFiliphu wayibhaphathiza. <sup>39</sup> Bathi bephuma emanzini uMoya weNkosi wahle wamthatha uFiliphu, indoda engumthenwa ayabe isambona njalo, kodwa yaqhubeka ngendlela yayo ithokoza. <sup>40</sup> Kodwa uFiliphu wabonakala e-Azotha, walidabula ilizwe etshumayela ivangeli kuyo yonke imizi waze wayafika eKhesariya.

## 9

### *Ukuphenduka KukaSawuli*

<sup>1</sup> Kusenjalo, uSawuli wayelokhu esonga ngomvamvithi ukubulala abafundi beNkosi. Waya kuMphristi omkhulu <sup>2</sup> wayacela izincwadi zokuya emasinagogweni aseDamaseko, ukuze kuthi nxa engafumana khonale labo abangabeNdlela, abesilisa loba abesifazane, abalethe eJerusalema beyizibotshwa. <sup>3</sup> Wathi esebanga eDamaseko ngohambo lwakhe, masinyane kwaphazima ukukhanya kuvela ezulwini kwamzingelezela. <sup>4</sup> Wawela phansi, wezwa ilizwi lisithi kuye, “Sawuli, Sawuli, ungihlukuluzelani na?”

<sup>5</sup> USawuli wabuza wathi, “Ungubani, Nkosi?”

Ilizwi lathi, “NginguJesu omhlukuluzayo. <sup>6</sup> Manje phakama uye edolobheni lapho ozatshelwa khona omele ukwenze.”

<sup>7</sup> Amadoda ayehamba loSawuli ema lapho esetshe amathe; balizwa ilizwi, kodwa kababonanga muntu. <sup>8</sup> USawuli wavuka phansi, kodwa wathi evula amehlo akhe wayengasaboni lutho. Ngakho bamhola ngesandla bangena laye eDamaseko. <sup>9</sup> Waba yisiphofu okwensuku ezintathu, engadli njalo enganathi lutho.

<sup>10</sup> EDamaseko kwakulomfundi owayethiwa ngu-Ananiya. INkosi yambiza ngombono yathi, “Ananiya!”

Waphendula wathi, “Yebo, Nkosi.”

<sup>11</sup> INkosi yamtshela yathi, “Hamba uye endlini kaJudasi eMgwaqweni oQondileyo, ubuze khona ngendoda yaseThasasi ethiwa nguSawuli, ngoba iyakhuleka. <sup>12</sup> Usebelombono wabona indoda ethiwa ngu-Ananiya ifika imbeka izandla ibuyisa ukubona kwakhe.”

<sup>13</sup> U-Ananiya waphendula wathi, “Nkosi sengiyizwile indumela yalumnuntu mayelana lokubi konke akwenzayo ebantwini bakho eJerusalema.

<sup>14</sup> Uze lapha ngamandla awaphiwe ngabaphristi abakhulu ukuzabopha bonke ababiza ibizo lakho.”

\* **8:33** 8.33 U-Isaya 53.7-8 † **8:37** 8.37 Livesi ayikho kwamanye amaBhayibhili esiLungu.

<sup>15</sup> Kodwa iNkosi yathi ku-Ananiya, “Hamba! Indoda le iyisitsha sami engisikhethileyo ukuthwala ibizo lami phambi kwabeZizwe lamakhosi abo laphambi kwabantu bako-Israyeli. <sup>16</sup> Ngizamshengisa ukuthi uzahlupheka kangani ngenxa yebizo lami.”

<sup>17</sup> U-Ananiya wasehamba esiya kuleyondlu wafika wangena. Wabeka izandla zakhe phezu kukaSawuli wathi, “Mzalwane, Sawuli, iNkosi uJesu obonakale kuwe endleleni usiza lapha ungithumile ukuze ukwazi ukubona njalo futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.” <sup>18</sup> Masinyane, kwakhithika okwakungathi zinkwethu emehlweni kaSawuli, wasebona njalo. Wasukuma wabhaphathizwa, <sup>19</sup> kwathi esedlile, wathola amandla.

### *USawuli EseDamaseko LaseJerusalema*

USawuli wahlala insuku ezithile labafundi eDamaseko. <sup>20</sup> Waseqalisa ukutshumayela emasinagogweni ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. <sup>21</sup> Bonke labo abamuzwayo bamangala babuza bathi, “Kasuye yini umuntu lo owenza isihluku eJerusalema kulabo abalibizayo lelibizo na? Njalo kabuyanga yini lapha ukuzabathatha beyizibotshwa abese kubaphristi abakhulu na?” <sup>22</sup> Kodwa uSawuli wasebenza ngamandla amakhulu wadidekisa amaJuda ayehlala eDamaseko ngokubonisa kamhlophe ukuthi uJesu unguKhristu.

<sup>23</sup> Sekudlule insuku ezinengi amaJuda abumba icebo lokumbulala, <sup>24</sup> kodwa uSawuli walizwa icebo labo. Emini lebusuku bamlindela emasinagogweni edolobho ukuze bambulale. <sup>25</sup> Kodwa abalandeli bakhe bamthatha ebusuku bamehlisa ngesilulu esikhaleni esasisemdulini.

<sup>26</sup> Wathi esefikile eJerusalema wazama ukuhlangana labafundi, kodwa bonke babemesaba, bengakholwa ukuthi ngempela wayesengumfundi. <sup>27</sup> Kodwa uBhanabhasi wamthatha wamusa kubapostoli. Wabatshela ngokuthi uSawuli wayibona njani iNkosi esendleleni esiya eDamaseko lokuthi watshumayela njani ngesibindi ngebizo likaJesu. <sup>28</sup> USawuli wasehlala labo, wazihambela ekhululekile eJerusalema, ekhuluma ngesibindi ngebizo leNkosi. <sup>29</sup> Wakhuluma njalo waphikisana lamaJuda esiGrikhi, kodwa azama ukumbulala. <sup>30</sup> Kwathi abazalwane bekuzwa lokhu, bambalekiselana eKhesariya bafika bamedlulisela eThasasi.

<sup>31</sup> Ngalesosikhathi ibandla kulolonke elaseJudiya leGalile leSamariya laba lesikhathi esihle sokuthula. Laqina, njalo ngokukhuthazwa nguMoya oNgcwele landa ngobunengi, lahlala liyesaba iNkosi.

### *U-Eniyasi LoDokhasi*

<sup>32</sup> Kwathi uPhethro ebhoda phakathi kwelizwe wayakwethekelela abangcwele eLida. <sup>33</sup> Wafumana khonale indoda eyayithiwa ngu-Eniyasi, eyayiyisigulane esome umhlubulo sihlezi silele okweminyaka eyisificam-inwembali. <sup>34</sup> UPhethro wathi kuye, “Eniyasi, uJesu Khristu uyakusilisa. Vuka uthathe icansi lakho.” Masinyane u-Eniyasi wasukuma. <sup>35</sup> Bonke labo ababehlala eLida laseSharoni bambona baphendukela eNkosini.

<sup>36</sup> EJopha kwakulomfundi owayethiwa nguThabitha (ngesiGrikhi ibizo lakhe nguDokhasi), owayehlala esenza okuhle esiza abaswelayo. <sup>37</sup> Ngalesosikhathi wagula wafa, isidumbu sakhe sageziswa, sabekwa endlini ephezulu. <sup>38</sup> ILida yayiseduze kweJopha; yikho abafundi sebezwiwe ukuthi uPhethro wayeseLida, bathuma amadoda amabili kuye bamncenga bathi, “Sicela ukuthi uze ngokuphangisa!”



<sup>39</sup> UPhethro wahamba labo, wathi ekufikeni kwakhe wasiwa endlini ephezulu. Bonke abafelokazi bema bemhanqile, bekhala, bemtshengisa izembatho lezinye izigqoko ezazithungwe nguDokhasi esaphila.

<sup>40</sup> UPhethro wabakhupha bonke endlini; waseguqa ngamadolo wakhuleka. Wasephendukela esidunjini sowesifazane wathi, “Thabitha, vuka!” Owesifazane wasevula amehlo akhe, wathi ebona uPhethro wahlala. <sup>41</sup> Wambamba ngesandla wamsukumisa. Wasebiza amakholwa labafelokazi wamethula kubo esephila. <sup>42</sup> Lokhu kwasuka kwaziwa kulolonke iJopha, abantu abanengi bakholwa eNkosini. <sup>43</sup> UPhethro wahlala okwesikhathi eJopha loSimoni umtshuki wezikhumba.

## 10

### *UKhonestiyasi Unxusa UPhethro*

<sup>1</sup> EKhesariya kwakulendoda eyayithiwa nguKhonestiyasi, yayingumlawuli webutho lekhulu elalithiwa liViyo lase-Ithaliya. <sup>2</sup> Yena lendlu yakhe yonke babekhonza njalo bemesaba uNkulunkulu. Wayenika ngesihle labo abaswelayo njalo ekhuleka kuNkulunkulu kokuphela. <sup>3</sup> Ngelinye ilanga, sokungaba lihola lesithathu emini waba lombono. Wabona kamhlophe ingilosi kaNkulunkulu, eyeza kuye yathi, “Khonestiyasi!”

<sup>4</sup> UKhonestiyasi wayiqhuzulela amehlo ngokwesaba. Wabuza wathi, “Kuyini, Nkosi?”

Ingilosi yaphendula yathi, “Imikhuleko yakho lezipho zakho kwabaswelayo sekufinyelele kuNkulunkulu kwaba yisikhumbuzo. <sup>5</sup> Ngakho-ke, thumela amadoda eJopha ayebuya lendoda ethiwa nguSimoni owaziwa ngokuthi nguPhethro. <sup>6</sup> Ihlala loSimoni ongumtshuki wezikhumba, olendlu okhunjini lolwandle.”

<sup>7</sup> Ingilosi eyakhuluma laye isihambile, uKhonestiyasi wabiza izinceku zakhe ezimbili kanye loyedwa owayengumncedisi webutho owayeyindoda ekhonzayo. <sup>8</sup> Wabatshela konke okwakwenzakele, wasebathuma eJopha.

### *Umbono KaPhethro*

<sup>9</sup> Sekungaba phakathi laphakathi kwemini sebebanga edolobheni, uPhethro wakhwela ophahleni ukuyakhuleka. <sup>10</sup> Wezwa eselambile esefuna ulutho lokudla, kwathi ukudla kusalungiswa wehlelwa yisiyephupho. <sup>11</sup> Wabona izulu livulekile, kusehliselwa emhlabeni ulutho olwalunjengelembu elikhulu libanjwe ngamagumbi alo womane. <sup>12</sup> Lalithwele yonke imihlobo yezinyamazana ezilenyawo ezine, kanye lezinanakazana ezihuquzelayo emhlabeni lezinyoni zemoyeni. <sup>13</sup> Ilizwi laselimtshela lathi, **“Vuka Phethro. Hlaba udle.”**

<sup>14</sup> UPhethro waphendula wathi, “Hatshi, Nkosi! Kangikaze ngidle lutho olungahlanzekanga lolungcolileyo.”

<sup>15</sup> Laphinda ilizwi lakhuluma okwesibili kuye lathi, **“Ungabokuthi ulutho oseluhlanjululwe nguNkulunkulu kaluhlanzekanga.”**

<sup>16</sup> Lokhu kwenzakala kathathu, kwasekusithi masinyane ilembu labuyiselwa ezulwini.

<sup>17</sup> Kwathi uPhethro esamangele ngokuthi umbono lowo wawusitshoni, amadoda ayethunywe nguKhonestiyasi ayibona indlu kaSimoni, ema entubeni. <sup>18</sup> Akhuleka abuza ingabe uSimoni owayethiwa nguPhethro wayehlala khonapho yini.

<sup>19</sup> Kwathi uPhethro elokhu esacabanga ngombono, uMoya wathi kuye, “Simoni, kulamadoda amathathu akudingayo. <sup>20</sup> Ngakho-ke, phakama wehlele phansi. Ungathandabuzi ukuhamba lawo, ngoba ngiwathumile.”

<sup>21</sup> UPhethro wehla wathi emadodeni lawo, “Nginguye lowo elimdingayo. Lilandeni?”

<sup>22</sup> Amadoda aphenhla athi, “Sivela kuKhoneliyasi umlawuli wekhulu lamabutho. Ungumuntu olungileyo owesaba uNkulunkulu, ohlonitshwa yibo bonke abangamaJuda. Ingilosi engcwele imtshele ukuthi kakulethe endlini yakhe ukuze ezwe lokho ongabe uyakutsho.” <sup>23</sup> UPhethro wasewangenisela endlini amadoda lawo njengezethekeli zakhe.

### *UPhethro Endlini KaKhoneliyasi*

Ngosuku olulandelayo uPhethro wasuka labo, kwathi labanye abazalwane beJopha bahamba laye. <sup>24</sup> Ngelanga elilandelayo wafika eKhesariya. UKhoneliyasi wayesebalindele esebize izihlobo zakhe labangane abaseduze. <sup>25</sup> Kuthe uPhethro engena, uKhoneliyasi wamhlangabeza, wazilahla phansi ezinyaweni zakhe ngenhlonipho. <sup>26</sup> Kodwa uPhethro wamsukumisa. Wathi, “Sukuma, mina ngingumuntu nje.”

